

UZULUKAMALANDELA

A MOST PRACTICAL AND CONCISE
COMPENDIUM OF

AFRICAN HISTORY

COMBINED WITH

GENEALOGY, CHRONOLOGY,
GEOGRAPHY AND BIOGRAPHY

"Ukuqala kokuhlakanipa ku ukwesaba INKOSI."
(*Amazwi Ahlakanipileyo 1:7.*)

Sold and Published by :—

Messrs SULEMAN HOOSEIN & SON,
BOOKSELLERS & STATIONERS DEPT.,

PR SHUTER & SHOOTER, LTD.,
BOOK AND
STATIONERY EXPERTS,
PIETERMARITZBURG

A 496.3712406 LAM

6/9

PXI

6/9

African Studies Seminar.

African Studies Seminar.

No. 68717 Class MA 496.3712406
LAM U



G. & S. LTD. C.T. 5M/2/45 (RED.) NO. 4503

Messrs. SULEMAN HOOSEN & SON,
(KWA BHA)
General Merchants,
PRIVATE BAG *** DALTON.

UZULUKAMALANDELA

クク

A MOST PRACTICAL AND CONCISE
COMPENDIUM OF

AFRICAN HISTORY

COMBINED WITH

GENEALOGY, CHRONOLOGY,
GEOGRAPHY AND BIOGRAPHY

“Ukuqala kokuhlakanipa ku ukwesaba INKOSI.”
(Amazwi Ahlakanipileyo 1:7.)

NGU
REV. P. LAMULA

UCT LIBRARIES
C000013243X




UZULUKAMALANDELA

BPA 496.37124.06 Lamula
68717

Sold by
SULEMAN HOOSEN & SON
(The Store of Fashion)
Private Bag Dalton,
NATAL.

Messrs. **SULEMAN HOOSEN & SON**,
PRINTED AT THE MARIANNHILL MISSION PRESS,
(KWA DINA)
MARIANNHILL, NATAL.
General Merchants,
PRIVATE BAG - - - DALTON.



Lomfanekiso, ngowami, ngangipete incwadi etiwa: "Bible Dictionary." Umfanekiso wami, ngiwufake ngokucela kwa-bantu abangangazi, futi abangenatuba lokungibona. Leyomfiso yabo yabangwa yizincwadi esengazibhalela isizwe sakiti. Ngisho lezi: "Ukuzaka Kwabantu," ne "Isihlutulelo Sokuvula Izindaba zeBaibele," nayo le: "Uzulukamalandela." Yimi: P. Lamula.

OKURETWE AYITENGWAGI

Udumo lwempumelelo yomsebenzi wami wokufunda,
malunikwe umame otandekayo uNozinyoni, owangi-
kutalela kakulu ngisaqala ukufunda esikoleni sakiti
Ekombe M. S., engilungisela nokudhla masinyane
ukuba ngingalibali ukuya esikoleni
(nakuba engakoliwe).

Dedicated to my beloved mother, Nozinyoni Sibisi,
through whose assistance and sacrifice I was enabled
to complete the earlier stages of my education at

Ekombe M. S., 1898 - 1901.

P. LAMULA.

OKUPETWE YILENCWADI

Onikwa udumo (Dedication) ngenkutalo yake	5
Amazwi okuqalela incwadi (Introduction)	9
Ukubakona kwami (My Life History)	10
Igama lalencwadi, nokuqondwe ngayo, negama lokuti "Afrika"	15
Indaba yezizukulwana zonke zomhlaba	16
Uhele lwezizukulwana, pakati kuka Adamu noNoa	18
Ukudatshulelwana kwamadodana kaNoa umhlaba, emva kuka-Zamcolo neNsika	18
Ukwakiwa kwalelizwe (Afrika) emva kweNsika	19
Izwe labakaHamu, nokwanda kwezizukulwana zikaHamu (eAfrika)	20
Izinhlobonhlobo zeNdhlu kaHamu, eAfrika	20
Ubukulu beAfrika, nezigaba zeAfrika	21
IAfrika lasendulo, nezindawo okukulunywa kuzo ngalo, kulo iBaibebe	23
Isikati sokwakiwa kweAfrika	25
IAfrika, elaziwa namhla	26
IAfrika elisenhla, neAfrika elipakati, neAfrika elisezansi	26
Amazwe ahlanganisa iAfrika	28
Ukupela kwezilimi zaBantu bemvelo yaseAfrika, nezilimi ezinkulu zalapa	29
Ulimi lwaBantu basenhla, nabapakati, nabasezansi neAfrika	29
Ukufuna kwezizwe zapesheya ngemikumbi indhlela eya ezweni lamaKula	30
Ukuqbukana kwabantu nabelungu eKoloni naseNatali	31
Ukwaka kwaBantu basezansi neAfrika (South Africa)	32
Ukwaka kwezifunda zakwaZulu	33
Ukwaka kwezifunda zaseSilungwini (Natal)	34
Indhlu yomlibo wakwaZulu, kusuka kuMalandela, ozala uZulu noQwabe	35
Umlibo wamakosi akwaZulu, kusuka kuMalandela kuya ku-Solomon, kanye nezinye iziNdhlu zakwaZulu	36
Amanxuluma amakosi akwaZulu, nawezinye iziNdhlu zama kosi akwaZulu	37
Amabuto akwaZulu, ezinsizwa nawezintombi	39

Amasiko aBantu (kuti: Imlkuba yemvelo yaBantu)	41
Amakosi akwaZulu nokubusa kwavo	43
1. USenzangakona, namakosikazi ake	43
2. UShaka, nako konke okwenzeka ekubuseni kwake	44
3. UDingana, nako konke ekwenzeka ekubuseni kwake kuze kube sekufeni kwake	53
4. UMpande, nokubekwa kwake ngamaBhunu nokubusa kwake	60
5. UCetshwayo, nako konke okwenzeka ekubuseni kwake waze wafa	61
6. UDinuzulu, nako konke okwenzeka ekubuseni kwake, nokufa kwake	69
7. USolomon	82
Amagama abantu abadumileyo	84
Iminyaka eqondene nezindaba ezinkulu ezenzeka sekufike abelungu	113
Izizwe ezimnyama zalapa eSouth Africa, nokuzalana kwazo	116
IAfrika nomnoto walo	119
Izindawo okukashelwa kuzo aBantu	121
Izikati ezine	124
Ukupela kwenkambo endala, yezinto zemvelo yaBantu	124
Ukuzaka kwabantu, kuzo zonke izindawo abahlezi kuzo	126
Ukupela kohlobo lwaBantu bemvelo yaseAfrika	134
Amakosi onke (Native Chiefs) abusa namhla eNatali nakwa-Zulu, nezinkantolo atela kuzo, nezifundo zawo, nemizi yabantu, nezindhu zayo	136
Ukuhambela kweNkosana ka "King George V." eNatal nakwaZulu	155
Amazwi okugcina	166

AMAZWI OKUQALELA INCWADI

Lo, "UZULUKAMALANDELA," usengowesibili, futi usehlaziye kakulu kunowakuqala. Konke ekade kukona k'Uzulukamalandela wokuqala, kusekona. Okufakwe kulo, omsha, yiloku: Ngamakosi onke abantu, nezinkantolo okutelwa kuzo, nemizi, nobuninginingi bezindhu zabantu kuzo zonke izifunda zamakosisingamakosi, kulo lonke elaseSilungwini (Natal) nelakwaZulu. Kulencwadi futi, kufakwe indaba yokubingelelwa kweNkosana ka"King George V." u"Prince of Wales," Etekwini, nas'Eshowe, nas'Emgu'ndhlovu, ngo 1925. Kufakwe nomfanekiso wezingilinqili zika Zulu, mhla kubutene "USUTU" no"MANDHLAKAZI," kona Eshowe. Futike, kulo "Uzulukamalandela" omusha, ngifake nendaba yokubakona kwami, kusuka ekuzalweni kwami kuze kume manje. Bakona abakucelisayo loko. Ngakoke, ngikufakile kulencwadi entsha, nokupenduka kwami, nokufunda kwami, nokunye. Impela, kuyabonakala-nje, ukuti: Yena-nje, Uzulukamalandela wakuqala, wabayismangaliso kuBantu bakiti. Kayiko incwadi efuna kangaka kuzo zonke esezaKE-zabhalawwa isizwe esimnyama. Loko, kubonakala ngezinewadi ezipuma kulo lonke izwe. Sekuyiloku abantu bashayana-nje. Omunye uti: "Uzulukamalandela" wami wetshelekwa ngumuntu, kabesam'buyisa." Abanye bat: Kuhle Uzulukamalandela aqanjwe igama lokuti: "IFALE-SIZWE," Bhekanike, nina eningazange nimtole nowakuqala Uzulukamalandela: TATANI IZINYAWO, funa niputelwe nakulona. Kuyakutata isikati ukuba kubuye kulungiswe "Uzulukamalandela" wesine.

INCAKALALA YOKWAZI

Ngapandhle oqweqwani luka "Uzulukamalandela," kubhalwe amazwi esiNgisi, akombisa kahle-kahle ukuti "Uzulukamalandela" upete incakalala yokwazi okungazange kupenywe ngezwe lase Afrika. Nanka lawo-mazwi: "A most practical and concise Compendium of African History combined with Genealogy, Chronology, Geography and Biography." Lamazwi, ajulile kakulu. Akombisa ukuti: Uzulukamalandela, ubhalwe ngesu elihlose ukutandulula yonke indaba yokudabuka, nokuhamba kwezikati, nokuma kwe-Afrika, nokuzalana kwezizukulwane zalo nendaba yazo. Ngakoke, Uzulukamalandela, uyisimangaliso sase Afrika.

OKUFUNDWA K'UZULUKAMALANDELA

Ku "Uzulukamalandela," umuntu ufunda yonke indaba yomhlaba esasiyizwa ngokoko bakiti nesiyizwa ngabelungu kulo IBAIBELE. Ufundwa yonke indaba yomhlaba, nezizwe zawo, kusuka "EKUQALENI," kuze kume manje. Umuntu ufunda yonke indaba YOKUZAKA KWABANTU. Kufundwa yonke indaba yomhlala kwabantu: Emapulazini, Emadolobeni, Ezinkomponi, Ezimobeni, koLizevu, nakoNokeshini, napi-napi. Kungako loku ukuba umuntu ekewafunda "Uzulukamalandela" ungenwa umcabango ohluzekileyo kona manje-nje. Uzulukamalandela, uysibuko sokuba umuntu omnyama azibuke ngaso ngapakati nangapandhle, ukuze azazi kahle ukuti UYINI, nokuti WENZANI, nokuti UYAKUGCINAPI.

Yimi owenu ngeqiniso: P. LAMULA.

IZITOMBE EZIKULENCWADI

Esami singasekuqaleni kwencwadi	3
Esika Shaka	45
Esika Dingane	55
Esika Cetshwayo	63
Esika Dinuzulu	70
Esika Solomon	83
Esika Hintska	88
Esika Zibhebhу	112
Esika "Prince of Wales"	154
Ezomkosi was'Eshowe, mhla kaPrince, 1925	157
Esika Solomon nendodakazi kaShembe, beshada	165

INDABA YOKUBAKONA KWAMI (MY LIFE - HISTORY)

Mhlaumbe, bangabakona abantu abatanda ukwazi ngokubakona kwami, ngisho pela UKUKULA KWAMI, kuze kuge manje. Abafundileyo, bayazibhala izincwadi ezixoxa ngokubakona kwabo noma ngokwabanye. Kodwa kakulu ngokubakona kwabantu abadumileyo ngemisebenzi etile pakati kweiszewa sakubo. Sebake-banginxusa nami abanye ukuba kengibaxocele ngokubakona kwami ngoba bekangwa yilemisenbenzana yokubhala izincwadi zokukanya isizwe saki.

Kangazike ukuba ngizakubenisa yini ngoba nami kangazi kahle futi ngizalwa ngabantu abangafundanga, namike futi ngafunda sengimdal. Umfundisi, owangibhabhatisayo, walinganisa ngokucabanga ukuti: ngasengineminyaka e 17, mhla ngibhabhatiswayo, ngo 15th August, 1901, Ekombe Mission Station, kwelase Quden, kwa Zulu.

Mina ngicabanga ukuti ngazalwa ngo 1880, noma: 1881. Udadewetu, engimelamayo ngiti wazalwa ngo 1878, noma: 1879. Ngisho ngoba umame uti: Kwati kulwa impi yaseSandhlwane, ngo 1879, wayeszelwe udadewetu, eseyinganyana enyanga zingengaki. Kusobalake ukuti kukuwo lowomnyaka ka 1878, ngoba impi yalwa ekuqalen impela ku 1879 (22nd January). Poke kungase kuge mina ngazalwa ku 1880, noma: 1881, ngoba pela izingane zivama ukushiyana ngeminyaka emibili.

Abazali bami: Ubaba ngu Lutoluni ka Zucu, uZucu ka Zinyane wakwa Lumula. Ibuto lika baba, nguMdhlenevu. Wayesilomo senkosi, uMpande, enengxota, nemiklezo yobuqawe (trophies for distinguished deeds of valour in battles). Ufe esemdale kakulu, eneminyaka esengati ingapezu kwekul, ngo1918. Umame, ngu Nozinyoni, indodakazi kaMbhese, waseZibisini. Ibuto lake eztombini, yiNgcugce, usekona, futi esekoliwe.

Abantwana Bakwetu: Mina ngingowesibili kwetu, ngelama udadewetu, lowo engiti sengati wazalwa ngo 1878, noma: 1879. Igama lake: uBanjiwe, Usekoliwe, sekulAlida. Wendela kwaMbo-kazi—Ongelamayo, ngu Sitimela, kakakolwa. Sekukupelake, ngoba bashona abanye. Owelama uSitimela, ushone eseganiwe noku-ganwa, washiya izingane ezimbili, umfana nentombazane. Kangazi ukuba konje ngazalelwaa esipetwini yini, ngoba nqaqanjwa igama lokuti: SIPETU. Kuyekuti uma ngipenyisisa loko kumame, kubesengati kangizalelwaa esipetwini, kodwa nqaqanjwa-nje. Ubaba wayevama ukungibiza ngegama lokuti: **Hlabanabemgqiba.** Kuteke ukuba ngikolwe, ngasengiketa igama lokuti: PETROS. Izibongo engaziqanjwa ubaba, ziti: "Uhlabanabemgqiba, unkani ingange-yesele, inkunzi yezambane, isambane: esimba umgodi singawulali." Engaziqanjwa umame (izitakazelo) ziti "uSontshiyo wayengeko lapa zabiwayo, uBhekuzelwa-angababo (uBhekuzelwa ngababo, yigama lomzimkulu kababa), umgingqika azafikendabakazini, ujundupana-abantu bakulinge, ukudhla kwakwaLamula kunesituk' esibi, ngikudhla-nje, kabatandi, Sontshiyo kuyikufuya kwezohlobo, uyakufuya kwezamanhlenga adhla engahlambile. Kangazi nengakudhlayo, ngadhl'umbhebbe ngadhl' um'behe."

Bakiti, uma nami sengibona lezizibongo, zikamame, ngiyamangala. Ngibona ngempela ukuti uNkulunkulu, wabeka ukubikezela (ukuprofeta), ngokwehlukana kwami nabakiti, nokufuyi-

swa kwami imfuyo yabezizwe. Ngisho pela labo aboniswa ngokuti "amanhlenga adhl'engahlambile" Kusobala ukuti: kwakungabelungu abavama ukudhla netiye ekuseni bengakahlambi. Futike, njengokusho kwake, eti "Wawungeko lapo zabiwayo uBhekuzelwangababo," kwabanjalo. Kute ubaba, esaba umuzi kubafo-wetu, esegoduka, ngangingesabala, ngoba ngasengakolwa, sengazinikela kulomsebenzi wobufundisi. Lokuke, kungikombisa kahle ukuti: yiko loko yena akubiza ngokuti "INDABAKAZI," ngoba uti: "Mgingqika azafikendabakazini." Futike, kangizange ngibe nampahla yohlobo lwakiti, njengoba uti: "Sontshiyo, kawuyikufuya kwezohlobo." Ayike, kangedhlule. Kuningi ukuba nizibonele konke okuyimfihlakalo yokuprofeta kulezizibongo, zikababa, nezitakazelo zikamame.

Ukukula Kwami. Ngakulela kona kit, ngalusa amatole ngabuye ngalusa izimvu, nezimbuze nezinkomo, kwaze kwaba yilesosikati esaziwa ngabantu bonke, esitiwa: "UKUFA KWEZINKOMO" (1897). Poke, tina bafana bakwa Zulu, umsebenzi wokwala, wawusibopa kanzima. Sasingakululeki kuwo. Besikululeka ngoba sesiyizinsizwa okufanele ziyeke impela "ukwalusa. Lokoke, kwa Zulu kwenzeka eminyakeni emibili, noma emitata, kusuka ekutombeni komfana. Kodwa abanye abafana, kabakululeki ekwaluseni uma kungeko bafana kulowo-muzi. Balusa njalo kuze kubonakale ukuti sebekule-ngangokuba sekungamahloni ukuba kungabe kusatiwa: "bayelusa." Uma sekunjalo, kuze kwetshelekwe nakweminye imizi umfana ongelusayu kulowo-muzi ongenamfana. Minake, kanye nomfowetu owayeyintanga yami, owafa empini kBhambhada, sakululeka ngako ukufa kwezinkomo. Kusobalake ukuti: Uma ngazalwa ngo 1880, noma 1881, ngangineminyaka e 17, noma 16. Poke, njengokuba kanti ngabhabhatiswa ngo 1901, ngasengineminyaka e21, noma 20. Nempela, pela naye umfundisi owangibhabhatisayo, uma ebhalo i"Testimonial" yami (kuti: inewadi yokufakaza ngami), "about." Lokoke, kuti Ngicabanga ukuti ngabe useseneminyaka engase. . . . Yenake,wabhalo 17. Kanti, kungokungaondi okuyikona kuyiko. Kusobala ngempela ukuti: Ngangineminyaka e20, noma 21, mhla ngibhabhatiswayo ngo 15th. August 1901.

Ukungena Kwami Esikoleni.— Esikoleni sakiti eQuden (Ekome, M. S.) ngafunda iminyaka emibili (njengokusho kwake lowo-mfundisi). Pela, mina, ngangingesqondi, ngoba, ngangingesqafundi. Kuteke, ukuba ngiqede, ukufunda kwami kona, ngo 1901, wangitumela e"College," kwa Mapumulo, lapa, bekufundisa umfundisi uEdward Ingebriksten, engafunda kuye kwaze kwaba: 1903, or 1904. Emva kwake, kwafika uRev. H. K. Leisegang, okwati, kuye, ngapumelela, ngase ngiba u"Tisha," "Second Class Certificate (Natal) Teachers' Certificate," ngasengiketelwa ukuba ngifundise kona e"Umpumulo College," 1906. Kwaseke, kuhoboka "Impi kaBhambhada"—1906. Ngangisaqalake, ukufundisa kona, futike, mina, ngiwi "Tisha," wokujala, kwabamnyama, owaqala ukufundisa e"Umpumulo College," ku 1906. Emva kwaloko, ngafundisa lapa, nalapa, ezikoleni zeBandhla lamaLutela ase Noke, kusuka ku 1906, kuya ku 1915. Ngafundisa iminyaka emitiatu Emfule Mission Station (ngase Melmoth). Ku 1907, kuya ku 1910. Ngafundisa unyaka, kwaMbonambi, kusuka ku 1911-12. EOscarsberg Theological Seminary, 1912-14 (lapo ngangifundisa njengo "Pupil-Teacher"). Kuteke, ngo 1915, ngafika lapa Etekwini, kuze kuge manje. Kuso sonke lesisikati, ngangipansi kwebandhla elitiwa: "Norwegian Mission Society," njengesifundi, no

"Tisha, nomfundisi," kwaze kwaba 1926 lapo sehlukana nabo, saba yiBandhla lesizwe, ngegama eliti: "IBANDHLA LESIZWE" ("United Native National Church of Christ"), ngenxa yencwadi eyapuma kuMongameli, weBandhla le "Norwegian Mission Society," owati: (1) Mangingabe ngisashumayela ezindhlini zabo zokusonto, nokunye okwabayisicunulo esatinta kanzima inhliziyo yami. (2) futi: "Kalake, uLamula Lelo-Bandhla lake." Onkelamazwi, apuma kuRev. P. A. Rodseth, ngo October 8th and 11th, 1926, enguMongameli we Norwegian Mission Society, ebengingu-mfundisi nami kulo, ku 1915-26, nebengiyikolwa kulo ku 1898, noma 1899, kuze kube 1926.

Ukupenduka Kwami: Okwempeleni, kangipendukanga ngokuba ngemukela IZWI LENKOSI, kwabase Noke, noma: kwabase "Lutela". Ngapenduka ngezwi ieNkosi, engalizwa kwabatille-nje, engingabaqondi, ngoba ngangangakaqondi namaBandhla, ukuti abizwa kanjani. Ngempela kusobala: ukuti UKUKOLWA KWAMI, kwaba ku 1898, okute kusuka lapo, ngahlala esikoleni sakiti, Ekombé, ngifunda, ngaze ngabhabhatiswa ngo 15th August, 1901. Kuteke, pakati kuka 1901 no 1902, ngayofunda eKolishi, kwa-Mapumulo, kwaze kwaba 1905, okute ngo 1906 nganikwa umsebenzi wokutishela (wokufundisa) kona eKolishi, sengipase Std. VI. Kodwake, kangihlangala kakulu ngenxa yokugula kwenhliziyo. Ngoko, ekupeleni kwalowo-mnyaka, ngabuyela Ekombé, ukuba ngipumule, njengeseluleko sikaDokotela. Kute ngo July, 1907, nganikwa umsebenzi wokufundisa Emfule ngase Malimede (Mell-moth), lapo ngafundisa kwaze kwaba 1910, ngaze ngaganelwa kona futi, yindodakazi ka September, uElizabeth Dhlamini. Kute ngo July, kuwo lowonyaka, ngayakufundisa kwaMbonambi, pezu kolwandhle, ngapambi kwas'Empangeni. Kute ngo 1911, ngabuyela kona Emfule. Kute ngo 1912, ngaya eKolishi lobufundisi (Theological College) Eshiyane, Oscarsberg, ngase-Sandhlwane, lapo ngabuye nganikwa umsebenzi wokufundisa esikanye nabo ngoba kwakungabantu abadala abangatolanga kahle okwabelungu. Nokoke sasifunda kanyekanye kwezesiZulu izifundo. Kodwake, ngahlushwa yisifo senhliziyo njalo, ngaze ngayeka nokufunda ngokwami, kupela ukusizasiza bona labo ngokwesiNgisi. Kuteke lapo sesiqedile, samiswa kuwo umsebenzi wobufundisi. Sagcotshewa kwaMapumulo (Umpumulo M. S.) ngo25th August, 1915, esikatini sikaRev. H. K. Leisegang, obenguMongameli (Superintendent) we Norwegian Mission Society. Minake, nganikwa umsebenzi wobufundisi lapa Etekwini, lapo ngihlale eMilne Street kusuka ku 1915 kuya ku 1926, mhlala sahlukana neBandhla leNorwegian Mission Society, kwasekuvela leli: "IBANDHLA LESIZWE" (United Native National Church of Christ). Ukuhlala kwami lapa Etekwini, kwanginika ituba elihle lokutola imfundu kubelungu abaniningini. Ngesinye isikati u Dr. C. T. Loram, wenza imihlangano eWolo (Hall), eTechnical College, lapo bekubutana abelungu abayizazi zokuxoxa izindabandaba zokwazi. Kanjaloke, nami ngangikipa imali ngiyolalela. Kwaze-kwati, kusuka ku 1918, ngazama ukufundela i"Matriculation." Kodwa kute sengiti ngizakuhlolwa ngavukwa yiso isifo senhliziyo, ngasengiyeka okwempela. Nokoke, kwangisiza ukuba ngizamele leyom-fundo, ngoba ngatola ukwazana nezinto eziningi okwati noma ngingasayipaselanga leyomfundo, ngatola ukwazi okubanzi, ngoba ngabuta zonke izinto ezinqondene nezfundo ze"Matriculation." Yiyo leyomfundo eyangiqubayo ukuze kuti emva kuka1920, ngibhale izincwadi, njengalezi "Ukuzaka Kwabantu," no"Isihlutulelo Soku-

vula Izindaba ZeBaibebe," no "Uzulukamalandela," nezinyeke ezingakacindezelwa. Ngiyetembake, ukuti: uma uNkulunkulu evuma ngizakuzama ukuba ngibuye ngenze neminye imisebenzi yokukanyisa isizwe sakiti, kakulu njengokuba naku namhla sengipete iBandhla elikulu kangaka okusweleke ukuba ngilishiye nezincwadi ezinokwazi ngempela. Ngoba kakulungile ukuba sife kanye nezintshumayelo, nokwazi kwetu. Kuhle sikushiyele isizwe ukuze kubuye kulandele abanye abayakuquba kangcono loko okuzakuvezwa uNkulunkulu ezinhliziwyeni nasemiqondweni yabo. Nomake, ngibhale ngokufushane kakulu ngokubakona kwami, ngiyetembaba ukuti bakona abazakujabula ukuba bangiqonde kahle. Uku-funda kwami, kakuyiko okokufundisa ngabazali bami, kungo-kwenhlanhla kaNkulunkulu-nje, engayitola ukuba ngipenduke. Ubaba wayengazi luto ngokutiwa "IMFUND." Futike mina ngapiwa ukupenduka ngedwa-nje, pakati kwemizi kababa emitatu, napakati kwabafu-wetu, nodadewetu, nomame, abaninginingi. Nokoke, namhla sekulandela abanangi. Owokuqala, ovalandela mina nguFilimon, nomnewabo, njengokwelamana kwabo, uAlimon. Poke, manje naku nomame usekoliwe, nodadewetu, futi.

Izingane Zami: Kwati ngo 6th October, 1912, sapiwa indodakazi, uTandiwe Tembile, okwati ukuba aqede ukufunda lap'Etekwini, waya Emanzimtoti (Amanzimtoti Institution), lapo namhla eseefundisa kona, (holding 1st Grade Certificate). Ngo 1914, July 29th, sapiwa indodana, uNkosinomsa.* Ngo 1916, May 15th sapiwa enye indodana, uNathanael Godslove, ofunda kona Emanzimtoti. Ngo 1918, 6th October, sapiwa indodakazi, uRuth Laiza. Ngo 1921, December 16th, sapiwa indodana, uNkosiyapa. Ngo 1926, sapiwa indodana, uSamuel Josiah (18th April). Ngo 1929, March 30th sapiwa indodakazi, uEdith Prisila. Ngapandhle kwalaba bantwana, sashiywa ngababili, umfana nentobazane, ngo-1918, no 1924. Iminyaka yomkami namhla i37, eyami ingaku 50 (kulonyaka: 1930). Sashada naye eniminyaka e16, nezinyanga ezi9, mina ngangingeseminyakeni e30 (ngo 1910).

Nanti ihubo ubaba ayengihubela lona, eti babelihuba be-ngamabuto.

"Ndhlov'uyayiwo
Ubizwa kwa Tulwana
Tina siw'utuli Iwamabuto kwaDukuza
Siyesaquba utuli
I — Yo I — Yi!"

*Uye lo, ofel'Eshowe, 6th November 1930.

Uzulukamalandela

ISAHLUKO 1

IGAMA LALE NCWADI.

Igama lokuti: "UZULUKAMALANDELA," kuligama okuqanwe ngalo lenewadi, epete indaba emfushane yokudabuka kwaBantu abamnyama balelizwe laki, eselaqanjwa ngabelungu ngokuti: AFRIKA. Ukuba lenewadi iqanjwe ngokuti: "Uzulukamalandela," kungokuba tina bantu ababizwa ngokuti: UZULU, kasisawazi omunye umsuka okuqala kuwo INDHLU EMNYAMA, kupela yena uZulu ka Malandela, esekungati nguye ongulowomuntu, uMvelinqangi amdabula ohlangeni, mzukwana woNwabu neNtulo. Kungaloko-ke ukuba lencwadi iqanjwe ngalowo-koko weNdhl Emnyama osakumbulekayo.

ISAHLUKO 2

Okuqondwe ngaleNcwadi

Ngalencwadi, kuqondwe ukutungata indaba yokudabuka kwaBantu bonke balapa eAFRIKA, nendaba yokudatshulelw kwaabo nguMvelinqangi lelizwe lase Afrika. Kuqondwe futi ukukomba amasu esingazisiza ngawo ukuze singagwinywa yizizwe ezipuma kwamanye amazwe apesheya—kanti singabokudabuka kulomhlaba.

ISAHLUKO 3

Igama lokuti Afrika

Igama lokuti: "AFRIKA," lavela kuwo amaGreki, namaRoma, izizwe zasendulo, zabelungu, ezaqala ukuwela ulwandhle okugcina ngalo iAfrika enhla (Mediterranean Sea), zaze zahlula amaFinisia-Phoeniciens (abaseTire) zase zimisa imibuso yazo. Umbuso wamaGreki kwakungowaseKurene, okungati wamiswa ngalonyaka 632 (kuya ekuzalweni kukaJesu), okubonakala ukuba ngesikati sikaJesu nabaPostoli, abantu abanangi baseKurene babevama ukuhambela kwelamaJuda. (Mat. 27:32; Izenzo 2:10; 6:9; 11:20; 13:1.) Umbuso wamaRoma kwakungowase Katako. Okungati wamiswa kulonyaka509 (kuya kuko ukuzalwa kukaJesu). Igama

lalombuso kalifumaniseki kulo iBaibele, ingani yiwo amaRoma ayepete ubukosi obukulu bomhlaba ngesikati sikajesu nabaPostoli. Kodwa-ke umasifunda incwadi etiwa: "Indaba- yeBandhla," sifumana okuningi. Naye uAugustinu, umBishopu odumileyo, owafunda kuAmbrose, kwaRoma, wayesuke kona eKatako, eAfrika. Ukuxubana kwezizwe zapesheya nezase Afrika, eKurene nase Katako, yikona okwabanga ukuba licume igama lokuti "Afrika," njengokuba lapa kucume elokuti "Natives", okuqonda okwahlu-nisa abapuma pesheya nabokudabuka kulelozw. Ama-Greki, namaRoma, ayebabiza ngokuti "Afrika," bonke abafumana bake kona njengoba amaNgisi eti kiti: Natives. Leligama-ke latata lase lipenduka igama lomhlaba wonke owake abokudabuka kulelizwe. Kepa ngalesosikati lalingakombi lona iAfrika lonke. Ngoba lalingaziwa, kupela amazwe ayingeosana, asenhla neAfrika. Singakumbula namanye amagama ayekomba lona iAfrika lasenhla. Nanka: Egipita, neLibia, neEtopia, namanye. Indaba yokwakiwa kweAfrika izakukanya ngapambili.

ISAHLUKO 4

Indaba yezizukulwana zonke zomhlaba

Bakiti, uma sitanda ukuqonda kahle indaba yomhlaba, neyokudabuka kwabantu bawo abanjaninjani, masitate umbhobho om-kulu iBAIBELE, sibukisise ngalo. Nanka amazwi akulunyuwa um-lungu otile, efanekisa loku engikushoyo: "Most people think narrowly because they live in a little narrow world of to-day. What all need is the broad view of the World and its history and people. To have great reverence for God we must know more of His mighty works. To sympathise fully with humanity we must read Earth's History from the Bible standpoint." **Indaba yomhlaba** ikona kuyo incwadi yeNkosi iBaibele. Indaba yezizwe zonke zomhlaba isuka ndawonye. Abadala baxoxa inganekwane yokuti "**uMvelinqangi wadabula abantu ohlangeni.**" Kabaqondi kodwa ukuti, amagama alabo abadatshulwa kuqala kwakungobani, nokuba babebangaki, nokuba kusuka lapo kuze kuge kulezizikati kwahamba kanjani. Kodwa kukona izindaba ezindala okuyiloku zahhalayo ezipukulwaneni zalababantu boquqala kuze kuge nam-hlanje. Kuyisimangaliso ukulondolozeka kwalezondaba, ingani abadala sebafa, bakohlakala namagama abo. Incwadi yeNkosi, iti: Umuntu owadatshulwa kuqala, kwakungu Adam, engumlisa kwasekulandela uEva, engowesifazane. Izanganekwane zabadala ziyavumelana nencwadi yeNkosi ukuti likona izwi uMvelinqangi alitumela kubo oAdam noEva, ukuba baxwaye ukufa. Kuyo incwadi yeNkosi sengati uMvelinqangi wabatshela ngokwake.

Kodwa izanganekwane ziti: kwatunywa "uNWABU." Izanganekwane ziyahlangana neBaibele kwelokuti labo bantu badha umuti, ngoba zikomba "ubukwebezane" umutana otile owalibazisa uNwabu kwaze kwafika iNtulo, imemezela ukuti: "**Abantu kabafe!**" (Gen. 2:8.) Kulo iBaibele iNtulo ibizwa ngenyoka. UNwabu lubizwa ngoNkulunkulu, eziti izanganekwane uMvelinqangi. (Gen. 3.) Nansoke indaba yokuqala ekumbuleka kuzo zonke izizwe zomhlaba, noma labo bantu bakuqala, nezizukulwane ezibalandela eduze, sebakohlakala. Kuti kusuka aulesosikati, abadala ibadukele kakulu indaba yokwanda kwenzalo yalabo okoko bokuqala. Kanti incwadi yeNkosi iyilanda kahle kakulu; ibala nezikulu zezindhlu ngezindhlu. (Bheka: Gen. 5.) **Okwesibili:** abadala babuye bahlangane nenejadi yeNkosi emva kwasikati seminyaka e1656. Bakumbula indaba kaZamcolo wemvulakazi yasendulo, eyacwilisa zonke izizukulwane zalabo bantu, uMvelinqangi ayebadabule ohlangeni. Kabaqondi-ke abadala ukuti waye nengwe yini uMvelinqangi. Futi kabakanyisi ukuti yena lo, owasinda nomuzi wake, wasinda kanjani, nokuti igama lake lalitwani. Incwadi yeNkosi ikanyisa kahle konke iti: uMvelinqangi watukuteliswa yizono. (Bheka Gen. 6.) Washumayela kaningi kubantu; kepa kwaba yiloku kwanda okubi. Wase evulela imvula eyehla njengezimpopoma ezulwini, kwabboboka nemitombo enjengemifula pansi, amanzi akukumala ngokushesha, wacwila wonke umhlaba nezintaba ezinde kanjani, kwaba yicibi lamanzi, elaze lanyamalala sekupele umnyaka wonke! Iti, incwadi yeNkosi lowomuntu owasinda numuzi wake, kwakungu NOA. Iti: Wasinda ngokukolwa; kwasekuti uMvelinqangi wamluleka ukuba azale ke indhlukazi eyalukaniswa ngezinto ezilula ukuba ize intante iye pezulu, mhla wemvula. Kusobala ukuti yayinkulu ngokwesabekayo, loku kutiwa kwalondolozwa kuyo nezinhlobonhloba ngambili zezilwane ezingenakupila emanzini, ukuze zibuye zande emva kuka Zamcole, zisize abantu lapo nabo sebandile. Nansoke indaba yesibili esakumbulekayo. Ikumbuleka impela. Ngoba uma izulu kade lina, lihlaba "utungo," bese besho abantu beti "**LASA!**" Kanti nempela Iwamiselwa kona loko emva kuka Zamcole. UNoa-ke, ungukoko wesibili wazo zonke izinhloba zomhlaba ezikona namhla; ngoba kufana nokuti, uhlobo lwalabo bokuqala Iwabhubhu Iwapela; (Gen. 6-9.) **Okwesitatu:** Abadala kabakumbuli luto kusuka lapo. Baze bakumbule ngenye indabakazi enkuu eyenzeka sekupele ikulu leminyaka emva kukaZamcole (1760). Kutiwa kuzo izanganekwane: "abantu babaka INSIKA, beconde ukuya ezulwini." Kodwa kakushiwo ukuti bebejongeni kona; kupela encwadini yeNkosi, lapa kutiwa: babesaba ukuhlakazeka nomhlaba Izanganekwane ziti: "bashiswa yilanga, badiliwa kuleyonsika." IBAIBELE likomba ukusanganiswa kolimi; Sizakubona ngapambili. (Gen. 10-11.)

ISAHLUKO 5

Uhele lomlibo kaNoa.

Manje, sengizakufika ekwahlukeneni kwezizwe. Kufanele kengikombe ukuti inewadi yeNkosi, iwutekeleza kanjani umlibo kaNoa, kusuka kuye kuya kuAdam. Kumi kanje: uNoa, ka Lameki, ka Metusalemu, ka Enoke, kaJared, ka Mahalalele, ka Kenani, kaEnose, ka Setu, ka Adam, kaMVELINQANGI—uNkulunkulu. (Gen.5:3-29; Luk. 3:36-38.) UNoa wazala amadodana amatatu: uSemu, noHamu, noJafete. UNoa ungukoko wezikuwlwane zomhlaba wonke, ngoba kufana nokuti lonke uhlobo luka Adam iwapela ngoZamecolo. Kuwo amadodana kaNoa, kubonakala ukumisa ngokusha kukaMvelinqangi umhlaba nabantu bawo. Kudabuka izizukulwane ezisha: **ngokwaka, nangombala, nangezili.** (Gen. 10:5.) Nakoke lapo sonke siwutata kona UMSUKA wetu, njengokuba kuzakukanya ngapambili.

Ukuze-ke, bakiti, ngikulume ngokuhambe nighlanganisa iBaibele nezinganekwane, ngiqonde ukukanyisa kahle impela ukuti kuliqimiso loku ukuti izizwe ngezizwe zadabuka ndawonye. Tina esifunda izinewadi ezikuluma ngezinganekwane zeziyne izizwe, siyafumana lezizindaba ezintatu Eyokudatshulwa kwabantu, ebhangqanisa nokuvela kokufa ngoNwabu neNtulo; neyokubhulla komhlaba ngoZamecolo; neyokwaka "Insika." Loko-ke, kumbla iqiniso elikanyiseka kahle kulo iBaibele, okuyilona newadi uMvelinqangi alondoloza kuyo konke okuqondene nomhlaba, nabantu bake abakuwo. Konje uma izalukazi zalapa kiti, ezingazange zibonane nempela nezapesheya, zisixoxela izinganekwane ezitile, bese kuti uma tina siya pesheya sifumane izalukazi zakona zixoxela abanta-ba-ntabazo zona lezo nganekwane, singati konje zahlangana kanjani nezikati? Kanti singavuma ukuba okoko bawokoko bazo, bakulela ndawonye, uma sitshelwa ngabaziyo kahle. IBAibele lisikanyisel a kona loko. Futi nokufana kwezinganekwane zeziwe ngezizwe, kufakazela lona iBaibele.

ISAHLUKO 6

Ukudatshulelwa kwamadodana kaNoa umhlaba.

UNkulunkulu - uMvelinqangi, wabeshilo kubantu bokugala oAdam noEva, ukuti bazakwanda bagewale wonke umhlaba. (Gen. 1:28.) Ngakoke kwamtukutelisa ukwaka kwabantu leyonsika ababeti baza kufinyelela ngayo ezulwini ukuba bangahlakazeki ezwensi. (Gen. 11:4. Wayesebashaya ngokupitanisa ukukuluma kwabo, ukuze umsebenzi wabo unghambi; bala basebewufuqa

pansi, baciteka! Lapo sebesuka kuleyondawo, basuka ngemishungu emitatu-njengombala wabo, nokufana kokukuluma kwabo, njengezindhu zamadodana kaNoa, oSemu, noHamu, noJafete Kanjalo-ke uNkulunkulu wabaqondisa kuwo amazwe abadabulela wona, njengezinhlobo zabo, nezilimi zabo. Kubhalie encwadini yeNkosi ngawo amadodana kaNoa ukuti: "Abaseziqingini zezizwe ngezizwe bavela kuwo, bezihlakazekela emazweni abo, bonke ngezilimi zabo, nangezinhlobo zabo, ezizweni zabo." (Gen. 10:5; 20, 32.) Yebo, impela incwadi yeNkosi iyaqinisa ukuba umhlaba wadatshulwa ngalezo zinsuku, iti, "UEberi wazala amadodana amabili, igama lomunye lalingu Pelegi okuti uDabulizwe, ngokuba emihleni yake izwe ladatshulwa." (Gen. 10:25.) UNkulunkulu-uMvelinqangi wabadabulela abakaSEMU, umhlaba wasenyakato kuze kuge sempumalanga—Asia. Izizwe ezipuma kona ngama-Juda namaSulmane, namaKula, etc. AbakwaJAFETE,- badatshulelwa umhlaba wasentshonalanga—Europe. Izizwe ezipuma kona ngama Ngisi, namaJalimane, namaGreki, namaFulentshi, etc. AbakaHAMU, wabadabulela lomhlaba otiva "AFRIKA." Izizwe ezake kuwo yindhu ensundu yonke okutiwa, "ABANTU"—African Bantus.

ISAHLUKO 7

Ukwakiwa kwe Afrika

UHamu, indodana kaNoa, wazala amadodana amane: oKushe noMizrami, noFuti, noKenani. Kwati ukuba izizwe zihlakazeke lapa kwakwakiwa kona "Insika," uHamu weza neno, eAfrika, namadodana ake amatatu oKushe, noMizrami, noFuti, basebelaka lonke elikosele pansi kolwandhle, enhla neAfrika (pambili impela engakabiko amaFinisia, namaGreki, namaRoma). AmaFinisia angawendhu kaHamu, azalwa nguKenani indodana encane kaHamu. Kodwa uKenani kehlelanga eAfrika mzukwana uHamu uyise efika eAfrika noKushe, noMizrami, noFuti. UKenani wahlala ezweni lake, elibizwa ngegama lake, elabuye latatwa kuye lapiwa abaIsraeli ngenkati kaAbrahama. (Gen.12:5, 6.) Kuhle kukanye kulendawo ngoba abanye abelungu banomcabango wokuti abaseAfrika yiwo amaKenani afanele ukucitwa ngenkemba njengaloku abaIsraeli bawacita. Kaliko izwi kulo iBaibele elikomba ukuti abaseAfrika ngamaKenani nakuba sizalana kuHamu. Kungakonjwa okuningi okukona nasencwadini yeNkosi,, okukomba ukuti iAfrika kulizwe elidala, eliloku lazihlalela kahle. Ukwanda kwabantu balo, kukomba ukuba lahlala kahle isikati eside ngapandhle kwézimpi nezifo, lapo amazwe apesheya ecitwa yizimpi.

ISAHLUKO 8

Izwe labaka Hamu

Nanto-ke igama elikomba iAfrika lonke. Kungati uHamu, nendodana yake uMizrami, bati ukuba bangene eAfrika, bahlala kulendawo okutiwa Egipita; uKushe wahlala ngezansana, elake izwe kutiwa Etopia noma Abisinia; uFuti, nabazukulwane, bahlalela ngasentshonalanga nelas'Egipita. Inhlanganisela yalezo ndawo zikaFuti nabazukulwane, itiwa Libia, okwati ngemva zatatwa ngabaseTire (amaFinisia); zabuye zaba yimibuso yamaGreki, namaRoma — njengoba kade kulandwa. Indhlela owangena ngayo uHamu, namadodana ake amatatu, eAfrika, ipakati kolwandhle "olukulu"—"ulwandhle lwaseTarshihi" — Mediterranean Sea — nolwandhle olubomvu. Lendawo itiwa "Suez Canal." Kungati-ke kwati ukuba afe uHamu, izwe lase lisala kuwo amadodana ngegama lokuti, IZWE LABAKA HAMU. Loko-ke kwaba yilona gama eliqinileyo elikona nakulo iBaibele njengokuba ngizakukomba. Lamadodana kaHamu, amatatu, yiwona angokoko bezizwe ngezizwe ezimnyama zaseAfrika, ngisho noma ingasatungateki intambo yokuzalana kwaBantu bonke base Afrika.

ISAHLUKO 9

Ukwanda kwezizukulwane zikaHamu

Ngokunjalo-ke, izizukulwane zikaHamu, zaya ngokuya zanda zehla ziza lapa ezansi, futi ziya ngapa nangapa zaze zaligewalisa lonke iAfrika, njengaloku kute nabelungu befika kulelizwe, balfumana ligewe aBantu yonk'indawo. **Kungepikwe muntu ukuti iAfrika. kulizwe la Bantu, izizukulwane ezimnyama zikaHamu.** Futi kubonakala kahle ngalo igama lokuti, "Hamu," ngoba likomba ukuti umuntu obizwa kanjalo, munyama, njengoba kuvamile ukubiza umuntu ngombala wake. Bakona o"Bomvana" (ngoba ebomvana), no" Mnyamana" (ngoba emnyamana). Kunjalo-ke ngoHamu.

ISAHLUKO 10

Izhlobonhlobo zendhlu kaHamu

IAfrika, yizwe elibanzi kakulu, njengaloku kuzobonakala ngapambili. Lakiwe zinhlobonhlobo zaBantu abamnyama, abakuluma izilimilimi (konke loku kuzafulaniseka ngapambili). Pela kunjalo

kuzo zonke izizwe. Nakuyo indhlu kaSemu noJafete, kukona izinhlobonhlobo ezikuluma izilimilimi, futi ezicishe ukungafani nangombala. Nati, tina zizukulwane zikaHamu kasifani ingani kona simnyama. Futi nabelungu kabafani, ingani bamhlope, kanti kunjalo nangolimi. Imvamela yezizwe ezimnyama sezechla enhla kakulu neAfrika, kulezondawo okwaqala kuzo ukwaka uHamu, namadodana ake amatatu oKushe, noMizrami, noFuti, nenzalo yabo. Namagama alezondawo asacima kwavela amanye-nje, njengelase Etopia, likaKushe, namhla sekutiwa "Abyssinia." Futi elas'Egipita, selacima ukuti, "Izwe lika Mizrami." KwelikaFuti, lase "Libia" sekwavela amagamagama njengokuti: "Morocco," ne "Algeria," ne "Tunis," nokunye. Futi kwamanye amazwe abantwana baka Hamu, kaseko umuntu wemvelo! Izizwe ezimnyama zisekona emazweni angenzansi, ngapansi kodwadwakazi lwezwe eliyimbuqumu yesihlabati, elipetele ngezansi kwalamazwe esengiwashilo —Sahara. Futi-ke, zisekona emazweni apatele nganeno kwelas'Egipita. Zigewe-ke izizwe ezimnyama kusuka lapo kuze kuhaleke lapa eSouth Afrika. Sekwavelake izinhlobonhlobo ezimnyama. Kwezinye izindawo sekwavela izinhlobo eziyixubevange okubangwa ukuhlangana nezinhlobo zabelungu ngokuganana. "Insobi" yohlobo lwabantu bakwaZulu ikona kakulu kucisho kugekuzona zonke izizwe ezimnyama zaseAfrika, nakuba zahlkene kanjani ngokwaka, nangolimi. **Enhla ne Afrika ngasentshonalanga,** kukona lezinhlobo zabantu: Amawolofu, namaTamne, namaMendi, namaNdingo, namaSongai, namaFanti, namaKuru, namaHausa, nezinye. **Pakati ne Afrika ngasempumalanga,** kwake: AmaBedauye, namaKunama, namaNuba, namaFula(?), nezinye. **Pakati ne Afrika ngasentshonalanga** kwake: AmaBanda, nomabAganda, nabaBaya, namaFangi, namaLolo, namaKongo, namaLuba, namaMbundu, namaLunda. **Pakati ne Afrika ngasempumalanga:** NgamaNyamnyamu, namaDinka, namaShiluku, namaNgibetu, namaGanda, namaBahima, namaSomali, namaGala, namaMasai, namaWangamezi, nabaNguni, namaKuwa, namaWayao. Amazwe akiwe yilezi zinhlobo ezipakati, ahlangana pakati neAfrika. **Ezansi ne Afrika kwake:** izizwe esihlezi nazo kakulu. Ukwaka kwazo kuza-kukanya ngapambili.

ISAHLUKO 11

Ubukulu be Afrika

IAfrika kulizwe elimise okwefu, elinciple ezansi lababanzikazi pezulu; kwasekuti ukuma kwalo latambekelela ngasentshonalanga njengombala wenkomu ehemu. Kutiwa ubude beAfrika, kusukela emsukeni ote-gqu elwandhle kwelase Koloni, kuze kuti-gqu

enhla lapo ligcina ngolwandhle ngas' Egipita, kungamabanga azinkulungwane ezisihlanu—5,000 miles. Lokoke kukombisa ukuti umuntu angahamba izinyanga ezisitupa, uma izwe lite tansalala, uma ngelanga enamandhla okuqeda amabanga a30 noma 40 (miles). Ububanzi basenhla, kuleyondawo ebanzikazi bungamabanga a4,000 (miles) okukomba ukuba umuntu enqamula, esuka entshonalanga eya empumalanga, angahamba izinyanga ezi 5 (Cape Verde—Cape Guardafui). Isidingilizi seAfrika lonke, singamabanga a11,000,000 (square miles). Ubuningi babantu balo (population) buyizigidi ezingamashumi amabili 20,000,000.

ISAHLUKO 12

Izigaba ze Afrika

(a) **IAfrika elalaziwa endulo.** Njengoba sengishilo ekuqaleni: Izizwe zasendulo zamaGreki, namaRoma, zaziqonda iAfrika elisenhla, elikosele ngolwandhle kupela. Kwakwaziwa zona lezon-dawo ezaba yimibuso yawo amaGreki, namaRoma, bezitate kwabaseTire, amaFinisia— inzalo kaKenani, indodana encane ka Hamu, abangafikanga noHamu, mzukwana engena eAfrika namadodana ake amatatu oKushe, noMizrami, noFuti, emva kokuhlakazeka kwevizwe ensiken "umbhoshongo waseBabela." Kodwa-ke abaseTire bazuza inhlakanipo enkulu eyabenzela amandhla okuquba imisebenzi emikulu elwandhle, baze bawelela kona eAfrika, base bewasebenza onke amazwe asenhla, azungeze ulwandhle, apakati kolwandhle olukulu nolubomvu. Kakungabazeki ukuti: kwakuyizo ezinye izizukulwane zabaseTire ezazibusa elas'Egipita, ngesikati sabaIsraeli. Noma kambe kungenjalo kuyabonakala ukuti ubuhlakani bas'Egipita baqamuka ngaseTire (kuzakukanya ngapambili okunye ngabaseTire). **Izigaba ze Afrika lasendulo yilezi:** (1) LIBIA.—Lesisigaba sasipete yonke inhlanganisela yamazwe kaFuti, nabazukulwane ngasentshonalanga kwelas'Egipita. (2) EGIPITA.—Lesisigaba sasakiwe uMizrami. Amanxuluma akona adumileyo yilawa: Memfisi neThebes, (iThebes kwakuyindawo yokumbela amakosi njengakwaZulu kwaNobamba). (3) ETOPIA.—Lesisigaba sibizwa nangokuti: "Izwe lamaKushe"; izizukulwane- zika-Kushe, kaHamu. Kuzakukanya ngapambili.

ISAHLUKO 13

IAfrika lasendulo neBaibele

iBaibele liqamisa kakulu ukubiza iAfrika ngokuti "Izwe labakwaHamu," nokuti: "Egipita." Futi-ke, njengokuba indawo yas'Egipita, yabe iyisabelo sikaMizrami, ivama ukubizwa ngokuti: "Izwe likaMizrami". (Izihlab. 78:51; 105:23, 27; 106:22.) (Gen. 12:10:11.) Kasiko bakiti isikati sokulonda konke okubhalwe kulo iBaibele ngendawo yas'Egipita. Kuyabonakala ukuba lendawo yaba yinkundhla enkulu kakulu yokuhlakanipa, neyemisebenzi. Ngaloko-ke yadonsa izizwe ezipuma emazweni amanangi aseEurope naseAsia. IAfrika lipatwa kakulu kulo iBaibele, ngamagamagama ayekomba izindawana zalo ezitile nezitile, ezikona le enhla, ewatangeni elipakati kolwandhle "olukulu" nolubomvu. Lezondawo pela ngisho wona amazwe aqala kuwo ukwaka iAfrika, uHamu namadodana ake, nabazukulwane bawo.

ISAHLUKO 14

Izindawo ze Afrika nokushiwu ngazo

Lapo "uMliliseli" egcwele uMoya oNgewe, uhsulukula ngezwi elikulu uti: "Izikulu ziayakuza zivele Egipita; amaKushe asheshu ukuyisa izandha zawo kuNkulunkulu." "Nina mibuso yomhlaba hlabelan kuNkulunkulu; nishaye ugubhu kuyo iNkosi". (Izihlab. 68:31,32. Kulendawo, uMliliseli ukomba iAfrika ngokubhangqa indawo kaMizrami noKushe. Kuhle kengikulume ngeAfrika njengezindawo ezipatwa kulo iBaibele ngazine—kanje:

I. Egipita.

Izwe las'Egipita, lipatwa kakulu kulo iBaibele. Bonke abafundileyo bayaziqonda izindaba ezipatelelana nalelizwe. Lipatwa kakulu lapo kukulunyuwa ngesizwe sabaIsraeli; esabalekela kulo ngendhlelakazi yasendulo, eyabhedula umhlabu iminyaka esikombisa. (Gen. 43.) Futi-ke lipatwa kakulu kanye namagama amadoda (Gen. 43.) Futi-ke lipatwa kakulu kanye namagama amadoda aqamileyo esizwe sabalIsraeli: oAbraham; noIsaka; noJakobe noJosefa; noMose. Konke loko kungafundwa kulo iBaibele. (Gen. 12:10;) (Eks. 1-14.) Futi lipatwa kuyo indaba yokuzalwa kuka-Jesu, ekubuseni kukaHerode, inkosi enolaka, eyavimbezela imizi yabulala izingane zabafana, ihlose ukubulala uJesu. Kanti uJesu wasinda ngoba wabesebalekile kona Egipita. (Mat. 2:13-19.)

2. Etopia.

Lelizwe, libizwa nangokuti "Izwe lamaKushe." Kepa namhla litiwa "Abissinia." Izifundiswa ziti yilo izwe elalibuswa yinkosikazi yaseSheba, ngesikati sodumo lobuhlakani benkosi yabaIsraeli, uSolomona: (I. Amak. 10; II. Izikr. 9.) Futi-ke ngesikati soku-shumayela kwabaPostoli lalibuswa ngenye inkosikazi uKandake. (Izenzo 8:27.) Pela, kunjalo nalapa kwaZULU, kwake kwabusa inkosikazi uMnkabayi, kajama. Nanti nelaseSwazini; libuswa yinkosikazi; abati "INDHLOVUKAZI."

3. Libia.

Lelizwe laliyinhlanganisela yamazwe kaFuti nabazukulwane apetele ngasentshonalanga kwelas'Egipita. Igama lalo lipatwa kubantu ababeseJerusalem emhlanganweni, ngomhla kaMoya oNgcwele; owehlela abaPostoli. (Izenzo 2:10.) Yiwo lamazwe, okwati emva kobukosi baseTire, agwinywa ngamaGreki, nama-Roma kwasekuba yimibuso etiwa Kurene; noKatako-Cyrene and Carthage.

4. Ofire

Lendawo, kukulunywa ngayo kulo iBaibele ukuba kuyindawo noma izwe, lapo uSolomona, inkosi yabaIsraeli, noHiramu, inkosi yaseTire, batumela imikumbi ilanda izimfutamfuta zomcebo wegolide, nesiliva, nensimbi, namazinyo ezindhlovu, nezimfene, nani nani, okwanqwatshelwa embusweni kaSolomona. Abanye batu yilo lelizwe lokuti "Ofire," okungabe abasendulo basusela kulona ukuti "Afrika." UHiramu, inkosi yaseTire wasiza kakulu elekelela uSolomona ngabantu abazingeweti zokubaza nokulumbanisa, nokuhamba ulwandhle, nokuqopa amatshe mhlana uSolomona aka indhu yeSonto-iTempele. Kakulu ngoba wayekade etandana noDavide; uyise kaSolomona. (I. Amak. 5.) 6Kutiwa igolide nesiliva kwakulandwa e"Ofire". (1. Amak. 10:11. Kepa kayiqondwa muntu lendawo okutiwa "Ofire.") Abanye bakomba eArabia noma, eIndia. Kodwa sekukanya ukuti kwakulapa kwaMzilikazi, Rhodesia! Isizwe saseTire sasikade sabugudula ubunyanga bokuhamba ulwandhle. (1. Amak. 9:26:28.) Kanjaloke, imikumbi kaSolomona, neyaseTire yehlisa ulwandhle olubomvu. Kusobala ukuti yayifike ime endaweni etile, ngaseDalagubhe, yehlise izinjomane-Camels-zinqamule izwe zize ziponseke lapa kwaMzilikazi. Kungati loko kuhamba kwemikumbi ukuya nokubuya, kwakutata iminyaka emitatu. (I. Amak. 10:22.) Pela kusobala loko, ngoba izwe likude. Futi kwakungomunye umsebenzi ukunqamula izwe ngezinjomane, nokumba. Kufumaniseka ukuba indawo yokumba

kwakuyilena etiwa "Zimbambwe," lapo kufunyanwa izigedhlegedhle zamawakazi ayembiwa endulo. Kufakaza lobo buhlakani bukaSolomona, nobaseTire, ngoba kasiko isizwe lapa eAfrika, esesake samba umhlabu ngaleyondhlela - enjengaloku namhla kumbiwa imali eGoli, namalahle ezinkomponi. Ngako konke lokuke, bakiti, ngikanyisa indaba yokwaziwa kweAfrika ngaba Israeli izizwe zapesheya. Kakulu mangiti: ukwaziwa kweAfrika kulo iBaibele eliyinevadi kaMvelinqangi, ekomba kahle ukuba iAfrika ku "Izwe labaka Hamu."

ISAHLUKO 14

Isikati sokwakiwa kweAfrika

Sesiside kakulu, isikati kusukela kuHamu, namadodana ake oKushe, noMizrami, noFuti, nabazukulwane babo, angena nabo eAfrika, emva kokuhlakazeka kwezizwe "ensikeni." Kungati sekwedhlule iminyaka eyizinkulungwane ezine kakulu-4167? Kungati "INSIKA" yayakiwa ngo 1760, kusuka kuAdam noEva. Loko ke, kukomba ukuti kwakusasele iminyaka e2244 kand'ukuba kuzalwe uJesu. Namhla siti sekupele iminyaka e1939 kusuka ekuzalweni kukaJesu. Kanti-ke loko kukomba ukuti sekungase-minyakeni e4167 (2244 and 1939), kusukela ensikeni. Futi-ke kakuqondakali ukuti uHamu waqalangamnyaka-muni ukwaka ieAfrika. Ngisho nangaleso sikati, uSolomona ayemba ngaso iGolide lapa kwaMzilikazi kakuqondaqali ukuti abakaHamu basbequbeke kangakanani ukwehla neAfrika ngokwaka. Ngesikati sokumba kukaSolomona sengati kwakusele iminyaka e992 kufike uJesu, oku ukuti kwasekupele 3012 kusuka kuAdam noEva, okukomba ukuti kwasekupele 1252, kusuka ensikeni. Lesisikati 4167, kusuka ensikeni kuza lapa, side kabi. Kaziko izindaba ezingakumbuleka uma zingalondolozwanga ngokubhalwa. Nempele kunjalo. Kakusakumbuleki nezindaba eziiska kuko ukumba kuka-Solomona. Kusuka lapeke, sengati sekuyiminyaka e2915 (B.C. 992 and A.D. 1939). Namhla sesikohlwe izindaba eziiska ku-Malandela, ingani kungati loko kuseyiminyaka engasemakulwini amane-nje (403?). Abahlakanipileyo bacabanga ukuti uMalandela wayekona ngalonyaka 1520, kusukela ekuzalweni kukaKristo; okukomba ukuti ibanga elipakati kokumba kukaSolomona no-Malandela, liyiminyaka 1512. Kakuqondakali futi ukuba kute kuzalwa uJesu, aBantu basebehle baze bakawulapi neAfrika; ngoba kute kufika abelungu lapa eSouth Africa ngo 1650 (kusukela ekuzalweni kukaJesu), besebeligcwele lonke iAfrika aBantu. Kute ngo 1812-1828, inkosi yakwaZulu, uShaka, wadungula izizwe ngezizwe ngempi; okwati eziningi kuzo zabuye zapinda umkondo

owenyukayo, zaye zaposeka-le emacibini apakati eAfrika; eTanganyika, Nyasa, noViktoria Nyasa, namanye; ezinye zalisingisale, empumalanga yaseNyakato neAfrika, zamisa imibuso emisha.

ISAHLUKO 15

IAfrika elaziwa namhla

(a) **IAfrika eselaziwa namhlanje**, kutiwa linezigaba ezitatu; nazi: IAfrika elisenhla — Northern Africa or the Barbary States; neAfrika elipakati — Central Africa or Nigritia; neAfrika elisezansi — Southern Africa; limi kanje.

1. IAfrika elisenhla

(*Northern Africa*)

IAfrika elisenhla yinhlanganisela yawo onke amazwe, apetele ngenhla kodwadwakazi lomhlaba oyibhuqukazi lesihlabati otiwa ‘Sahara,’ kuze kuponseke kuwo onke amazwe abude-buduze nelase Egipita -eAbyssinia, neKordofana, nawo onke amazwe adatshulwa umfulakazi wakona iNile, nemitelela yawo, ahlanganiswa ngegama lokuti ‘Northern Soudan.’ Onke lamazwe asevame izizukulwane zikaSemu, noJafete—abapuma eAsia naseEurope, okungati yibona abacita izizukulwana zikaHamu kuwo.

2. IAfrika elipakati

(*Central Africa*)

IAfrika elipakati yinhlanganisela yawo onke lamazwe apetele ngezansi kwololu ludwadwakazi lwehlane lesihlabati “Sahara,” kusuka lapo umfula otiwa Senegal, ungena elwandhle entshonalanga kweAfrika, kubekelele njalo ngalo ihlane, kusinge empumalanga, kudabule iSoudan, neAbyssinia, kuze kuposeke enhlanganweni yezilwandhle ezimbili, olubomvu, nolutiwa Indian Ocean, esangweni elitiwa Babel-Mandeb; besekwehla ngokubekelana nolwandhle njalo kuze kuge ngapa kwelamaZizimbane-Zanzibar, kwehle, kufike kwe-lama Putukezi; kusuke lapo kudwebe, kunqamule kuye entshonalanga, kwedhlule ecibini elitiwa Bangwelo — Lake Banguelo, bese-kushaya ngenhlanwa kwelakwa Mzilikazi — Rhodesia, kudabule izwe elitiwa “Angola”, uposeke elwandhle entshonalanga nalo iAfrika; kusuke lapo kunqemeleze ngolwandhle njalo, kwenyuke ngamazwe ngamazwe, akawule ngalo ulwandhle, kuze kwedhlule emazweni okwakutengwa kuwo abantu endulo — njengalaba abatengisa

eMeleka, kushaye lapo umfula waseGambia ungena elwandhle, bese kufika lapo kusuke kona emfuleni iSenegali, elingumkawulo wamazwe angezansi kwehlane “Sahara.” Kulamazwe apakati ne-Afrika kusagewe kakulu izizukulwane zendhu kaHamu, nakuba kambe izindawo-ndawo sezibuswa ngama Ngisi, nama Fulentshimanzi, namaPutukezi, namaBelgiane, namaItaliana etc.

3. IAfrika elisezansi

(*Southern Africa*)

IAfrika elisezansi, yinhlanganisela yawo onke lamazwe; angezansi kwalomkawulo esengiwukombile: kusuka enhla nelasePutukezi, kukwesheleze kwehla ngolwandhle, ngasempumalanga, kuye eningizimu, eKoloni, besekushekelezela kwenyuka ngolwandhle, kuze kuxume kuwo umkaulo onqamula iAfrika elipakati, ongena elwandhle ngase Angola. Futi kulamazwe kusagewe kabi izizukulwane zikaHamu, nakuba kubonakala ukuti imvama yawo isingeyamaNgisi, nengosana yamaPutukezi, apete lonke leli elitiwa Mozambique, empumalanga kweAfrika, neAngola, entshonalanga. AmaNgisi apete lonke ekade lingelamaJalimane, lihangene nelakwa-Mzilikazi - Rhodesia, neBechuanaland, neNatalasifani, neFulesitata, neNatali, neKoloni.

AMAZWANA OKUGCINA

Nankoke, bakiti amazwe ngamazwe ahlanganisa iAfrika lonke. Nazoke nezizwe zapeshaya eseziwabusa. Futi amagama awo sekungawokuqanjwa yibo abelungu. Izizwe ngezizwe zendhu kaHamu sezipansi kwabo abelungu kuzo zonke lezindawo.

**AMAGAMA AMAZWE ONKE ASE AFRIKA NEZIZWE
EZWABUSAYO, NALAWO AZIMELEYO NOKUTI EMI NGAPI
NEAFRIKA**

Amagama amazwe.	Abawabusayo.	Lapo Engakona kweAfr.
Morocco	Liyazibusela	(a)
Algeria	AmaFulentshi	Asenhlala pansi kolwandle
Tunis	AmaFulentshi	<i>Mediterranean Sea.</i>
Tripoli	Amalaliana	
Egipita (Egypt)	AmaNgisi	
Sahara-ihlane	AmaFulentshi	
Senegambia	AmaFulentshi	
Gambia	AmaNgisi	
Sierra Leone	AmaNgisi	
Liberia	Liyazibusela	
Ivory Coast	AmaNgisi	
Slave Coast	AmaNgisi	
Ashant	AmaNgisi	
Dahomey	AmaFulentshi	
Yomba	AmaNgisi	
Nigeria	AmaNgisi	
Kamerun	AmaFulentshi	
French Congo	AmaFulentshi	
Belgian Congo	AmaBelgiana	
Loanda-Angola	AmaPutukezi	
Benguela	AmaPutukezi	
Damaraland	AmaNgisi	
Great Namaqualand	AmaNgisi	
Anglo-Egipita-Soudan	AmaNgisi	
Abyssinia..	Liyazibusela	
Gando	AmaNg. & Ful.	
Sokoto	AmaNgisi	
Borgu	AmaNgisi	
Ubangi-Baghirini	AmaFulentshi	
Uganda Protectorate	AmaNgisi	
Lourenco Marques	AmaPutukezi	
French Somaliland	AmaFulentshi	
British Somaliland	AmaNgisi	
Italian Somaliland	AmaFulentshi	
British East Africa	AmaNgisi	
Zanzibar	AmaNgisi	
Wadai	AmaFulentshi	
Madagascar	AmaFulentshi	
Rhodesia	AmaNgisi	
South West Africa	AmaNgisi	
Bechuanaland	AmaNgisi	
Basutoland	AmaNgisi	
Transvaal	AmaNgisi	
Orange Free State	AmaNgisi	
Natal-Zululand	AmaNgisi	
Cape Colony	AmaNgisi	

ISAHLUKO 16**Ukupela kwezilimi zaBantu baseAfrika**

Kuyinto yokuqala, nesobala, ukuba uhlolo lwabantu bemvelo yaseAfrika luzakupela, uma bepelelwa ulimi lwemvelo. Sekukona izizwe eziningi zabantu enhla, napakati, nalapa ezansi neAfrika ezingasalwazi neze ulimi lomdabu wakubo njengamaBushmen, namaHottentots, imindoyiyana yawo isikuluma isiBhunu. Futike, ezinye izizwe ezimnyama zibuye zilahle izilimi zazo ngempela, besezitata izilimi zezinye izindhlu zaseAfrika, njengamaBarotse, abeSutu, baseZambezi sebetata isiSutu esitiwa Sechuana, esilimi lwamaKololo. Kunjalo nale-enhla neAfrika, kubo abaseNubia, namaHausa. Kodwa mhlaumbe kungeonywana uma kunjalo; ngoba loko ku ukudukela ngasekaya kunokuba adukele-le pesheya. Kunjengoba kakutuniseki kakulu ukuba iNzule iganwe umSutu. Kodwa ukuganana nomlungu kukataza kakulu amehlo kuyo inzalo yabo, bese izingane zabo zixwayeka kubantu nakubelungu!

Izilimi ezintatu ezinkulu zaBantu baseAfrika

Izazi ziti, iAfrika linezilimi ezintatu ezinkulu okuti noma zahlukene zibe zizwakala ukuti zitungene, njengoba uZulu eti "bantu," umSutu eti "batho."

Nazike izilimi zaseAfrika:

1. Ulimi Iwabasenhla

- (a) Olwas'Egipita — Egyptian Languages — Luxubile manje.
- (b) OlwaseLibia — Berber Languages — Luxubile manje.
- (c) Olwas'Etopia — Kushitic Languages.

2. Ulimi Iwapakati

- (a) OlungasiZulu.
- (b) Olunga olwas'Egipita — Soudanic Languages
- (c) Oluyi "Nuba-Fula" inxube yamaNubia namaFula. Bati kuyo iNuba-Fula kuhlangene laba: Nuba, namaKoldaji nama-Tumale, namaKonjara, namaKwafi, namaMasai, namaBerta, nama-Kamamil, namaFunji, namaKreji, namaNyam-Nyam, namaMombuttu, nezinye.

Ulimi Iwasenzansi

- (a) IsiZulu sabakwaZulu ngoqobo, okuhlangene kuso isiXosa nesiSwazi, nesiShangane, nesiKarranga, okungati kuso kuxubene nesiNyembane nezinye.

(b) **IsiSutu** okuhlangene kuso isiSutu sakwaMshweshwe, nesakwaMabhalana, nesiBhili, nesiTshwana saseBechuanaland nezinye.

(c) **OlweziCwe**, eseluhlaNgene nesiLau, nesiXosa, nesiZulu. Nanka amazwi asuka eziCweni: "Quqa," "Qaqo," "Xoxa," "Caca," "Hxahxa," u"Qoqoqo," namanye. Ngapandhle kwalezi kukona ezininginingi. Kodwa zonke zisuka emtini munye u"Hamu," njengamagatsha emile emutini. Futi kunjalo naseEurope, naseAsia kwabendhlua kaJafete, noSemu, abafowabo kaHamu kuNowa. Kwananye amazwe lapa iAfrika, sekucume izilimi zapesheya isiNgisi, nesiBhunu, nesiJalimane, nesiFulentshi, nesiPutukezi, nesiTaliana, nesiSuluman, njengokubuswa kwalezondawo yizizwe zapesheya. Loku ukupela kwezilimi zabantu, kubangwa yizinto ezimbili:

1. Abantu abakabi nayo ingqondo yokwazisa uLIMI. Bacabanga ukuti ulimi yinto encane... Kanti kabazi ukuti uma kufa ulimi kulandele ukufa kwestizwe. Ngiyakumbula ukuti namaBhun' azabalaza kabi engavumi ukuba ulimi lwavo lugingwe ngamaNgisi. Kawakuvumanga loko noma esebole ifindo leNyonyana emaPasini, naseema Wovisi, naseziTeshini. Ngomuso kuzakufundiswa nesiBhunu nasezikoleni zabantu.

2. Futi abantu bavama ukulabatekela into efika nezizwe kube sengati umuntu upenduka inkosi etile. Ngiyazi pela ukuti nganxanye kuswelekile ukwazi isiNgisi noma isiBhunu, nezinye ngenxa yemisebenzi. Kepa uma sihlakanipile, singeduke ngaloko. Zikona nezinye izizwe ezimhlope ezifunda isiNgisi, nezinye izilimi ngenxa yayo imisebenzi emaNgisini. Kepa loko zikwenza wona umnqwazana wokutola isinkwa. Ulimi lwazo lugeinwa. Ulimi lulondolozwa emaBhukwini—kakulu okutiwa Dictionary, lapo ukona onke amazwi ngamanye, ngisho nangavami ukukulunywa—ayekulunywa ngokoko. Nakiti kuzakuba njalo uma sekuvele amadoda ahlakanipileyo, aqonde ukulondoloza isizwe nolimi lwaso. Into yokuqala nansi yokuba namhla nitole incwadi yomhlaba wakini.

ISAHLUKO 17

Ukufunwa kwendhlela eya ezweni lamaKula ngemikumbi

Ezweni lapesheya—Europe, kwakukona imibuso emikulu embili ngapanangapa kwezwe lakwaRoma—Italy. Omunye kuyo utiwa "Venike," nomunye utiwa "Geneva." Lemibuso yayinote kakulu ngemvundo—wealth—eyayitengwa le, kwamamangalahlw, ezweni lamaKula—India. Izwe laliguduzwa iminyakanyaka ngezinjomane—camels kuze kubuywe nyakana-kasazi, futi kuhanjwe ngezindleko ezinkulu. Kepake, noko leyomibuso yalupehla njalo uzwati lokuya kona eIndia—ngoba wawumkulu umnoto otatshwa kona,

kwazekwatike, nezinye izizwe zapesheya—Europe zabhekisa kona amehlo. Zaqlake nazo ukufuna amasu okuya eIndia; kepa kwafumaniseka ukuba indhlela eyakona, inde, iyasinda, kuciteka imali eningi. Kute ngokubhobokwa kobunyangwa bokuhamba ulwandhle ngemikumbi, kwasekucatshangwa ukuba indhlela yokuya eIndia ifunwe ngokudabula ulwandhle. Kwasekuma kona Ioko-ke. Isizwe esapisela kakulu kwakungesamaPutukezi: kwalandela, amaBhunu; kwasekuba ngamaNgisi. Kwati lapo lezizizwe ziti ziyaluza indhlela yokuya ezweni lamaKula, zetuka sezihlahlamelamany amazwe ezabe zingawazi nempela seloku okoko bawokoko babehlkana, "ensikeni"! Kute ngalonyaka 1486, amaPutukezi, asebona leli lakiti—South Africa. Kute ukuba ubukosi bawo bupele, kwalandela amaBhunu, okute ngalonyaka 1650, aqala ukwaka idlobha laseKipitawini—Capetown. Kute kusenjalo kwaseku persons of the Johanna sailors, indebted to them for help in time imikumbi ukuzifunela amany amazwe; kungaseyiko ukuti kusafunwa elase India kupela. Ngakoke iAfrika balingenela, yonk-indawo njengaloku seniwaponile amazwe ahlanganiša iAfrika nezizwe eseziwabusa.

ISAHLUKO 18

Ukuqabukana kwabantu nabelungu

Sonke, baki, siyabona ukuba kwaba yisimangaliso mzukwana umuntu ebona umlungu, nomlungu ebona umuntu! Siyezwa ukuti naseKoloni, kwabakona ukulwa namaPutukezi namaLau, futi kwabuye kwaliwa kakulu namaBhunu nezinhlobo zabantu azifumana lapo esengena pakati kwezwe. Kukona izimpi ezi8, amaBhunu azilwa nabaTembu, namaXosa, ezikatinj zaoSandili, inkosi yamaGaika, nabanye. Isizwe esingalwanga kakulu naBantu ngamaNgisi, kupela empini kaCetshwayo—eSandhlwane, 1879. AmaBhunu alicita kabi igazi laBantu lapa eAfrika! Seloku asuka eKoloni, ebalekela ukubuswa ngamaNgisi, ahamba ecoboza nje kuBantu. Kepa kutiwa ukupabukana kwaBantu namaNgisi, kuleli laseNatal, kwaba ngubuhlobo obukulu. Naku okushiwo yibo abelungu: (1) Kutiwa amaNgisi atile, afelwa umkumbi wawo ngase Dalagubhe, asedabula izwe ngezinyawo, eqonde eKoloni. Bawasiza kakulu abantu ezifundeni zonke lapo edhlula, kona bawatwalela izimpahla, bewapa nompako: "These Sailors set out to walk to Capetown and received great kindness from the Natal Natives, or Bantu-Kaffirs. They guided the Englishmen south, carried their baggage, and provided them with food on the way. Great civility and humanity was shown to the travellers by all the tribes whose territories they passed through, each tribe delivering their charge,

to others until the long and toilsome journey was accomplished. It is pleasant to remember that the first meeting of the Englishmen and the Kaffirs in Natal was marked by friendliness on both sides, and that the Nation which now rules these Natives was, in the persons of the Johanna sailors, indebted to them for help in time of need". Kupike ukubonga kwabelungu sonke lesisicolo? Ingani sekubongwa amaBhunu ekade ebatuhxuza ngezibhamu kona izolo loku! Abelungu bavamisa ukuti umuntu omnyama kanahliziyo yokubonga (ingratitudo). Kulamazwike abawabhalileyo, babonga ngani? Babonga ngokusapuca izwe lawobaba, belinika amaBhunu asidaxabula ngezimvubu, esilalisa emakazeni sifele umcebo wavo wezihxabhu. Babonga ngokusenza izigqili zabo, namaKula, abawanika onke amalungelo ezweni lawobaba, tina besenza izigqili zokubambela imali, namalahle, nezokupeka, nokuwasha, nokwenza yonke imisebenzi yobupansi, ukuba sife sibashiye nezwe lawobaba!

(2) Kutiwa amaNgisi okuqala afikela ukwaka, ahambela kuShaka kuloyamuzi wake obupakati koTongati noMhlali "Shaka's Kraal," bapatwa kahle kakulu bapiwa nezwe laseTekwini. Nanka amazwi abo: "The great King of the Zulus was very gracious to the Englishmen. Fynn, Farewell and King visited him at his military kraal between Tongaat and Umhlali. He paid all respect to the trio and gave them and their followers full permission to settle at the Bay and trade as they pleased. He formerly ceded to them a tract of land extending 25 miles along the coast, including the Bay and 100 miles inland." Futike lesisicolo basibuyisela ngani? Uma singakuboni ukubonga kwabo, sizakuti baqambamanga, bakohlisa abantu ukuti amakosi akiti ayebanikile lelizwe. Lipi itshe abamkumbula ngalo uShaka, owaqala ukubenzela inhlahla yokubapa lelizwe? Ingani nampa oBotha bebamisela amatshe, izita zabo zeminyaka, owababulala kwaba zigingqane eTaleni? Kasiko isizwe esinobandhlululo lwasikumba njengabelungu! Nokukolwa loku, sikolwa ngoba uJesu wati, "Ningenzi njengemisebenzi yabo." (Mat. 23:3.)

ISAHLUKO 19

Ukwaka kwaBantu basezansi neAfrika — South Africa

Sengike ngakomba ukuma kwabesenhla nabapakati neAfrika. Kaloku akengikombe ngabalapa ezansi, abanye esihlala nabo. Kumbulani-ke bakiti ukuti nami ngiyazama nje. Kangisiyena uMvelinqangi. Ngihambe ngicosha yon' indawo, ukuze nati sibonabone njengezizwe zonke. Kubi nokuba kusale sekubamnyama nje. Zonke izizwe zinamaBhuku akanyisayo ukuti zasukapi, nokuti ziayapi. Nati, tina Bantu balapa ezansi neAfrika, siyinhlanga-

nisela yezizwe ngezizwe, ezimnyama ezikuluma izilimilimi, njengazo zonke izizwe—kodwa noko siyindhlu kaHamu sonke. Kungati izwe elisuka elwandhle eKoloni, lize liposeke enhla empukumpuqwini yezwe lesihlabati esitiwa, "Kalahari Desert," lalakiwe iziCwe-aBatwa, namaLau (Bushmen and Hottentots); nempela-ke kute amaPutukezi namaBhunu efika, babeligcwele lonke. Sonke siayizwa indaba yeziCwe. Bati obaba zazihlala emigodini, nasemigedeni, nasezidulini. Kungati akuyibo abantu lesisizwe. Futi kutiwa babengalimi, kodwa bepila ngokuzingela. Futi-ke bazimbashelana ezikawula ngasetangeni lomuntu. Loluhlobo okutiwa ngamaLau nalo lungokunye nje, lumonqozeke-lwamonqozeka. Amakanda yimigqwelane ngoqobo. Zombili lezizinhlobo zikuluma ulimi olungaqondwa, kuvame u"Q", no "X". Pakati kwalezizizwe kukona amaGrikwa (abati amaHiliqwa). Loluhlobo lunensobi yobulungu, okuyigazi lamaBhunu. Negama likaKoko walo likomba iBhunu—Adam Kok. Kako owaziyo ukuti kwati kupi kwakupi! Kodwa noko silulinganisa nabakaHamu, ngoba kakubonakali ntuba yokuti Iwavela kanjani kubelungu. Kunjengales' isibongo esika-Zulu esitiwa "Afrikander". Kungukuma kwamaBhunu loko. Kusuka lapoke kuza nganeno eMzimkulu, kungaBantu—amaXoza akwaHintsa, nezinye izinhlobo zaBantu ezazehle ngapa eNyakato. Kulo lonke elisuka lapo kuye kuhlahleleke pezulu, enhla nomfulakazi iSangqu, lalakiwe izizwe ezikuluma ulimi lwabeSutu. Kusuka lapo, kuqonde elwandhle, empumalanga; kubuye kusingele "emacibini ezindhlovu," apakati neAfrika, ngapambi kweSangqu, kwa-kwake izizwe zaBantu abaluhlobo IwamaTonga, nabaTshweki, naba-Tshopi, namaNyembane, namaNhenga. Kulelike elisuka eNtalafisani lihangene nelakwaZulu, kwakuyizizwe ezitekelayo, amaSwazi namaHlube, nezizwe ngezizwe ezitiwa amaLala. Kungati ngesikati sikaShaka, imvama yezizwe ezitekelayo zahlangana zabaleka kwa-Zulu, zeza ngasesiLungwini—Natal, zase zaka izindawo eziningi kusuka oTukela, kuya eMzimkulu. Kepa kungati futi ezinye izizwe zakwaZulu, zati ukuba zibaleke ziwele uTukela, zase zifunda ukukuluma ngokutekela njengaloku sibona amaBhaca, kaNcapayi, kanti ngabantu basuka lapa kwaZulu, aoNgoye, lapo bafunda kona ukudhla inyama luhlaza, besaba ukushunqisa ngenxa yempi kaShaka.

ISAHLUKO 20

Ukwaka kwezifunda zakwaZulu

Isizwe sakwaZulu ngoqobo, sikaSenzangakona kaJama, sasake pakati kwenhlangano yeMfolozi emnyama nemhlope. Amanxulumu

emizi yamakosi, angasemifulaneni emincane engena eMfolozi emhlope. Amagama aleyo mifulana uMkumbane, neNzolo. Abakwa-Zungu, babake ngasekungeneni koTukela elwandhle. Buqamamana nabo, kuya ngasoNgoye, kunguQwabe kaPakatwayo. Ngapambili kwalabo ngapesheya koMhlatuze, kungamaNgadi. Mabekelana nolwandhle, pakati koMhlatuze neMfolozi, kuyisifundakazi sakwa-Mtetwa, sikaDINGISWAYO, kanye negatsha laso uMkwanzasi ka-Somkele, namaNewango, namaMfekane nabakwaMsane, kuze kushaye ngapesheya kweHluhluwe noMkuze. Naseduze noMkwanzasi, ngaseCwebeni — St. Lucia — kungamaNcube. NgakwaHlabisa, kungabaseMdhetsheni. Enhla noMhlatuze, ngaseMalimed, kungabaseLangeni, bakaBhebhe, uyisemkulu kaNandi, unina ka-Shaka; kanye noMagwaza ngasemitini-mide. AbakwaNtuli babake ngaseMpapala, nanamhla basekona, bapetwe uMfungelwa Ntuli. Pambili ngaseNkandha, kungabakwaMbuisa, nabakwaMavundha, nabakwaMnomiya. Ngasenhlanganweni yoTukela neNsuze, kungamaLala akwaNgongoma; ngapa kwavo mayelana nokwenyusa uTukela, kungabaseMbo, noMdhlahose. AbasemaMbateni, babake-Nhlazatshe. Ngasenyakata yasempumalanga kwamaMbata, pakati kukaNtabankulu namapetelo asenhla eMfolozi emhlope, kungama-Ngwane kaMatiwane, acitwa uShaka ngo1812. Ngasempumalanga pesheya kweNcome, pakati kwesamaNgwane neNyukasela, beku-ngaTembu bakaNgoza. Ngasenhla noMzinyati, kuisifundakazi samaHlube, akuluma njengamaSwazi; lesisifunda sasipetwe ngo-Mtimku, noMpangazita, nabanye. Ngezansi, kwamaMbata pakati kweBabanango, neMfolozi eMhlope, kunguButelezi. Kusuka lapo kuza ngasoTukela, pakati kweNkandha neQudeni, kungamaCunu kaMacingwane. Ngapesheya kweMfolozi emnyama, kusuka eNgo-me, kubekelane noPongolo, kusinge olwandhle, kwakuyisifundakazi sikaZwide, sakwaNdwandwe, esifumbete uKumalo (amaNtungwa). Kanti-ke yonke lendawo engapakati kweziMfolozi zombili, epakati kukaNdwandwe noButelezi, yayakiwe zifunjana ezincane zakwa-Zulu, lapo kwavuka kona amandhla, nesitunzi negama eliykwaziwa njalo eziweni zaBantu ngoShaka, owaZicita zonke lezizizwe esezi-baliwe; nangoDingana kuwo amaBhunu njengoba kukona nosuku olutiwa, "Dingana's Day" — 16th December; nakuwo amaNgisi ngoCetshwayo, ovalwa nawo eSandhlwane ngo January 22, 1879, lapo izikulu ezimhlope nezimnyama zilele ubutongo bokugcina kona!

ISAHLUKO 21

Ukwaka kwezifunda zasesiLungwini

Leli-ke, lasesiLungwini, lalivame ukwakiwa zifunda ezikulumu ngokutekela njengamaHlube namaSwazi, ezitiwa ngamaLala. AbakwaCele, bakaDibandhle, kutiwa babake ngasekungeneni

kóMvoti elwandhle. AbasemaNgangeni babake enhlanganweni yoMvoti ne Hlimbitwa. Amatuli kaMnini, ayake lapa eduze kolwandhle; kusuka eMngeni kuya eMkomazi. AbakwaZondi babe-qaqele iNadi. AbakwaNgcolosi bake ngakwa Ntunjambili. Ama-Nyuswa, efumbete amaFuze, namaQadi, nezinye izizwe, ayeliqede lonke elisenhla noMvoti, kuze kuti ngeci, emtonjeni wawo. Ama-Wushe, okutiwa ngamaBhaca, ayelitembo lonke elisuka eTawini, kuya eKulufo—Maritzburg-Karkloof. Pakati koMtshezi noTukela, kwakwake, amaKuze, nabazukulwane babo iNhlangwini, bebuswa uNgonyama. AbakwaMapumulo babelake lonke leli elipakati kwe-Hlimbitwa noTukela. Izifunjana-ke ezingenakubalwa zazite—shaye, kusuka oKahlambeni kuze kufike elwandhle; kwaze kwaba yilesosikati izizwe ezimnyama zalelizwe ezadunyelwa ngaso yizulu lingenufu, lapo uShaba, olunguShaka, Iwávuka ehlungwini-njengesikwishi sikaNhloyile, Iwadumela izwe ngomkonto — izizwe ezininki zanyamalala elangabini njengesikota sotshani! Kasazanje, ukuba kwakuyini loko! Loku isifunda sakwaZulu sasisincane. Kepa kwavela ipinyapinya elinguShaka, lavusa umlilo obala, owagwinya zonke izizwe, ngisho noNdwandwe, noButelezi, nama-Cunu, namaHlube, namaNgwane, izinkumbula zezifunda! Izwe laba libi ngesikati sikaShaka. Kwavela imikuba yokudhla izinja nabantu. Kuyabonakala ukuti nabantu bake basebemessa, kakulu ngoba wadumela nezizwe ababekade behlalisene kahle nazo oyise noyisemkulu. Futi ezinye kwakuyizindhu zomlibo wokuzalana oqondakala kahle.

ISAHLUKO 22

Indhu yakwaZulu

BAKITI, lomuntu owayetiwa uZulu, kwakungumuntu omkulu. Loku kubonakala nangokuba imvama yezizwe ezimnyama zalapa eAfrika (kakulu eSouth Africa) zihlanganiswa ngokuti: "uZULU." , Okoko, bakulondoloza kakulu ukuti lowomuntu otwa "uZulu," wayezalwa nguMALANDELA. Lamagama amabili aqame kakulu kunawo onke amagama amakosi akwaZulu, avela ngapambili nangasemuva kwabo. Kasazike ukuti kwabangwa yini. Kukona indatshana yokuti lezizibongo ezibili, uZulu no-Qwabe, zaqambeka ngamagama amadodana enkosi "uMalandela." Kwasuka ngombango wezinkomo ezimhlope, okwapambana ngazo uMalandela nomkake uNOZIDIYA, omunye etanda ukuba kuge ngezika Zulu, nomunye etanda ukuba zabelwe uQwabe. Kungati omncane, kwakunguye uZulu lo, okunguyena unina abemcelela "inyon'ehmlope"—izinkomo ezimhlope. Kwamtukutelisake umne-

wabo loko kwasekukishwa induna yenkosi, uMpungose ukuba asaleseba yinduna yoMntwana wenkosi-uZulu. Po-ke, bonke abantu abapetele ngakuZulu, kwasekuba: "AbakwaZulu," nalabo abangaku-Qwabe, kwaba "AbakwaQwabe."

ISAHLUKO 23

Umlibo wokulandelana kwamakosi akwaZulu

Bakiti kukona isikala esikulu zonk'izizwe sokungaqondakali komlibo wokulandelana kwenkaba yamakosi azo, kusuka kuwo amadodana kaNowa, oSemu, noHamu, noJafete. Okukumbulekayo kuyingcosana nje. Kutiwa: ukoko wendhlus emnyama, uHamu, wazala oKushe, noMizrami, noFuti, noKenani. Kakuqondakali-ke kahle ukuba izizukulwane zikaMalandela, zadabuka kuyipi indhlus yamadodana kaHamu, oKushe, noMizrami, noFuti, okuyibona abehla noyise, emuva kokuciteka kwezizwe "ensikeni." Kungati tina'ndhlus kaMalandela sidabuka kuKushe, noma kuMizrami, okuyibona babelwa nguyise izwe las'Egipita, njengoba lelozwe labizwa futi ngokuti, "Izwe likaMizrami." Kutiwa nanamhla, abaseAsia amaSulumanne, basalibiza kanjalo elas'Egipita, ngoba balifumana lakiwe ngabantu okutiwa, badabuka kuMizrami. Kuyo incwadi yeNkosi, sifumana ukuti lelozwe lake labuswa yinkosi uShaka; (I. Amak. 11:40). Impela, igama laleyonkosi lifana nelikaShaka, inkosi yakiti. Izibongo zikaShaka kazisho ukuti "uShaka kashayeki"; kodwa ziti, "IsiShaka kasishayeki, uDhlungwana waseMbelebeleni, uNodumehlezi kaMenzi, isixokolo kungati ngamatshe ase-Nkanhla, okucasha kuwo izindhlovu uma izulu lipendule, &c. Futi indodana kaMpande inkosi yakwaZulu kwakunguHamu, njengaye ukoko wabaseAfrika, uHamu kaNoa. Nanku-ke umlibo wohlanga Iwamakosi, osakumbulekayo: uMalandela, uZulu, uMageba, uPunga, uNdaba, uJama, uSenzangakona, uShaka, uDingana, uMpande, uCetshwayo, uDinuzulu, uSolomona. Abanye bati uMalandela uzalwa nguMnguni. Futi abanye bati uZulu ulandela uNtombela, besekuti yena alandelwe nguNkosinkulu. Bati kuhamba kanje: uMnguni, uMalandela, uNtombela, uZulu, uNkosinkulu, uMageba, uPunga, uNdaba, uJama, uSenzangakona, uShaka, uDingana, uMpande, uCetshwayo, uDinuzulu, uSolomona. Ngapandhle kwalamakosi, kukona ezinye izindhlu ezinkulu zesizukulwane sika Malandela — njengendhlus yakwaQwabe. Indhlus yakwaQwabe inezikala ezitatu ukuti kukona amakosi amatatu angaqondakali. Kumi kanje: uQwabe, noSibaniBani, noSibaniBani, noSibaniBani, noKondhlo, noPakatwayo, noSobhana, noNjakaba nabanye. Futi kuJama kudabuka indhlus yakwaZibhebhу. Kuhamba kanje: uSojiyisa, uMapita, uZibhebhу, uKonela, nabanye. Kukona futi

indhlus yakwaMtetwa. Amakosi ayo alandela kanje: uSimama-nawengwe, uXaba, uMadango, uMkali, noJobe, uDingiswayo, uNdabayake, uMafiti nabanye.

ISAHLUKO 24

Amanxuluma amakosi akwaZulu

Bakiti, ngingebe namandha okubala onke amanxuluma amakosi ayeqede umhlaba wakwaZulu. Kodwa ngizakuzama ukubala atile. Indawo enkuIu yobukosi bakwaZulu kwakuseMahlabatini, ngapesheya, nanganeno kweMfolozi emhlope. Amanxiwa emizi yobukosi aseduze kwemifudhlana emitatu: Umkumbana, neNzololo, neNtuzuma. Ngapandhle kwamaNxuluma akuleyondawo, amanye ayekona ezindaweni ezitile nezitile pakati kwezwe. Kulemizi engizakuyibala, ngizakuxuba neyamakosi angesiwo akwaZulu nge-sibongo nangenduku yobukosi. Bakiti, tina bantu banamhla kasi-sacondi luto ngobukosi obabukona ohlangeni Iwakiti. Kutiwa abadala bakala izinyembezi uma bedhlus kuzo iziza okwakwake kuzo imizi yamakosi. Kwezinye kusacwazimula pansi lapo kwa-kugudhlwa kona ngesinqumela samafuta ezinkabi — "unwali." Nankake amanxuluma amakosi: uNobamba, uNdi, aMahlabati, eSihxebheni, uNodwengu, uGqikazi, uMgungundhlovu, oKandempuvu, uMbonambi, uGingindhlovu, uLandandhlovu, uBulawayo, eBaqulusini, uWambaza, iBhanganomo, eNguga, eMbelebeleni, uDukuza, Ekushumayeleni, uKangelamankengane (abelungu bati Congella), eNkungwini, eMlambongwenya, Ezinhlendhleni, Emakeni, uMdumezulu, eMahashini, kwaNdhangubo, Ensukazi, eNgonyameni, Ekubhazeni, kwaNyakamubi, Ekuvuneni, neminye.

Umuzi wakwaNobamba useduze kwendawo etiwa, "Emakosini" lapo kumbelwa kona onke amakosi, alandelana ngokupata induku yobukosi, bokubusa indhlus kaMalandela. Kungumteto, nesimiso sakwaZulu ukuba onke amakosi abekwe kuleyondawo, njengaloku kwakuyisimiso Egipita ukubeka amakosi "eThebes"; nanjengaloku kwakunjalo futi kubaIsraeli ukuwabeka "eMakapela". (Gen.23:19; 25:9; 49:30; 50:13; Jos. 24:32.) Nanjengaloku kunjalo nakuma-Ngisi, endaweni etiwa, "Westminster Abbey." Kodwa-ke kukona amakosi amatatu angambelwanga "Emakosini" — nanka, uShaka, wambelwa lapa kwaDukuza ngo 1828; noDingana kaziwa kahle, kungati kungase Swazini, ngo 1840; noCetshwayo wambelwa eNkandhla ngo 1884; futi-ke uMpande, ungakwaNodwengu (noma kambe ekulo eloselwa Iwamakosi), 1872. Kutiwa "Emakosini," kukona uMalandela, noZulu, noMageba, noPunga, noNdaba, noJama, noSenzangakona, noDinuzulu, obekwe kona ngo 1913. Kuyinhlonipo yakwaZulu ukuba nxa umuntu edhlula "Emakosini", kadondolozeli ngenduku, uyifaka ekwapeni, ahambe ngokutobeka.

Umuzi wasoNdini, unezigigaba ezibili ekubuseni kukaCetshwayo. Ngo 1879, washiswa ngabelungu emva kwempi yase-Sandhlwane. Futi ngo 1883, washiswa yimpi kaZibhebh (uMandhlakazi), eyavimbezela kungaziwa, yaqeda zonke izikulu zohlanga lwakwaZulu, bonake bonke abantu begcwele, kuzobonwa yona inkosi, uCetshwayo, ibuya peshey, seloku yayitatwe ngabelungu ngo 1879. Kulempi kaZibhebh inkosi yakutshazwa, okwaiyibangela ukuba ibe yiloku idunguzela, yaze yemuka ngo 1884.

Umuzi waseBaqulusini, uyiabelo senkosazana kaJama, uMnabayi, owake wapata induku yobukosi kwaZulu; emva kokufa kukayise, engakaqini umnewabo uSenzangakona. Lenkosazana kungati yafa yambelwa eduze kwenxiwa lakwa Gqikazi, kwelase Mahlabatini, emuzini otia "Enkovini."

IBhanganomo, ngumuzi kaZibhebh, useduze kwezintaba zaso-Bonjeni, lapo kudabula kona uMkuze uya elwandhle. Lomuzi yilonanxuluma lobukosi bukaMandhlakazi. Omunye umuzi ka-Zibhebh kuseNkungwini.

Imizi kaMnyamana yile: **Ekushumayeleni naseNsukazi**, neminye.

UDukuza, ngumuzi wamabuto kaShaka, kwelaseSilungwini, njengobulawayo, kwelakwaZulu. UShaka umbelwe kuwo lomuzi (bheka kuNobamba).

UMgungundhlovu, kwakungumuzi kaDingana; kulapo abulalela kona amaBhunu, ngo 1838.

UKangelamankengane, ngokaShaka, nanku eTekwini, lapo abelungu beti Congella.

UWambaza, ngowakwaQwabe, lapo kwakuhlala uGendeyana, okute ukuba kufe uSenzangakona, uNandi, unina kaShaka, wagana kuye wazala uNgwadi.

ENgunga, ngowaseLangeni, ngokaMbhengi, uyise kaNandi, unina kaShaka.

UMdumezulu, ngokaMpande, owabelwa uNomantshali, unina kaMtonga, noMgidhlanu, noPoyiyana. Lomuzi ubude buduze noNodwengu, ikulumbe lenkosi uMpande.

UKandempewu, noLandandhlovu, noMbonambi, yimizi yamabuto enkosi abiwa ngayo futi (bheka kuwo amabuto).

UGingindhlovu, kwakungumuzi wamabuto enkosi uCetshwayo. Lomuzi ungezansi kwas'Eshowe.

UMLlambongwenya, kuyinxuluma lapo inkosi uCetshwayo yabelwa kona umqeles wobukosi, isibekwa ngamaNgisi, ngo 1873, ngu Mr. Shepstone (uSomtseu), emva kukaMpande, owabekwa ngama-Bhunu ngo 1840. KunguCetshwayo kupela owake wabekwa ekanda ngabelungu umqeles, nengubo yokuti "King."

Inxuluma laseSihxebheni, nelakwaGqikazi, kwakuyimizi yokubusela amakosi.

Ngingekuqede konke, bakiti, ngoba imizi yamakosi yayiminingi. Futi emjnye yabuye yama ngokunye njengokudedelana kwamakosi ekubuseni.

ISAHLUKO 25

Amabuto akwaZulu

Nanka amabuto amakosi akwaZulu, kusuka kuShaka kuya kuDinuzulu, &c. Kepake inkosi edume kakulu nguMpande, oqame kakulu nangokufungwa. Ungase ulizwe ikehla liti, "Mpande-ke kona," mhlauumbe lifunge unina liti, "Songiya." Kepa bakiti, kako ongalandelisa kahle ukwelamana kwawo neminyaka azalwa ngayo; kodwa kuyazanywa nje:

1. Undabakawombe	1812
2. Ingwegwe	1815
3. Amawombe (udhlambedhlu)	1818
4. Umdhlenevu (wakaNgceka, izimvubezimakala)	1821
5. Izimpohlo (okutiwa izimpohlo zikaDingana)	1824
6. Amashishi	1827
7. Izingulube (amashishi?)	1830
8. Amapela	1833
9. Isangqu (unongamlana)	1836
10. Umsikaba (izinkonkonki)	1839
11. Utulwana (intanga kaCetshwayo) — Amamboza	1842
12. Indhlyengwe	1845
13. Indhlondhlo — "Ndhlondhlo bashise"	1848
14. Umzwangwenya	1851
15. Udududu	1854
16. Udhloko	1857
17. Umxapo	1860
18. Umpunga (okutiwa umpunga ongofiyi)	1862
19. Umbonambi (ubheula, inkonyan' ebomvu)	1864
20. Unokenke (uZulu ekenkesile)	1866
21. Ukandempewu (umciyo, onqakamatshezulu)	1868
22. Ingobamakosi (onobhongo wezulu)	1870
23. Uve (ulandandhlovu, izinyoni ezibomvu)	1872
24. Ufalaza (amafalezulu-umsizi wesibhamu)	1874
25. Imbokod' ebomvu (intanga kaDinuzulu)	1876
26. Ufelapakati (ingubo kakundhlase)	1878
27. Uhaylwengwenya (udakwakusuta)	1880
28. Umavalana	1882
29. Uvukayibambe	1884
30. Intabengenaliba	1886
31. Inqabayokucasha	1888

Nanko-ke, amabuto okwakuyiwona masotsha akwaZulu. Amanye ayeqanjwa ngemizi ayeahlala kuyo. Kokunye kube sengati ibuto lilinye linamagama amabili; kanti elinye ngelomuzi lapo ku-hlala lelobuto — njengo Kandempevu — uMcijo; nanjengo Landandhlovu — uVe; noMbonambi — inkonyanebomvu.

Amabuto ezintombi

Ngapandhle kwamabuto esilisa, kwakukona amabuto ezintombi, abehlala angagani uma kungamemezeli inkosi. Ukumemezela kwenkosi kwakubizwa ngokuti, "ukujuba." Ngako ke ayeahlala ukuba ajutshwe yiyo inkosi. Isimemezelo sokuqala kwaku ukukehlia izinhloko; njengoba namabuto esilisa ayenqunyelwa isikati sokukehla "ungiyane" — okubizwa ngokuti "ukutunga." Uma inkosi isitanda ibimemezela ukuti ibuto elitle lezintombi, kaligane ebutweni elitle lesilisa. Bala-ke lonke lelobuto lezintombi ligane ngokushesha. Indaba yokulobola ibilungiswa muva. Kulotsholwe ngaloko nje umyeni angaba nako, noma kuba inkomo, noma isikumba noma igeja, noma kuze kutatwe ingane. Bonake abanye bezibangena ngambil nangantatu uma sezijutshiwe! Kwakuba njengomkosi omangalisayo.

Nanka amanye amabuto ezintombi zakwaZulu: Ingecosh, neNkehlela, neKwani, noMvutwamini, noTiyane, noGudhludonga, ne-Sitimane, neNgcugce, namanye. UGudhludonga, wajutshelwa "iSangqu"; iSitimane sajutshelwa "uTulwane" — amaMbozo; iNgcugce yajutshelwa "iNdhlonhlo," noDhloko, ngoba lamabuto ayengakaganwa, kanti seku zimpunga ezindala eziminyaka e40 noma 50. Kepa izintombi zeNgcugce zenza into engazange yensiwe izintombi kwaZulu. INgcugce yenqaba ukugana amaxegu; kwaba lukuni ukuba ilahle amasoka ayo ngenxa yamaxegu. Kepa-ke, mamo! Yenzakala indaba kumfo kaMpande uCetshwayo. Wayipaka impi yazigwaza lonke 'izwe! Kwatiwa mazingambelwa nakumbelwa, izidumbu zazo zilahlwe ezindhleleni! Zazigangile impela lezontombi ngoba zaziqonda ukuba umbuso wakubo kaunako ukuzinika intando yazo. Impela, uke angioxole uMame kube yisimangaliso. Bonake loku uyiNgcugce! Wabaleka waze waziposa empungeni endala, "uMdhlenevu!" Apela amankemfu! Isimemezelo senkosi sasingavumi ukuba izintombi ezi-jutshelwe ibuto elitle zihlale amasoka azo. Zaziwalhla ngaso lesosikati! Futi bezingavunyelwa ukugana ebutweni elingakavunyelwa ukuganwa. Zazingavunyelwa futi ukugana abangemuva kwebuto ezi-jutshelwe lona. Kodwake bezingenqatshelwa ukugana kwabebuto elelanywa yilelo okutiwa kazigane kulo, ngoba lona selajutshwa, futi lidala. INgcugce yenqaba ngoba iseizingane kakulu kuneNdhlondhlo no-Dhloko. Kodwa umteto wenkosi wawufanele ugeinwe! Futi lezintombi zadelela kabi, ngokubhingga ibuto lenkosi ngesiga esiti,

"Uewana olungalingani nasentanyeni!" Zikomba ukuti seku yimidekelele yamaxegu, kawasasingene, mntwana! Bonake nawe amaqashagqasha ezintombi zakwaZulu.

Amasiko aBantu

Ukuti: "AMASIKO," kuqonda imikuba emihle noma emibi yeziwe ngezizwe okungati zadabuka nayo ohlangeni lwazo. Kuzo zonke izizwe kukona amasiko atile natile. Amanye asayekwa amanye asasetshenziswa. Amanye amasiko asetshenziswa ngabantu, akombisa ukuba sawatata kwezinye izizwe, esake sahlala nazo ngapambili, nangasemuva kweNsika.

1. **Ukubhinca** (noma kwalupi uhlobo): ku umkuba owatatwa ku Adam noEva (Gen. 3:7). Kute ukuba izizwe zehlukane, kwaba yilabo bazifundela ukubhinca loku naloku — njengabelungu, nama-Sulmane, naBantu.

2. **Ukukehla "Isicoco,"** noma "Inhloko." Lomkuba unjenegsiko lokugeotshwa komuntu obekwa esikundhleni esikulu. KwaZulu kwakuyisimemezelo senkosi (King) ukuba ibuto elitle, lesilisa, noma lezintombi likehle. Ngaloko-ke, kubonakale ukuti selinikwa isitunzi (authority) sokulungela ukwaka imizi, ukuti selizakujutshwa, liganane. Kangazike ukuti waqala nini lomkuba; noma kuShaka (uma pela becabanga abanye). Kodwa kungati kupambili kakulu uma ngibuka.

3. **Ukusoka.** Lomkuba usavamile kubeSutu namaXoza. Kungati ziningi izizwe ezimnyama ezazihamba ngawo. Kute ukuba ziwlahle zangena eminye eyencikene kakulu nawo — njengoku-hxahxa, kuvame kwabakwaZulu; nokunquma umunwe, okwenziwa ngamaBomvu; nokudweba, ematangeni, nasemzimbeni, nasebusweni. Kungati kulomkuba kuxubene nokwenza kwamaKula nabalsIsraeli ngesikati sokubumba kwabo "inkonyana yegolide," ngamasongo ayefakwa njengoba abantu befaka iziqaza, neziviliba. Maqondana nokusoka, incwadi yeNkosi ikomba ukuba kwamiswa uNkulunkulu njengom'bhabhatiso kuAbraham. (Gen.17:10.)

4. **Ukuqakuzana** ku umkuba wamaGreki namaRoma, owangena eAfrika ngokubusa kwawo eKurene naseKatako. Uma ngiti "ukuqakuzana," kangisho kona okwabafana ekwaluseni nje, kodwa ngisho loko okwakwenziwa ngamabuto ngemikosi, ngokulwa okwesabekayo, nokwesibindi esibi, kuze kufe nabantu kube sengati sekuyimpi ngoqobo! Kutiwa amaGreki ayeysisizwe sempi ngoqobo; kakulu uhlobo olutiwa "Spartans," ebeluyilahla ingane engaqine kahle, beti funa kwande uhlobo olungenamandhla. "Ukuqakuzana" okwesabekayo kwaRoma, kwaqala ngo 72 esezelwe uJesu; ngenkati yenkosi uVespasia, owaka isibayakazi esitiwa "Colosseum," lapo kwakweqatwa iziguqa (gladiators) zipihlizane ngamawisa, zigwebelane ngemikonto, zidumele izinkunzi ezihlabayu ngezandhla, zi-

dumelane nezingonyama. Les'isibindi ekade sikona kwaZulu sesuka lapo. Lowo mkuba wakwaRoma wanda emakosini amaningi, okwati lapo sekungene ukukolwa izinkulungwane zamaKolwa isilisa nesifazane zaposwa kona kuleso "siwasamanqe." Kwakungamakolwa ngogobo abeyivuma iNkosi esemi pambi kwaleso sibaya sezimpisi ezomele igazi, ezingashiyi luto eselute—kasha kona.

5. **Ukubhula**, ku umkuba okufumaniseka uvamile nanamhla kubelungu namaKula nezinye izizwe. Izangoma zabo zitiwa "Professors." Abanye babhula nge "Graphology"—ukuti ukufunda okulotshwe ngomunye; nange "Phrenology"—ukubhula ngokubuka ukubumbeka kwekanda nobuso bomuntu; nange "Cheiromancy" ukubhula ngemidwa esesandhleni; nezinye-ke izindhlela. Endulo ukubhula kwakuvame kwabaseBabulona, nakuso isizwe esasibusa elas'Egipita, ngesikati sobugqili babaIsraeli. Izangoma zabo zatiwa "Magicians," "Astrologers" and "Sorcerers." Loko-ke, kuyinhlanganisela yababhula ngemilingo, enjengokubhula ngamatambo, nomhlanga; kanye nababhula ngokubuka izinkanyezi. (Gen.41:8; Dan. 2:2.)

6. **Ukuteta amadhlozi**. Lomkuba ukona kuyo inewadi yeNkosi ngendaba yesifo sezinyoka, ezatunywa uNkulunkulu ukulimaza abamsolayo ehlane! Kwatiwa, umfundisi, uMosi, kagxumeke isigxobo atandele pezulu kuso inyoka, ukuze olimeleyo ayibuke njengesihlungu esikotwa umuntu uma ehlathshwe ngameva. Kungati savela isiduko sokuti umuntu upenduka idhlozi. Kepa kuyisimanngaliso ngoba isibiba senziwa ngayo imiqoto exutshwe nezinyoka! (Imib. 21:6, 7, 8.)

7. **Isivivane**. Lomkuba ucisho uhlangane nemikuba yaba-Israeli, eyayenzelwa ukuzikumbuza ngaloko okuhle uNkulunkulu akwenzileyo. Nakuya-ke, uJakobe eya eakanina, okute mhla elele endhleleni wapupa kahle kakulu, ebona izitunywa zikaNkulunkulu pezukwake, ezwa neNkosi iti izakumupa lelozwe. Nangoke, eti, ukuba avuke enza iqoqwana lesivivane ebhala kuso amazwi ati: "BETELI", eqonde ukuti: uma bala uNkulunkulu ekwenzile loko, ngombonga ngokumakela indhu. (Gen. 28:10-22 I. Samuel 7:12.)

8. **Ukwelapa**. Lomkuba, ukona ezizweni eziningi ufana nomkuba owati uNkulunkulu kawenziwe uMosi emanzini ababayoseMara. (Eks. 15:23-25.) Kako ongapika isipo sokwelapa. NomPostoli, uPaulus usibalala kanye nezipo ngezipo ezipiwa abantu uMoya kaNkulunkulu. (I. Kor. 12:7, 8, 9.)

9. **Unomdede**. Lomkuba, kwaku umkosi wenkosazana "uNomkubulwana," owenziwa kanye ngonyaka ngenkati yokulima amabele, wenziwe ngamantonbazana ngokwalusa izinkomo, amantmbazana abhince imitsha yabafana, apate nezinduku zabo, apuze utshwala ekwaluseni, adhlale imikuba yokugcwaneka; abesilisa bangayi kona. Kasazike ukuba leNkosazana, uNomkubulwana, yazyaziwe kanjani kubantu. Babeti: "yiNkosazana yasezulwini."

Sengati leyondhlela yayiqamuve ngasenkolweni yamaRoma ngo-Maria, unina kaJesu, abati ngaye; Nkosikazi yasezulwini. Kutiwa wayengabonwa muntu uNomkubulwana. Kodwa omunye umfazi obeleteyo, ubetuka ebanenhlahla, afike kuye esesebini, akulume naye; besenyamalala njalo. UNomkubulwana wayekonzwa impela; ngoba noma kuvela umkuhlane, nendhlala, nokomisa kwezulu, bekukalwa kuye; imvula icelwe ngesu lokuba alinyelwe insimu endhle, ayakuzibonela yena ukuyihlakula nokuyivuna. Balake line izulu; nomkuhlane wedhlule, uma sekwenziwe umkosi wake lowo otiwa "Unomdede." Lomkuba uhlangene nalowo wokukalela izono obhalwe kulo iBaibele, lapo beketatwa impongo ilahlwe le, kude ehlane. (Lev. 16:21, 22.)

Bakiti, ngisakaula lapo, ngoba ngiqonde ukuyiqoqa lencwajana. Namhla ngisavula izikalha nje, uma uNkulunkulu evuma, futi nani ningisiza, yikona ngizakuziloba izincwadi ezizwakalayo. Kuningi ningi engisakushiyileyo. Ngizakubona ngemizamo yenu ukuti niyatanda ukuqubeka ekwazini njengezizwe zonke.

ISAHLUKO 26

Amakosi akwaZulu nokubusa kwavo

Kako, bakiti, ongasilandisa kahle konke ngamakosi akiti kusuka kuMalandela kuya kuJama ozala uSenzangakona. Zonke izindaba ezingabhalwanga zikohlakala masinyane. Kuningi futi okungasaziwa kusuka kuSenzangakona kuza kulesisikati. Okuningi kakusaqondwa. Naloko okusaqondwayo, sekuxubene kakulu nokuduka endhleleni eyiyo ngempela.

1. USenzangakona

Kungati lenkosi yakwaZulu yayikona pakati kwalemintyaka 1760-1810. USenzangakona kungati uyintanga kaPakatwayo, inkosi yakwaQwabe; noMkali, inkosi yakwaMtetwa, ezala uJobe. Ukubusa kukaSenzangakona kakukanyi kahle. Kungati wayebuse-lana noPungashe, inkosi yakwaButelezi; noMacingwane, inkosi yaseMacunwini; ebekuti ngezikati ezitile kubekona izimpana pakati kwabo; kodwa-ke, kubuye kuhlalismwane kahle nje, kungaciteki nagazi kakulu, futi kungashiswa namizi, kungapangwa nankomo, njengaloko okwenzeke kwamanye amakosi ngasemuva.

Amakosikazi kaSenzangakona

Lenkosi yakwaZulu yayiwuzele umuzi wakwaZulu, kodwake umndeni wayo wabulalana wodwa ubanga ubukosi — kakulu

uDingana, nomntwana womfowabo, uCetshwayo. Kodwa-ke, ku-Cetshwayo kwenza yona inkosi uMpande, ingabehlukaniseli kahle abantwana ekubekeni. Nanka amakosikazi kaSenzangakona na-bantwana bawo:

- (a) UFudukazi, wakwaCele, owazala inkosazana, uMzinhlanga.
- (b) UMPikase, unina kaDingana, owangenisa kwaFudukazi, inkosikazi, ngoba ingatolanga umfana. Lenkosikazi izalwa eMaqungebeni (kwaNgobese?)
- (c) ULangazana, kaGubheshe waseManzimeleni. Lenkosikazi sengati yapila kade kakulu kunamanye amakosikazi kaSenzangakona. Yafa ngo 1882. Kepa yahlala ngosizi njalo ngoba abantabayo ababili nje, bafa eNcome, mhla. uZulu ecitwa ngama-Bhunu — 1838 (Dingaan's Day, 16th December).
- (d) UMzondwase, owazala uMahlangana, owahlanganisa icebo noDingana, lokubulala umfowabo, uShaka, kwaDukuza 1828.
- (e) UNandi, unina kaShaka, okungati wabulawa nguye uShaka ngokufihla ingane yomfana ezalwa yisincinzakazi sake, ngoba noma, wayengaganiwe yayingaputi induku ukushaya ehawini. Pela kutiwa uShaka wayezala ukasha izingane zabafana, eti funa zikule zimbangise ubukosi!
- (f) USongiya, unina kaMpande, ovame ukufungwa njengayo inkosi uMpande,
- (g) UMgulana.
- (h) UBibi.
- (i) UMangeengesa.
- (j) UMntuli.

2. UShaka

Kungati isikati sokubakona kukaShaka sipakati kwaleminyaka 1787-1828; okukomba ukuti kusukela kuko ukufa kwake, ngo 1828, kuza kulonyaka 1939, sekupele iminyaka e 111. UShaka, walandela uSenzangakona ekubuseni isizwe sakwaZulu. Ukubusa kwake kwa-qeda inkambo endala yamakosi ayebuse ngapambili kwake, kwa-qambeka inkambo entsha. Namhla tina bantu saziwa kakulu nge-gama lokuti: "uZULU." Leligama, lapakama laba nesitunzi, ngenkati kaShaka. Kute efa washiya izizwe zonke sezingu "Zulu." Kutiwa uShaka wahamba kubo kwaZulu, emzini kaSenzangakona, wahlala ekaya konina eLangeni. Kodwa wabuye wemukela kwa-Mtetwa kuDingiswayo. ELangeni waxabana nabalume bake eti, bamhlupa ngokumkangeza amasi ezandhleni. Kwaba sengati bayamedeleta enguMntwana wenkosi. Wati amshisa ezandhleni! KwaMtetwa wejwayela kakulu waze waba liqawe lenkosi. uDingiswayo, yampakamisa waba yinduna yempi; ngoba yafumana ukuti unesibindi, uyiqawe kahlulwa muntu. Po-ke, wajabula washo! Wafunda bonke ubunyoninco bukaDingiswayo bokuvivisa amabuto,



USHAKA
Nansoke, inkosi yakwaZulu eyahlanganisa izizwe eziningi zabangu "Zulu." Nango: uShaka kashayeki uDhlungwana was'eMbelebeleni, uNodumehlezi kaMenzi, iNyon'edhl'ezinye, iLembe eleq'amany'amaLembe.

bonake loku uDingiswayo lo, kade enyamalele iminyakanyaka, kanti ufunda izindhlela zokulwa kwabelungu, kakulu ūkugwazana ngezipeletu. Nako-ke, eseti: makufundwe ukugwaza, bukoma ngesijula, kuyekwe ukupata amapande emikonto yokucibana. Udumo lobuqawe bukaShaka, kwaMtetwa, lwaba lukulu lwaze lwafika kuyise, uSenzangakona, kwaZulu. Nango-ke bala uSenzangakona ese-hambela kwaMtetwa, kuDingiswayo. Kute esanda kubuyela ekaya, wafa ngo 1810, Kwakubhekeke kambe ukuti angalandelwa nguDingana, njengokungenisa kukaMpikase (unina kaDingana) kwa-Fudukazi (inkosikazi). Kodwa ibandha lazibonela ingozi engavela, labona ukuti inhliziyo kaSenzangakona yayinamatele kokaLangeni (uNandi, unina kaShaka). Futi-ke, kwasolisa ukuba kuti lapo inkosi isizibile, ibisiya kuShaka; bala ize imuke ingabeke zwi, ngoDingana. Kusobala kambe ukuti uSenzangakona wayebona ukuti uma ebeka uShaka, bayakuxabana noDingana, njengokungenisa kukanina kwankosikazi. Kodwa njengoloku wayenamatele kuNandi, wazibonela ukuti yilovo nalowo useyakuzitole ifa ngezikali—njengokwenza kukaMpande kuCetshwayo, noMbuyaenze. Siyabona nje ukuba lapaya kwaMtetwa, wayeyohlanganisa amazwi noDingiswayo, okuti: "Nansoke indodana yami, sekunguwe uyise, noma ngisitela usekona, usungaya kumlungisela ukupata izintandane zika "Mageba." Ekusho loko ebhekisela kuko okungavela, uma uDingana ebanga; azi ukuti uShaka useyakulwa ngabakwa-Mtetwa, uma uZulu evuna uDingana. Bala-ke kute esefile uSenzangakona, uDingiswayo wambuyisela kwaZulu uShaka, empelekezelu ngenkulu impi, eshaya sengati umenzela isitunzi ngoba enguMntwana wenkosi; kanti uselungisile konke okungatikimeza uShaka!

Ukubusa kwake

Kute, ukuba angene ebukosini uShaka watumela kuDingiswayo izwi lokuti konke kumlungele, nokukombisa ukuti uzikonzele njalo kwaMtetwa. Nayekte uDingiswayo wakuhalalisa loko. Waqalake, uShaka ukungenisa lowomkuba, awufunda kwaMtetwa, wokuvivisa amabuto, ewafundisa ukugwaza bukoma! Waketa izigaba ezibili ukulingisa izigaba zempi, esinye sidumele ngokuciba ngepande lemikonto; esinye sisukele, sigwaze bukoma ngamkonto munye; okwambonisaka kahle impela ukuti abacibayo, bayahlulwa yilabo abagwaza eduze ngamkonto munye; balibala ukucosha imikonto abayicibileyo, kanti nansi impi isigwaza eduze. Kwasekuba umteto njalo ukuba kume kona loko; wahlala, manje, wacabanga ukuti konje angake alinge ngapi! Ziyezwakala belu izindaba kuDingiswayo. Bonake loku ubuqawe bukaShaka bamdelisa impela ekuhlaleni kwake kwaMtetwa. Kukona nendatshana eti: Kute uShaka esekwaMtetwa, kwavela uhlanya lwavimba nezinkomo zenkosi

entaben; kube kuyaqamuke lowo, lumlahle pansi, yaze yaba yihlane elesabekayo leyo ndawo. Kute ngelinje ilanga walugasela uShaka ngewisa nje! Lwanel'ukumuti nhla, lweza selubila! Lwagwaza lwaze lwanikiza lutu luyamkotuluza ngesijula! Walulahla pansi kona lapo uShaka! Kute lapo esebusa kwaZulu, uShaka, uDingiswayo wafisa ukuba umbuso wakwaZulu, uhlangane nowakwa-Mtetwa; kube nguye inkosi yawo; bese uShaka eba induna yamabuto. Mhlaumbe kwakuzakugcina ngaloko ukuba kashe-shanga wafa uDingiswayo.

Ukusizana kukaShaka noDingiswayo

Kute ngalonyaka 1812, uDingiswayo waxabana nenkosi yama-Ngwane, uMatiwane obezakeli kuleliya laseFilidi, kwaNtabankulu. Batelelana-ke noShaka, bamcita uMatiwane. Loko-ke kwaba ukuqala kokunyakazisa izizwe, kuleli elisuka eMzinyati, libanga emtonjeni woTukela. Kute amaNgwane ebaleka, ayesebuza ngomkonto kuwo amaHlube, kaLangalibale! UDingiswayo wayevama ukulwa nabakwaNdwandwe, bakaZwide. Kodwa-ke nge-yomndeni nje. Kepa kwaya ngokuya kwaze kwalinyazwana. Ngo 1818. Kweqa umuntu kwaNdwandwe, waya kuzikonzela kuDingiswayo, njengoShaka, ebaleka ekaya konina eLangeni. Kute ukuba azibike kuDingiswayo, waselungisela ukuhlasela kwaNdwandwe, uDingiswayo. UZwide wabona ukuti kungeono bamdumele uDingiswayo engakalungi, ngoba uyazi ukuti sonke isikati uya-bahlula empini! Balake, kute kungakazelelwa luto kwaMtetwa, wateleka uNdwandwe! Po-ke abantu bengalungisele luto! Yemuka nayo! Bampanga uDingiswayo bemuka naye. Kute lapa uZwide etanda ukumbuyisela ezweni lake, wala unina (uTombazi), wati, kungenzeke kubuye kudedelwe isita esiloku sibalalisa ezintabeni ngezimpi! Bambulalake uDingiswayo, ngo 1818. Manje-ke isizwe sika Dingiswayo saya kuzikonzela kwaZulu kuShaka. Mamo, kwamlungela uShaka wansondo! Au! Wazenza naye uZwide ngokubulala inkosi kaShaka! Wafunga washo uShaka, ukuba namhla-ke, kumhla yena ezoba inkosi kaZwide! Bonake loku uShaka wayeseyinduna kwaMtetwa ngobuqawe, namhla kufika onke amabuto ake!

Impi yokuqala kaShaka noZwide

Kute mzukwana uZwide ecita uDingiswayo, wezwa kutiwa uShaka uyeza uzokutelela inkosi yake, uDingiswayo. Kalibalanga ukuyipaka ukuhlasela kwaZulu, kuShaka. Po, ingakanani kumfo wakwaNdwandwe! Yizibi! Naye wayengäqli ukuti impana kaShaka izakuminza! Wayinikeza umfowabó uNqabeni, nenkosana yake, uNomahlanjana, namanye amadodana ake amatatu: oMpepa,

noDayingubo, noNombengula — wayicela yahamba! Wati-ke, umfo kaSenzangakona, “uShaka kashayeki” eyake wayinika izidhlungu-ndhlebe (ezifana noJoabi umfo kaZuruia) oManyosi (wasemaMbateni), noNkayishana (Kuzwayo), noMdindwa, noNgeosana, noVobanda, noMsasane. Lamaqawe yiwona okwatiwa aze ayidumele ngomdhadhla, ayidabule pakati eyakwa Ndwandwe. Bala, kutiwa, yambulala uNdwandwe kwabaziduli abantu! Bonake futi, bona besalwa ngendhlela yokuciba! Naye uZwide, wetuka kabi impi yake ipelela obalanje!

Impi yesibili kaShaka noZwide

Kute dukuduku, kwapuma “ihlambo” kwaNdwandwe, lamadana enkosi abulewe kulempi elwe kuqala. Po, pela kwaZulu, ihlambo lalipuma kufe abantu. Kanti lipuma nje ihlome ipelele eyakwa Ndwandwe, iqonde kwaZulu ngempela! Loko-ke babekwazi nabakwa ZULU, bakaShaka. UShaka wabona ukuba kanakupumelela kulempi. Wamemezela ukuba kubalekwe, kucitwe nokudhla abangebe namandhla ukukutwala. Labaleka-ke lonk’ izwe. Kanti yena wansonda uqonde ukubalambisa, nokubaholela emaweni, ukuze abakwibikishele sebeqedwe yindhala, sekuxega namadolo, sebemzimba utanda ubutongo! Kute mhla eyiqatayo waqala wayikataza ngabafana, kanti uqonde ukuyiqeda ngakusasa ngezingwazi! Po-ke, kwaba ubhincabhincane njalo, ukuba kungasali luto! Kanti ke futi, iqili elinguShaka, lite, “Akoti uma impi isiqamukele kwe-sakwaNdwandwe, kuhlatshelelwe amahubo akona ukuze bangabaleki!” Bate beti: “Nans’ impi!” Babengasenzeli ndawo; washaqa konke uShaka, wetasisela isizwe sake sakwaZulu!

Impi yesitatu kaShaka noZwide

Lempi, kwakungaseyiyo epakwa uZwide uqobo lwake; kodwa yayisipakwa uSikunyana inkosana yesibili kaZwide. Isizwe sakwa-Ndwandwe saciteka kabi, kuleyo ‘mpi yesibili uShaka ayibulala ngendhlala nangamawa aseNkandha, ngoba pela kutiwa wayeyihole yaze yafika kulo leli laseNkandha! Kodwa kungati uZwide uqobo lwake, wasinda nakulobo buqili bukaShaka bokutumela impi emizini yakwaNdwandwe, eyabhadama abantu ngobuqili bokuhlabela amahubo esizwe sakwaNdwandwe. Kutiwa wabaleka, wazitukaza emhlangeni, okute emva kwaloko, waqonda le enhla oTaka (Wakkerstroom). Kupele iminyaka eminingi-ke, kungasezwakali luto ngesizwe sakwaNdwandwe, nangenkosi yaso uZwide. Kulesikati uShaka wahlasela inkosi yakwaButelezi, uPungashe; nenkosi yabaTembu, uNgoza; nenkosi yaseMacunwini uMacingwane. Onke lamakosi wawehlula uShaka, watata abantu bawo wabenza isizwe sakwaZulu! Kungati, le, kwelasoTaka, kwakude kuqoqana njalo kuZwide bonke abamzwayo besizwe sakwaNdwandwe, kwaze kwaba

yisizwe esikulu, okute ukuba afe uZwide sapatwa uSikunyana. Nango-ke, uSikunyana eyihlomisa, eti, kayilande izwe lawoyise! Kute kungazelelw e kwaZulu, kwasekuzwakala ngomkosi nje ukuti, “Ingene bo!” Po-ke, yena uSikunyana wenzela-pi, kuShaka! Loku yena uehlala ehlomele ukulwa! Yapelake, impi kaSikunyana lapo! Kute abasindileyo base bezikonzela kona kwaZulu njengo “Somapunga,” uyise kaMankulumane, okade eyinduna enkulukuyo inkosi uDinuzulu, futi osengumluleki omkulu kuMntwana uSolomona, bekanye noMnyayiza, kaNdabuko, umfowabo wenkosi, uCetshwayo. Kungati kulempi yokugcina kaNdwandwe, uSikunyana wabaleka, wasinga - le, kwelamaTonga, lapo abulawa kona impi kaShaka, eyatunyelwa ukumfuna!

Ukuhlubuka kwezinye izikulu zakwaNdwandwe kuShaka

Siyabona ukuba kwakungabatokozisi abanye ukukonza kwa-Zulu, kuShaka. Kute ngo 1826, kwahlubuka uMzilikazi kaMashobana, wakwaKumalo, owalidhlokovula izwe ngempi, waye waponseka le kwaMabelemade, lapo amisa umbuso wake, esekutiwa namhla kukwaMzilikazi, njeneggama lake. Kute ukuba afike lapo, waka umuzi, waqamba igama lawo ngokuti, BULAWAYO, eqonde ukuti, besibulawa kwaZulu — futi-ke, eqonde ukuhxolodela uShaka, ngalelonxuluma lake lakwaBulawayo, elingas’Eshowe, pakati noMhlatuze, noMlalazi, lapo ahlubuka kona sekutiwa ubekwe induna yamabuto kaShaka.

Kute dukuduku kwahlubuka uSoshangane, indodana kaZikode kaLanga wakwaNdwandwe Nxumalo. Bonake njalo loku bonke bahlubuka nempi yabantu isilisa nesifazana, okuti lapo yedhlula kona, yenze “ukukulela — ngoqo,” ilwe, ipange, ishise, ihlomise abantu, kuyiwe pambil; bebatshela ukuti, “Nangu uShaka!” Po, ubani owayengabe esabeka isinqe pansi, uma kupatwa uShaka! USoshangane walibhedula walibhekisa le kwelamaPutukezi, lapo amisa kona umbuso wake, okutiwa namhla kukwaSoshangane, njeneggama lake. Lombuso uyinhlanganisela yezizwe ezitiwa ama-Shangane, namaNyembane, nabaTshopi, nani, nani. Yiwo lombuso otifa futi owakwa “Gasa,” noma abakwa “Ngungunyane”; bagewe abapuma kona eGoli, ungabezwa beti, “Telela Gasa.” Kute dukuduku futi, wahlubuka kwaZulu uNqaba, indodana ka-Mbekwane Kumalo. Lo-ke, waqombola wabanga le, pakati neAfrika, “ngasemacibini ezindhlovu,” ezazitata abantwana baka “Nanana kaselelelwa owak’endheleni ngabomu, ngoba etemba ubungqa nobungqolokosh” (Strategy). Kungati-ke, uNqaba lo, waqombola njalo wezewamisa umbuso otifa ngowabaNguni; oyinhlanganisela yezizwe ezitiwa, “amaZitu, namaVati, namaTuta,” nani nani — ezakele ngapesheya kwemifulakazi, oZambezi noTshambezi, ezweni elitiwa elabaFipa.

**Ukubhedula kukaShaka ezinye izizwe,
nokwanda kombuso wake**

Kusobala ukuti, uShaka wayengasalwi ngoba kuvele isizatu esitile, kodwa kwasekunjengokudhlala nje kuye, ukuba akombise ubungqongqoshe bake. Kute kungazelelwe, izwe walitela "ngotelawayeka wempi!" Wayesewakumbule amaNgwane, nabaTembu, namaCunu! Umuntu wagijima ibhesu laze lahlala enqluwini! Kwaba yilesa sizwe sabanguShaka ngokwaso kwesinye! Bona-ke abantu sebexube nokuzipangela nokudhla! Sekuti ababalekayo bafike babuze ngejozi kulaba abasahlezi bengazi luto! AmaNgwane alidungula ngomkonto anqamula uKahlamba aze aponseka kwelabe-Sutu, lapo kute ngasemfuleni iKaledoni abuye anqwamana nama-Hlube, kaMpangazita! Po-ke, yacitana ngejozi Iapo! Sasesisukile isintshongo kubaTembu bakaNgoza, okute ukuqala kwabo badumela amaKuze, kaNomagaga, kaMsele: Kute ukuba uShaka acindezele ngemuva, balidungula ngomkonto beqonde eMzimkulu, bacita ama-Wushe, nabakwaNcwabe, baze bateleka kuFaku, inkosi yama-Mpondo. Kute lapo, yabulawa inkosi yabaTembu, uNgoza.

Mamo, yenzeka eny'indaba! Wasemdumele uMacingwane, inkosi yamaCunu! Pela, uMacingwana ubehelezi eyinkosi enamandhla seloku kusabusa uSenzangakona. Nansoke, "Inyon' edhl' ezinye," isimdimela! Babo! Ukuko Iwamuka nomoya! Bonake uShaka endundulula amaCunu kulo lonke leli elipakati kweNkandha ne-Qudeni, kusuka eBabanango kuze kuposeke oTukela. Ngisho nanamhla zisekona emipandwini izindengezi zemipanda eyayifihlwu kubalekwa! Bonake loku pela abanye kababuyange besabuyela emanxiweni abo. Abanye futi bafa. Kute amaCunu alishaya alibhedula ewuka, awela uTukela, abuza ngejozi kuzo zonke izizwe ayedhlula kuzo kuleli laseSilungwini. Angquzula amaNyamu (ngaseMvoti), nabasemaNtanjeni (enhla noMkomazi), nabasema-Yabeni (enhla neLova), nezizwe ezabaleka utuli lwacisha ilanga zibheke le eKoloni! Kwaba lubhincabhincane njalo-ke kuShaka, ezihianganisa zonke ngamzila munye! Izwe laba libi, kakwalinywa; kwabhoboka imikuba emibi, abantu badhla abanye, nezinja, nemiti ebulalayo. Walishanel-a-ke izizwe umfo kaSenzangakona! Zonk' izizwe azitolayo, wazipendula uZulu — okuyikona kwaqamisa ukuba abantu bonke batiwe u"Zulu." Eziny' izizwe zaduka okwempela, okunaminaloku! Nankaya amaShangane! Nankaya amaNdebele! Nankaya amaMfengu, eKoloni! Ngezabo njalo lezizimbiza eziloku zasala emigedeni! Nemifuma yamatuta epehlwa, bayishiya beyimbele emixapozini! Kute ukuba alichobe uShaka naleli lase-Silungwini, wamisa amanxuluma ake: oDukuza (Stanger), no-Kangel'amankengane (Congella), namanye. Kulesisikati-ke wayeselungisela ukudumela amaMpondo kaFaku! Kute ngeliny'ilanga, wati ukuwahlokoza. Kodwa abaleka angena eziweni zaseGosa —

ihlatikazi lakona. Kwamtukutelisake loko. Wawabekela ingomuso! Kusobala ukuti uShaka ubeqonde ukubuye awazume am-Mpondo. Kute manje waqoqa impi angazange ayiqoqe, eyabizwa ngokuti: "**UKUKULELA NGOQO.**" Kwakungempi, kwakuyi-nkumbula! Kutiwa lapo ingakona ibibonakala ngotuli! Bekuti ifike emfuleni kube ludaka! Kutiwa yayikukule nabafanyana abalusa amatole (12 years old), betwele ukudhla! Kakukulunywa ngamantombazana!

Impi yas'oBhalule

Lempi yayipakelwe uMzilikazi, noSoshangane, noNqaba ababehlubuke basinga le, kwaMzilikazi, nakwaSoshangane, nas'Emacibin'ezindhlovu" — Victoria Nyanza — kepa kayiqondwa muntu lendawo etiwa "**UBHALULE.**" Uma umuntu ebuza kwabadala, basimze bapendule ikanda-nje, bati "Kule enhle bo!" Abelungu bona bacabanga kuleyo mifulakazi okutiwa, "Limpopo, noma Zambezi," noma "Sabi"; imifula ele "emajukujukwini kwamamangalahlwa." Po-ke, loku kuhanjwa nje izwe kalaziwa, nemiti yakona kayaziwa! Kute abantu bengazelele, basebezitela emtaneni otata-kanye "**IMBO.**" Au, bafa kwabazigingqane! Abanye bagula babuya pansi! Bonake sebepelewe nawukudhla! Abasindayo, babuya sekulungelelene amatambo! Futi sengati kababangaki nalabo ababuyayo! Kasazike, ukuba "imbo" leyo bayidhla yini nokuba yababulala ngepunga; ngoba pela nendhlala yayikuzile, bebengaze bayipeke bayenze samifinywana.

Ukufa kuka Shaka

Au, naleyso nsalana ka "**Kukulelangoqo,**" ite ifika wayekade afa uShaka! Kungati, ngaleziya nsuku zokupuma kuka "**KUKULE-LANGOQO**" abafowabo oDingana noMhlangano, babuya endhleleni, bati, baguliswa yizisu. Po, kuloko uShaka wayengenakubapoqeleta abahambise begula. Kasazi-ke ukuba yena uShaka wayengayipumanga — ngani leyompi yaso BHALULE, lokupela yena wayengasilelwa — ntendeni. Kusobala ukuti: Wakungatwa yiyo nje indodobelane yokufa. Kanti oDingana, noMhlangano, babuya nje, bati "Iwe ngopondo namhla!" Bala, nampa sebemgwaza! Po, kukona bani ekaya? Noyedwa! Kupela u"Gwazonco," umalume wake. Kepa yena kwasekuludovu lwexegu nje, olungasaqondi konke okukulunywayo! Omunye owayekona, nguM'bopa, inceku yake uShaka. Kepa yena bam'faka umoya wokuti: Kawuboni yini wena ukuba umfowetu lo, kasaconde kona ukulwa nezita, kepa uqonde ukqededa yonke indhu kaMalandela?" "Yini loku akwenzayo ukukukula bonke abantu, nezingane, engaqondi nalapo kukona uMzilikazi, noSoshangane, noNqaba!" Bala, wavuma wabasiza

bem'bulala uShaka! Kutiwa bamgwaza bamshiya kona lapo, kwaze kwasa. Ngakusasa, bambela emgodini wombila esibayeni! Ituna lake lilapa kwaDukuza, egqumanen, ngenhla kwase Siteshini. Namhla sekwake izindhlu zabelungu! Kodwa ngagcina bengakaki pezu kwalo impela. Bekufanele abelungu bam'bekele itshe (Monument), noma intwana etile; ngoba uye owaqala ukubapa izwe las'Etekwini, uma beginisile. Bati: "The great King of the Zulus was very gracious to the Englishmen. He paid all respect to them (to the trio). He formally ceded to them a tract of land extending 25 miles along the coast, including the Bay and 100 miles inland." Po-ke, uma uShaka abenzela inhlahla engako, begala ukufika kulel'izwe bamkohlelweni na? Noma uShaka enza izinto eziningi ezimbi babeyakumkumbula uma wabemhlope, ngoba nguye owa-benzela inhlahla ngezwe. Kusobala ukuti besaba ukupakamisa igama lomuntu omnyama.

Izitunywa zikaShaka Engilandi

Kutiwa uShaka wake wazama ukutuma abantu abaningi ukuya Engilandi ku "King George IV." Izinduna zabo kwaku uSotobe kaMpangalala wakwaSibya, noMbozamboza. Kute-ke uShaka wacela umlungu uJames Saunders King, ukuba kube nguye obawelisayo. Basuka nencwadi epete amazwi kaShaka okuti "Laba bapuma enkosini yakwaZulu uShaka, bazokuyikonzela lapa kuKing George IV. UShaka uti uqonde ubuhlobo, nokuba abantu bake nabako bahlalisane ngokuzwana." "A friendly alliance between the two nations." Basukake ngo 30 kuApril — "Umbaso" 1828, bafika eKoloni "eBhayi — Algoa Bay ngo 4 kuMay — "Unhlaba" lapa bahlala kwaze kwaba "uNewaba" — August. Pela izwi ebeliya Engilandi belingenakwedhlula ngapandhle kwenkosi yamaNgisi ebipatele uKingi elaseKoloni loku lona umbuso was'Engilandi okudala. Futi-ke, lomlungu owayepelekezelwa oSotobe, ubengenawo amandhla ukubasa Engilandi, ku "King," ngapandhle kwamandhla awanikwe umpateli kaKingi oseKoloni. Nakoke beyaluziswa oSotobe noMbozamboza, ngenxa yokuba nabelungu sebehlezi pezu kwezikali ngezindaba ezibikwa lonke izwe ukuti: KwaZulu kuvele isilwane u"Shaka"; sicta lonke izwe, manje sesibude buduze nelamaMpondo. "Imbala kaniyizinhlo-nje madoda?" Kwaba ubuyaluyalu manje koSotobe! Kute kutata kwakutiwa kabedhlule bodwa oSotobe babonane nompateli ka "King" uqobo — loku pela yena uebhllala eKulumbe — e"Cape Town." Kwamxwayisa-ke loko naye uSotobe! Bazibuyela manje! Bala, qatata lapa eTekwini ngaye "uNewaba" 17. Kasazi-ke ukuba yena uSotobe wayixoxa kanjani, loku abanye bashaya sengati waye wafika kona Engilandi. Mhlaumbe yena wayengaondi ukuti kuhanjwa ngomkumbi noma umuntu eya eKoloni. Kungati kute lapo behla emkunjini, eBhayi,

washaya sengati wehla le, ezweni elingapesheya kolwandhle! Ku-lengqondo yokubonana noKingi, uShaka wayeqonde ukuba kuvun-yelwane ngokufundisa abantu ukukanda izinqola, nezibhamu nako konke okwenziwa ngabelungu. Bati wayelungisela ukutumela pesheya abantu aba 6,000! Nansoke inkosi eyayizakulondoloza indhlu kaMageba. Ngoba pela abantu laba bazakupela ngako ukungafundi. Kupela utshwala, nesifazana, nensangu, nokuwa emi-sindweni, nokutakatana. Kayiko enye into kabantu! Isizwe esiku-kulu kangaka, nesiluhlobo olunamandhla kangaka sidhliwa yindhlala nobupofu, ngenxa yokungafundi. Kulitshelwe yimikuba ebulala bonke ubuntu, nengqondo. Zonke izifunda, pinde kubonakale lapo kusangulukwa kona! Kulengqondo yokufunda, ngiyamkumbula impela uShaka! Ngabe isizwe sabantu sipambili okubala njengazo zonke izizwe.

Imikuba kaShaka emibi

Bayaqinisa ukuti uShaka wenza izinto ezitile ezimbi.

1. Kutiwa: Wayebulala abantu, ape amanqe eti alambile uma ewabona ezula pezulu.
2. Wayemqaqa nje nowesifazane, ekulelw eti ufuna ukuqonda ukuti ingane ihlezi kanjani.
3. Umuntu obuye engagwazile empini am'bulale.
4. Wabulala abasekaya konina, eLangeni, eti babemhlupa ngokumkangeza amasi ezandhleni, eti ayashisa.
5. Kutiwa wabulawa uye unina, uNandi; okute mhla embelwayo wamendhlalela ngamantombazane atile, "omdhunkulu" ambelwa ezwa!
6. Wabulala abantu ngendhlala, wati kungalinywa ngalowo mnyaka wokufa kukanina; wati angadhliwa, namasi izinkomo zi-sengelwe pansi; umfazi okulewyo abulawe nendoda yake! Wati, makubulawe amankonyane ezinkomo ezincelisayo ukuba zikale, kubonakale ukuba nazo zihlanganyela isililo sokukalela unina!

Kuningi okunye okushiwo ngaye. Noma kuliqiniso noma amanga, angazi. Kodwa okuningi kuliqiniso, ngoba kade kuse-milonyeni kwabadalwa abazi kahle izindaba.

Kunjalo-ke ngoShaka. Kodwa singemangale ngako konke loku, nokwezimpi. Kuzo zonke izizwe kuke kuvele okutiwa "Convulsion." Isiyiko sezwe njengaloku sake savezwa uNapoleon noAtila, pesheya.

3. UDINGANA

Udingana waye indodana yenkosy yakwaZulu uSenzangakona. Uye owalandela umfowabo uShaka ebukosini. Isikati sokubakona kwake sipakati kwalemnyaka 1787-1840. Kute ukuba afe uShaka

kwangena yena uDingana ebukosini. Kepa kute kusalindwe abantu, loku pela babe yiloku bapuma impi ka "**KUKULELANGOQO**" uDingana wasebulala uMahlangana! Ute futi ukuzwa ukuti no-Ngwadi ububhekile ubukosi, wam'bulala. Pela uNgwadi nanguya kwaWambaza uzalwe nguNandi kuGendeyana. Kasazi kodwa ukuba uNgwadi wayezakubungena ngani ubukosi bakwa Zulu. Naku eselipenuluza nexegwana eli nguGazonco umnewabobo kaNandi, obe-yiloku ehlala lapa kwaZulu kusabusa uShaka. Kwema kona lokoke kuDingana; wahamb'ebacoshisa bonke ababetandana noShaka, na-bendhu yobukosi, ecabanga ukuti bazakum'bangisa!

Ukubusa kwake

Kutiwa uShaka wavalelisa ngezwi lokuti: "Ningibulala nje, izwe ngeke nilibuse!" Kusobala ukuti lelozwi, lahlala nevuso ku-Dingana. Ngakoke, watatazela-nje, engaqondi ukuti konje okuyena ezakumapuca izwe lona ngubani! Yiko loko-ke, okwam'bangela ukuba ahamb ebuza ngejozi yonk'indawo, kwabamnyama nabam-hlope! Kuningi okungakulunywa nangaye uDingana, njengaloku kade ngikuluma ngoShaka. Ukubusa kukaDingana kwabalukuni kakulu kunokukaShaka. Kangisho ukuti wahlupa abantu kakulu kunomfowabobo uShaka. Yena wayesebhekene nezigaba ezine:

1. Izizwe ezahlubuka kusabusa umfowabobo uShaka: oMzilikazi, noSoshangane, noNqaba. Wayecabanga ukuti: mhlaumbe zizakuhlasela kuye uma sekufe umfowabobo, zibize izwe lazo — njengaloku kwake kwenza uSikunyanan kusabusa uShaka, epuma oTaka— Wakkerstroom.


2. Kwakukona izizwe ezicitekele kwelaseSilungwini kusabusa uShaka. Kantike futi abanye basebeyiloku bewela njalo, bebaleka kwaZulu! Ngokuba babeti: mhlaumbe naye uDingana uzakwenza esikaShaka. Qa, kanti yena wamemezela bonke abantu babuye emanxiweni abo. Abanangi babuya; ngisho nomuzi wakwaDukuza wasala wabalihlane!

3. Nakoke futi sekuteleka amabhunu 1837! Loko-ke kwamzindhisa kanzima uDingana, uma ecabanga lelozwi avalelisa ngalo umfowabobo, uShaka, lokuti: "**Ningibulala nje, izwe ngeke nilibuse!**"

4. Futi, nakuke, bekukona namaNgisi, obekute ngapambilana, uShaka watumela kuwo oSotobe noMbozamboza, eqonde ukwenza ubunye kubantu nabelungu.

Izimpi zikaDingana

UDingana kalwanga kakulu nabantu ngoba izwe lonke bese-linqotshwe uShaka, besekunguZulu zonke izizwe, kupela lezo eza-balekayo. Impi eyaziwayo kwaZulu kubusa uDingana, yileyo



Lomfanekiso, ngoweNkosi, "uDingana, otawa: Umigabadel'ogabadel'inkundhla yakwaBulawayo. Kusobala ukuba ukuti: "Inkundhla," kushiwo uShaka, owabulawa nguye uDingana. Lomfanekiso ngawutola ezindhlini zabelungu. Futike uyafana nawo osezincwadini ezibhalwa nguStuarts. Kusobolake ukuti: kungase kuge kanti impela uDingana waye-nje. Ngiwufake ngoba ngibona sengati ungeono kunalowo engawufaka ku "Uzulukamalandela" wokuqala.

etiwa: "Yimpi kaMzilikazi." Lempu yapakwa ukuba iyokulwa noMzilikazi, ngoba wahlasela kwaZulu washaqa izinkomo zika-Dingana. Noko-ke, leyompi yalwa nabanye nje kuleli langase-Ntalasifani, pinde imbone uMzilikazi! Kanti futi naleyompi eyahlasela kwaZulu, kwakungekaSigonyela, isuka kuleliya laseFulesitata, ngaseNtabazwe — Harrismith.

Ukuxabana kukaDingana nabelungu

Ukuxabana kukaDingana nabelungu, kubangwe ukuba abantu babeyiloku bemuka kwelakwaZulu, beza eSilungwini seyiloku uShaka abahadulisa ngezimpi. Kute futi ukuba uDingana abulale abazikulu zendhluyakwaZulu, kwabetusa basebecabanga ukuti uzakubaqedabonke. Uze watata wamemezelaukuba lungawelwa uTukela. Nako-ke futi esexwaywa ngabelungu oFynn, noCane, ababetandana kakulu noShaka. Kute-ke uDingana watuma umlungu, uCane, ukuya kumkonzela kwabakulu eKoloni. Nangoke uCane esesaba ukubuyela kuDingana. Watukutela wazidhla izinkomo zabo uDingana; wacita nezindhlubabezakile lap'eTekwini. Labobelungu pela bekungamaNgisi.

UDingana namaBhunu

Kute duku-duku, kwateleka amaBhunu, ehhoboka ngezikala zoKahlamba ngo 1837. Kulesisikati, kwasekuqaliwe ukwakiwa eTekwini — 1835. Nanko-ke amaBhunu eti ukuba ewe kubelungu baseTekwini, ukuti izwe laseSilungwini elikaDingana, edhlula ukuya kulicela kuye, emzini wake opezu kweMfolozi emhlope, uMgungundhlovu. UDingana wati angewanike izwe ngoba atumba izinkomo zake. Wati kuzwakala ukuti zatunjwa ngabantu abagibela amhashi, nabagqokayo. Kanti amaBhunu asebona ukuti izinkomo zatunjwa uSigonyela, ngoba abhoboka ngoKahlamba nje, adabule ezweni lake. Azilandake. Nanko efika emfaka uzankonsi emkohlisa eti ngamasongo amakosi! Po, naye engazange awubone! Azitatake izinkomo zikaDingana.

Ukubulala kukaDingana amaBhunu eMgungundhlovu

Kuyadabukisa ukuti uDingana wabuye wawabulala amaBhunu lapo eselete izinkomo zake eMgungundhlovu, kanti wayewatembise ukuwasikela izwe uma ezibuyisile. Kodwa kuyabonakala nje ukuti kakolwanga ukuti azitate kuSigonyela. Wacabanga ukuti amenzela ubuqili bezitatwe yiwo. Futi pela, siyabona ukuti inkosi uDingana yayinevuso ngamazwi kaShaka. Kodwa-ke yasale seyiwalazela kuko konke. Pakati kwamaBhunu a70 abulawa eMgungundhlovu,

kwakukona inkosi yawo uPiti. Futi kwakukona amaNgisi amabili oHalstead noBiggar. Nangoke futi uDingana esepaka impi ukuba ihambe icoboshisa onke amaviywana amaBhunu ahlakazeke kulo lonke leli laseMnambiti. Nanku umuzi otia, "WEENEN," oku-qonde isililo esezevakala kona mhla evimbezela uDingana. Nazi eziny'izindawo zamatende amaBhunu: Doornkop, Blauwkrans, Moord Spruit, Rensburg's Spruit, nezinye. Kwabamnyama kuzo zonke lezondawo ngosuku lukaDingana. Bonake uZulu wansondo ongashiyi namfazi nangane!

Ukuhlangana kwamaBhunu namaNgisi

Kute ukuba amaNgisi azizwe izindaba zokuvimbezela kuka-Dingana, ahloma lap' eTekwini, ahlomisa nabantu! Mamo! Yahlangana (1838) ngasoTukela! Kutiwa wabahadulisa uZulu waze waba ponsa eTekwini! Kayikulunywa eyalabo ababulawayo, nalabo abaponseka emaweni bebaleka! Kunelukutiwa: "Nang' uZulu!" Bangena emkunjini abelungu ababelapa eTekwini! Po, uZulu wansondo, wacita washisa konke.

Insali yamaBhunu

Kanti uDingana uwaqeda nje eMgungundhlovu, nase "Weenens," nasoTukela, asasele amanye, ayehla ngezikala zoKa-hlamba. Mamo! Bandhlepakati, kanti impi yikona izakulwa! Kute onke amaBhunu asesele, ahlangana, alungisela impi impela manje! Inkosi yalempu kwaba nguPotolozi — Andreas Pretorius. Lwafika olungaliyo luka December 16, 1838 — lwase Ncome! Wasedumele ekuseni ngesonto umfo kaSenzangakona! Po, usenzelapi, loku impi le isilwa nje kade katandazwa kuNkulunkulu ukuba agumbuqe uDingana namhla! Sekutandazwe kwaze kwanyaniswa emaBhunwini ukuti: "Nkulunkulu gumbuqela uDingana, siyakukukonza kuze kuge zizikulwane zezizukulwane zabantwana betu." Po-ke, nonke niyawubona lomkosi ogujwa ngamabhunu yonk' iminyaka okutiwa, "Dingaan's Day — 16 December. Loko kulusuku okwapela ngalo uZulu eNcome! Siyakala ngabantu bakiti abaqedwa eweni lawokoko babo. Loku naku nabo abelungu abaziqayisa ngokuti baleta ukukanya, namhla basepuca wonke umhlaba wawobaba ukuba kusute abantwana babo! Yikupi okungesiyo isono? Ezinye izinto ezenziwa kubantu namhla zifana qo, nalezo ezazenziwa uShaka noDingana! Kunjani: eMapulazini, naseziMaben, naseziNkomponi? Nako-ke bakiti, eNcome lapo yahlangana yasuka, bapela abantu. Ungase uwafumane kwaZulu amakehla esehlabelela elaseNcome, eti:

"ENcome yahlangana yasuka
Bapel' abantu;
"Tuli lwaqonda kwaMshweshwe;
Besishaya bepezu kwamahashi;
"Tuli lwaqonda kwaMshweshwe."

Kutiwa igazi labantu labhejisa amanzi ngalelo langa. Kungaloko-nje abelungu sebeqamba lowomfula ngokuti "**Blood River.**" Inkumbuzelo yesifungo samaBhunu yindhukazi yesonto eMalasibhokwe etiwa, "DUTCH REFORMED CHURCH."

Ukucupa kukaDingana amaBhunu

Kungati kute ukuba ahlulwe uDingana eNcome, wati makubalekwe eMgungundhlovu, nomuzi washiswa. Kwabalekwa-ke kwayiya ehlanzeni elitiwa "UPATE," ngapansi kwendawo etiwa eMtonjaneni. Nangoke uDingana etutela izinkomo esigodini so-Pate, kanti ugwacise impikazi yonk' indawo. Kute watuma iqili lake elinguBhongoza Ngcobo (?) elazenza isituta nje. Lakuluma konke okungati kukulunywa umbhunge-nje. Wakipa sonke isifuba sake kungati uzinceengela ipalishi noshukela. Bamupa wasuta okudala. Nangoke ewakombisa lapo kufihlw kona izinkomo zenkos. Bala naziya. Au, zigewe ihlanze kunjeya! Yehla "inkomo ka-Haga," yazilanda! Kute duku-duku, bhudu-bhudu nya uBhongoza! Nanguya esezwakala lapaya esinindolweni sehanze: "Bapakati!" Po, nawe usuyabono lapo! Bonake uZulu wansondo ekipa "inya" laseNcome!

Imikuba kaDingana

Yebo, bakiti kulenewadi ngiqonde ukukanyisa kahle izinhlangoti zombili, kolwabantu nolwabelungu. Umuntu kaNkulunkulu kufanele akulume ngokungaketi, noma ezazi izinhliziyo zabantu bezwe. Ngiyazi ukuti nabelungu batanda sengati kungatiwa: Babenza kahle kuko konke abakwenzayo bebulala abakwaZulu ngesikati sikaDingana noma sikaCetshwayo — njengaloku sizakubona uma sesifike kuCetshwayo. Futi-ke: nabakwaZulu batanda sengati kungatiwa: Babenza okulungileyo kuko konke abakwenzayo kubelungu ngesikati sikaDingana. Ngiyazi ukuti amakosi akwaZulu oDingana noCetshwayo, ayelwela izwe lawo ngemfanelo. Ngiyazi futi ukuti, amaBhunu (noma ngingati abelungu) babengenamtetu ukungena pakati kwezwe labantu, bahambe becoboza abantu ngezibhamu! Uma sibuka namhla, singati yikupi-ke OKULUNGILEYO okwenziwa amaBhunu namaNgisi? Kupela ukwenza abantu iziqqili zabo, emaDolobheni, naseemaPulazini, naseNkomponi, naseziMobeni napi-napi! Kodwa, ngingeyeke ukukomba imikuba emibi kaDingana, njengaloku nekaShaka, ngiyikombe.

Nansi imikuba emibi kaDingana

1. Wabulala umfowabo uShaka.
2. Wabulala umfowabo uMahlangana.
3. Wabulala uNgwadi ka Gendeyana.
4. Wabulala bonke ababetandana noShaka.
5. Wabulala uZihlandhlo was'Embo, ngesigodhlo.
6. Wabulala uPakatwayo noMacingwane ngokutanda amadodakazi abo.
7. Wakipa amehlo uNhlanganiso noMpezulu.
8. Wabulala uPiti emletele izinkomo zake.
9. Wabulala abantu ekubalekeleni kwake ngoba bebuke ngagsemantombazaneni omdhlunkulu.
10. UDingana, njengoShaka, wayengaganiwe ngoba bezonda ukuti abantwana bayakubapuca ifa. Kepa noko ngasese bezala abantwana babulawe njengoba noNandi, unina kaShaka wabulawelwa kona ukulondoloza ingane kaShaka yomfana, ebekufanele ibulawe.

Ukufa kukaDingana

Kako owazi kahle ukuti uDingana wafa kanjani. Kodwa ukusho kwabelungu kuvumelana nokwabantu ukuti, uDingana wabulawa ngamaSwazi — 1840. AbakwaZulu balanda sengati uDingana wabaleka eya ngaseSwazini, nomdhlunkulu nezinkomo, wangenisu emzini kaSambela Nyawo, owameeba emaSwazini, mhla izinkomo zenkos uDingana, zidhle insimu yake. AmaSwazi amnyonyobela amgwaza ebusuku! Kepa naku okunye okushiwo ezincwadini zabelungu, kutiwa: "UDingana wabanjwa uSOBUZA, inkosi yamaSwazi," yaganga ngaye kanje: Ngosuku lokuqala yamgwazagwaza ngezinsungulwana, kutatela ezinyaweni kuze kufike ekanda. Ngosuku lwesibili yamlumisa ngezinja. Ngosuku lwesitatu yambhinqa iti: "Dingana, konje useyiyi nje inyanga yokunisa imvula?" "Konje futi, useyinkosi enkulu impela na? Bheka nantiya ilanga lipuma; ungeke ulibone lishona!" Kute kuloko wakishwa amehlo! Lite lishona wayesefile; ngoba engazange anikwe ukudhla. Bati abelungu loku kwakuxoxwa yiSwazi elazi kahle impela. Kasazi-ke ukuba abakwaZulu balandiswa kanjani nguKwabiti Langa (?), ngoba kungati yena waziwela ngezindhlebe amazwi okugeina enkosi uDingana.

4. UMPANDE

Naye uMpande wayeyindodana yenkosi yakwaZulu, uSenzangakona. Walandela uDingana ebukosini. Lenkosi ibizwa ngokuti: UDHLOZI VUSA UMUZI kaPunga noMageba; ngoba uShaka noDingana bacisho balicima igama likaZulu, ngokungaganwa nangokukandha izwe ngezimpi nangendlala! UMpande wayehlakanipile ehlola izinhiliyo zabantu. Laliyakupela nya igama likaZulu ukuba wayengeko uMpande! Siti kwema iDHLOZI (uNkulunkulu) impela ukuba uMpande asinde lapo uDingana eqotula bonke abozalo, kanti wasinda ngoba edelelwu, kungati situta. Ukuba wayengeko, abelungu babezakusibhubhisa sonke isizwe sakwaZulu, nezwe balitate lonke kona ngalesosikati. Ngokuba babengasayikulihlonipa uma lingasenasiunzi salowo oyinzalo yenkosi! Kute ukuba uMpande ezwe ukububula kwemilomo yabantu, ebona futi ukuti uZulu upelile, kakuseko ukulwa nabelungu, wasale eseqoka kona ukuzinikela kubelungu. Bala, kwati kucu, uZulu, wamuka naye bez a kubelungu lapa eSilungwini — September 1838. Lesisikati, bati abakwaZulu: "Ukudabuka kweGoda!" (The breaking up of a big string.)

Ukuhlasela kwamaBhunu noMpande kuDingana

AmaBhunu abeseyengwe kaningi uDingana. Ngakoke, kwalukuni kuwo ukwamukela uMpande nesizwe sake. Kute kodwa esehlolise konke, abeka izwi lokuti: "Vuma pela Mpande sihlasele nawe kuDingana!" Wavuma. Yapakwake impi ngemizila emitatu, enye ngeyaseMankamane — Biggarsburg, enye ngeyaseMzinyati, mayelana naseMsinga (?); ekaMpande uqobo, yahbokwa ngakwa-Ntunjambili, ipetwe induna yake uNongalaza, kaNondela Mnyandu. Kute dukudu, yanqwamana ekaDingana nekaNongalaza. Basebeshilo abakaDingana: "SENILAPA MAMBUKA - NDINI?" YAHLANGANA! Au, kwaba ibhuqe, amaviyo amabili kaDingana! Kute iviyo eliseleyo labaleka njalo, kude-kude, kwaba ubhinca-bhincane kuya le oPongolo, lapo inkosi uDingana, acwiyya kona ngamaSwazi, ebamba umlandu wokuhlaselwa kwawo nguZulu!

UKUBEKWA KUKAMPANDE NGAMABHUNU

Ngokunjalo-ke yapela impi! Kwati amaBhunu amemezelu ukuti, "Inkosi yakwaZulu seku uMpande"—1840. Naye uMpande wawacola amaBhunu ngesikonyane sezinkomo ezi 40,000.

UKUBUYELA KWABANTU EMANXIWENI ABO

Po, kusabuyani, loku abany'abantu babhembeteka njalo basingle, kwaSoshangane, nakwaMzilikazi, naseMacibin'ezindhlovu,

naseKoloni. Futi ezinye izizwe zapela nya, kulezozimpi zikaShaka noDingana! Kute nalabo ababuyayo basebeqala amanxiwa amasha. Abanye bafica nemipanda yabo sekade yagqitshwa zikukula zemvula! Abanye bazitolela eyabanye abangasabuyanga. Kungati izifunda ezanyamalala kulezoziwedu zawaShaka noDingana zaba39! Kodwa noko wayesekona nje uZulu; ngoba sengati iningi labantu ababuyela emanxiweni abo, babe 100,000.

UKUBUSA KUKAMPANDE

UMpande wabusa ngomusa omkulu. Izwe labuya njengako Jama noSenzangakona. Bonke abantu bazidhlela ngengxwembe endala. Ukufunga kwabantu ngaye, nangonina, uSongiya, kukomba ukuti yilonia 'Tshe — Monument—abam'bekele lona uMpande, ngokubusa kwake okuhle. Ungase uwwe nomlungu eti, "Mpande!" Kayiko impi eqamileyo engakonja kuMpande. Kupela kambe impana yaseSwazini, okungati yenzelwa ukufundisa ibuto lama-Mboza ukulwa ebihhangqe nokupuma ihlambo lomfowabo uDingana. Kayibanga nangozi kodwa. Kute amaSwazi aponseka emaweni aseMdimba. Kute uZulu emuka nezinkomo zavo, kwamezeza umuntu otile eti, "Zemuka izinkomo!" Po, loku amaSwazi awesaba kabi amazolo, awabiza ngokuti amaqokama. Kulowomkosi apendula ati, "Kona bezidhlile bayawezwa amaqokama!" Zamukake njalo zikaSobhuza izinsizwa zake zesaba amazolo! UMpande uyena obuse kakulu kwaZulu. Ubuse iminyaka e32. Ituna likaMpande kaliko "Emakosini" kwaNobamba, likwaNodwengu, eduze kwenxiwa lasoNdini.

5. UCETSHWAYO

UCetshwayo kwakuyindodana yenkosi, uMpande; futi nguye olandela uyise ebukosini. Unina kwaku uNgqumbazi, indodakazi kaManzini, wakwaZungu. Naye wabusa ngokutandeka kakulu kwaZulu njengoyise uMpande. Bamfunga kakulu futi naye, kanye nonina. Intanga yake emabutweni ngamaMboza - Tulwana. Abayintanga yake kuyise yilaba: uMbuyazwe (wakwaMonase, abalwa naye oTukela ngo 1856, bebanga), noShonkweni, noMantantashiya, noZiwedu, noHamu, noSiteku, noDabulesinye, noSomhxawana.


Ukubanga kukaCetshwayo nomfowabo uMbuyazwe

Kambe kuyindaba eyaziwa kahle ukuti kwake kwenzeka indaba embi kubanga yena uCetshwayo nomfowabo, uMbuyazwe. Lentoke, yabangwa nguye uMpande, enqena ukubeka uCetshwayo ngoba etanda indodana yakwaMonase, uMbuyazwe. Nakoke abantu sebe-

qekeka pakati, abanye bevuna lo, nabanye bevuna loya. Kute esika Cetshwayo isigaba, sabizwa ngokuti: “**USUTU**”; esikáMbuzayze kwatiwa: “**IZIGQOZA**.” Kute ngelinye ilanga yapumelaná impi-kazi lapangasoTukela — “Endondakusuka” — 1856. Po, loku imvamela kaZulu ivuna uCetshwayo! Nempela, abantu babebona nje ukuti: isikundhla sobukosi esikaCetshwayo. Au, babulalana abantwana! Bapela nabantu! Bonake ukulwa kukaZulu! Impi ilwa nje, nantu uTukela lugewele ludhla izingwabi! Kubuye kwati uMbuzayze, wamela kupetela ngakulo! Mamo! Nasi nesifazana nezingane zipakati kwempi noTukela bo! **Yahlangana!**...**Mamo!** yastuka ekaMbuzayze! Nantoke ubhincabhincane! Mamo! yayitela ezinganeni! Pakati oTukela! Lwakukulake uTukela ezansi elwandhle! Kuleyompi sengati kwafa basitupa kubaNtswana benkosi. Abanye yilaba: uMbuzayze, uMantantashiya, noShonkweni, noSomhxawana, nabanye. Kute dukuduku, kwafumaniseka ukuba inkosi uMpande isinamatéle kwaNomantshali, kwabo Mtonga noMgidhlana, noPoiyiana! Wasewanuka impela umoyana wokuti izakubeka kona. Waseyipakile uCetshwayo. **“BAPAKATI!”** A! Kanti kakuko muntu! Lapoke uvimbezela umuzi wakwaNomantshali — “Umdumezulu” — utume induna yaseKubhazeni, uM’bomvana. A! Kanti nangu uPoiyiana! “Upi unyoko nabafowenu?” Kangibazi abafowetu.” Kodwa umame uhambe nogogo—uLangazana—baseSihxébeni. Basebepuma naye njalo, bam’bulala! Kute dukuduku, bamfumana unina, uNomantshali bam’bulala! Konke-ke loku, kwensiwa yinkosi uMpande, ingabahlukaniseli kahle abantwana. Kweyakwa Monase indlu kwasinda uMkungo, ngokuwela noSabantu. KwaNomantshali, kwaba uMtonga noMgidhlana, abati ukuzwa babaleka eSilungwini.

Ukumiswa kukaCetshwayo ebukosini bakwaZulu ngamaNgisi

Kade kambe nibona ukuba ngesikati sikaDingana nesikaMpande isizwe esimhlope esinamandha ngamaBhunu. Kanti-ke: “**ITSHE LIBUYE LAGAYA NGOKUNYE!**” Kwasekadeni, amaBhunu ayepansi kwamaNgisi; kodwake engakutandi loko! NaseKoloni abaleka — 1836 — ngoba engatandi ukupatwa ngamaNgisi. Yiko loko ke okubange ukuba nalapa kuhleze kubhoboka “**IMPI YAMABHUNU**” namaNgisi; njenyeqaqala lapa eTekwini — 1842 — ka “Captain Smith,” okute ukuba amaBhunu ehlulwe, atutela eNtalasifani — 1846-1847. Nansoke futi eyaseMajuba — 1880-1881. Nakuke sekugcina ngale ka 1899-1902 — okute emva kwayo, batekeleza lelifindo elitiwa: “**Union of South Africa**.” Kute kulwa abantwana — 1856 — izwe lakwaZulu laselisezandhleni zamaNgisi. Nangu uCetshwayo usemiswa yiwo ebukosini — 1873; kanti uMpande wabemiswe ngamaBhunu 1840. Po, bakiti, ngingati: manje sesifika ezindabeni ezsentsha. Basebaningi kwaZulu nalapa eSilungwini



UCETSHWAYO

Nangoke uJininindi omnyama, ongabubende bengonyama, iwaba lezinkomo zikaMshweshwe; elibek “umbala lawuyingiliza” elidume eSandlwane, umbani lawuposa eMakala, Kulesitonibe uni noSomtseu kaSonzica, mha ebekwa umqele—1873 “Emlambongwonya.”

abasikumbula kahle isikati sokumiswa kukaCetshwayo ebukosini. Kuse iminyaka 66 (1873-1939). Kuleso sikati, abelungu abaqamileyo ababepatele uHulumeni wamaNgisi, kwaku: uSomtseu ka-Sonzica (Sir Theophilus Shepstone) noJantoni (John Dunn), no-Malumadi (Melmoth Osborn).

UKUBEKWA KWAKE UMQELE

Kungu Cetshwayo kupela kuwo amakosi ohlanga lukaMalandela, owake wabekwa ekanda umqelete nengubo yokuti "KING," njengamakosi endhlu yobukosi kubelungu. Kangazi ukuba konje abakwaZulu sebazibeki lezompahla! Isitunywa esikulu sombuso wamaNgisi, esasebenza lowo msebenzi, kwaku, uSir Theophilus Shepstone okutiwa "USOMTSEU KASONZICA." Umuzi okwenzelwa kuwo lowo msebenzi, utiwa "UMLAMBONGWENYA"—bheda kuwo amanxuluma. Lelinxuluma kwakungelakwabo wenkosi, uMpande. Kuyilona muzi kanina u"SONGIYA." Ngakoke, inkosi uCetshwayo yabekelwa kwaboninakulu. Kutiwa zaziningi ngo-kwesabekayo izinkomo mhla ebekwayo. Pela beku umkuba ovamileyo ukuhlanganisa izinkomo zezwe lapo kubekwa kona inkosi; zide zedhluliswa kuyo ngezigabagaba! UZulu wabonakalisa ukutoba okukulu ekubekweni kukaCetshwayo. Bavuma nokuti bazakumla-lela njengenkosi yabo impela.

IMITETO YABELUNGU KU CETSHWAYO

Njengokuba izwe beselipansi kwamaNgisi, nakuba uCetshwayo ebekwe njengo "KING," bam'bekela imiteto, okufanele ayigcine ukuze ahلالisanе kahle noHulumeni. Nansike imiteto ayibekela uCetshwayo, mhla ebekwa umqelete pambi kukaZulu okungati umumo wake wawu 10,000.

1. **Kwatiwa:** Kakupele ukuba kuhlale kubulawana, kucitura igazi kungafanele.
2. Kakupele ukuba umuntu onecala agunyagunye ngapandhle kokuba icala lake litetwe pambi kwabantu, kuhlolwe nobufakazi balo, futi umuntu aledhlulise uma etanda.
3. Kangabulawa umuntu ngapandhle kokuvuma kukaHulumeni, ngisho noma ngabe kambe icala limlahlile.
4. Kuhle amancala ahlaulwe kunokuba kuze kubulawu umuntu. Kanjaloke kwamenyezelwa kuZulu wonke ukuti: **Namhla uCetshwayo useyinkosi.** Wavezwa kubantu esenqwambe wanqwamba ngezimvunulo zobukosi babelungu! Kepa kusekwati kakusuke isidumo ekubekweni kukaCetshwayo. Nangu uZibhebhukamapita, noHamu, noMnyamana, befuna ukubanga. Kwakubanane bo!

UZULU NGESIKATI SIKACETSHWAYO

Kute uCetshwayo engena ebukosini uZulu wayesengangezibi! Bonake loku uMpande walibusa ngokutula izwe iminyaka e32. Ukwenza kwake, kwaba sengati ubelungisela yona indodana uCetshwayo. Kute ingena indodana, umbuso wakwaZulu wawuhlangene isinqalanqala, imbiza yayizwiwa ngoti emabutweni! Kuwo onke amanxuluma utuli lwaluqond' izulu ngendaba yamabuto. Nayò inkosi yacabanga ukuti ISENQABENI impela. Bala-ke, nako isi-qolozelana namaNgisi, iwatumela isaka ligcwele u"POKO," iti: "**Uma niti ningangahlula, balani zonke lezonhlamvu!**" Nanko namaNgisi etumela kuye ISIKUMBAKAZI SENKABI, eti "UMA UTI UNGALWA NATI, BALA BONKE UBOYA BALESO SIKUMBA!" Kodwa abanye bat: uCetshwayo watumela ISHONGOLOLO, wati abelungu kababale izinyawo zalo. UMpande wabevusele ngokusha amabuto amadala ewabuta namasha asukela eminyakeni e20. Ngakoke impi yakwaZulu ibinkulu kabi kusukela kuMpande kuya kuCetshwayo; ngangoba ibingapuma ngokushesha noma kutiwanu. Izigaba zamabuto zazishisa zivuta, kukuzwa ubungqayingqayi zifuna ngisho nokudumelana zodwa — njengaloku kute ngomkoski otile, kwadumelana uTulwana neNgobamakosi. Po, kwaZulu beziyize-nje izinduku, ibidumelana ngemikonto, kubeseengati sekuliwa nezizwe. Kepa-ke konke loko kwabe sekuyingcupo emaNgisini, ngoba bekuveza igazi, kubange nezinhlupeko kwabanye. Kwasekuvame ukuba abantu babengamapapateka seloku kwaxoxwa izimpi zaoShaka noDingana. Bekuti kungavela isidunyana, babope kona manje abanye beze kubelungu lapa eSilungwini! Konke lokoke, bahlala bekubuka kabi abelungu. Nakoke futi uCetshwayo ebulala izintombi zeNgcugce zenqaba ukugana ingani uzijubile.

UKUXABANA KUKACETSHWAYO NAMANGISI

Kute dukuduku zavela izimbaxelo zabelungu kuCetshwayo. Isizatu sokuxabana kungati ngokubiza kukaCetshwayo lelizwe okutiwa "**ELOM'BANGO**" —The Disputed Territory — elipakati ko-Pongolo noMzinyati. Pela, inkosi ibi loku ilibiza emaBhunwini. Kute ukuba ibone ukuti kakuvumeki, yafuna ukulitata ngempi. Kulokoke kwatunywa uSomtseu ukuba alungise kahle. Kodwa kute ukuba kungavunyelwana, indaba yaqtshelwa kumpateli omkulu kaHulumeni uSir Bartle Frere, obehlala eKoloni, kodwa obekona lapa eSilungwini ngaleyonkati — 1878. Po-ke, ute yena wanquma ukuti: Lendaba yokubanga kukaCetshwayo, iyisisipiso esifanele ukubalwa sibhangqwe nezinye azenzayo uCetshwayo, atunyelwe, akunjuzwe njengokutembisa kwake mzukwana ebukosini —

1873. Kute, yabhalwake leyonewadi yamcindezela ukuba apendule zingakedhluli izinsuku ezi50, nokubizwa kwayo yatiwa "Ugcinazitate" — The ULTIMATUM! Wati uHulumeni:

1. Kipa uM'bilini lowo, oyiloko umgodhlile ingani weqa kubo eSwazini egewelete abantu, ubuye wawela uPongolo ngempi, wabulala washaqa abantu, nezimpahla.
2. Kipa umfowabo kaSihayo, namadodana aka oMehlokazulu, noBhekuzulu, abeqa isikonkwana, bawela uMzinyati, bangena emuzini kaMazinyana, bexosha omkaSihayo baya bababulalela kwaZulu.
3. Kipa izinkomo ezi 500, ngokwedeleta incwadi yenkosu uSir Henry Bulwer, eti kipa izigangi lezo.
4. Hlala futi ngezikomo ezi 100, ngoba abantu bako baganga ngamakosi okuhlola umgwaqo ngasoTukela.
5. Vumela inkosi yomlungu ihlale kwaZulu.
6. Kuyeke ukuvivisa amabuto.
7. Vumela izinsizwa ziganwe.
8. Kumbula ukuti wati igazi kalisayikucitwa uma kungafanele.
9. Vumela abafundisi bapindele kwaZulu.
10. Musa ukuhlasela ungavunyelwe uHulumeni.

Onke lamazwi ayeseqonde **Ukupimisela amate endukwini ukuti**: Sekuyakuti uma inkosi, uCetshwayo, ingakwenzile loko, kulelo nsuku, kutiwe: ZITATE! Kutunyelwa lencwadi nje, isihloma okudala emaNgisini! Kakusakulunya ngendaba yamasotsha kuleli laseSilungwini. Imigwaqo isitunqa izintuli kututwa amasotsha, no-kudhla, nezibhamu! Izwe selibomvu-hxebhu! Bonake amasotsha eza ngezibomvu! Yangenisa isukela ezansi lapo uTukela lungena elwandhle, kuze kuge semtonjeni woMzinyati.

IMIZILA YEMPI, NOKUNGENA KWAYO KWAZULU

Kute ukuba zipele izinsuku ezingamashumi asihlanu, inkosi enkulu yabelungu, uSir Bartle Frere, wantshinga pansi ngokutukula umgodhla wake wenkemba yempi (Scabbard), okusuke kuqonde ukuti: "USESHINGILE — KANTI, KAKONAKALE — KANYE!" Wati: "Kulingene wena manje; mpatisi wempi Lord Chelmsford." Au! yenzek' indaba! Pela kayizange ibapendule abelungu inkosi uCetshwayo. Kwabalukuni kuZulu ukuba kunikelwe uMehlokazulu. Kepake noZulu wonke wakuqonda ukuba UKUGINA SEKUYIMPI! Impi yabelungu yawela ngemizila emitatu — kanje:

1. **Umzila omkulu**, ohamba kanye nenkosu yempi, uLORD CHELMSFORD, wanikwa uKonela Glyn, wabhaboka ngaseMakala, (Helpmakaar).

2. **Umzila opetwe uKonela Pearson**, wabhabokela ezansi no-Tukela — kudebuduze nolwandhle.

3. **Umzila kaKonela Wood — ULUKUNI** — wabhabokela enhl' impela kulo okutiwa "ELOM'BANGO" — Utrecht.

Kute umzila omkulu onenkosu yempi usuka eMakala, wawela uMzinyati waqonda eNQUTU, wabuya weza eSANDHLWANA. Kute kusand' ukuwelwa, kwalwa idhlanzana labantu nabelungu e"NQABENI KA SIHAYO." Kungati kwafa enye indodana kaSihayo lapo. OKonela ababepete eSandhlawane ngoPulleine noDunford. Bekute ukuba inkosi yempi ifike eSandhlwane yabuye yahamba; futi omunye koKonela waya ngase "NQABENI KA MATSHANA." Kute lapa Abelungu behlola eyakwaZulu, kabaze bayibona ndawo. Lokoke kwabenza badelele ukuba bambe! Induna enkulu yempi yenkosu uCetshwayo, kwaku uNtshingwayo kaMahole, besekulandela uVumandaba Kumalo, nabanye. Izigaba zempi yakwaZulu eSandhlwana kwaku yilezi:

1. **ONDINI**: Kwapakwa uTulwana, neNdhlyengwe, noDhloko, nemitelela yalo.
2. **KWAGQIKAZI**: Wapaka Indhlondhlo nemitelela yayo, etiwa Amakwento.
3. **KWANODWENGU**: Wapaka uDududu, neSangqu noNo-kenke.
4. **OKANDEMPEMVU**: Wapaka uMcijo, (uKandempemvu) noMbonambi, neNgobamakosi.

(A) ESANDHLAWANA

Kute kungazelelw kanti impi yakwaZulu isikona lapa; "gimbici, lonke iKamu labelungu eSandhlana!" YIBHUQE! — January 22, 1879. Kuzo zonke izimpi koyiko eyabenza kabi abelungu njengaley. Abasinde lapo yabapata ngamajubane kudekude, eMzinyati ugcwele, kwaba isempu ekaCetshwayo noMbuyazwe, eNdondakusuka — 1856. Kepake uZulu wabuye wapunduleka ngo-kuwela uMzinyati, egasela abelungu bengene ezindhlini zamatshe, bedubula ngezimbobo! Yinike le, impi yenkosu engakaya isiqedwa yidhlanzana-nje! Loko kwenziva ngoba uZulu kayigcini imiteto yezinduna, uma sekushisa emakanda! Yonke imizila yempi yabelungu ebingenise kulezondawo zangaseSandhlwane, yabalekiswa ukuba ilinde amasotsha apuma Engilandi. Kwabuyelwa pezulu eMAKALA — Helpmaakar.

(B) EHLOBANE NASEDUDUSINI

Kuteke eyaseDudusini (Kambule), yapatwa induna enkulu yenkosu, "UMNYAMANA" kaNgqengelele. Yalwa kabike nalapo. Yabenza kabi abelungu, njengaloku niyezwa ukuti basizwa ukubalekela pezulu esiqongweni seHLOBANE, lapo babedubula kahle

uZulu. Bate ukuba babone ukuba intaba kayikweleki kubantu, bayibonga beti: "Umuhle wena Hlobane ufana nesicoco samdoda." Kwati eDudusini yabavimbezela ezinqabeni ababezimbile. Kodwaké yagcina yamcita uZulu ngako njalo ukugasela abelungu emigodini! Kulezondawo uZulu wabulala izinduna ezimbili zempi yabelungu, uPiet Uys, noWheatherley.

(C) ENYEZANE NAS'ESHOWE

Nansoke nayo le, eyawela uTukela ezansi isiqubekela pakati kwaZulu ngendhlela yasEnyezane, nakwaGingindhlovu, nas'Eshowe, naseWombane. Kulezizindawo, izinduna zempi yakwaZulu, kwa-kungoPalane Mkwani, noMabilwana Mdhletshe. Nakuzo lezindawo uZulu walwa ngamawala, nangamaputa ngokwenza "utelawayeka!" Kodwa singesole kakulu ngoba nabantu babelwa ngamasu nezindhlela ababefundiswe ukulwa ngazo nezizwe ezihlome izikali ezinjengezabo. Futi kwaku UBUGWALA OBUBI kubantu ukulwa nenyen indoda ucashile. Kwaduma kakulu kwaZulu ukuti: "Abelungu ngamagwala amabi, alwa ecashile!"

(D) IMPI YOKUGCINA — ONDINI

UZulu wapikelela njalo ukulwa, eti ubatata abelungu ngo- "MHAYIHA," kepa kungasizi luto; ngoba becashe emigodini; kuti uma abantu bedumela, bashaye abelungu kubo zinqwaba! Kantike iyancipa njalo impi yenkos! Po, eyabelungu isiteleka ngokwesabekayo nazo zonke izinhlobo zezibhamu nombayimbayi bokulwa. Kute ukuba babone abelungu ukuti isiloku ihleha eyabantu, nokuti isilwa ngokukenezela, futi isincipile, "BENZA UZUNGU," lokuba ikankase, ibhidhlike yonk' indawo, iqonde kona enkosini oNdini! Izwe-ke, labomvu gebhu, ngamasotsha embete amabhantshi abomvu! Kute mhla zi 4 kuMaqua (July, 1879), basebeukakile owasoNdini. Lapoke izinduna ezinkulu zempi yakwaZulu, nguDabulamanzi (umfowabo wenkosi), noSihayo. Po, kwakusenziwani! Bayifaka abelungu — Mpande-ke kona! Ngesikashana nje bayicita eyakwa-Zulu! **Gqamu!** "Washa owasoNdini!"

UKUTATWA KWENKOSI NGABELUNGU

Kute ukuba inkosi ibone ukuba abelungu sebemcitle uZulu, yabanga le ngaseMfoloz' emnyama, emzini wenduna yayo enku, uMnyamana, obuka "ESIKWEBEZI." Kulelo-ke, kungati yayingenise ku "ZONYAMA," ozalwa ngumfowabo kaSotobe. Kute ukuba abelungu basondele lopo, yaqubekela emzini ka KABONINA, kwasakwaHlabisa. Kepa emva kwako konke nayo yabona-nje ukuba akunakusiza luto. Yavuma ukuba uMnyamana abatshele

abelungu lapo ikona. Bayitata-ke, babuyela nayo kona eMahlabatini. Kuloko kwaqoqwa uZulu, nenkosy yabeka amazwi atile, yawelake nabelungu. Kute njengoba pela iwela, yashiya konke esandhleni sikaZibhebh, noMntwana, uDinuzulu ngoba ngumntwana womfowabo kayisemkulu. Ekuweleni kwayo inkosi yahamba nezikulu ezitile, njengoNgobozana Mpungose, noPosile kaManyosi, nabanye.

Ukubuya kwenkosi pesheya

Inkosi yabuya ngo 1883, emva kokuhlala kwayo pesheya cisho kube iminyaka emine. Kantike naku iyafika sekusuka impi yokubanga kukaZibhebh. Bheka kuwo "amanxuluma."

6. UDINUZULU

UDinuzulu ngumlandeli wenkosi uCetshwayo. Uyena owayefanele ukupata ubukosi esikundhleni sikayise, inkosi uCetshwayo. Unina uzalwa uMsweli wase Manzimeleni, owayeyintombi yomdhlunkulu ezinsukwini zenkosy uMpande. Tina Zulu sasimbiza uDinuzulu ngegama lokuti: **INKOSI**, njengawo onke amakosi akwa-Zulu abengapambi kwake. Loko-ke, ngiqonde ukuti tina ngokwetu wayesapete isitunzi — TITLE — sokuti: "KING," njengoyise uCetshwayo. Kanti lesositunzi abelungu baqala ukusisusa mhla betata uCetshwayo bemusa pesheya, lopo izwe lakwaZulu balidabulala abanumzane — izipakanyiswa — "Chiefs or Kinglets" — 1879, ekupateni kukaSir Garnet Wolseley; lopo eliseMzinyati, lopo kade kwake uSihayo, lapiwa uMsutu, uHlube! Unikwa leyondawo-nje, uHlube ebongwa ngoba kade elwisa bona abelungu ngempi yakwa-Zulu. Pela baningi nje abantu ababehlomile, kakulu besuka lapa eSilungwini. NaseSandhlwana, lapaya, uZulu waqedo abakubo abaningi, ababehlonyiswa ngabelungu, ngokungati uma kucitwa ubukosi bakwaZulu, bayakubusa pansi kwabelungu. Naku, namhla besitela ngamzila munye yonk' indawo: emaPulazini, naseziNkomponi, napi, napi. Igazi elikunjulwayo ngelomlungu kupela! Nantike elinye izwi elafakwa kulawo mazwi okwacitwa ngawo ISITUNZI samakosi emva kwempi: **That Cetshwayo should no longer be supreme in the Zulu Clan Proper, but that his authority be divided between his brothers.**" Lelike, laqondaniswa nendawo ebisazingeleziwe ukuze kuti namzukwana uCetshwayo ebuya pesheya ahiale esenjengesipakanyiswa-nje; ngisho nakuleyondawana ebisasse nesitunzana sokuti: "IZWE LAKWAZULU."



UDINUZULU

Nangoke, uDinuzulu kabulal'uyasizila; uqot'imbokodwe nesisekelo
Nangoke, uDinuzulu kabulal'uyasizila; uqot'imbokodwe nesisekelo,
umpondo zamil'enjeni, ukuba zamil'enkomeni, sasiyakwenz'ama-
gud'okubhema.

UKUTATWA KWEZWE LAKWAZULU

Qondani, loku: Kade ngikuluma ngokwapuewa kwamakosi oHlanga lwakiti, ISITUNZI sokuti: KING. Manje ngizake ngikulume NGOKUTATWA KWEZWE LAKWAZULU. Pela niyazi ukuti lapo izwe lakwaZulu lisenamakosi atiwa KING, lalizimele ngo-bungqongqoshe balo, lalingeze labizwa ngalamagama akomba ukuti selibuswa ngabanye — njengokuti: BRITISH TERRITORY. Izwe lakwaZulu njengamakosi alo, lapuewa ngamaNgisi ISITUNZI sokuzimela ngoNhlabo — May, 1887, laselibizwa ngawo amazwi engiabantu ngesiNgisi. Ezincwadini zabelungu kutiwa: Nguye uZulu owati malitatwe, ngoba engezipate yena ngapandhle kokuhlala elwa yedwa! Nanka amazwi abawashoyo: “With the general consent of the Zulu people, who felt themselves unable to preserve peace and order in their country, the whole of Zululand was declared to be the British Territory in May 1887.” Pela, siyazi ukuti bekuvamile ukuhlisana kalukuni pakati kwezinye izifunda zakwaZulu. Kodwa pezu kwaloko, kako owayengalahla izwe lakubo ngaleyo ndhlela. Kwakungabe bazituta nabo abakwaZulu. Kanti batanda ukudela izwe labo kunokuba bahlalisane kahle! Bahlezi kanjani-ke manje? Kodwa kasazi ukuti kuqinisile loku kusho kwabelungu. Ngokuba kuyaziwa ukuti: uNdabuko, noShingana, nomntwana uDinuzulu bayilwa kakulu indaba yokuba izwe lakwaZulu lingepucwa isitunzi salo. Kodwa uHulumeni wasecinanisela ukulitata ngoba ebona ukuti kubalekelwa kuye ngenxa yamaBhunu ayeseqonde impi no-Zulu, eti, afuna inkokelo yokwelekelela uZulu empini kaZibhebhу eyalwa ETSHANENI.

IZIZATU EZABANGA UKUBA KUTATWE
IZWE LAKWAZULU

Bati kambe abanye uCetshwayo wavalelisa ngamazwi okuti: “Dinuzulu, uze wanele ukukweza isidumbu sami, ubute uZulu ahla-sele uZibhebhу ulwe naye.” Kute-ke, bala, emva kwasikati wasuka eNkandhla, waya kwaZulu, kwahlanganiswa amasu okuhlasela uMandhlakazi. Kute ukuba kuzwakale loko, kwasekushoshela ama-Bhunu, ebhebhezelia kona ukuhlasela uZibhebhу, nokuti azakubal-wissa abakwaZulu, uma uZibhebhу egunyle. Kepa abakwaZulu bakuxwaya loko; babona ukuti amaBhunu la, angu “Neukubili.” Kepa wona afunga agomela ukuti kawayikubiza ngisho nenku kubantu. Nank’ amazwi asezincwadini zabelungu: “The Boer emissaries made a heap of stones and put a stick in it as their oath. One of them took off his hat and placed it on the heap of stones swearing that they wanted neither cattle or land.” Kanti futi be-kute ngapambilana ancenga yena umntwana uDinuzulu ukuba awa-

pelekezele aye oTaka (Wakkerstroom), ukuba alungisele ukumbeka ebukosini njengoba noyisemkulu abekwa yiwo. Pela kulesosikati, amaBhunu ayesahlezi ngokubanga namaNgisi, futi ubukosi bakwaZulu babusenesitunzi. Kute-ke ukuba esakwaZulu isizwe setembe emaBhunwini, kanti uZibhebhу wetemba emaNgisini. Ngalesosikati izwe lakwaZulu, elipakati koTukela noMhlatuze kusuka ezansi kuya enhla, laselihleshulwe labhangqwa nelaseSilungwini ngegama lokuti: "RESERVED TERRITORY" — selipatiswe uJantoni. Kwaba sekutiwe, bonke abantu abangasatandi ukubuswa ngamakosi akwaZulu kababuye kulo. Kwamlungela-ke loko uZibhebhу ngoba naku ubanga nenkosi uDinuzulu, ingani futi ubebangwa noCetshwayo, waze wamgwaza kuleyompi eyavimbezela oNdini. Kuqale ngempi yaseTshaneni, okute ukuba ahlulwe uZibhebhу, wabalekela kona ku "Reserved Territory." Kute ngasemuva kwesikati esitile, nanka amaBhunu abiza inkokelo yokwelekelela kwawo uZulu, kuZibhebhу eTshaneni! Au! MaBhunu nifunani na? "Sifuna izwe letu, elingangobuningi betu eTshaneni!" Wati, uZulu: "Kasikwazi loko." Ati amaBhunu: "Bhemisile, selingase lonakale!" Bonake, amaBhunu asebiza izwe elibanzi kangaka 226,000 acres, elizakudatshulwa izidakadaka zamapulazi angamakulu ashiyalombili — 800 farms — eti, angako amaBhunu asiza uZulu eTshaneni. Kwakubi nje bo! NoZulu wabona ukuti lamuka izwe! "KUZAKWENZIWA NJANI NA?" Kwase kutunywa uNdabuko noShingana ukubikela uHulumeni wamaNgisi! Kute amaNgisi abutela umhlangano eTekwini, kwabizwa nenkosi yamaBhunu, eFilidi — Vryheid. Au, amaBhunu akuza ugwalamela, nomhlangano wahlukana kuzibhengubheng! Ati, "Bhemisile sizakuwaqondisa amaKafula!" Kute ukuba uhlakazeke umhlangano, umpateli kaHulumeni wahlala ebhalelana nenkosi yamaBhunu — Lucas Meyer, eFilidi, — encenga kona ukuba kulgiswe leyondaba ekalisa abakwaZulu. Kubuye kwati dukuduku, abakwaZulu batumela kuHulumeni ngokuhlushwa kwabantu ngamaBhunu, edaxabula isilisa nesifazana nezingane, kuzo zonk' izindawo ezakiwe ngamaBhunu; abanye benezingozi emakanda, abanye benexizatu emhlane. Kwati dukuduku futi, kwatunywa oSiziba, noZeyise, noMlwane ngendaba yokudutshulwa kukaDabulamanzi, nokushiswa komuzi wasoNdini ngamaBhunu — uNdi olusha olwakiwa inkosi uDinuzulu ngaseNhlatzshe. Balake, wabuye wahlangana omunye umhlangano. Kodwa kwabakubi ngoba abelungu benza isigungwana sabo; ingani sekuyopetwa inkulomo. Kute abakwaZulu bengazelele, kwasekubikwa ukuti umhlangano unqume ukudabulela amaBhunu izwe, kanje: ukuti kuhle amaBhunu akawule kude neBabanango neNhlatzshe ngasentshonalanga, nokuti esikundhleni sokuba amaBhunu atande ukuze aye akahleleke oPongolo, ngaseNyakata, kuhle umkaulo utatele enhlokweni yeMfoloz'emhlope pezu kwentaba yaseDhlebe, noCeza, kwehle ngendhlela yaseMkuze, noMkuzana, kuntanaze ngokalo Iwezintaba

zasoBonjeni. Kwatiwa izwe elingasempumalanga kwalomkaulo lingama njengoba kade linjalo. Kodwa-ke, onke amaBhunu abeskona, enezindawana, angayekwa azakele. Kwatiwa izindawo ezizakuba ngezamaBhunu nya, kuzakuba yilezi: Kusuka entabeni **uHLOPEKULU** kuqonde **eHLOKOHLO**, kukahleleke eMhlatuze, umkawulo kube umgwaqo osuka enhla noMhlatuze, uze ufike ezbukweni leMfoloz'emhlope ngasoNdini. Kulelozwе asalelwе isi-qintshana sakwaNobamba esinaleyondawo etiwa, "EMAKOSINI." Kwabetusake loko abakwaZulu. Futi kwafumaniseka ukuba izwe lonke selibuye emaBhunwini. Kwasekubhalwa incwadi eyisikalo kuKwini ukuba yedhluliswe ngumpateli wake (Special Commissioner), yasiwa nguShingana, noSibamu, noMthsubhana. Po, kusenziwani. Bati Abelungu: "**INDABA ISIPELILE**," besekulindwe izikulu zakwaZulu ukupelekezelababuli! Kwasoleka loko ukuba kunqunywe indaba ngasese; kanti futi izwe elidatshulelwе amaBhunu lizakucita izifunda eziningi, njengalezi: esaseMgazini, nesikaHamu, noMdhlalose, nesaseBaqlusini, nenxenyenekulu kaButelezi (sikaMnyamana). Kute kutata basebebhecwа ngobende kutiwa, liningi izwe okwakungelika Zibhebhу (okuyikona kwaxabanisa izwe ngasemuva). Kwasekutiwa uZulu katume amadoda azakuhamba nabababuli. Kwaqalwa ngo 4 kuZibandhlela December 1886; kepa kafikanga uMENI, isitunywa sikaZulu. Kwakuye ihumusha loMntwana, uMatini Lutuli; kodwa ezbukela nje. Kute dukuduku kwafika uKwabiti (Langa) naye kodwa engesiwo amehlo kaZulu kuloko. Kute ngonyaka olandelayo, ngoMasingana — January 3, 1887, kwaba kona omunye umhlangano, okute kuwo wabakona uMntwana uqobo Iwake, nendunankulu kayise, uMnyamana kaNgqengelele nezinye izikulu zakwaZulu. Besekuke kwati amaNgisi akomba ukuti abakwaZulu angabasiza uma bevuma ukuba izwe labo litatwe yiwo lime ngokuti "British Territory" noma "British Protectorate" (annexation). Kwabesabisake loko abakwaZulu, ngoba kususa igama lika "KING," namandhla okuti basazibusela, kupela ukuti sekulizwe likaHulumeni alibekele amaCHIEFS, alinganayo kupela — njengoba kwati ukuba libizwe kanjalo noDinuzulu base bem'biza ngoChief, noSolomon bem'biza kanjalo! Impela Abelungu basibandhlulula kabi isikumba esimnyama. Kako uMntwana wenkosi obizwa ngegama elipansi kangaka! Nakubo abantwana bamakosi, abapete isitunzi sokuti, "KING," bahlonishwa ngokuti "PRINCE" okungeshiwo kumuntukazana noma epata sipi isikundhla, uma engazalwa eNdhlunkulu. Udukile umuntu oca-banga ukuti Abelungu umhlaba baupatele uNkulunkulu, baupatele isikumba sabo nobuhlakani babo, okuyizona — 'nto zibonakala impela ukuti zibusa inhliziyo yomlungu, njengabaFarisi bebuswa "UKULUNGA KWABO." Kulomhlangano, bala impela abakwaZulu ukuba kudatshulelwе amaBhunu izwe, nokuba balinikele esandhleni samaNgisi. Balidabula-ke baqeda bahlakazeka. Manje

kwaseku 'uMalumade (Melmoth Osborn), umlungu opete izindaba kubantu; ikamu lake liseDhlebe. Kute ukuba abadabuli bahambe wasal'ehlanganisa uZulu, ebulunga amasu okubavumisa banikele izwe lakwaZulu kubelungu. Wahle wabacindezelu impela ukuti uma belibala, pinde abasize uHulumeni kulezizingozi ezibakakileyo. Bonake pela bebeti bazibika ngenxa yamaBhunu! Kanti laba sebeti: "**IWE NGOPONDO KWAZULU!**" Kwabahlwela-njeke, lapo. Ute etata uMalumade wasebagema ngezwi lokuti: uHulumeni ukuvumile ukuba izwe lakwaZulu elingasempumalanga komudwa odathshuelwe amaBhunu lizakuvikelwa uye. Bonake loku lidatshulwa njalo, akona amaBhunu avaleleka ngakwelabantu, okunqunywe ukuti: angesuswe ezindaweni zawo abezamukele ngapambili. Nabantu bayabona ukuba kuzakuya ngokuya abagudhlule. Kwabonakala ukuba loko kumemezela kuka Malumade kunquma eduze, ukuti: uma uZulu eti, "**KASIVUMI.**" Sekuyakupela ukuzikalela kwabo kuHulumeni. Uma beti: Siyavuma, sekuyakuba ngelikaHulumeni elakwaZulu! Basebezama isu elipakati lokupendula, okutiwa uSomtseu, wati: "**IFIHLISELE!**" Bati: "He characterised the assent given by the Zulu authorities as half-hearted." AbakwaZulu bati: Bungepele ubuhlobo betu noHulumeni, obaqanjwa uShaka mzukwana etuma uSotobe eNgilandi. Njengaloku uZulu ekombe ubuhlobo obukona kuZulu noHulumeni kwatiwa: "**SEKUYISINQUMO SOKUTI IZWE LAKWAZULU SELITETWE UHULUMENI NGEMVUME KAZULU WONKE.**" "With the general consent of the Zulu people, who felt themselves unable to preserve peace and order in their country, the whole of Zululand was declared to be BRITISH TERRITORY — 14th May 1887. Kasazi ukuti INDHLU EMNYAMA yakuqonda kahle yini lokukusho kwabelungu ukuti kanti izwe lakwaZulu lanikezelwa ngabankazilo kubelungu, ngoba uZulu ehluleka ukuhlalisana kahle!"

UKUXABANA KOMNTWANA NABELUNGU

Nakoke, sekuti ukuba kumenyezelwe ukuti: IZWE LAKWAZULU. SEKUNGELABELUNGU, kwasekulandela imiteto ekade ingeko kwaZulu, eyakombisa impela ukuti uDinuzulu kasenamandhla kuloko amakosi akwaZulu abenamandhla kuko. Futi akukanyi ukuti ngobani laba okutiwa bavuma bonke "GENERAL CONSENT," loku kutiwa uDinuzulu wenqaba ukuya kuleyomihlangano yamaBhunu namaNgisi yokudabula izwe. Nabo oNdabuko, noShingana, noMnyamana babeya ngezwi abapuma nalo emkandhlwini kaZulu! Leyomiteto iyasho ukuti ISITUNZI SOKUTI "KING" sacitwa impela kusuka ku 14th May, 1887. Bati: "By these laws and regulations there was no special status recognised as belonging to the heir to the Zulu kingship or the members of the Zulu royal family. They contemplated equality of authority in all

Chiefs, and were silent as to who were to be recognised or appointed as such."

Kutiwa lesosimemezelo sokutatwa kwezwe lakwaZulu safundwa Eshowe ngumpateli kaHulumeni, kugewelete izikulu zabantu, nabantu nje; balibingeleta iduku labelungu elalipakanyiswe ngalelolanga. Kute ngo 7 ku Maquba lapakanyiswa Enkonjeni, nalapo balibingeleta abantu. Kutiwa lapo kwakubhekwe abeNdhlunkulu. Kwafika uNdabuko (umbambeli woMntwana), noShingana, noMnyamana; kodwa wayengeko uMntwana. Kutiwa umumo wabantu wau600. Kute ngasemuva kwatunywa amapepa epete isimemezelo sokutatwa kwezwe lakwaZulu, nemiteto emisha, kuDinuzulu, kodwa wenqaba! Uma kunjalo, kakukanyi ukuti abantu bakwaZulu benza "GENERAL CONSENT." Abantu kabapambani nentando yenkosy yabo! Kepa amandhla amakulu ayekubo oNdabuko noShingana, noMnyamana, ababengamadoda amadala bepatele yena uMntwana, uDinuzulu. Mhlaumbe kwati ngokucindezelu kwamaBhunu; babona ukuba kungeyekwe ukunanyatelwa kuwo amaNgisi, kona kwakungaziwa ukuti ate izwe alibe pansi kwawo-nje, aqondeni? Kepa kuyasolisa lokuya okwenziyayo ukunquma amazwi okudabulela amaBhunu izwe lakwaZulu ngasese! Kanti umhlangano wokuqala wehlukana kungavunyelwene nempela?

IZIXABANO

Kute ukuba izwe lakwaZulu libepansi kwabelungu, balishayela imiteto ekomba amandhla anikwe izipakanyiswa ekuteteni amacala amakulu namancane. Pela amacala amakulu ngisholawo okutiwa "amacala egazi." Abanumzane banikwa amandhla okuteta amacala amancane. "Such as were to be regarded as entitled to the Office were given jurisdiction in all causes between Natives and their respective tribes; and in criminal matters their powers were limited only by certain classes of crime involving capital punishment under Roman-Dutch law, and of pretended witchcraft and faction-fighting." Kulamacala-ke, amandhla kaDinuzulu alinganiswa namandhla ezipakanyiswa. Lokoke, kusobala ukuti kwaku **UKUXABANISA** uMntwana nabantu bake; futi nganxanye kwaku **UKUMEHLISA** ebusweni babantu! Kakumangalisi nokuba uDinuzulu engayinakanga leyomiteto; ikona inkosi ekade ibusa umhlaba ependulwu injia ngaleylo ndhlela? Ingani ngisho nanamhla kuyisituniso esibi ukubiza uSolomon ngokuti: "Chief" ingani, futi lonke untkazana lubizwa kanjalo. Ingani ngisho zona izipakanyiswa kazitandi neze ukuba uSolomon abizwe kanjalo! Esinye isipakanyiswa samjezisa umuntu esikulekela ngokuti **BAYEDE!** Sati: angalokoti asho njalo kuso, kupela kuSolomona, inkosi yezwe! Abelungu kabayiqondi neze ingqondo yabantu. Batata bezenze abahle ku-

bantu noma bengebahle. Ngisho nanamhla akako umuntu otanda loko okwenziwa ngabelungu: **UKWEHLISA AMAKOSI OHLANGA!** Loko kuyakuhlala inzondo kubantu nabelungu izizukulwana ngezizukulwana. Kanti abelungu bakulekelwa njengamakosi **OHLANGA!** Abanye sebetanda ukuba kutiwe, "**BAYEDE**" nako, kepa lelogama kalingangabo, ngoba ngolimi lwakubo liti: "**HIS or HER ROYAL HIGHNESS, MAJESTY.**" Kako umlungu ongavuma uma kushiwo loko kuye. Ngisho kufunyanwa loko encwadini yake angaboshwa kutiwe unecala lika "**HIGH TREASON**" okuti uqonde ukucita inkosi. Futi-ke kubelungu ngeke sisuswe lesositunzi noma inkosi yahlulwe. Nabantwana bayo bahlonishwa ngokuti "Prince" or "Princess." Impela abelungu basizonda kabi **ISIKUMBA ESIMNYAMA!** Bayashoke nabo abelungu ezincwadini zabo, ukuti: uDinuzulu kahambanga ngaleylo miteto abayimisayo. Bati: "But either he or his uncle and guardian Undabuko continued to administer the affairs of his people who adhered to him in the same manner as had previously been the practice."

Kute kwanukwa umuntu, igama lake ku uMfokazana, owayake enhlanganweni yeSikwebezi neMfoloz'emnyama. Inkosi; uDinuzulu, yaliteta icala lake njengamacala onke abantu abanukiwego kwaZulu. Kwase kuxabana uMkosana nomfowabo uZonyama, owayake ngasentatshaneni iNDunyeni ebheke, isigodi saseMona; naye wadhliwa izinkomo. Batukutelake abelungu, bati uDinuzulu kazibuyise izinkomo, necala kalitete kubo. Kute ukuba enqabe wasebizwa kanye noNdabuko eNkonjeni, sekufike uMpateli kaHulumeni. Kute futi ukuba enqabe ukuya lapo, kwatunyu impi ukushaya izinkomo ezi30 ku Mntwana. Loko-ke, kwase kupemba obunye ubunyakanayaka bezwe! Kepa-ke futi, kwabakohlwa nje abakwaZulu. Sengati, njengaloku uMntwana wayengazange avume ukuba izwe litatwe abelungu, kwabalukuni ukubekezelwa ukudhliwa kwezinkomo zake. Umkandhlu kaZulu wanquma ukuba uMntwana ahambenno noNdabuko, noMahanana, noMabhoko, noBantubensumo, noTshani-bezwe, bay'eFilidi, kuwo amaBhunu, babuzisise ngokutatwa kwezwe lakwaZulu, nokususwa kwesitunzi sobukosi kuDinuzulu. Loko kwawatukutelisa amaNgisi, ngoba wona aqonda ukuti manje izwe lakwaZulu sekutu "**BRITISH TERRITORY,**" noDinuzulu sekutu "**CHIEF.**" Lokoke amaNgisi aseti i"**HIGH TREASON**" kuDinuzulu. Kwabuzwa ukuti ubeye ngani emaBhunwini? Wati, uye ngokutatwa kwezwe lake, nangokuba usenziwa umuntukazana lapo eshaya abantu bake ezweni lakwabo. Bati uDinuzulu wasenza i"**HIGH TREASON,**" ngoba izwe uZulu waye selinike abelungu, noDinuzulu wasuswa isitunzi sobukosi: "It was to secure himself in the kingship that Dinuzulu had embarked on the proceedings which had culminated in the ANNEXATION, and the terms of the annexation deprived him entirely of the kingly office." Bati: uZulu

wakwemukela kahle ukubuswa ngabelungu nezikulu zayivuma imali ezizakuhlala ziyisavunelwa uHulumeni! Bati yenqatshwa uye uDinuzulu noNdabuko. Nempela-ke loko kwakubonakala sengati **INKOKELO YOKUBA ABELUNGU BECUBUZELA IZWE LAKWA ZULU.** Bati: "It was entirely from sentiments of loyalty to Dinuzulu as heir to the kingship that any objection existed at this time. The MAJORITY of the people accepted the change cheerfully, and especially those who had for some years experienced a modified form of British rule in the RESERVED TERRITORY." By the settlement it had been arranged to pay stipends to certain chiefs, principally members of the royal house, and these had been accepted, except by Dinuzulu and Undabuko. Umnyamana was showing signs of a disposition to secede from the royal cause."

ISIXABANISO ESIBI NEMPI YAKWA CEZA

Uma kambe nikuqonda kahle loku esekulunyiwe nokutatwa kwezwe lakwaZulu (14th May, 1887), nangokususwa kwesitunzi sobukosi kuMntwana, uDinuzulu, niyobona ukuba abakwaZulu babengakuvumi nempela loko. Namzukwana bezibika kuwo amaNgisi, babengaonde kona **UKUWANIKA IZWE LAKWAZULU.** Kodwa atola **UKUNGENA NGENXEBA**, ngoba uZulu exinwe ngamaBhunu. Aseti-ke wona: ukunisia kwetu kuzakuba **UKUMEMEZELA UKUTI IZWE LAKWAZULU SEKUNGELAMANGISI.** "It is understood by the Zulus that the ASSUMPTION of the Queen's authority is Annexation to the Empire or Protection?" "Mr. Osborn RECOMMENDED ANNEXATION." Kute yena uMalumadi (Osborn) ukuba abone ukuti abakwaZulu kabavumi ukuzwana namazwi okuti izwe sekungelamaNgisi, nokuti isitunzi senkosi yohlanga sisuswe kwaZulu, watukutela wasecabanga isu lokubacindezelwa impela abakwaZulu. Nango-ke esekumbula isu lokuti konje kukona uZibhebhlu, owacitwa kwaZulu ngempi yas'ETSHANENI. Uyakuqondake ukuti uZibhebhlu lo, uyimbuka, kayitandi indhlu yakwaZulu seloku kwasuka emibangweni yokubekwa kukaCetshwayo. Ngokushesha kwatiwa: uZibhebhlu kabuyele emanxiweni ake kwaZulu! Kunjalo-nje, izwe lake selakiwe ngabaka Dinuzulu, futi balimile ukudhla kusemasimini, kuluhlaza! **NASO-KE, ISIXABANISO ESIBI!** Sebebuza abakwaZulu ukuti, bazakwenzenjani na? Kwatiwa: **KABAMBULULE OKUSEMIGODINI BAHAMBE NAKO**, sebengakokela okutile ngaloko okusele emasimini. Wangquzuka-ke uMandhlakazi kuleli langas'Eshowe; esehlome epelele, ebona futi ukuti ubuyiswa nje sekucitwa ubukosi bakwaZulu ayebubanga! Kwadilika nenduna yake uSikizane owayebalekele eSwazini. Kwajabula nomfowabo uHlomuza owayesale esezikonzela kona kwaZulu. Inkosi yabellungu (Governor) yabiza uDinuzulu noNdabuko Eshowe, lapo

kutiwa yapimisela amazwi okuti, “**Ninandhlu kaShaka seninjengento eyedhlule, seninjengamanzi acitekileyo.**” “The house of Shaka is a thing of the past, like water that is spilt.” Onke lawo mazwi amabi akishwa ngoba uDinuzulu noNdabuko bengavumi ukunika abelungu izwe lakwaZulu, nokulahla isitunzi sobukosi bohlanga. Ingani impela babenza kahle. Kanti kabangayiso yini isigqili sika Jakobe uEsau esetengise ngobuzibulo bake? Ngubani ongapa omunye umuntu uyise nonina? Izwe lakubo umuntu liuyise, liunina; ngoba wazalelwu kulo, wakulela kulo, wondhiwa yilo! Kanisibonike namhla isiqalekiso esenziwa ngabantu, bahlangana nezizwe zifika, batata izikali, bacita igazi labafowabo ngempi yakwaZulu, nangaye uZibhebhlu lowo, nangezinye? UKAINI WABULALA UMLOWABO. Waxoshwa ezweni lakubo, kwaitiwa. “**USUTUKIWE EMHLABENI OKAMISE UMLOMO WAWO UKWAMUKELA IGAZI LOMFOWENU ESANDHLENI SAKO!** UMA UWULIMA, KAWUSAYIKUKUTELELA LUTO WENA; USUYAKUBA UMNDINDI NOMHAMBUMA KUWO!” (Gen. 4:11, 12). Kunjani namhla kubantu bakiti ngokulima umhlaba, nangenhlalo yabo kuwo? Kwati lapo abelungu behlomisa abaseSilungwini ngempi yakwaZulu, batutaza abantu ngokuti bayakucita UMBUSO WEZIXWANGUXWANGU (Savages),—oqonde ukubhubhisa yonk’ indhlu emnyama. Bati: uma kuciteka lombuso, bonke abantu bazakuzihlalela kahle! Nalapo elakwaZulu sebelisusa isitunzi sobukosi batutaza uZulu ngokuti: VUMANI SIWUHLAKAZE LOMBUSO WEZIXWANGUXWANGU OZAKUNIQEDA, SINIBEKE NIYE NGAMAKOSI NGOKWENU, UKUZE NIZIBUSELE. Nankoke amasu okwanyonyotshelwa ngaw’ **UMHLABA** wabantu, kanti kuqondwe **AmaPulazi, neziNkomponi, neziMoba, namaDolobha,** lapa namhla abantu becitwa umbuso wokukanya nowokulunga! **Abantu bakala lonk’ izwe namhla!** Bakumbula yena uCetshwayo — abamecebayo, noDinuzulu — owabadinayo! Pela abelungu batola isu lokungena abantu ngoShaka owahlalisa abantu kabi. OMpande, noCetshwayo, noDinuzulu babengenayo neze imikuba kaShaka. Bonke abantu basebezhlhalela emanxiweni abo. Kangikupiki ukubulalana kwezindhlu zobukosi ngenxa yokubanga, njengaloku noZibhebhlu lo, useze abulale ubukosi bakwaZulu ngabelungu-nje, kusuke kuyo imibango yobukosi. Kwati-ke ukuba uZibhebhlu abuyele emanxiweni ake, kwasuka esikulu isinyakanyaka. UDinuzulu wayenqabile kuye uMalumade ukuba kubuyiswe uZibhebhlu; kakulu ekomba ukuti bangehlalisane kahle ngoba noyise, inkosi, uCetshwayo yabulalwa uye. Po, kwahlonyelwana-ke. Naku pela nabakwaZulu (uSutu), kabaqondi ukuba kovelani njengoba nangu uZibhebhlu ubuyiswa nje, kuxatshenwe nabo; sebeshiyiswa nokudhla emasimini! Kute bala efika wati kabasuke ngokushesha labo abangapakati kwesikonkwane selakwaMandhlakazi nelasoSutu. Kepa kwabanga ukuxabana loko. Kute kwetukwa, kwasekufe

abantu ababili lapaya ngakuloya mfulana, uMtatube, kanti sekulwa bona bakaZibhebhlu nezinsizwa zikaNkowane. Kanti-ke loko, kwasekuba ukususa impi njalo. Poke, loku uZibhebhlu wenza-nje, usebona ukuba usekwapeni labelungu. Lakungela-ke icala ku-Mntwana nakuNdabuko. Kute kutata kwakuzwakala sengati abanye abantu abenza isidumo lapo esikonkwaneni bacashe ku-Mntwana oSutu (njengaloku nakuBhambada kwabakona abasho njalo). Kute ukuba babizwe bangabonakali, bahlasela oSutu abelungu, kugewe noNongqai babantu. Kodwa kakubonakali ukuti labobantu batolwa oSutu. Kungati noMntwana wayengeko, kupela uNdabuko. Kute dukudu, yapumelana entaben manje impi. Nangua uZibhebhlu eponseka kwaNdunu; nantuya uSutu kwaCeza. Yeza futi eyabelungu isuka eNkonjeni, yedhlula ngeyaseziMfabeni! Basebemdule uZulu kwaCeza! Balishaya balivitiza ihlati beti bapakati abantu. Kanti abantu bayibone qede, eyabelungu badundubala ngapezulu. “**USUTU!**” Nangu uZulu eseteleka kubelungu belibele ukushaya ihlati? Nampaya beshaya becita! Enkonjeni ngamajubane! Emva kwaloko kwabakona ukulwa kulo uSutu noZibhebhlu kwaNdunu ngoba pela nango uZibhebhlu ungenise kona. Lwababhuqa uSutu lapo! Kwasekubakona ukulwake ezi-dawaneni eziningana, kufa nabantu, kusha nemizi, kudhliwa ne-zinkomo. Kepa uZulu wayesemi kabi. Kwasekugewe amambuka abalekela kubelungu. Ngisho nenduna enkulu yakwaZulu uMnyama kaNgqegelele, wayeselhubuke noZibhebhlu. Kepa noko uSutu lwake lwaya nayo impela impi yabelungu nekaZibhebhlu, kwaba kubi impela, yeza nayo ezindaweni eziningi, njengakwaHlopekulu. Kodwake, bagcina ngokuyibhedula abelungu behlangene namambuka, sekuteleka namaSotsha epuma kwezinye izindawo.

ICALA EMVA KWEMPI

Kute ukuba uZulu abone ukuti akusasizi luto watela. Babanwa abakulu bakwaZulu, kwatetwa icala Eshowe. Ababene cala kakulu pela, kwaku uye uMntwana uDinuzulu, noyisekazi uNdabuko, noShingana. Kwanquywa ukuba bayiswe esiqingini iSt. Helena, lapo kuvama ukubekwa kona amakosi anecala lokulwa, njengenkosi uCetshwayo, noShaka wamaFulentshimane, uNapoleone Bonaparte 1815-1821. Abanye abaqamile ohlangotini lwasoSutu, kwakungo Somkele, noNdabayake, noLugoyozo, noDhlemdhlemu, noMasekwna. Pela njalo, icala litelwa pezu kwabo ngamambuka oZibhebhlu; noHamu (wenkosi njalo uMpande, usenikela izwe lakwaZulu, nesitunzi sobukosi kwabezizwe), noSokwetshata, noMgitshwa. Uku-nqunywa kweminyaka esiqingini kwaba nje: UMntwana yaba 8; uNdabuko 15, uShingana 12. — 1888.

UKUBUYA KOMNTWANA PESHEYA

Kute-ke ngalonyaka 1898, wabuya uMntwana kanye nabo oyisekazi oNdabuko, noShingana. Kwabakuhle kwadela kuZulu! Kwajabula uZulu wonke. Abanye baquba izinkomo ukubingeleta inkosi. Kwezwakala nokuti. "Inkosi isikoliwe, isifunde nencwadi!" Abanye bashabashekela kona ukukolwa, nokufunda. Kodwa-ke bonke balindela izwi elibuya kuye uMntwana. Lajabula yini bo, ibuto leMbokod'ebomvu ngokubuya kwenkosi! (ngoba pela liyintanga yayo inkosi). Kute umuntu eza kwasekuqame amabuto amasha: "Ingubokakundhlase," (elabuye labizwa ngoFelapakati), kwalandela u"Dakwakusuta" (elabuye latiwa uHaylwengwenya), noMavalana, noVukayibambe, neNtab'engenaliba. Kute lapo sebebuya ababeyobingelela inkosi, kwezwakala ukuti: Ca, inkosi kayipatanga luto kakulu oluqondene nokukolwa, nokufunda. Kodwa kwangati inkosi ikombile nje, ukuti njengaloku nayo isinje, angazikolelwa, futi azifundele otandayo. Lapo-ke, umuntu ufisa sengati ngabe kwaku uShaka — Mfesi kutanda ukulunguza kuzo zonk'izoco; ngoba uma kwakuke kwavela inkosi eshaya umteto wokufunda kuZulu, kwakuyakuba "uyihlom' otini!" UZulu lo, wayeyisizwe esojwaye ukulandela "**IZWI**" elipuma emlonyeni wenkosi. Ngisho namhlanje, uma umuntu eveza udaba, ungase umuzwe uZulu eti: "Livela-pi ke, lelozwi?" Uma lingaveli enkosini, besebeti, "Ha! Kanti nipiye ngowangala nje!" Ahlakazeke njalo uZulu ngoba etanda ukulandela izwi lenkosi, njengoba enguZulu kaMalandela. Sasiyakuba nengqondo lesisizwe, ukuba sasiholwa ngendhlela eyiyo ngoba **Sitanda ukulandeda**. Ngisho namhla abanigi bat: **Ngabe siyazaka ukuba abangamakosi ezifundeni bayasitshela**, ngoba pela ubukosi obubodwa sebafawa pansi konyawo! Kepa-ke, nayo iNgane yenkosie, uSOLOMON, kasizwa ntshisekelo yake ngemfundu. Ngoba tina Zulu sazi ukuti uyinkosi, nakuba singamniki ukuti "KING," ngoba singebe sisamtela inzondeko enjalo, eyazondwa kuyise njengoba kubhalwe kuyo imiteto eyashaywa emva kwempi yakwaZulu 1879. — "They (Laws and Regulations) contemplated equality of authority in all Chiefs, and were silent as to who were to be recognised or appointed as such, viz.: There was no special status recognised as belonging to the heir to the Zulu kingship or the member of the Zulu Royal Family." Nitike, kusuke kusalungile lapa imiteto iti: Kuleso sizwe kakusanakwe nkosi, nabani okutiwa ngowendhu yobukosi, kodwa sekungabantukazana nje, abalinganayo kuloko ababekwe kuko? Kona kubelungu balingana bonke-nje, abangapansi kuka "King?" Ingani amakosi asezinkantolo kawalingani nomntwana otiva, "Prince." Tin' abantu kasi-namkulumele nempela kulaba ababekwe ukuba basikulumele.

IZINHLUPEKO ZOKUGCINA ZENKOSI UDINUZULU

Kute ukuba kupele iminyaka e8 emuva kokubuya koMntwana pesheya, kwabhaboka ISIDUMO SEMALI SAMAKANDA, esitiwa namhla: **IMPI KA BHAMBADA** — 1906. Nonke kambe niyazi ukuti nakuba uMntwana engazange alubeke unyawo eNkandha, futi engazange asitate isikali, amazwi abantu, mhla wecalu emva kwempi, amfaka ecaleni waze wacitwa nasekaya wabekwa le, eNtalasifani, okunjengokuti wapindela eSt. Helena. Kulenyondawo wahlala ngokugula, okwaze kwati izinyanga zabelungu zanquma ukuti kawele ayogezo ngomtiki — hot springs kwelamaJalimane. Kute kuse njalo, isifo samcindezelu, samahlula Oct. 18th, 1913. Kute kuloko, induna yake enkulu, uMankulumana, kaSomapunga Ndwandwe, wacela kuHulumeni ukuba inkosi iyolondolozwa endaweni yokoko, "Emakosini," kwaNobamba; bala-ke loko kwavumeka. Mhla elondolozwayo kwakugcwela abantu nabelungu; ngingakulumeke ngenkosazana kaSobantu, uDhlwedhlwe.


AMAZWANA OKUGCINA NGENKOSI UDINUZULU

Siyabona ukuti inkosi yakwaZulu yatola okukulu ababengaku-tolanga oyise, noyisemkulu. Impela ukuba yayinomqondo onjengo kaShaka, kwakuyakungena ukuhlakanipa kwaZulu. Poke, kusobala, ukuti nayo yayinenhliziyo yokunganakisasi loku kwabelungu. Kanti loko kwalibulala izwe lakwaZulu. Kute uDinuzulu ebuya pesheya, wapiwa indhu Eshowe, nakuba ukona umuzi wake kwaZulu. Kwa-kufanele acele indhu yokufundisa izipakanyiswa, noma abantabazo, ngoba wayesetole umnyango wokwazi oseduze. Po, uhlanga lwakwaZulu luyalibala ukubona okuzakuveza — isibusiso ngomso. Esingakubonga kakulu kulenkosi yakti, yiloku: ukuba mhla abelungu beti izwe lakwaZulu alibe "BRITISH TERRITORY," kalikipanga emlonyeni wake izwi lokuvuma loko. Yena, noNdabuko, noShingana, bacela ukuba lezizizwe ezibili amaNgisi, noZulu, zihlali-sane ngobuhlobo nje, njengamazwi kaShaka atunywa Engiland ngoSotobe noMbozamboza. Nakuwo amaBhunu Etshaneni akohlisa uZulu ngokuti, kawafuni nankomo, namhlaba; ngoba uZulu wayekuxwayile ukwanika izwe. Asengena ngalelosu ukuba uZulu abone ukuti kanti lesisizwe sinobuntu. Kodwa zozibili lezizizwe ama-Bhunu, namaNgisi zazijonge izwe. Nangoke uDinuzulu sebelwa naye umhxolohxolo ngoba engavumi. Kute ukuba bamahlule, sebesizwa ngamambuka, bamisa imiteto emapuca onk' amandhla obukosi. Kutiwa kwagcina kanje: "A period of peace ensued, during which the house of Zulu had no share in the direction of affairs!" Lamazwi ashiwo ekugcineni kwempi, lapo uMntwana uDinuzulu, noyisekazi oNdabuko, noShingana, basiwa eSt. Helena — 1888.

7. USOLOMONA

USolomona lo, uye engumlandeli wenkosi, uDinuzulu. Kute ukuba ipetwe indaba yokulondoloza inkosi "EMAKOSINI," uZulu wanquma ukuti: uSolomona (uMapumuzana) uyena umlandeli wenkosi. Umfowabobo, uDavide (uNyawana) wanikwa isifunda saseBaqulusini. Kasazike, lababantwana benkosi, basebancane. Kakukaqondakali nokuti imiqondo yabo izakubheka-pi, nokuba izakuhlala ilangazelela uhambo lwawayise, noyisemkulu; noma izakushisekela okusha. Mina ngibafisela: 1. **Umqondo kaShaka, eku-funeni ukuhlakanipa kupela.** Ca, ngobundhlobane bake abulala ngabo izwe. UShaka wayengatatazeli. Wayetanda ukubuka into isicwebile, aze akwazi ukuyenyula. Lokoke wakufunda kuDingiswayo, inkosi yakwaMtetwa, eyakufunda kubelungu. Bala, walahlula izwe, kodwa-ke, walinyazwa yinhliziyo yake engenabuntu; okwenza ukuba apendukelwe ngabapansi bati kabulawe ngabafowabobo.

(2) Nganxanye-ke, lababantwana ngibafisela inhliziyo kaMpande owapata kahle umuzi kaMageba, kwangati uPunga noMageba bavukile bazipatele matupa. Ngako-ke izinyoka zaoPunga zamtotobisa uMpande wahamba waze wapuziswa ubisi. Nesizwe sakwaZulu sakula kakulu njengoba kukulunywe ngamabuto ekungeneni kwendodana yake uCetshwayo ebukosini. Encwadini yeNkosi kutiwa: "Obusa pezu kwabantu makalunge — abenjengokukanya kwakusasa ekupumeni kwelanga, ukusa okungenawo amafu." (II.Sam. 23:3, 4.) Kunjalo ukuba uMpande abusa isikati eside. Abantu babevuba ngoludala iminyaka e32. Pela amadhlozi lana, ayefana nabajezisi bakaNkulunkulu, kulesosikati umhlaba obusembeswe ukungamazi uNkulunkulu. Lababantwana benkosi, sengati bangapiwa ukulunga, ngoba noma benganikwe situnzi sobukosi, usasele umndondondwana ezinhliziyweni zetu ukuti bangamakosi — kakulu uSolomona, owapatiswa "umkonto" kayise. Sengati ezinsukwini zabo umhlaba wakiti untaguquka wamukele ukukolwa nemfundo.. Kwangati ezinsukwini zabo kungafika leso sikati okutiwa ngaso: "AmaKushe ayakushesha ukuyisa izandhla zavo kuNkulunkulu." Sengati singapela lesosikati sokutanda izimpi, esabulala umhlaba wakiti.



USOLOMON

umlaza ngameva, umamba ziza zimbili emzini kaMageba, kangiqedi nezakuvus'umuzi. Upambanise ngezobumenenja bamasotsha.

AMAGAMA ABANTU ABADUMILEYO

uADAM KOKO: Kwaku yinkosi yama "Hiligwa" — Griquas. Um'bala wake ufumbete ububhasitela beBhunu nomuntu Mhlaucombe watunjwa ngabelungu basendulo ababetenga abantu, betumba nezingane kuleyo mifula emikulu engena entshonalanga neAfrika — Orange River, Congo River. Kungati ute ebuya pesheya nesizwe sake, wabuya esaganwa umlungukazi. Kute-ke sekufika abelungu kwelase Koloni, isizwe sake, sasilake lonke leli elisenhlanganweni yalemifulakazi "Igwa" ne "Sangqu" — Orange and Vaal Rivers. Lelozwe lake lalibizwa ngokuti "Griqualand West"; okute ukuba bagudhluselwe amaBhunu, nguHulumeni wamaNgisi, base besondezwa lapa eNatal, pakati kwelamaMpondo noNdi — Kahlamba, manje-ke izwe labo litiwa: "Griqualand East."

uBALENI: Kwaku yinkosi yaseNhlangwini.

uBANTUBENSUMO: Kwaku umnumzane wakwaButelezi owa-hamba noMntwana, nabanye ukuya eFilidi. lapo kukulunywa nge-ndaba yokutatwa kwezwe lakwaZulu, ngamaNgisi, nokususwa kwe-situnzi sobu "King," kuDinuzulu.

uBATONYILE: Kwaku yinkosazana yakwaMonase, unina kaMbuzayze, eyendela kuMlandela, uyise kaSokwetshata, wakwa-Mtetwa.

uBHACELA: Kwaku inkosi etile yaseLangeni.

uBHEBHE: Kwaku yinkosi yaseLangeni, ezala uMbhengi uyise kaNandi, unina kaShaka.

uBHEJA: Kwaku ngomunye kubanumzane abavunana noZulu, ngempi yakwaCeza, kungati ngowakwaNxumalo — abanye bati uBhejane.

uBHEJE: Kwaku yinkosi etile ngesikati sikaShaka, okwati ngesiny' isikati yamtiya uShaka ehlasele, waze wacabanga isu lokufuna izibhamu kubelungu.

uBHEKELENDODA: Ngomunye wabantwana benkosi uDinuzulu (obizwa ngoSamuel).

uBHEKUZULU: Kwaku indodana kaSihayo, elamana noMehlo-kazulu.

uBHOYIYANA: Kwaku indodana kaMangena, induna kaMava, indodakazi kaJama, eyamuka kwaZulu yeza eSilungwini kubusa uMpande — 1843.

uBHIBHI (noma uBibi): Kwaku yinkosikazi kaSenzangakona (Bheka kuwo amakosikazi).

uBUSHELEZI: Kwaku yindoda etile ebingumnxa waku belungu noZibhebhlu ngempi yakwaCeza. Umuzi wayo wawubuduze noka Santinga, umfowabobo kaMnyamana ngas'Ezimfabeni

uCELO (noma uCilo): Kwaku uyise kaMnwana esikatini senkosi uDingana.

uCETSHWAYO: Bheka amakosi akwaZulu.

uDABULAMANZI: Kwaku ngumfowabobo wenkosi uCetshwayo okute mhla abelungu becita uZulu oNdini, wayengumpati wempi yakwaZulu kanye noSihayo ka Xongwa Ngobese. UDabulamanzi ufe ngombango kaZulu namaBhunu; wadutshulwa yiBhunu elaimquba limyisa eFilidi.

uDABULESINYE: Naye lo, ngomunye wabantwana benkosi uMpande, oyimboza kanye noCetshwayo, noMbuzayze, noShonkwani, noHamu, noMantantashiya, noZiwedu, noSiteku, noSomhxawana.

uDAMBUSHA: Kwaku ngenye yezinduna zikaDingana, okute lapo uDingana ebona ukuti amaBhunu ammele kabi, wayituma ku-Hulumeni wamaNgisi ukuba awamukise kulelizwe, ngoba nawo ama-Bhunu ayengakezwani kahle namaNgisi. Kepa amaNgisi ayebize uSotobe, kute-ke ngoba uSotobe kahambanga, kwasekuhamba yena uDambusha.

uDAMBUZA: Naye loke, kwaku yinduna kaDingana, ekanye noNdhlela, uyise kaGolide Ntuli. Igama likaDambuza elivamileyo, ngelokuti: uNzobo; leli likaDambuza ngelokubongwa ngobuqawe empini.

uDANGADU: Kwaku uyise kaMncindo Ngcobo, okute ngempi kaBhambada, amadodana kaMncindo adutshulwa e"Richmond," ngoba abulala umlungu otile.

uDAYINGUBO: Kwaku yindodana kaZwide.

uDELU: Kwaku yindodana kaMangcuku.

uDHLABA: Kwaku yinkosi etile, okute lapo uShaka eyivimbe-zele enqabeni, ngaseNkandha, wahluleka. Leyonqaba ilapo kwa "Manzipambana."

uDhladhla: Kwaku uyise kaNtshingwana.

uDhlemdhlemu: Kwaku uyise ka Nonsobo.

uDhlekezele: Kwaku uyise kaManyosi Mbata.

uDhlomo: Kwaku uyise kaHadebe.

uDhlwedhlwe: Yindodakazi kaSobantu, ihlala eMgungundhlovu; kuningi okuhle okungalandwa ngayo, nangoyise uSobantu, kakulu emacaleni okucita indhlu yakwaZulu. Lenkosazana yalimela kakulu iCALA loMntwana uDinuzulu.

uDibandhlela: Babili ababizwa ngaleligama. (1) inkosi yakwa Cele; (2) inkosi yakwaMapumulo.

uDilika: Kwaku ngomunye wezikulu ezabaleka kwaZulu ku-sabulawa abasolwa ngabanye.

uDilikan: Kwaku yinkosi yaseMambateni, uyise kaNqodi.

uDingana: "Bheka amakosi akwaZulu."

uDingiswayo: Kwaku yinkosi yakwaMtetwa. Kwati ese-yinsizwana wahlanganisa icebo nomfowabobo uTana (abanye bati

uMawewe), befuna ukusudukisa ixegu elinguyise uJobe. Kute ukuba babhadanywe, uyise wati kababulawe. Mamo, nanguya uGodongwana (yena njalo okutiwa Dingiswayo). Bam'bulala-ke lo omdala, uTana. Kepa naye uGondongwana wabaleka nenhlendhla beyipose emhlane lapo ega otangweni! Nya, iminyakanyaka! Kute uba kufe uyise, bayam'bona — qata! Kunjalo nje ufika nezinto ezingazange zibonwe kwelakwaZulu — ihashi, nesibamu! Kakkaziwa ukuba wayepuma-pi. Abanye bacabangela eKoloni, noma ePutukezi, ngoba yilezon dawo ezasezinabelungu. Wabutata-ke ubukosi. Waqina umbuso wake, kwaze kwangena noShaka kona — Funda kuShaka.

uDinuzulu: "Bheka amakosi akwaZulu."

uDibingoma: Kwaku yindodana kaNdabayake.

uDumezweni: Kwaku yindodana kaMgitshwa.

uFaku: Kwaku yinkosi yamaMpondo, okute ukuba amaBhunu adumele uNcapayi (abanye batu uNgcapayi), obeyinkosi yamaBhaca, ezikonzele kuFaku, wahambake, uFaku wahalaba umkosi kuwo ama-Ngisi eKoloni. Yakupuka impi yaho iholwa uSimiti (Capt. Smith) njengaloku kuhambe kwahamba yaze yalwa kwaKangela Etekwini — 1842.

uFodo: Kwaku yinkosi yakwaDhlamini ongamaKuze, njengoba izindhu zakona zibizwa ngezikulu zakona: oBhidha, noKukulela, noMbawana, noSidoi.

uFunwayo: Kwaku umuntu otile, okute mhla uSimiti — lowo ecita amaBhunu kwaKangela, wahlangana nabanye bahlilizisa abafazi bamaBhunu ngoba sebesele obala.

uGabangaye: Kwaku yindodana kaPakade, okute ukuba uyise uMacingwane afele le, kude wabuya yena wazinikela kuye uShaka. Wahlala-ke uPakade, waze wazala uGabangaye, noM'belebele.

uGawozi: Kwaku yindodana kaSilwane Mpungose, engumfowabo kaSiwunguza, inceku enkulu yenkosu uCetshwayo.

uGcwabe: Kwaku indodana kaZihlandhlo waseMbo.

uGijima: Kwaku yindodakazi kaJobe, inkosi yakwaMtetwa, eyagana kuZwide inkosi yakwaNdwandwe. Kepa kungati ukona omunye uGijima owayeyindodakazi kaSenzangakona, owagana ku-Mlandela, uyise kaSokwetshata, wakwaMtetwa, indodana kaMbiya.

uGodide: Indodana kaNdhlela Ntuli, okute ukuwela kwempi yabelungu — 1879, umuzi wake (uGodide), washishwa yimpi yamambuka. Leyompi yenza okuningi okubi. Bonake, abantu beqoshile begaxise okwabelungu! Kute emva kwenyanga-nje, bengazelele, waseyifakile uBheje kona lapa eSilungwini. Au, yabhu-qeka imizi yabantu! Kwabuye kwaba kubi kuHulumeni, ingani kupindiselwa induku yabantu bake, abashis' umuzi kaGodide ungakaya, bageweze nabantu.

uGojana: Kwaku indodana kaSenzangakona eyabulawa

uDingana ekungeneni kwake ebukosini, njengaloku pela baningi ababulalayo kubafowabo, eti funa bam'bangise.

uGqugqu: Naye futi wayezalwa uSenzangakona. Lo-ke wabulawa uMpande — 1843. Kungati kwati kuhleziwe nje, "kotiwa ibandhla" pambi kwenkosi uMpande, watimula uGqugqu. Po, umuzi wakwabo wati: "Tutuka Mageba." Kantike sebeyam'bulala ngoba ukuti Tutuka Mageba, kufanele uMpande kupela opete induku yobukosi. Wabulawake njalo uGqugqu. Umuzi wake wawake Je kwaZulu eduze neSigubudu, ngaseMfoloz'emnyama. OkoGojana wawu lapa ngasoTukela. Kute ukuba abulawe uGqugqu, nangoke uyisekazi kaMpande, uMawa, indodakazi kaJama, ebaleka kwaZulu eza lapa eSilungwini. Kwati ngquzu abantu naye, kwaba isempu esake uMpande nyakana ehlubuka uDingana — 1839. Kunjalo nje uGqugqu wayeseyedwa (kanye naye uMpande) kubantwana bakaSenzangakona, loku abaningi bapela ezimpini zika-Shaka noDingana; abanye babuye babulawa uye uDingana mhla engena ubukosi.

uGubhela: Uyise kaGewabe ozala uZihlandhlo, inkosi yaseMbo, kwaMkize.

uGwababa: Indodana kaNdabayake, Mtetwa.

uGwala: Indodana kaNgonyama, ezala uMananga, ozala uNgiba uyise kaSikota, ozala uMkosana uyise kaMlomo wezizukulwana zikaMabhodhla wakwaMbonambi (bheka kulo igama likaMabhodhla).

uGwaz'onco: Kwaku umalume kaShaka, okungati wayehlala kona kwaZulu; okute ukuba uDingana angene ebukosini wabulawa; ngoba uDingana wabulala bonke abezwana noShaka — abanye batu uNguyazonke.

uGwegwana: Kwaku induna enkulu kaHamu kaMpande.

uHadebe: Inkosi yamaHlube. Omunye yikolwa elalikulekela impi yakwaZulu, kuliwa noZibhebhу Etshaneni.

uHambangana: Kutiwa kwakulikolwa laseNkandhla kwesase Macubeni. Uye lowo owetsheleka abakwaZulu, inqola eyatwala isidumbu senkosi uCetshwayo sisuka Eshowe, siyakumbelwa eNkandhla.

uHalijana: Indodana kaSomfula, okute mhla uZibhebhу ehlasela oNdini, abantu bake balimaza inkosi uCetshwayo — njengaloku nako njalo ize yamuka — 1884.

uHayiyana: Kwaku umfowabo kaZibhebhу. Kodwa-ke enamatele ngakuCetshwayo. Nako-ke efa naye oNdini ngempi ka-Zibhebhу — 1884.

uHemulana: Kwaku induna yempi yasoSutu Etshaneni nakwa-Ceza ngoZibhebhу nabelungu.

uHinsa: Kungati ekudabukeni uzalwa kuyo indhlu kaMnguni (bheka kuwo umlibo wokulandelana kwamakosi akwaZulu); kutiwa nguyena owaqalela izizwe ukuya kwaka kwelaseKoloni. Isizwe sake yiso lesi esitiwa amaXoza. Kungati kute kufika namaBhunu



UHINSA
Loke, nguye uHinsha, inkosi enkulu, nendala, yesizwe samaXosa, esitiwa "amaGcaleka."

kwelaseKoloni wayesekona uHinsa; ngoba kutiwa ezinye izimpi alwa kuzo namaBhunu wayehlangene noMacomo — 1834?

uHlambamanzi: Kwaku umuntu ohamba ehumushela umlungu "uFarewell" — 1823, ehamba naye ngemikumbi esuka eKoloni ngesikati sikaShaka noDingana. Kungati lomuntu wati bengapa "eCWEBENI," kwaZulu (St. Lucia), wanyamalala, kanti useba-lekele kuShaka kwaNobamba, lapo ehlale kona kwaze kwaba yimpi yesitatu kaNdwandwe, eyaletwa uSikunyana. Po-ke, waxoxa zonke izindaba zemisebenzi emangalisayo yabelungu. Wajabula washoke uShaka, loku pela futi wayeselolwe uDingiswayo. Kwaba sengati ngabe sebefika. Nakoke sebefika lapa Etekwini ngo 1824. Kute ukuba ejwayelane nabo watuma uSotobe noMbozamboza eti kabayopemba ubuhlobo nenkosi yabelungu Engiland, bepelekezelwa umlungu uJ. S. King — 1828.

uHlokolo: Indodana kaSomapungu Ndwandwe, engumfowabo kaMgojana noMankulumana.

uHlomuza: Kwaku umfowabo kaZibhebhу, okute ukuba uZibhebhу acitwe uSutu "Etshaneni," wasale esezikonzela kona kwaZulu, lapo abanye bemuka noZibhebhу. Kute futi mhla uZibhebhу ebuyayo, wenqaba uHlomuza ukuhlangana naye.

uHlube: Kwaku yinkosi yabeSutu, ngasentshonalanga koNdi, uKahlamba, okute ngempi yakwaZulu (1879) yahloma, yasiza abelungu. Kute ukupela kwempi, bayidabulela izwe lakwaZulu, ngase Sandhlwana pezu koMzinyati; okwaku ngelikaSihayo, noMatshana kaMondise. UHLube wabasiza abelungu nangempi yakwaCeza. UHLube uyindodana kaMbunda, njengoba nalabo beSutu abaseMzinyati, batiwa: "AbeSutu bakwaMbunda."

uHluma: Indodana kaMakasana kaMahayi ezala uNoziyingili, inkosi yamaTonga.

uHuqu: Kwaku indoda ezishaya situta, ebide izakujabulisa uShaka ngemiqango yayo.

uHxwana: Kwaku inhломeli eyabekwa uDingana ukuhlabela uZulu umkosи; ukuti amaBhunu asepakati, mhla uBhongoza ewayengela oPATE.

uJama: Bheka umlibo wamakosi akwaZulu. Omunye uJama kwaku umnumzane obebusa isizwe sabaTembu esasisenhlanaNseleni, kwelakwaZulu, ngas'Empangeni.

uJobe: Inkosi yakwaMtetwa, ezala uDingiswayo. Omunye kwaku induna kaNgoza, inkosi yabaTembu baseMzinyati, ngaseQudeni; uye ozala uMondise wakwaSitole, ozala uMatshana.

uJejese: Indodakazi kaNongcangca Zulu, okute ngesikati esitile wahambela pesheya nomyeni wake.

uKabazele: Uyise kaMavovo ozala uGubhela uyise kaGewabe ozala uZihlandhlo uyise kaSiyingela waseMbo.

uKambi: Indodana kaHamu, kaMpande.

uKama: Inkosi yabéSutu abatiwa: Bamangwato, kweLase. "Be-chuanaland."

uKambazana: Kwaku ngenye yezinduna zikaDingana. Wabulawa kanye noNzobo ngamaBhunu, lapo sekutetwa icala lezikulu zikaDingana emva kokwahlulwa kwake impi yamaBhunu neka-Mpande.

uKambule: Kwaku umuntu ongunongqai ngakubelungu ngempi kaLangalibalele — 1873, ekanye noKATANA. Bobibili bafa ngo November 4, 1873, mhla induna yempi kaLangalibalele, uMahudhlule, edhlula ngempi bemhlomele (bemgadile), kulesosikala esitiwa "Bushman's River Pass."

uKabonina: Kwaku isikulu esitile kwaZulu, okungati futi waye sihlobo senkosi uCetshwayo. Kute namhlana inkosi icitwa ngabelungu, yaye yangenisa emzini wake, kwesakwaHlabisa. Naye uKabonina wafa kanye nezikulu ezaqedwa uZibhebhу oNdini — 1884. Nazi ezinye: uSeketwayo, noGodide, noSihayo, noMbopa no-Dilikana, noHayiyana. nabanye.

uKatana: Bheka kuKambule.

uKaule: Uyise kaNdabayake wakwaNdhlela.

uKauta: Inkosi yamaGcaleka kweLaseKoloni.

uKayana: Kungomunye wamadoda abaleka kwaZulu ngalezo zikati abanye ababebaleka ngazo beti bayabulawa. Nampa abanye: uDikida noSogweba, noMazungeni, noMadu, nabanye.

uKondhlo: Uyise kaPakatwayo inkosi yakwaQwabe; (bheka "umlibo wamakosi.") Kungati omunye uKondhlo kwaku inyanga yenkoski uDingana, ebitona mhla edabulela amaBhunu leli laseSlungwini, ebonga ukubuyisa kwavo izinkomo zake kuSigonyela.

uKonela: Indodana kaZibhebhу kaMapita.

uKreli: Kwaku ngenye yamakosi aseKoloni, alwa izimpi eziningi nabelungu — 1877.

uKopo: Inkosi yamaKabela.

uKula: Inkosi yakwaMajozi ngaseMakala.

uKundhlase: Unina kaZibhebhу.

uKwabiti: Kwaku ngomunye wamadoda adumileyo kusuka ezinsukwini zikaShaka kuze kube kuMntwana, uDinuzulu. Kungati uyena oewza ngamazwi okugcina, kaDingana, mhla ebulawa ama-Swazi. Futi kungati wayekona mzukwana amaBhunu edatshulelwia izwe lakwaZulu emva kwempi yas'Etshaneni.

uLanga: Kwaku inkosi yakwaNdwandwe ezala uZwide. Omunye inkosi yakwaZulu ezala uMazwi.

uLangalibalele: Indodana kaMtikulu inkosi yamaHlube, okute ngo 1873 walwa namaNgisi lapo ebiza izibhamu ezatengwa ngabantu bake, kade besebenza emigodini e "**DAYIMANI**" — Kimberley. Nangoke uLangalibalele eshokobeza enqamula ngalesosikala i "Bushman's River Pass," eponseka kuMolapo kaMshweshwe. Enye impi yake yahamba nenduna yake uMahudhlule okuteke yona yanqwa-

mana nabelungu, lapo kwafa kona uElija Kambule noKatana; nabelungu oErskine, noBond, noPottarill. Kwagcina ngokuba ahlulwe abanjwe uLangalibalele, wayiswa esiqingini i "**ROBBEN ISLAND**," lapo abuyiswa kona ngo 1886, wasefa ngo 1889.

uLanganasibi: Kungati kwaku inkosi etile esikatini sikaShaka, eyacitekela ngasenyakato.

uLangazana: Bheka amakosikazi kaSenzangakona.

uLewanika: Inkosi yesizwe esitiwa "BAROTSE," esi le, enhla nelakwaMzilikazi. Ubukosi balenkoski busemi ngoti Iwabo; ngisho nakuba abelungu beshoshela. Sebabeka nomkulomeli wabo emzini wayo omkulu otiva: "LEALUI." Lenkosi isapete isitunzi sokuti: "**KING**." Kute ngenxa yobuhlobo esebuzaleke kuyo namaNgisi, yabakona nenkosikazi yayo Engilandi, mzukwana kumiswa ebukosini uKINGI JOJI, — **KING GEORGE V**. Kutiwa uKing Lewanika uhlakanipe kabi. Futi wafunda Engilandi. Kukona amadodana aka afunda eKoloni; ngasemva kwaloko azakuya (mhlaumbe) Engilandi. UKing Lewanika unezitolo zake, nemikumbi yake ehamba umfula iZambezi. Bati, unomusa kabi uKing Lewanika. Kangazike ukuba uKing Lewanika usekubonile yini okuqondwe ngabelungu. Ngoba kuyindhlela ukungena ngobuhlobo, kanti baqonde ukumenza isigqili umuntu omnyama.

uLokotwayo: Indodana kaMadhlebe, inkosi yakwaZungu.

uLubhoko: Ukoko wamaCunu, ongumfowabo kaLembhede. Indodana yake uNdima izala isizwe sakwaBayéni. ULubhoko no-Lembhede bafela kwaZulu ngaseTaleni. Iliba likaLembhede lise "Esikaleni Sebomvu," nelikaLubhoko liseduze nesikole sakwa-Nzimela.

uLugoyozo: Kwaku ngomunye wezikulu zakwaZulu ezahlupeka kakulu ekupeleni kwempi yakwaCeza, mhla uSutu lulwa nabelungu namambuka, oZibhebhу, noHamu, noSokwetshata, noMgitshwa &c. Nampa abanye ababekanye noLugoyozo, uNdabayake, noMasekwana, noDhlemdhleme nabanye.

uLuhungu: Kuyindoda yakwaShezi kwsika Sigananda, eNkandhla. Eduze komuzi wake kwabekwa isidumbu senkosi uCetshwayo ngo 1884.

uLukulumba: Kwaku yinkosi etile kubusa uShaka.

uLuntshungu: Uyise kaKula Majozi.

uLuzipo: Umfowabo kaSojini, abazalwa uMvunga. Laba bangamaHlube, kaLangalibalele; okute lapo izwe licitwa uShaka, bahlangana ngempi namaNgwane, ngapaya koKahlamba, lapo inkosi yawo uMpangazita yafela kona, noMvunga.

uMabelemade: Kuyinkosikazi etile, lekwaMjantshi kaTobela, lapo kwadabuka kona isikonyane, eyalwa ngaso nabelungu behlasale ezweni layo, yasivulela emgodini — "kusho inganekwane."

uMabhodhla: Inkosi yakwaMbonambi, eyashaya ulwandhle

ngenduku lwanqamuka pakati, yawela yaqonda le, enyakato—kusho inganekwane.

uMabhoko: Indodana yenduna enkulu kaMpande, uMasipula. Isifunda sikaMabhoko ngesaseMgazini. Naye wayekona kuzo izitunywa zakwaZulu ezi 800, ezatunywa eMgungundhlovu, kuHulumeni, kucelwa ukuba uCetshwayo abuyiswe pesheya. UZibhebhwa qala ngokudumela yena uMabhoko kuleyo'mpi uSutu olwalwa naye kuyo "EMSEBE" 30 March, 1883,—lapo kwahlabana kona "uMagongolwana wensizwa ongenjengo Magongolwana wokuni; uNomenyezwa ihau kaGwabezi, ubhidhliz' amagula koMapita, unkomo ziyanbuya Enkungwini"—ngoba pela uSutu Iwaushisa lapo zibuya inhlanzana umuzi kaZibhebhwa was'Enkungwini.

uMabhudhle: Bheka kuLangalibalele.

uMacingwane: Inkosi yamaCunu eyacitwa uShaka mhla ecita izizwe.

uMadango: Indodana kaXaba, ezala uMkali bendhlu yakwamtetwa.

uMadamu: Bheka kuDikida.

uMadhlebe: Inkosi yakwaZungu.

uMadipa: Indodana kaShangana, indodana kaJobe ozala uDingiswayo, okwakulela kuye uShaka.

uMadikana: Inkosi yamaWushe (abakwaCele?).

uMadumba: Indodana kaMpande.

uMafiti: Indodana kaNdabayake, umfowabo kaSomveli wakwamtetwa.

uMafukwini: Kungomunye opatwa kanye noNkunz'emnyana kwabasoSutu, empini yakwaCeza.

uMagadaza: Inkosi etile eyayake ngapa e"Mpishini River."

uMagaye: Inkosana kaDibandhlela, inkosi yakwaCele.

uMageba: Bheka umlibo wamakosi.

uMagela: Uyisekazi kaMnini inkosi yaMatuli.

uMagembe: Uyise kaMankuza, inkosi yakwaMbokazi

uMagenge: Inkosi yamaNadi.

uMagidigidi: Indodana kaMagaye, kaDibandhlela.

uMagonondo: Indodana kaKondhlo, inyanga kaDingana.

uMahanagan: Uyisekazi wenkosi uDinuzulu. Naye wayekona kulabo abatunywa eFilidi (bheka kuBantubensumo).

uMadwala: Uyise kaNyosana (Ntombela?).

uMahloko: Inyanga yokukanda insimbi kusabusa oDingana, noMpande noCetshwayo — amageja, neminaka, nezindondo, nengxota, nezimbedu, nezizenze, neziyence, nezinhlobonhlobo zemikonto, nezinjindi, okwakwenziwa abantu bengakabiko abelungu.

uMahaule: Inkosi yakwaFuze. Omunye inkosi yakwaMsomi.

uMajiya: (1) induna kaMpande; (2) nenkosi yamaPepeta.

uMakandhlana: Uyise kaMdhlayi.

uMakasana: Indodana kaMwayi ezala uNoziyingili.

uMakedama: Ukoko wabase Langeni, onguyise kaBHEBHE, ozala uMbhangi uyise kaNandi unina kaShaka.

uMakomo: Inkosi yamaXoza etile ngesikati sikaHinsa kwelase Koloni; okute lapo kufika amaBhunu alwa izimpi ezinzima nawo.

uMagama: Kwaku yinkosi etile, okute lapo abelungu beqala ukufika kulelizwe ngemikumbi, yabatola, yabapata kahle labo abafelwa umkumbi wabo pakati koMzinto noMzimkulu ngo1686. Kuloko-ke inhlangu yabelungu abatiwa "EAST INDIA COMPANY" yabonga kuChief Magama ngomncaka, neziyinga, nama-songo asezingalweni.

uMakelekehlanana: Kungati kwaku umuntu otile okuhlala kuye izinkomo zenkosu uCetshwayo, ezalwa kwaDhladhla.

uMakosana: Kwaku indodana kaSigewelegcwelle, induna kaCetshwayo.

uMalanda: Uyise kaSomkele, owaye induna kaDingiswayo, inkosi yakwaMtetwa.

uMalumbelo: Indoda etile kwabasoSutu ngempi yakwaCeza, (bheka kuNkuz'emnyama.)

uMalungwana: Uyise kaMjwapuna Shandu.

uMama: Indodakazi kaSenzangakona.

uMamba: Uyise kaMasipula, induna enkulu kaMpande.

uMambame: Inkosi yaseMkulwini.

uMancinza: Uyise kaBHAMBHADA.

uMamfongonyana: Indodana kaKondhlo wendhlu yakwawqabe.

uMananga: Indodana kaGwala ezala uNgiba uyise kaZikode.

uMande: Indodana kaDibandhlela.

uMangena: Induna enkulu yabantu abafika lapa eSilungwini noMawa, indodakazi kaJama, owabaleka kwaZulu ngokubulawa kukaGugqu.

uMangcuku: Inkosi yakwaNdelu.

uMangobe: Uyise kaMwayi, inkosi yamaTonga. Kungati amakati alitata kuye igama lokuti ngomangobe. Kuyaziwa kahle ukuti amatonga yisizwe ekade sakojwayela ukutengisa. Ziningi izinto ezaletwa kwaZulu amatonga, loku pela ayefika nemifufuto yonke: njengogwai, nezinsimba, nemiti. Kute ukuba kufike abelungu, atengisa ngezingubo nezinsimbi. Nako-ke, esebone ukuti abakwZulu bahlushwa ngamagundwane — amagundane. Awaletake amakati, okwatiwa: ngomangobe, ngoba amaTonga ati apuma ezwensi likaMangobe. Kepa abanye batu amakati abuya noSotobe noMbozamboza eKoloni.

uMankulume: Indodana kaSomapunga kaZwide. Kako okohlwe uMankulume induna enkulu kaDinuzulu. Nanamhla uyinduna enkulu nomluleki woMntwana uSolomon, noMnyayiza kaNdabuko eMahashini. Indhu kaSomapunga yasale isibuyela kona kwaZulu ukuba sihlakazeke isizwe sakwaNdwandwe.

uManqondo: Uyise kaQetuka Magwaza. Unina woMntwana, uDavide (uNyawana) uzalwa kuyo lendlu uzalwa uQetuka.

uMantantashiya: Indodana kaMpande yakwaMonase, engumfowabo kaMadumba. Bobabili bafa empini yombango, kanye naye umfowabo uMbuyazi — 1856.

uMantantisi: Ukoko waMantantisi, isizwe sikaSigonyela.

uMankuza: (1) Bati igama likaSoshangana aziqamba lona esebaleke kwaZulu ese le, kwaSoshangana. (2) Omunye inkosi yakwaMbokazi.

uManyandu: (Umalandela noma Mayanda) uyise kaSomkele.

uMapumuzana: Igam'elidala, loMntwana uSolomon.

uMapoloba: Inkosi yakwaNgcobo.

uManyongo: Inkosi yakwaMbhedu.

uManyosi: Isikulu saseMambateni, isilomo esikulu sikaShaka neqawe elikulu. Kutiwa waye nesisu esikulu kabi ngangokuba imbizi ubengayiqeda yedwa! Abantu baqamba isaga sokuti: "SOBOHLA MANYOSI," nanamhlasiyashiwo kumuntu oziqenya ngoba esuti. UManyosi wayeliqawe elikulu kuShaka, benoMsasane, no-Ngcazana nabanye.

uManzini: Uyise wenkosikazi yenkosi uMpande, uNgqumbazi. Uye uNgqumbazi ozala uCetshwayo.

uManzolwandhle: Indodana kaCetshwayo yakoka Qetuka. Nanguya-ke sebamenza u"Chief" kwaHlazakazi ngaseSandhlwana.

uMapita: Indodana kaSojiyisa, umfowabo kaSenzangakona baka Jama; (bheka "umlibo wamakosi.")

uMashiya: Indodana kaDhlomo kaHadebe, inkosi yamaHlube.

uMashobane: Uyise kaMzilikazi Kumalo.

uMashongwe: Indoda eyakishwa amehlo uShaka ngesizatu esitile.

uMasipula: Induna enkulu kaMpande. Bati lenduna kaMpande yayinolaka kabi. Ukuba kambe uMpande wayenjengo Shaka bанингi abantu ababeyopela ngesikati sikaMasipula kaMambha, wase-Mgazini. Bati uMasipula wabulala indodana yake uZiyankomo ngoba eqonyiwe intombi yomdhlekulu okungavunyiwe ukuba zitatwe ngabantu-nje. Nalapo sekugoduka inkosi, uMpande, uMasipula wayetanda ukuba inkosi "ipelekezelwe" njengaloku uShaka apelekezelwa unina. Loko kuqondwe ukuba kubulawе abantu ebebeziqili nezinceku zenkosi! Sengati wakwenqaba-ke uCetshwayo.

uMatendhlela: Uyise kaMtinsilana, waseKoloni ababekona mhlanu kufika kona izibaleki zakwaZulu ngenkati kaShaka, "ama-Mfengu."

uMtinsilana: Indodana kaMatendhlela.

uMatshana: (1) Indodana kaMondise Sitole; (2) Indodana kaSishakuza Meunu. Bobabili kade bepete izikundhla zobupakanyiswa kwaZulu ngaseQudeni; befuye kakulu futi. Isikundhla sikaMatshana kaMondise, namhlasiyashiwo kumuntu oziqenya ngoba esuti. Isikundhla sikaMatshana kaMondise, namhlasiyashiwo kumuntu oziqenya ngoba esuti.

ekofi; esikaMatshana kaSishakuza sipetwe amadodana ake 'amabili, uMiso noNtukwini. Ngonyaka ka 1858 kwavela ukuxabana lapa eSilungwini noHulumeni noMatshana kaMondise. Kanjalo-ke kwasekuba ukuwela kwake nesizwe sake, wazikonzela kwaZulu ku-Cetshwayo; wapiwa izwe ngaseNqutu, kwaMalakata; lapo ehiale kona kwaze kwafika impi yakwaZulu ngo 1879. Kute lapo lelozwe selidatshulwa ngabelungu waqubekela kwelaseQudeni.

uMatiwana: Inkosi yamaNgwane, okwaqala kuyo umkuba ka-Shaka wokucita izwe ngo 1812 (bheka kuShaka). Ukuciteka kwamaNgwane kwahlupa izizwe eziningi kwelaseSilungwini; nangapaya koNdi; naseKoloni. Baxoxa zona njalo oMtinsilana, ukuti betuka kuteleka uyaba lwempi-nje, le kwelaseKoloni. Kwapitzela izwe kumenyezelwa ukuti "INGENE BO!" Kwabikelana abaTembu, namaGcaleka, namaHahabo, namaHini (abaTembu baka-Ngubencuka; amaGcaleka kaKauta). Ukuhamba kukaMatiwane kwabanzima. Kute esekatazekile, wabuyela kona kwaZulu, wacela ukutolwa sekubusa uDingana; kanti bamyisa eweni, bambulala! Seloku nami naloku, lelowa litiwa: "KWAMATIWANA!" le kwaZulu.

uMatunjana: Inceku kaDingana ekanye noNcagwana. Okungati batunywa kuMpande nezinkomo ezipiwa uye uDingana, kanti uyomheha ukuba azozibonga abesembulala. Pela uMpande ute ukuba asole abone ukuba uDingana useqonde ukumbulala njengabanye, wesaba ukuya kuye, walala eti uyagula. Kwamsolis loko uDingana. Nako-ke esemheha ngezinkomo! Nazo-ke izinceku zimhlebelu ukuti: "AU USUFILE!" Po, loku bonke abantu basebemesaba uDingana, sebebona ukuti uzakulandela ukondolo lukaShaka! Kute ukuba kuvungazelwe ukuti: "UMntwana uMpande, usebalekela eSilungwini!" Kwati ngquzu, abantu belandela yena ngo 1839.

uMavovo: Uyise kaGubhela waseMbho.

uMavumengwana: Indodana kaNdhlala Ntuli; kungumuntu owuyenodumo olukulu kwaZulu njengomfowabo uGodide; namanye amadoda anjengo Nzobo, induna kaDingana, nendodana yake uMgamule.

uMawa: Indodakazi kaJama (bheka kuGqugqu).

uMaweva: Indodana kaSoshangane.

uMawewe: Indodana kaJobe (?) bheka kuDingiswayo.

uMaziyana: Kwaku inhlomeli — guard — yakwaHulumeni eyayake ngaseMzinyati, ngasezibukweni lakwaJimu — Rorkes Drift. Konanje, ingakaveli impi yabelungu ka 1879, kwasekubonakele ukuba "kayinakuputa induku ehawini," kubelungu noZulu. Pela, nakuba izwe lakwaZulu lalisabuswa yinkosi yalo enesitunzi sokuti "KING," laselipansi kwamandhla abelungu ngokuba ngo 1839, uMpande, wawela uTukela wahlangana nabelungu, okwati ngasemva, wapata kwaZulu, isitunzi sokuti: "KING," esemiswa

yibo abelungu amaBhunu ngo 1840. Futi nendodana yake, uCetshwayo, yamiswa yibo abelungu, amaNgisi, ngo1873; (bheka kuwo: Amanxuluma akwaZulu; Emlambongwenya). Kepa kute ukuba abakwaZulu bapatwe ngamakosi abo, ababesawanike abelungu isitunzi sokuti "KING" basebekohlwa ukuti **Namhla sebenge kuyo inkambo entsha**. Namakosi abo ayesewungateka, ekohlwa ukuba **namhla asekwelinye ibanga!** Kwasekufanele ukuba abakwaZulu namakosi abo baqapelise imiteto nenkambo entsha, njengomakoti okuti angagana azazele ukuba kanakuhlanganisa okwakubo nokwakomyeni. Kufanele afunde alandele imiteto yakomyeni ukuze umendo umlungale. Uma, bakiti, ngingenzi ngenhengo, ngiyantshela ukuti: YIKO LOKO-KE OKWALIMAZA IZWE LAKWAZULU. Kanti laliyakuma, lihlale, linesitunzi njengoba linjalo elika "KING," Lewanika, nelaseSwazini nelabe-Sutu. Niyazi-ke nani, bakiti, ukuti uma umakoti engatandi ukulalela imiteto yakomyeni, umendo kaumlungeli.

Kanjalo-ke, kwati ukuba abelungu babone ukuti abakwaZulu namakosi abo, kabatandi ukulandela, nokunamatela emitetweni yabo, bazimisela ukuwucita umbuso wakwaZulu. Po-ke, kute abelungu betata base befuna ibhaxa lokukwela, ngoba pela: "Impandhla ikwela ngamanhlonhlo!" Bate betata babemisa izinhlomeli emnceleni welakwaZulu nelakwaHulumeni eSilungwini: Umncle beku uTukela noMzinyati. Umsebenzi wazo kwaku ukubikela uHulumeni konke okuvelayo, okuyisicunulo kuHulumeni. Po-ke, nabakwaZulu abonileyo, basebegabe ngokubalekela kubelungu, njengaloku lolo lukondolo Iwangena ngoMpande, noyisemkulukazi uMawa. Naku-ke emzini wenhlomeli, uMaziyana, sekufika abafazi bakaSihayo bebaleka kwaZulu, bezibika ukuti bayabulawa. Kute, dukuduku, bala nanka amadodana ake uSihayo: oMehlokazulu, noBhekuzulu, bebalandela ngempi, yabakipa kona koMaziyana, baweliselwa kwaZulu qede babulawa! Omunye kubo kwaku okaQwelebana. Nansiya, inhlomeli, uMaziyana eyakubika enkantolo eMsinga. Mamo! Balitolake namhla abelungu ibhaxa lokukwela ukuba bawucite umbuso wakwaZulu. Basebetumela ku-Cetshwayo leyonewadi: "UGCINAZITATE!" — Ultimatum; (bheka kuCetshwayo).

uMazungeni: Omunye kuwo amadoda abaleka kwaZulu kanye noDidika; (bheka kona kuDidika).

uMazwi: Indodana kaLanga ezala uNonsobo.

uMbangezeli: Uyise kaHemulana Sibiya, induna yoSutu kwaCeza.

uMbangulana: Kwaku umnumzana otile owaye inzwebeli yabelungu ngempi yakwaZulu. Kute kwenye impi wayakudalula kubelungu ukuti uZulu uzakubadumela nini; ngakoke basebezilungisela kahle.

uMbengi: (abanye bat: uMbhengi): Kwaku inkosi yase-Langeni; uye ozala uNandi unina kaShaka.

uMbelebele: Indodana kaPakade Meunu, engumfowabao ka-Gabangaye.

uBhandeni: Inkosi yamaSwazi ezala uBhunu.

uMbekwane: Uyise kaNqaba Kumalo.

uMbhoma: Inkosi yakwaSikakana. Ituna likaMBHOMA lis-Talenzi ezansi nomfula otiva: "Ingwegweni" budebuduze 'noMhlatuze. Liyisihlahlakazi njengelika Lembhede elisesikaleni sebomvu.

uBbhode: (?)

uMbiya: Indodana kaShangana ozalwa uJobe, inkosi yakwa-Mtetwa enguyise kaDingiswayo.

uMbilini: Kwaku isikulu saseSwazini, okute sabalekela kwaZulu sipuma kwelakubo ngobushokobezi, sibanga ubukosi. Po, loku pela singquzuka nempi kwelakubo! Kute dukuduku sayipakela abakubo ngasenhla koPongolo, sabulala, sashisa imizi, sapanga, sakukula sabuyela kwaZulu. Bona-ke loku kasinakukishwa luto kwaZulu. Nako-ke, sekuti mhla abelungu betumela kuCetshwayo "UGCINAZITATE" bambiza uMbilini, njengoba babiza uMehlokazulu ngo-kweqa umncele, nokufohla kwake umuzi kaMaziyana (inhlomeli). Kute lapo sekulwa impi yakwaZulu ngo1879, uMbilini wapatiswa enkulu impi engamaSwazi, eyabavikisa abelungu "umhxolohxolo" ezinqabeni zaseHlobane, lapo kwaze kwatelelana oJenene bama-Ngisi, oKonela: Wood, noBuller, noWeatherley, neBhunu uPiet Uys, nezigaba zabantu — Native Contingent — "amambhuka" ababulala umbuso wakubo! Bangakupinda nje? yini sicutwa nabo lonk'izwe kanti kwakungati bazobangcono?

uMbomvana: Kwaku induna yasekuBhazeni okute ezikatini zempi yombango uCetshwayo wayituma ukuba ivimbezele unoMantshali, namadodana akwake oMtonga, noMgidhlanu, no-Poyiyana. KwanoMantshali kuseMdumezulu; bheka "amanxuluma."

uMbopa: Indodana kaSitayi, eyaba inceku enkulu kaShaka. Uye uMbopa owahlangana noDingana, noMhlangana ukubulala uShaka, kwaDukuza ngo 1828. Ngasemva kwaloko uMbopa waba ngumnumzana omkulu opete esakwaHlabisa, okute nasekubuseni kukaCetshwayo wayesibusu. Yizo njalo izikulu ezabulawa uZibhebhu oNdini ngo 1884.

uMbunda: Uyise kaHlube (umSutu).

uMcolosi: Uyise kaNomsimekwana, inkosi yamaNyamvu.

uMdabula: Indodana kaMfanawendhlela, inkosi yakwaZungu.

uMdakuda: Inkosi yakwaDunge.

uMdava: Indoda yakwaDunge, eyaqala umkuba wobuzimu nge-ndhlala yezimpi zikaShaka.

uMdhlalose: Isikulu esitile kubusa uShaka.

uMdhlayi: Indodana kaMakandhlana.

- uMdindwa:** Iqawe likaShaka, elikanye noManyosi noNgeosana, nabanye.
- uMdungazwe:** Umfowabobo kaNgungunyane.
- uMdutshana:** Inkosi etile eyakeyenza isidunyana njengoLangalibale, noMatshana.
- uMehlokazulu:** Indodana kaSihayo, (bheka kuMaziyana nasezindabenzi zempi kaCetshwayo).
- uMeni:** Isitunywa sakwaZulu, mhla kudatshulwa izwe ngombango wamaBhunu emva kwempi yas'Etshaneni.
- uMepo:** Inkosi yakwaNgcolosi.
- uMfanawendhlela:** Inkosi yakwaZungu.
- uMfihlo:** Indodana kaSenzangakona eyabulawa uDingana ekuengeneni kwake ebukosini.
- uMfinyeli:** Inkosi yakwaXulu.
- uMfundu:** Indodakazi kaPakatwayo, eyagana uMbengi Langeni, yazala uNandi, owagana uSenzangakona, wazala uShaka.
- uMgabhi:** Ukoko wabaseLangeni. Bazalana kanje: UMgabhi, noMakedamo, noBhebhe, noMbengi, uyise kaNandi.
- uMgamule:** Indodana kaNzobo, induna enkulu kaDingana (bheka kuMavumengwana).
- uMfokazana:** Indoda etile okungati yabulawa ngokunukwa. Ukubulawa kwayo kwaxabanisa uDinuzulu nabelungu.
- uMfunzi:** Inxusa likaCetshwayo kuSobantu.
- uMgidhlana:** Indodana kaMpande, yakwaNomantshali. Seku uMgidhlana, noMtonga kupela abasekona kuMpande. UMgidhlana wake ngapaya kwas'Eshowe. kuChief Silimana Zulu. UMtonga ungasentshalanga kweShowe. Basinda ngokubalekela eSilungwini ngesikati uCetshwayo ebula indhlu yakwaNomantsali, emva kweyakwaMonase ayibulala eNdondakusuka ngo1856.
- uMgitshwa:** Indodana kaMvundhlanu, induna yenkosu uCetshwayo.
- uMgojana:** Indodana kaSomapunga, engumfowabobo kaMankulumanu, noHlokolo.
- uMgabashe (?)**
- uMhalaza:** Indodana kaMxakaza Hadebe.
- uMhawu:** Indodana kaDhlemdhlemu.
- uMhabawadabuka:** Indodana kaZikode engumfowabobo koSoshangane bendhlu yakwaNdwandwe, abaciteka kwaZulu basebeli-bangisa le, enhla.
- uMhlangana:** Indodana kaSenzangakona abahlangana ngokubulala uShaka, benoDingana, noM'bopa.
- uMjadu:** Indodana kaNgecubula ezala uSonqandile, uyise kaKaule.
- uMjongo:** u"Chief" otile kwaFuze, obepete amakolwa atile abahloma nawo ngempi kaBhambhada.
- uMjulela:** Inkosi yakwaHlongwa.

- uMjwapuna:** Indodana kaMalungwana Shandu.
- uMkalipi:** Inkosi yamaNyamvu. Omunye sengati kwaku inkosi yamaNdebele, okute yadumela amaBhunu ngaseMosika (ngakwelabeSutu) ngo 1837.
- uMkali:** (Abanye batu: Mkayi) uyise kaJobe inkosi yakwa-Mtetwa, ezala uDingiswayo.
- uMkosana:** Uyise kaSomlomo. UMkosana wabayisikwelo sokuxabana kwabelungu noMntwana uDinuzulu, njengo Mfokazana. Pela, abelungu babengasatandi ukuba anqume amacala 'abantu njengo "KING". Kute kwabanga uMkosana nomfowabobo uZonyama, balwa, kuloko-ke uMntwana wabahlaulisa. Kanti abelungu batuketela, kwaze kwabanga ukulwa pambili (impi yakwaCeza).
- uMkonto:** (1) Indodana kaMagaye; (2) Indodana kaSomfula, okute mhla uZibhebhlu ecitwa uSutu, yena wasala njengozikonde kwaZulu. Kanti kute lapo esebuyile, wabuyela kuye. Kute lapo sekuvela zona iziyaluyalu zokulwa bamdumela abaseMdhetsheni bakaMbopa.
- uMkungo:** Indodana kaMpande yakwaMonase, engumfowabobo kaMbuyazwe, okute mhla uCetshwayo ebula abafowabobo eNdondakusuka, yasinda ngokubaleka noSobantu. UMkungo wahlala'isikati eside, kwaze kwaba emva kwempi yabelungu.
- uMncumbata:** (Abanye batu Mcumbata): inkosi yamaNewango.
- uMnini:** Inkosi yamaTuli, okute kufika abelungu yayipete leli elingas'Etekwini. Ngendhlala yezimpi zikaShaka isizwe sayo sa-funda ukudhla izinhlanzi ezikishwa yibuya lolwandhle ngaseMbilo.
- uMlandela:** Indodana kaMbiya ezala uSokwetshata bakwa-Mtetwa.
- uMlotsha:** (uMlotshwa): Inkosi yakwaKumalo.
- uMlulwana:** Isitunywa sakwaZulu, okute ukuba amaBhunu abulale uDabulamanzi, ashise nomuzi wenkosi (uDinuzulu pela wasake umuzi uNdi ngaseNhlaZatshe), kwallunywa yena uMlulwane, noSiziba noZeyize ukubika kuHulumeni wamaNgisi.
- uMncindo:** Bheka kuDangadu.
- uMnkabayi:** Indodakazi kaJama eyake yapatela uSenzangakona induku yobukosi esemcane.
- uMnteli:** Inkosi yakwaMajozi; ngaseMakala abalwa nabelungu ngempi kaBhambhada ngo 1906.
- uMnyamana:** Indodana kaNgqengelele wakwaButelezi. UMnyamana wapakanyiswa kakulu ekubuseni kukaCetshwayo njengaloku kuxoxwa ngempi yaseSandhlwane. Kodwa kwabuye kwangena umoyana wokuhlubuka ekubekweni kukaCetshwayo, evuna uZibhebhlu kaMapita, noHamu, kaMpande ababebanga. Kute ngempi yakwaCeza wahlubuka impela uMnyamana wabuyela kuZibhebhlu nabelungu.
- uMnyani:** Uyise kaDangadu Ngcobo kwelaseRichmond.

uMonakali: Inkosi yamaHlube.
uMonase: Umka Mpande ozala: uMbuyazwe. noMantantashiya, noMadumba, noMkungo.
uMondise: Indodana kaJobe, ezala uMatshana Sitole.
uMoni: Uyise kaNgcosana.
uMoyeni: Inkosi yaseMasomini.
uMpande: Bheka kuwo amakosi akwaZulu.
uMpapu: Omunye kubo abantwana benkosi uDinuzulu.
uMpambani: Inkosi etile yamaKambule, okungati yabaleka kwaZulu kubusa uShaka.
uMpangazita: Inkosi yamaHlube eyapakama kakulu kubusa uMpande. Kepa abanye bayiceba ukuba ibulawe beti yayihlangene noDingana.
uMpepa: Indodana yenkoski yakwaNdwandwe, uZwide.
uMpezulu: Kwaku inhlomeli kaDingana okute betunyiwe noNhlanganiso babika ukuti izinkomo zezita, bazibonile emadulini atile, kanti babona izimpofu (izinyamazane) basebekishwa amehlo.
uMpikwa: Kwaku ngomunye kwababekwa amacala okuti babulala abelungu empini yakwaCeza.
uMpungose: Ukoko wabakwaMpungose, owayeyinduna kaZulu, kaMalandela, mzukwana kwehlukana uZulu noQwabe amadodana kaMalandela.
uMqambi: Uyise kaTwaisa Mabaso, induna kaSobantu.
uMqayana: Umfowabo kaNdabezimbi, amadodana enkosi yamaCunu, uMacengwane; inkosi yawabulala wona lamadodana ayo icabanga ukuba azakuyibangisa ubukosi.
uMqikela: Indodana kaFaku ezala uSigeau.
uMqundane: Induna kaSomseu ayibekela isizwe sakwa-Mtintandaba.
uMsasane: Iqawe likaShaka.
uMsiyana: Inkosi yakwaNtshangase.
uMshiyeni: Omunye kubantwana benkosi uDinuzulu, osebizwa ngokuti Arthur.
uMsholozi: Inkosi yakwaNxamalala.
uMsongane: (Msongelwa): Uyise kaNkowane.
uMsunduzwa: Isikulu esitile esafa empini Esandhlwane, esasake buduze nasentabeneti etiwa: Ezigwegweni ngakwaNongoma kwaZulu.
uMsushwana: Umnumzana waseMdhetsheni, okute ngempi yakwaCeza wavinjezelwa uZibhebh, bambulala.
uMshweshwe: Inkosi yabeSutu, okwati ukuba ife ngo1869, yalandewa uLerethodi ekubuseni. UMshweshwe wabusa ngokuhlanipa okukulu kunawo onke amakosi amnyama eSouth Africa. Kute ukuba kufike abafundisi bamaFulentshi, bamyala ukuba angalwi nabelungu, kodwa azivikele kulabo abamhlaselayo. Bala,

ngaleyondhlela wahlala kahle. Nanamhla izwe labeSutu livuba ngoludala.
uMsutu: Indodana yenkoski uMpande.
uMswazi: Uyise kaMbhandeni.
uMusi: Indodana kaKondhlo.
uMtezuka: Bheka kuDikida.
uMtumbu: Indodana kaMbopa, inceku kaShaka. Isifunda sikaMtumbu ngesakwaHlabisa; yizo njalo izifunda ezazinamatele kuDinuzulu ngempi yakwaNdunu (okutiwa impi yakwaCeza).
uMtshubhana: Induna kaMnyamana kaNgqengelele. UMtshubhana wayekona ezitunyweni zikaDinuzulu, ezazihamba noMntwana noShingana, ukukala kuHulumeni mhla kudatshulelw amaBhunu izwe lakwaZulu emva kwempi yaseTshaneni.
uMvundhlanu: Indodana kaMenziwa Biyela. Lo, wayeliqawe elikulu kuShaka, njengoManyosi noMapita kaSojiyisa.
uMvunga: Isikulu samaHlube esizala uLuzipo noSojini. UMvunga wafa kanye noMpangazita ezimpini zamaHlube nam Ngwane, ezalwa ngapaya koKahlamba (uNdi), nyakana uShaka ecita izwe.
uMtimkulu: Uyise kaBhungane inkosi yamaHlube.
uMtonga: Indodana kaMpande, engumfowabo kaMgidhlana, noPoyiyana, bakwaNomantshali.
uMwayi: (Mhayi). Indodana kaMangobe, inkosi yaseSwazini.
uMxakaza: Uyise kaMhalaza Hadebe, owabe engomunye kwa batunywa yinkosi uDingana ukubuyisa ababebaleke belandela uMpande mhla ewela uTukela eza eSilungwini ngo 1839.
uMxamama: Indodana kaNtendeka Sibisi Mahlase, eyaba yinceku kaShaka, esikatini sezinduna zake oNgomane Mtetwa, noMdhla kaLanga.
uMyandeya: (Kunguye uMlandela).
uMzila: Indodana kaSoshangane, inkosi yamaSwazi, engukoko womoya ababi, abatiwa: "Amandiki."
uMzilikazi: Indodana kaMashobana Kumalo, okute ukuba uNdwandwe, kaZwide, acitwe, uShaka, wakonza kwaZulu, lapo uShaka ambeka induna enkulu yebuto lakwaBulawayo, okute ngo 1826 uMzilikazi wahlubuka nalo waya le, kwaMzilikazi — izwe elibizwa ngegama lake.
uMzingeli: Babili: (1) Inkosi yakwaMfekane: (2) Nendodana yoMntwana uDabulamanzi. Namhla ungumfundisi webandhla lamaLutela aseSwidi ngaseMalimed, eduze kwesifunda soMntwana uSiteku esipetwe namhla uNkantini, indodana yake.
uMzinhlanga: Indodakazi yenkoski uSenzangakona, yakwaFudukazi — bheka: "amakosikazi akaSenzangakona."
uNandi: Indodakazi kaMbhenji Langeni, eyendela kuSenzangakona, yazala uShaka — bheka kuShaka.

uNdaba: Indodana kaPunga — bheka "umlibo wamakosi akwaZulu."

uNcapayi: Inkosi etile, eyabaleka nesizwe sayo kwaZulu ngezimpi zikaShaka, yaqonda kwelaseMalasibhokwe; emva kwaloko yaya eMzimvubu, yahlala ikonze uFaku inkosi yamaMpondo. Isizwe sayo sitiwa: "Amabhaca." Ngo 1842, amaBhunu ahlasela uNcapayi, ecabanga ukuba uhlangene neziewe ezisuka oKahlambeni ukupanga izinkomo zawo. Kuloko uNcapayi wabikela uFaku. Nakoke uFaku ebikela uHulumeni wamaNgisi, sekutunywa amasotsha, afika noSimiti — "Captain Smith." Kwaqala kanjalo ukulwa kwamaBhunu namaNgisi kwaKangela, Etekwini.

uNcangwana: Bheka kuMatunjana.

* **uNcwadi:** Inkosi etile yamaNgwane, okute ngempi yakwaZulu ngo 1879 amaNgwane kaNewadi, ahломела uZulu esiza abelungu, kanye nabesutu bakaHlube kaMbunda, namakolwa as'Edeni, yibo njalo abaqedwa uZulu eSandhlwane.

uNdabayake: Inkosi yakwaNdhlela, indodana kaKaule. Omunye yindodana kaDingiswayo inkosi yakwaMtetwa.

uNdabuko: Indodana kaMpande. Kuningi okulandwe ngaye ekubuseni kukaDinuzulu, kakulu lapo izwe lakwaZulu selitatwe ngabelungu.

uNdelu: Inkosi etile yasoBonjeni.

uNdhla: Uyise kaGodide Ntuli, owaye indunankulu kaDingana kanye noNzobo, uyise kaMgamule. Inkosi uDingana, kanye na-lezinduna zayo, babezondwa kabi amaBhunu. Ngoba esikatini sokutela kukaMpande kuwo amaBhunu, kwahlaluka ukuti yibona bobatatu ababékamelele ukuqedu amaBhunu kuzo zonke izimpi zikaDingana namaBhunu. Kwati-ke amaBhunu atembisa ukuti: obambe inkosi uDingana uyakuxohiswa izinkomo eziu50, obambe uNdhlela axoshiswe ezi25; pela uNzobo ayesemtole.

uNdabezimbi: Bheka kuMqayana.

uNdongeni: Indoda etile, okute amaBhunu elwa namaNgisi eTekwini, kwaKangela yabe iyisisebenzi kubelungu. Kute ukuba amaNgisi enzeke kabi, kwtunywa umlungu, Dick King, naye uNdongeni ukuhlabu umkosi kuHulumeni eKoloni; loku pela izwe lalisahanjwa ngamahashi kupela.

uNgcosana: "Ngcosana". Iqawe likaShaka (bheka kuManyosi).

uNgcubula: Uyise kaMjadu.

uNdulunga: Indodana kaSobhuza inkosi yamaSwazi.

uNdungunya: Indodana kaSobhuza inkosi yamaSwazi.

uNgawonde: Inkosi yakwaMbonambi.

uNgendeyana: (uGendeyana) Isikulu sakwaQwabe, okute ukuba kufe inkosi yakwaZulu, uSenzangakona, wasendela kuso uNandi, unina kaShaka, lapo efike wazala intombazana uNomcoba, nomfana, uNgwadi. Kakukanyi kahle kodwa ukuba yena uNandi

wayeze endele kwaQwabe nje, ngani. Kodwa-nje kungepikwe ngoba umfazi uyaziketela uma kutiwa kakombe emva kokufa kwendoda yake.

uNgiba: Indodana kaMananga ezala uSikota.

uNgobizembe (Gobizembe): Isipakanyiswa esitile ngakwaMapumulo okute ngapambilana kwempi kaBhambhada umuzi waso washiswa ngabelungu ngenxa yomsinjwana owasuka kona (ngayo njalo imali yamakanda).

uNgoboza: Indodana kaVukuza Mpungose. UNGoboza na kwaku ngumuntu omkulu, eyinduna kuCetshwayo kanye noPosile kaManyosi waseMambatteni.

uNgomane: Induna kaDingiswayo, eyabe ibusa isifunda sase-Mdhletsheni.

uNgonyama: babili: (1) Indodana kaNgawonde (Gawonde) ezala uGwala; (2) inkosi yaseMakuzeni.

uNgotsha: Uyise kaSongiya, unina wenkosi uMpande.

uNgoza: Inkosi yabaTembu, eyacitwa yizimpi zikaShaka ngase-Mzinyati, mabhekana neQuden. Kuloko uNgoza wabaleka eqonde eningizimu, wagcina ngokubulawa uFaku, inkosi yamaMpondo.

uNgqengele: Uyise kaMnyamana, induna kaCetshwayo. UNgqengelele wabemkulu kuShaka. Kwaku uye induna yemizi ka-Shaka epetele ngenyakato kweMfoloz'emnyama.

uNgqumbazi: Indodakazi kaManzini Zungu eyagana inkosi uMpande, yazala inkosi uCetshwayo.

uNgqungqushe: Inkosi yamaMpondo.

uNgubengcuka: Inkosi yabaTembu eKoloni.

uNgungunyana: Indodana kaMzila; engukoko wamaNyembane akwaGasa.

uNgwadi: Indodana kaGendeyana; bheka kuNgendeyana.

uNgwane: Uyise kaNdungunya.

uNhlanganiso: Bheka kuMpezu.

uNhlongaluvalo: Indoda etile yakwaNyawo, kuleliya elibheke eSwazini, lapo inkosi uDingana adhlula kona ebalekela impi ka-Mpande namaBhunu.

uNjakaba: Indodana kaSobhana, bendhluyakwaQwabe.

uNjengasilwane: Isikulu sakwaSikakana (?).

uNjoli: (Mjoli): Inkosi yaMaxasibe.

uNkayishana: Izibongo zoMntwana uSolomon.

uNkisimana: Indoda eyayivama ukutunywa yinkosi uCetshwayo kuMbhishobhi (umfundisi omkulu) uSabantu. Wayevama ukutunywa kanye noMfunzi Xulu.

uNkongolozana: Uye uMntwana otiva: "Manzolwandle."

uNkowane: Ummumzane otile owayebusa isifunda sakwa-Nzunza okute ukuba uZibhebh uabuye kuleli las'Eshowe, wasuswa kwesikaZibhebh. Kepa kute dukuduku sasuka isidumo, ngoba pela naku uNkowane usemkawulweni welasoSutu nelakwaMandha-

kazi. Kwalwa izinsizwa, okute kuloko kwafa umuntu otile kwe-sikaZibhebhу. Kanti-ke loko kwasekuba yisona sizatu esabanga ukuba kulwe impi yakwaCeza ngo 1888, okute kuyo uZibhebhу watelelana nabelungu.

uNkosinkulu: Bheka umlibo wamakosi.

uNkuna: Inkosi etile yaseMasomini.

uNkunzemnyana: Ukanye noMafukwini, kulezozinyakanyaka zempi kaZibhebhу yakwaCeza. Kungati yibona ababenamandhlа okukutaza abantu esifundeni sikaSomkele, nesikaSomopo, nesika-Bhejane (bheka kuMafukwini).

uNobanda: Iqawe elikulu kubusa uShaka.

uNokuputa: Uyise kaMangena, induna kaMawa.

uNbета: Indodana kaZivalele, engukoko wabaseMgazini.

uNocandambedu: Inkosi yamaNgwenya.

uNomagaga: Indodana kaNsele inkosi yamaKuze. UNomagaga ungenye yamakosi acitwa uShaka ekuciteni izizwe kwelaseMzinyati njengaloku acita amaNgwane, nabaTembu bakaNgoza ngaseMsinga, amaKuze kambe yiwo amaNadi, amaKabela, okute ukuba asuke lapo ayesaka kuleli elibekelene noTukela, ngakwaNtunjambili. Imvama yalesisizwe sipete ulimi lwamaHlube namaSwazi lokutekela.

uNomageje: Uyise kaBhejane Cebekulu, abakanye noSomhlola kaMvundhlana Biyela, abatweswa icala ngabelungu ngempi yakwaCeza, abanye babulawa.

uNomaguma: Uyise kaNgiba.

uNomahlanjana: Indodana kaZwide, inkosi yakwaNdwandwe.

uNomantshali: Umka Mpande ozala oMtonga, noMgidhlana,

uNombengula: Bibili: (1) Indodana kaZwide; (2) Indodana kaMzilikazi kaMashobana (wamqamba uyise ekumbuzela ngayo indodana yenkosи yakubo uZwide). UNombengula kaMzilikazi waba yinkosi kwaMzilikazi sekufe uyise. Kute esikatini sake izwe likayise latatwa ngabelungu "amaNgisi" ngo 1888. Wabuya walilwela; kodwa wehlulwa; wabaleka waze wabulawa umkuhlane ngasemfulen iZambezi ngo 1893 noma ngo 1894.

uNombeu: Inkosi yaseNhlangwini.

uNomcoba: Indodakazi kaSenzangakona yakwaboShaka, eyendela kuMlandela wakwaMtetwa ozala uSokwetshata. Abanye kodwabati: uNomcoba uzalwe uGendeyana, okwendela kuye uNandi sekufe inkosi uSenzangakona (bheka kuNgendeyana).

uNomo: Uyise kaKondhlo.

uNompetu: Indodakazi kaZwide, eyendela kuMashobana Kumalo, yazala uMzilikazi.

uNomqoto: Indodakazi kaSenzangakona.

uNondaba: Inkosi yaMawushe.

uNondela: Uyise kaNongalaza, induna kaMpande.

uNongalaza: Induna kaMpande, okute mhla uMpande eselwa

nomfowabo uDingana, ehangene namaBhunu, impi yake yapatiswa yena uNongalaza ngo 1839.

uNongcangca: Uyise kaJejese.

uNongqaushe: Intombazanyana eyabulala izwe ngalapa eKoloni, ngesikati sokufika kwabelungu. Yazenza umlozikazana yati, amadhlozi ati: abelungu bazakumuka. Yati: afuna ukuba kubulawe izinkomo, nani-nani, kushiswe nokudhla. Yati: konke kuzakubuye kuvele sekumuke abelungu. Po, abantu bansondo betshewa ngamadhlozi! Bakucita ngokushesha konke! Zabulawa izinkomo kwanuka izwe! Mamo, yabapata indhlala! Pinde izinkomo zivuke! Pinde ukudhla kuvele! Pinde abelungu bamuke! Kwakohlakala-nje! Abantu badhla imiti yesendhle! Bazaca kwallungelelana amatambo! Abanye bafa! Abanye bapeka izingane zabo! Nasoke isenzo sikaNongqaushe, esinjenge sikaBhambhada, eti: unomuti wokutiya inhlamu yesibhamu ingangeni esikumbeni somuntu!

uMabhodla: Inkosi yakwaMbonambi, eyashaya ulwandhle ngenduku Iwanqamuka pakati, yawela yaqonda le, enyakato; kusho inganekwane.

uNontsobo: Indodana kaMazwi, ezala uDhlemdhlemu.

uNonzaba: Induna kaShaka eyafela le, eKoloni, lapo izimpi zake zayezafika kona zihadulisa amaNgwane.

uNozidiya: Umka Malandela, ozala uZulu noQwabe (bheka "indhu yakwaZulu").

uNoziyingili: Indodana kaHluma, inkosi yamaTonga.

uNqaba: Indodana kaMbekwane Kumalo, owabaleka ngenkati kaShaka waya le, enhla, njengoMzilikazi noSoshangane.

uNqabeni: Indodana kaLanga, umfowabo kaZwide Ndwandwe.

uNqeto: (uQetu): Umnumzane otile wakwaQwabe, okute ekubuseni kukaDingana, wahlubuka nesizwekazi waze waponseka kwelamaMpondo. Kute ngo 1831, umlungu otiva: Lieutenant Farewell wahamba neqembu labantu edabula kwesikaNqeto, kanti usezitela kumalunda. Bambulala njalo; ngoba sengati kubantu bake kwakukona nabacatshangelwa ukuti bazinholi zikaDingana.

uNomsimekwana: Inkosi yaseManyamvini eyapuma kuwo amazimu, okwetukwa esekaka umuzi ashaqa bonke abafumana ekaya. Kute eMsunduze, uNomsimekwana wazilahla amatambo waposeka kwasinezingwenya nezimvubu, kepa wasinda! Insali yesizwe sakwabo yasale isizinikela kuye uShaka ngoba kwasekubangalase amazimu ezeni. Kute ukuba izwe ilihlale kahle, aManyamvu abuyela kona kwelawo ngaseMsunduze.

uNqinambi: Inkosi yamaWushe.

uNsukumbili: Umnumzane otile waseMambateni, indodana kaNtanjana.

uNtanjana: Uyise kaNsukumbili Mbata.

uNtaba: Inkosi yasemaTulini.

uNtanyana: Indodakazi kaMacingwane. Bati: UShaka lo, uze alwe noMacingwane nje, kwakusuka ngaye uNtanyana, namanye amadodakazi amahle kakulu enkosi yaseMacunwini, ngoba pela uShaka wayefuna awangenise esigodhlweni sakwaZulu, njengaloku naku uPakatwayo walwa ngalesosizatu.

uNtuzwa: Uyise kaSeketwayo Mdhlalose, okungati enye yezintombi zikaSeketwayo yayigane inkosi uCetshwayo.

uNtombazi: (uTombazi): unina kaZwide; okute lapo uZwide epange inkosi yakwaMtetwa, uDingiswayo, unina kaZwide wacindezelu ukuba abulawе ingani bekutiwa uzakubuye adedelwe njengaloku naye wayenza njalo kuZwide. Wabulawake uDingiswayo ngenxa kaNtombazi ngo 1818.

uNtsele: Indodana kaMashiya Dhlomo, inkosi yamaHlube.

uNtshilikazi: Uyise kaMagembe, ozala uManukuza, inkosi yakwaMbokazi.

uNtshingwayo: Indodana kaMahole Koza. UNtshingwayo lo, uye kambe induna enkulu eyayipete amabuto kaCetshwayo ngempi yaseSandhlwana ngo 1879. Kute-ke nalapo abelungu sebedabula izwe lakwaZulu, belibekela "izipakanyiswa, uNtshingwayo wabe ngesinye kuzo."

uNtwananhle: Uyise kaMkonto, kwesakwaMapumulo.

uNyawana: Omunye kubantwana benkosi, uDinuzulu (uNyawana uye otifa: uDavide, umfowabo wenkosi uSolomona).

uNyembezi: Indodana kaNdabayake wakwaMtetwa.

uNyoniyentaba: Indodana yenkosi, uCetshwayo yakokaMajiya.

uNyosana: Indodana kaMadwala, owaye isangoma (isanusi). Bati: uye uNyosana owabhula ukuti, uCetshwayo uncishwa inzalo nje, ngoba amadhlozi akwaZulu esola okwenziwa uShaka, no-Dingane, naye uCetshwayo ngokubulala abafowabo — uShaka pela wabulalala ngezimpi.

uNzibe: Umfowabo kaMpande, bangamadodana akwaSongiya bobibili. Kungati naye uNzibe lo, wayemkulu, ngoba uyafungwa njengayo inkosi uMpande; ingani loko akuvamile ngomkuba wakwaZulu; kuze kufungwe unina wenkosi njengoba kufungwa yena uSongiya; noNgqumbazi unina kaCetshwayo. Kufana nokuxabаница kwaZulu uma abantu befunga igama lalowo ongaqondene nobukosi, noma engumfowabo wenkosi. Kodwa-ke, siyabona ukuti uNzibe ufungwa ngesici sokuba engahlaselanga kwaSoshangane, ngempi kaShaka. Bamfunga, bati: "Ngifung'uNzibe, kwaSoshangane." Bati ituna lake lingasemzini kaZibhebhу, eXedeni, nge-nhlela esuka kwaNongoma iya kwaHlabisa. Umuzi kaZibhebhу lowo njalo, wake enxiweni lomntwana wenkosi, uNzibe.

uNzobo: Induna enkulu kaDingana, ekanye noNdhlela Ntuli, uyise kaGodide (bheka kuGodide).

uNzwakele: Induna yenkosi, uCetshwayo.

uPakade: (babili): (1) Indodana kaMacingwane, inkosi yase-

Macunwini; okute ukuba afe uyise yabuyela kwaZulu nensali yaMacunu, lapo ifike yazala uMbelebele noGabangaye; (2) Indodana kaSikunyana kakwaNdwandwe.

uPalane: Indodana kaMdinwa wakwaMkwanzai. Nguye-ke uPalane lo, owayepete impi kaCetshwayo ukulwa nempi yabelungu eyalingena elakwaZulu ngokuwela uTukela ezansi; yalwa nabelungu eWombana nas'Enyezane, ngakwaGingindhlovu ngo 3rd April, 1879 (enye induna kwaku uMabilwana Mdhletshe).

uPoyiyana: Indodana kaMpande — bheka kuNomantshali.

uPunga: Bheka "umlibo wokulandelana kwamakosi akwaZulu.

uPosile: Indodana kaManyosi kaDhlekezele, izilomo zikaCetshwayo, kanye noNgobozana Mpungose, nomkosana kaZanqwana Zungu.

uPungatshe: Inkosi yakwaButelezi, aqala ngayo uShaka ukudungula izizwe ezakelene naye; ngoba pela isifunda sakwaZulu, besipakati kukaButelezi noNdwandwe. Nako-ke, esehlulwa uPungatshe qede abalekele kuZwide inkosi yakwaNdwandwe. Naku sebembulala, njengaloku babulala inkosi yakwaMtetwa uDingiswayo.

uPutini: (uPutile): Inkosi yaseMangweni, okute ukuba uLangalibalele ahlulwe, abantu bake bazifihla kwesikaPutini, kanye ne-zinkomo ezi 2,000. UPutini wayake ngasoTukela oluncane (le, ngasoKahlambeni.

uQetu: Bheka kuNqeto.

uQetuka: Indodana kaManqondo Magwaza, ezala uZihlazile, unina woMntwana uDavide, umfowabo wenkosi uSolomona.

uQwabe: Bheka "umlibo wamakosi."

uQwelebana: Uyise womka Sihayo wakwaNgobese. Lomfazi kaSihayo otifa: "OkaQwelebana, wabaleka ngendaba etile, wawela uMzinyati, wahlala emzini kaMaziyana; bheka kuMaziyana.

uSambane: Indoda etile yakwaNyawo, eyayake budebuduze nelamaSwazi, ngas'Obonjeni. Kungati iyo lendoda eyanikela inkosi uDingana, kuwo amaSwazi ngenxa yezikomo ezadhla insimu yayo.

uSandili: Inkosi yaseKoloni yesizwe samaGaika. Lenkosi ingabalwa kanye noKreli, indodana kaHinsa, inkosi yamaGcaleka. Lamakosi alwa kakulu nabelungu kuleminyaka 1811, 1819, 1834, 1846, 1850 nango 1877, okute kuwo wafa uSandili.

uSeketwayo: Induna kaCetshwayo eyabe iyinkosi yesakwa-Mdhlalose, ukanye nezikulu ezabulawa impi kaZibhebhу oNdini. Futi ukanye nabo oMnyamana kaNgqengelele, ababelwa nabelungu ngempi yakwaZulu ngo 1879.

uSenzangakona: Bheka "umlibo wamakosi."

uShaka: Bheka "Amakosi akwaZulu."

uShangana: Indodana kaJobe, engumfowaba kaDingiswayo.

uShingana: Indodana kaMpande. Kukulunyuwa kakulu ngaye kuwo "amakosi akwaZulu", kuDinuzulu, lapo epatwa noNdabuko.

uSibhamu: Wayengesinye sezikulu zakwaZulu. Futi wayekona

kuzo izitunywa zoMntwana uDinuzulu, ezatunywa kuHulumeni lapo amaBhunu ebanga lelozwe okutiwa: "Elombango," ayeti kawalini emva kwempi yas' "Etshaneni."

uSidoi: Inkosi yamaDhlamini aseNhlangwini.

uSidumo: Indodana kaMamfongonyana, ezala uSigeotshana.

uSigananda: Inkosi yaMacube. "Inkom'inopondo kaZwekufa." USigananda waziwa kakulu. Kute ukuba inkosi uCetshwayo ilinyazwe uZibhebhlu. ONdini, wayitata, yahlala enqabeni yabo endala etiwa "Inqaba kaDhlaba" ngaseNkandhla — bheka ku-Cetshwayo. Futi uSigananda ukumbuleka ngempi kaBhambhada ngo 1906, okute kuyo bahlangana belwa noHulumeni, benqaba ukutela "Imali yamakanda."

uSigcau: Inkosi yamaMpando, indodana kaMqikela.

uSigewelegcwele: Induna kaCetshwayo, ebipete ibuto le, Ngobamakosi. Kute ngomkosi kaKisimusi (umkosi wolibo), kwa-vela indaba enku: kwagwazana amabuto enkosi, oNdini ngo 1876. Kwalwa ibuto elipetwe uHamu (uTulwana — amamboza—intanga kaCetshwayo), nebuto likaSigewelegcwele (Ingboramakosi). Kwa-mtukutelisa uCetshwayo ukuba ibuto elincane lidumele amadoda, uTulwane. Amabuto alwela emaqutshini ezintombi zengucegece ezilahliswe amasoka azo, eNgobamakosi, zanikwa iNdhlonhlo no-Dhloko; kepa ezinye zagana yena uTulwana. Po, kwaba inzondo loko kuyo iNgobamakosi — ibuto likaSigewelegcwele. Mamo! Yahlangabezana! Yawasusa iNgobamakosi amaMboza! Kulokoke icala labekwa enduneni uSigewelegcwele. Kwatiwa kabulawe! Nanguya ebalekela emzini wake ngas'Ongoye.

uSigonyela: Indodana kaMantantis, okute ngenkati kaDingana yahlasela kwaZulu, yatumba lezozinkomo ezazezalandwa amaBhunu kaPiti, okute eziyise kuDingana, eMgungundhlovu wakwaZulu, wa-wabulala ngo 1838 — bheka kuDingana.

uSigoda: Indodana kaNgiba ezala uMkosana.

uSigotshana: Indodana kaSidumo.

uSihayo: Indodana kaXongwa wakwaNgobese. USihayo nguyise kaMehlokazulu noBhekuzulu. Wayake eMzinyati. Inxiwala lake lisekwahlukaneni kwemigwaqo eya emazibukweni omabili kwa-Jimu nakwamatiseni — Rorke's and Van's Drifts — uma umuntu esukela ngaseSandhlwana. Isizatu sokuhlasela kwabelungu kwa-Zulu, sasuka kona emuzini kaSihayo (bheka kuCetshwayo naku-Qwelebana).

uSikizane: Induna enku kaZibhebhlu, okute ukuba uZibhebhlu abalekele kuleli las'Eshowe, ngemva kwempi yas'Etshaneni ngo 1884, yona yabalekela le, eSwazini nabanye.

uSikombazana: Inceku yenduna kaDingana, uNzobe (elobu-qawe uDambuza). Bobabili babulawa amaBhunu, betunywe uDingana ecela ukuba kusale sekutelelwana amanzi loku noMpande wasengakuwo amaBhunu. Po-ke uNzobo ayemzonda kabi ama-

Bhunu; kungako engavumanga ukuba abuye amdedele (bheka kuye uNzobo), ambulalake nenceku yake uSikombazane.

uSikota: Indodana kaMpande yakwabo Mbuyazwe.

uSikukuku: Indodana kaSikwata, inkosi yabeSutu abatiwa: "Bapeda" noma "Bechuana." Ngo 1876 uSikukuku walwa nama-Bhunu, ebanga izwe ayelinikwe amaBhunu uyise, uSikwata. Kute futi ngo 1878 walwa namaNgisi. Kodwa wehlulwa ngoba amaNgisi ayesizwa amaSwazi ngo 1879.

uSikunyana: Indodana kaZwide, engumfowabo kaSomapunga, okungati kute ukuba kufe uyise wabo bambanga. Kute ukuba abone uSomapunga ukuba uyehluleka wabalekela kwaZulu kuShaka.

uSikwata: Uyise kaSikukuku, inkosi yabeSutu.

uSimamanawengwe: Ukoko wendhu yakwaMtetwa, ozala uXaba (bheka "umlibo wamakosi").

uSintwangu: Indodana kaMpande, abati Abelungu: ngapambilana kwempi yakwaZulu, wayezishaya inzwebeli yakwaZulu, ehamb'ezidhlisa satshanya sengati ufuna izinkomo zokulobola; kanti uqonde ukutola isifuba sabelungu samasu abaqonde ngawo ukuhlasela kwaZulu. Kusobala-nje, ukuti impi yaseSandhlwane yabaqedza abelungu ngawo amasu atatwa zinzwebeli zakwaZulu. Bate bengena kwaZulu base baziwa. Basebeputunywa bengakayimbi imigodi yokulwa.

uSiqaka: Indodana kaNgonela wakwaNtombela, amaqawe ana-mandhla ngempi yakwaNdunu (kwaCeza).

uSishemane: Indodana kaZwide (?).

uSiteku: Indodana yenkosu uMpande. Isifunda sake sikwaZulu uNkantini — bheka kuMzingeli. Omunye umntanake ngu Pika, oyinduna kwaMuhle eTekwini.

uSitimela: Lomuntu, kaqondakali, wafika kwaMtetwa njengohlanya-nje, ezibiza ngokuti uyindodana kaSomveli, upuma le, enhla, nezwe lapo uyise wayecitekele kona ngezimpi zavoShaka. Wase-vusa impi njalo ebanga namadoda enkosi yakwaMtetwa, uDingiswayo ngo 1881. Kwaze kwahloma noJantoni elekelela abakwa-Mtetwa, wahlulwa-ke uSitimela, bambulala (uJantoni kwaku um-lungu).

uSiwunguza: Indodana kaSilwane, umfowabo kaGawozi, wakwa Mpungose. USiwunguza lo, waye inceku enku kaCetshwayo.

uSiyepe: Indodana kaLangalibalele.

uSiyingela: Indodana kaZihlandhlo.

uSiziba: Isitunywa sakwaZulu, okute ukuba amaBhunu axabane noZulu, ngendaba yokudatshulelwaa izwe, emva kwempi yas'Etshaneni, watunywa noZeyise, noMlulwana — uMlumana, ku-Hulumeni ukubika ukuti: amaBhunu asebulele uMntwana uDabulamanzi, ashisa nomuzi wenkosi (uNdi olusha olwakiwa ngaseNhlezatshe).

uSobantu: Umfundisi omkulu (uMbhisobhi) wokuqala kuleli

laseSilungwini. Kuningi okungalandwa ngaye kakulu esiza uCetshwayo ecaleni lempi. Futi nendodakazi yake (uDhlwedhlwe) wasiza kakulu ecaleni likaDinuzulu; kanjalo nendodana yake uGebhuza. Yonke indhu kaSobantu (Colenso) yaziwa kakulu kwaZulu; iyatandeka njalo ekukumbuleni kwabadalala abahlala bekumbula izenzo zayo ezelungileyo kuyo indhu eNsundu. Wafika kuleli izwe ngo 1853, wafa, wambelwa eMgungundhlovu (Pietermaritzburg) ngo 1883.

uSobhuza: Igama lamakosi aseSwazini. Omunye wayebusa ngenkati kaDingana. Kute uDingana eti ubalekela kuye, ngenkati yamaBhunu, kanti usezicoma kumalunda, wambulala — bheka kuDingana.

uSogweba: Induna yebuto lamaMboza (uTulwana), uSogweba ngokaMasekwana, uzalwa kaNtuli.

uSojini: Indodana kaMvunga, engumfowabo kaLuzipo besizwe samaHlubi kaMpangazita.

uSojiyisa: Indodana kaJama engumfowabo kaSenzangakona.

uSobhana: Indodana kaPakatwayo.

uSokoti: Inkosi yamaNgadi.

uSokwetshata: Indodana kaMlandela, eyabiganwe ngu-Batonyile, inkosazana yakwaMonase.

uSomapunga: Uyise kaMankulumane — bheka kuSikunya.

uSomcuba: Umfowabo kaSobhuza.

uSomfula: Indodana kaHalijana umnumzana wakwaHlabisa, okute lapo sekuxatshanwa noZibhebh uwapuyela ngakuye. Naloku uZibhebh ebekuleli las'Eshowe, wayehambile naye uSomfula.

uSomhlolo: Umnumzane wakwaBiyela, indodana kaMvundhla-na abahlupeka kakulu ngempi yakwaCeza, bebanjwa ngoba babe-vuma uZulu.

uSomlomo: Indodana kaMkosana wezizukulwana zikaMa-bhodha, inkosi yakwaMbonambi.

uSomopo: Umnumzana wasebaTenjeni, owaye kanye nabo oSomhlolo, ngempi yakwaCeza.

uSomkele: Indodana kaMalande, inkosi yakwaMkwanazi, inkosi yakwaMpukunyoni. Ibona njalo ababedunyelwe uZibhebh eti kabatele kuye, ngempi yakwaCeza, ngoba wayesehambe edumelanje, ebona ukuti uvunwa abelungu.

uSomveli: Indodana kaDingiswayo eyabalekela kwelamaPutukezi ngesikati sikaShaka. Nangoke uSitimela efika ebanga kwa-Mtetwa nendhu kaDingiswayo ezbiza ngokuti uyindodana kaSom-veli — bheka kuSitimela.

uSongiya: Unina wenkosi uMpande — bheka kuSenzangakona.

uSonqandile: Indodana kaMjadu, ezala uKaule.

uSonyangwe: Indodana kaKalimeshe okungati uyena obepete amaBhaca ekubalekeni kwano kwaZulu, engakapatwa uNcapayi.

uSoshangane: Indodana kaZikode, ezala uMzila.

uSotobe: Isikulu sikaShaka asituma noMbozamboza Engilandi, kanti babuya eKoloni — bheka ezindabenzi zikaShaka. Abanye batu yibo oSotobe noMbozamboza ababuya namakati.

uSotondose: Indodana kaMalusi, wakwaNxumalo, eyasalayo lapo izikulu zakubo kwaNdwandwe ziciteka ngenkati kaShaka.

uSukani: Indodana kaMpande.

uShonkweni: (babili): (1) Indodana kaMpande; (2) Isipakanyiswa sangaseMzinto kwaCele.

uTana: Umfowabo kaDingiswayo, inkosi yakwaMtetwa — bheka kuye uDingiswayo.

uTokotoko: Umfowabo kaMapita.

uTshanibeze: Indodana kaMyamana.

uTengwana: (uNtengwana): umuntu otile waseSilungwini; abati abanye: yasuka kuye indaba yokuba kubulawe uGquqqu, indodana kaSenzangakona; ngoba uzwe ehlanganisa isigugwana sokubulala uMpande kungene yena ebukosini.

uTwaisa: Umuntu otile owaye induna kuSobantu, kanye no-Bubi, waseMatulini.

uVukuza: Uyise kaNgobozana, wakwaMpungose, okade eyisi-pakanyiswa ngaseMtonjaneni kwaZulu. Kwaku ngumuntu oyisi-lomo njalo uNgobozana kuCetshwayo.

uVumandaba: Indodana kaNtete Kumalo.

uVundisa: Inceku kaShaka yakwaDukuza.

uXaba: Indodana kaSimamanawengwe — bheka "umlibo wa-makosi."

uXabhashe: Indodana kaMpande.

uXoko: Ukoko wabakwaBiyela.

uXongwa: Uyise kaSihayo Ngobese.

uZanya: Indodana kaLokotwayo.


uZeyize: Isikulu sakwaZulu esatunywa kanye noSiziba no-Mlwana kuHulumeni ngezikati zombango wamaBhunu.

uZihlazile: Unina woMntwana, uDavida, umfowabo wenkosi, uSolomona.

uZibhebh: Indodana kaMapita kaSojiyisa. Kuningi esekulandiwe ngaye, kakulu esikatini sikaCetshwayo noDinuzulu. Inhliziyo yake yayitanda ukubanga njalo nendhu yakwaZulu seloku kwabekwa uCetshwayo. Umoya onjalo waze wangena naku-Mntwana kaMpande, uHamu, nakuyo induna enkulu, uMnyamana kaNgqengelele, nabanningi bahlubuka babuyela kuZibhebh, kwaze kwaba isizwe esikulu esatiwa: "Umandhlakazi." Ziningi izimpi zake nendhu yakwaZulu. Enye yalwa Emsebe, enye kwaNdunu, nas'Etshaneni, nakwaCeza nakwezinye izindawana. Nakoke futi evimbezela inkosi oNdini, lapo kwapela kona izikulu zakwaZulu.

uZihlandhlo: Uyise kaSiyingela, inkosi yaseMbo.

uZivalele: Uyise kaNobeta.



UZIBHEBU

Nangoke uMhlang'oshaya izinkomo zikaMapita, inkosi yakwa "Mandhlakazi." Upete isibhamu somgqonqo, ezikatini zokulwa kwake no "Sutu," esizana nabelungu, ezikatini zawo "Malumade."

uZiwedu: Indodana kaMpande. Naye lo, angabalwa kanye no Ndabuko, noShingana ngesikati sezipitipiti zakwaZulu namaBhunu noZibhebh; futi — kepa kakulu noZibhebh eselangene namaNgisi.

uZiweweni: Okanye noDikida, — bheka lapo kuye uDikida.

uZiyankomo: Indodana kaMasipula, ayibulala ngoba iqonywe yintombi yesigodhlo.

uZonyama: Indodana yomfowabo kaSotobe, okungati yayakele ngasemfuleni otiva Emona.

uZuya: Inyanga yakwaZulu yokukanda izinsimbi — njengo Mahloko — bheka lapo.

uZwebu: Inkosi yamaHlongwa.

uZwekufa: Indodana kaDhlaba, ongukoko wamaCube. "Inkom'-inopondo," abake eNkandha, kwaZulu — bheka kuLuhungu, no Hambangana.

uZwide: Inkosi yakwaNdwandwe, indodana kaLang. Kuningi okulandwe ngaye endaben'i kaShaka — bheka futi kuNtombazi.

ISAHLUKO 28

**Iminyaka Eqondene Nezindaba Ezinkulu Kusuka
Esikatini Ezenzeke ngaso Kuze kufike Kulonyaka 1939**

Kungati, kwapela iminyaka enkaka 2244, kusuka "Ensikeni" kuya ekuzalweni kukaJesu Kristu. Uma sibala kusukela ekuzalweni kukaJesu sekupele iminyaka 1939. Kodwa kuzakuya pambili njalo, njengoba kwedhlula uKisimus besesiqala omunye unyaka. Uma sibala kusukela "Ensikeni kuze kube ku 1939, kuyiminyaka engaka: 4183 - 2244 + 1939. Ake sishiye lapo kesibone izindaba ezenzeke kuleli lakiti, kusukela esikatini sokufika kwabelungu (ababeti obaba "abalumbi" — skillers).

Kumbulanike, bakiti, ukuba nami ngitungata ngezincwadi zabhlanipileyo; okwati besafika kulelizwe bacoshela ezinecadini zonke izindaba, njengeminyaka ezenzeke ngayo, bengena, bequbeku, nalo lonke lelizwe kuze kube manje.

Isizwe sokuqala, esaqala ukubona lomhlaba "South Africa" ngamaPutukezi, ngalonyaka ebona elase Koloni ngo: 1486, namhla-ke, kusuka lapo, sekuyiminyaka e453. Kute ngalonyaka 1497, amaPutukezi ayesebona leli lakiti "lika Shaka" aliqamba ngolimi lwakubo ati: "Natal" okukomba ukuti alibona ngosuku lukaKisimus. Namhla-ke, sekuyiminyaka engaka, 442 kusukela lapo. Kute ngalonyaka 1652, kwasekufika amaBhunu eKoloni, esezokwaka, esehlule amaPutukezi — namhla sekuyiminyaka engaka 287, kusukela lapo. Kute ngo 1668, amBhunu aqala ukulwa nama-

Bhusumane — Bushmen — “izicwe” zaseKoloni. Kute dukuduku, ngo 1672, amaLau — Hottentots — avuma ukutengisela amaBhunu ngezwe lawo ukuba atole ugologo, nogwai, nobuhlalu (funda “**Ukuzaka kwabantu**”). Ngo 1673, inkosi yamaLau, uGonema, yalwa namaBhunu, isibona ukuti asetata lonke izwe elihle. Kute ngo 1688 kwafika eKoloni uquqaba lwabelungu, abazicaka — Huguenots, luzokusebenzela inkapanie yamaBhunu. Kute ngo 1713, kwabhboka eKoloni, ukufa “IMFOLOGO.” Yabuya yahbokwa ngo 1755. Kute lapa kwaZulu, yahbokwa ngo 1863, namhla-ke sekupele iminyaka engaka 76 nanamhla basenezifaca zayo ebusweni eyabangenayo. Ngo 1780 amaBhunu atata izwe lamaXosa, kuzekufike emfuleni omkulu — Great Fish River. Kute ngo 1793, amaXosa alwa ayitata indawo etiwa Zuurveld; okute abelungu babuye baye bayitata ngo 1811; okute kusuka lapo abelungu bahlalisa ngo-kulwa namaKosi amaXosa nabaTembu: oHinsa, noKreli, noSandili, noNgubengeuka, noKauta (ozibongo zitiwa: “umkosi uhlatshwe eMgwali waze waposeka eHewu naseMbholombo; ushaba oluvele ezansi eNxuba lwaze lwabikwa ngapesheya kweGcuwa.”) Kanjalo amakosi amaXosa, nabaTembu, namaGaika, namaGcaleka, alwa nabelungu, kusuka ku 1811 kuya ku 1877. Kute ngo 1795 “Izicaka” ezaletelwa ukulima izwe ngo 1688, zahlbukwa abapati bazo, zangena pakati nezwe zaqonda le enhla; igama lazo zatiwa “DUTCH FARMERS” okuti AmaBhunu angabalimi, nabafuyi — njengoba niwabona amaBhunu. Yiwo-ke, njalo lawo aylewa nalezi zifunda ekade ngizibala. Kute ngo 1806 kwafika amaNgisi eKoloni, okute nawo ngo 1820, aleta uquqaba lwakubo luzokwaka. Izindawo ezaqanjwa ngokukumbuzela ukufika kwabo zimbili: iPort Elizabeth, neAlgoa Bay — “Ebhayi.” Kute ngo 1818 - 1819 kwaxabana amakosi amaGaika odwa. UGaika (okubizwa ngaye isizwe samaGaika) wapatelwa ubukosi nguNdhlambe esemncane. Kute eseyinkosi baxabana kabi, bageina balwela endaweni etiwa: “Amalinde” — Kometje Flats. Kute ukuba ahlulwe uGaika, wacela ukuba asizwe amaNgisi. Bayisusa ekaNdhlambe bayitela kwelamaXosa! Mamo! AmaXosa! Awuhlaba aulaula, wayihlomisa uMakana, yavimbezela amaNgisi eHini (Rini), Grahamstown. Kute ukuba ehlulwe uMakana, wabanjwa wasiwa esiqingini **ROBBEN ISLAND**. Emva kwaloko weqa ngesikebhe, kanti sizakucwila elwandhle! Ngo 1836, amaBhunu aqombola ngemizilakazi alishiya okwempela elase Koloni eza kuleli laseFulesitata, nelaseNtalasivani, nelaseNatal — namhla sekuyiminyaka e103.

Sekuyiminyaka e 152 kusuka ekuzalweni kukaShaka ngo 1787 (?)

Sekuyiminyaka e 129 kusuka ekufeni kukaSenzangakona ngo 1810 (?)

Sekuyiminyaka e 121 kusuka ekufeni kukaDingiswayo ngo 1818.

Futi yiso lesistikati okungati uShaka waqala ngaso ukucita izizwe ngezimpi.

Sekuyiminyaka e 115 kusuka kuso isikati sokufika kwamaNgisi eNatal ngo 1824.

Sekuyiminyaka e 113 kusuka ekubalekeni kukaMzilikazi ka-Mashobana kwaZulu ngo 1826.

Sekuyiminyaka e 111 kusuka ekufeni kukaShaka kwaDukuza, ngo 1828.

Sekuyiminyaka e 104 kusuka kuso isikati sokwakiwa kweTeku — Durban; nokufika kwabafundisi kulelizwe, ngo 1835.

Sekuyiminyaka e 102, kusuka esikatini sokufika kwamaBhunu lapa eNatal, ngesikati sikaDingana, ngo 1837.

Sekuyiminyaka e 101, kusuka kuso isikati sokwakiwa kuka-Zulu, ngamaBhunu, eNcome, Blood River, ngo December 16, 1838.

Sekuyiminyaka e 100, kusuka kuso isikati sokwakiwa koMgungundhlovu (Pietermaritzburg), ngo 1839.

Sekuyiminyaka e 99, kusuka kuso isikati sokubekwa kuka-Mpande ngabelungu, amaBhunu ngo 1840.

Sekuyiminyaka e 97, kusuka kuso isikati sokulwa kwamaBhunu namaNgisi eTekwini 1842 kwaKanga.

Sekuyiminyaka e 93, kusuka kuso isikati abelungu abadabula ngaso lelizwe “Onokeshini” ngo 1846.

Sekuyiminyaka e 83, kusuka esikatini sokulwa kwaBantwana uCetshwayo noMbwayi, “Endondakusuka — Tugela ngo 1856.

Sekuyiminyaka e 79, kusuka kuso isikati sokufika kwamaKula kuleli izwe, ngesiBhalo sawo esitiwa “UGilimidi” ngo 1860, nomgwaqo wesitimela Epayindi, Durban.

Sekuyiminyaka e 67, kusuka kuso isikati sokufa kwenkosi uMpande ngo 1872.

Sekuyiminyaka e 70, kusuka esikatini sokubhoboka kweDayimani eKimberley ngo 1867.

Sekuyiminyaka e 66, kusuka kuso isikati sempi kaLangalibalele, nesokubekwa kwenkosi, uCetshwayo nguSomtseu, ngo 1873.

Sekuyiminyaka e 63, kusuka kuso isikati sokubulawa kwe-zintombi zakwaZulu “Ingcugce,” ezenqaba ukugana amabuto ashiwo yinkosi Indhlondhlo, noDhloko, ngo 1876.

Sekuyiminyaka e 60, kusuka kuyo impi yakwaSikukuku, ne-yakwaZulu, eSandhlwana, ngo 1879.

Sekuyiminyaka e 58, kusuka kuyo impi yamaBhunu nama-Ngisi, emaJuba, ngo 1881.

Sekuyiminyaka e 56, kusuka kuso isikati sokubuya kwenkosi uCetshwayo pesheya, ngo 1883, nasempini kaZibhebh uaye uCetshwayo.

Sekuyiminyaka e 58, kusuka kuyo impi kaSitimela, ngo 1881.

Sekuyiminyaka e 55, kusuka kuso isikati sokumuka kwenkosi

uCetshwayo, nasempi yaseTshaneni kaDinuzulu noZibhebh, ngo 1884.

Sekuyiminyaka e 52, kusuka kuso isikati abelungu abatata ngaso elakwaZulu, emandhleni enkosi yohlanga lwalo, ngo 1887, (May 14th).

Sekuyiminyaka e 51, kusuka kuso isikati sempi yakwaCeza nakwaHlopekulu, ngo 1888, nokubanjwa kwenkosi uDinuzulu ngamaNgisi, emyisa pesheya.

Sekuyiminyaka e 48, kusuka kuso isikati sokufika kwomgwaqo wesitimela eShalasitonu usuka eNatal, ngo 1891.

Sekuyiminyaka e 47, kusuka kuso isikati somgwaqo wase-Ntabazwe — Harrismith, ngo 1892.

Sekuyiminyaka e 46, kusuka kuso isikati sokufa kukaSomtseu, ngo 1893.

Sekuyiminyaka e 45, kusuka kuso isikati sesikonyane, ngo 1894.

Sekuyiminyaka e 43, kusuka kuso isikati somgwaqo oya eGoli — Johannesburg, ngo 1896.

Sekuyiminyaka e 42, kusuka esikatini sokufa kwezinkomo ngo 1897.

Sekuyiminyaka e 41, kusuka kuso isikati sokubuya kwenKosi, uDinuzulu pesheya, ngo 1898.

Sekuyiminyaka e 40, kusuka kuyo impikazi yamaBhunu ka1899.

Sekuyiminyaka e 36, kusuka kuwo umnyaka wokomisa kwezulu, ngo 1903, neqwa elepula imiti.

Sekuyiminyaka e 33, kusuka kuyo impi kaBhambada, ngo 1906.

Sekuyiminyaka e 29, kusuka kuso isikati senkanyezi enomsila, ngo 1910.

Sekuyiminyaka e 26, kusuka kuso isikati sokumuka kwenkosi, uDinuzulu, ngo 1913.

Sekuyiminyaka e 25, kusuka kuyo impi yamaJalimane, 1914.

Sekuyiminyaka e 22, kusuka kuyo "Imfuluwenza" ngo 1917.

ISAHLUKO 29

Izizwe Ezimnyama Zase South Afrika Nokuzalana Kwazo

Bakiti, kulukuni kabi ukuba umuntu atukulule utekelezane, lwenkaba yezizwe ngezizwe zase Afrika, okubonakala ukuti zehla kona le kwelas'Egit, eminyakeni engasaqondwa muntu. Kuya-qiniswa ukuti bonke abantu abamnyama baqamuka kona le, enhla neAfrika. Nazi izizwe okutiwa zizalwa uMalandela, noma uMnguni: uZulu, amaXosa, uQwabe, uXulu, amaCunu, uNdhlolu, uKanyile, abakwaXimba, nezinye. Ukwelukana kwaveza nezilimi ezechlukeneyo, njengamaBhaca akuluma ulimi olwahlukile, kanti adabuka

kwaZulu, ayekade ake ngaseNgoye, abalekela eMzimkulu ngezimpi zikaShaka. Kutiwa: abakwaMkize (abaMbo) badabuka eSwazini. AbakwaNdhlolu bacitekela ezindaweni eziningi, nakubeSutu, nama-Tonga, namaSwazi, namaMpondo, nasemaXoseni, nakwabasema-Cunwini, besuka kwaZulu, eNkandhla, lapo inkosi yabo uMpongo, yadhlwa ingwe ipuma ehlatini, uNomangci. AbakwaNgcobo kungati badabuka namaTonga, ukoko wabo nguVumezita. AmaHlube, akanye nabeSutu, ayake ngaseNgcuba. AmaNgwane azalana namabovu — afumbete iziwana ezincane esakwaNgcamu, nesakwa-Gwamanda — okutiwa amadoda aso ayalibala ukubala ukupuma nokungena kwezintutwane, endulo; ngaloko balahlekelwa ubukosi. AbakwaKumalo bakanye nabeSutu, namaHlube namaHlanti, nabakwaMabaso, nabaseMdhlletsheni — uMzilikazi kaMashobana, owarebaleka endulo waya le, kwaMabelemade, uzalwa kona kwaKumalo. AmaNgwe azalana namaTonga, ayevuma ukuhlalisana kahle nama-Hlube okwaze kwenza ukuba lezozizwe zihlale ndawonye enkatini kaLangalibalele noPutini.

AbakwaNxumalo bazalwa eSwazini, ukoko wabo uMzila. AbakwaShange bazalwa eMbo, ngamaSwazi — bakanye nabakwaWosiyana, nabakwaNgidi. AmaMfengu yinhlanganisela yezizwe ezabalekela eKoloni ngezimpi zikaShaka — banezibongobongo ezapuma kwaZulu. AbakwaDhlamini bangamaSwazi. Kukona amaDhlamini akaDweba abatenga ukuti "Dhlamini" ngenkomo, ingani bona bangamaZizi akwaSijadu. Ezinye izindhlu zendhluyakwaDhlamini zehlukaniswa ngokuti: "Inhlangwini," ngoba kukona namaDhlamini akwaBhidhla Mbazwana, Fodo, Kukulela, Sidoyi. AbaseMangadini bazalana nabakwaNene, nabakwaZincuma — kutiwa ngabendhlukwaQwabe. AbakwaNgwenya bazalana nabeSutu — ukuti "Ngwenya," kusuka kuso isibongo sabsutu sokuti: "Mgwena." AbakwaMpungose, bazalana nabakwaZungu. AbakwaSibiya bakanye nama-Mbata akwaShandu. AbakwaMhlongo baseLangeni (lapo kuzalwakona uNandi, unina kaShaka), bazalana noMagwaza lapo kwakutete kona uCetshwayo, etete intombi kaQetuka kaManqondo). Abakwa-Ntombela uZulu emhlane kwaNozidiya — umka Malandela. Isifundakazi sakwaMtetwa, sizala: abakwaCele, nabakwaCebekulu, nabaseMagengeni, nabakwaNdhlela, nabakwaNdunakazi, nabase-Macambini, nabakwaMsweli, nabakwaSeme, nabakwaSokulu, okutiwa: Mtianye, nabakwaMbonambi, nezinye. AbakwaMvelase, inxenye yabo ngabaTembu bakaNgoza. AbakwaMkwanazi badabuka eSwazini, ukoko wabo nguMvenyane, uyisemkulu kaSomkele. AbaTembu bazalana nezindhlu ezitile zakwaZulu. Lesisizwe sine-zigaba eziningi. Abaningi bangamaMfengu abaleka kwaZulu aya le, eKoloni. Abanye bangamaTembu bakaTshana, abatiwa "Matonsi." Abanye abakaNgoza okutiwa: Mtembu, Bantwini, Lamula, Mpangazita. AbakwaSitole bakanye nabaTembu ngisho abakwaSitole bakaMbulungeni kaMbhadu, nabakaMatshana ka-

Mondise futi bahlangene nabakwaMvelaso bakaMganu kaNodada. AbakwaWetsi ngabeSutu ababake eNqutu, lapo namhla kwake abe-Sutu bakwaMolife. AbakwaZondi bazalwa kwaDhlamini. Namhla banezizwe ezitatu ezikulu. Nazi: INadi epetwe nguMzimba; Ingome epetwe nguMancinza; uMpumuza bakaTetelegu. Abakwa-Dhladhlama amAMpempe, bakanye namaMbata, badabuka kuShandu. AbakwaMadhlala badabuka kwaZondi—bangumlibo wendhluyakwaDhlamini, inkosi yabo nguye uMzimba umzukulwana kadhlab. AbaseMapepeteni—abakwaMajiya—bazalana noZondi, ukoko wabo munye namaDhlamini. AbakwaNgelosi—Bhengu, ngamaSwazi, inkosi yavo nguMepo kaNgwane—bazalana nama-Dhlamini akwaKunene namhla anezindhluzi ezimbili ezinkulu: uDhlokolo noHlangabeza. AmaZizi—kaDweba—akwaSijadu, angabakwaDhlamini ngoba asitenga lesosibongo ngenkomo. Ama-Nyamvu kaSali, Mdhuli, ayepetwe nguNomsimekwana kaMcosela, owasinda empini yamazimu ngokuziposa eMsunduze. Abakwa-Kambule kutiwa bakanye namaCube kaMbhowane—amanyama ama-Cube akwaZulu, ngaseNqutu, apetwe nguMaweni, indodana ka-Mbhowane—abakwaKambule ngabeSutu—kutiwa: “Kambula, Zilankata, Msutu owaqonda ilanga.” AbakwaMajozi bazalana namaCube (lana okutiwa: “Inkomo enopondo kaZwekuwa”), oMfulatela, noNgoza bangamadoda akumbulekayo endhluyamaJozi, benziwa abantu abakwa ngesikati sikaSomseu. AmaCube yisizwe esifumbete eziningi, ezafike zatolwa kona; nazi: abakwaWosiyana, nabakwaCamane nabakwaMfene, nabakwaNgcobo. Isizwe sama-Cube yisona esasikwazi ukukanda insimbi kube ngamasongo ezilomo—“ibheje,” “umnaka.” AbakwaShezi, bazalana namaCube. AbakwaDunge, bakaBhoyiya, kaMzaduza, babake eMvoti, kwaze kwa-fika aMafuze evela kwaNgongoma kungati kuleyondawo kwakukona nabakwaNgcobo abapetwe nguXonxolamkonto, okutiwa wayeliqawe, amanxebe eqed’umzimba. Izizukulwane zake nazi: uMdunane, nomDindi, noSokebi, noDhlomo, noNonyanda, noMahaule. Ama-Dunge namaFuze ayeahlalisene kahle lapo eMvoti, kwaze kwafika izimpi zamaBhunu, nenkosi yakwaZulu uDingana—ezinsukwini zikaMahaule. AbakwaNtuli (amaBhele), kutiwa behla ngesilulu enyakato; ngoba ukoko wabo uNgono, wabafaka kuso bonke abantabake, wati eseyalela wasikaba ngonyawo sahamba njalo nabo, saze sabatulula lapa ezansi. AbakwaTusi bazalana nabakwaMfene, behlukaniswa ubuvila bokwenqena ukulima, abanye bapisela imipini yapenduka imisila. AbakwaMojola bazalana namaCunu, nabakwaKoza, nabakwaHlela. AbakwaBeyeni, bakaLembede, noLubhoko, nabo kutiwa bazalana namaCunu. Amaliba amakosi abo oLembede noLubhoko—abekelene kona lapaya eTalen kwaZulu—elikaLubhoko liseTalen pezu kwesikoli sikaNzimela; elikaLembede liseskallen sebomvu. AbakwaNxamalala (Zuma), bakaMafahleni; kaLugaju, kaMatomela, kaShisa, bazalana nabeSutu. Abakwa-

Butelezi bakaPungashe, kaMevana, bazalana nabakwaMahlase, base-Zibisini. Abanye bapetwe uMkonto kaPungashe, kwaZulu, eNhlatatshe. AbaseZibisini, kutiwa ukubizwa kwabo ngempela: “Zimpisi ezimilomo ibomvu ngoba zixapa igazi labantu.” Kutiwa kwaku-yisizwe samaqawe esafika noDingiswayo kwaZulu, mhla ebuyayo kade enyamalele kwaMtetwa, ngalesosidumo ababebulawa ngaso nomfowabo uTana (abanye bati uMawewe). Kwati ukuba afe uyise kaDingiswayo, wabuya eseconde ukutata ubukosi. Wabuya naso lesosizwe samaqawe eqonde ukulwela ubukosi bake.

Bakiti, zingepele izibongobongo. Mhlaumbe ezinye zingabuye zifikwe uma kubuye kulungiswa enye incwadi. Futi kungakuhle uma abanangi bengitumela izibongo eziseleyo batungatise inkaba yokuzalana kwabo. Futi kungakuhle uma abanye bengitumela ize-luleko ukuqondisa kahle lapo bebona kona ukuti kudukile kulezizi-bongo eseziotshwe kulencwadi. Kasinayo incwadi eyibhuku lom-libo wendhluyemnyama. Ngakoke incwadi enjena ifanele ukwandiswa, ibe umtao wokulondoloza indabuko yaBantu, okuya-kufunda kuyo izizukulwane setu ezizayo.

ISAHLUKO 30

I AFRIKA NOMNOTO WALO

Bakiti, izizwe ezihlakanipileyo ziti: kaliko izwe eledhlula iAfrika ngomnoto. Ngisho namaKula eseabalaze kabi ukuba abuye eNdiya, lapo atatwa kona ngesibhalo sawo, uGilimidi ngo 1860. Izihlakanipi zenhlabati (geologists), ziti: iAfrika linezindunduma zomcebo oyakuhlala kuze kuge zizukulwana zezi-zukulwana. Linezindunduma zomcebo ozakumbiwa pansi: imali, amalahle, insimbi nani nani okutele pansi. Futi linezindawo zokufulyela: izinkomo, amahashi, nezihxabhu, nezinkuku, namadada, nani nani efuywayo. Futi-ke linezindawo zokulima: umbila, amabele, ubhatata, amazambane, umoba, ugampokwe, uwatela, nani nani elinywayo. Futi linezindawo ezinempilo enhle kakulu ekwakeni. Futi lihle kakulu ngoba linoquqaba lwezisebenzi, zabantu ezanela imali encane—Cheap Native Labour. Umuntu ongafundile uyinsumansumane bakiti, ezikatini zanamhla! Akuqulwa ukuti abantu bayakuzisola kabi ngalobu ubutongo obubapeteyo; kanti, bayabona izwe lihwilizwa yizo zonke izizwe. Kasiko isizwe esingazidepuleli ipulazi laso lapa eAfrika!

Bakiti, ningazetembisi kakulu ukuti baningi abelungu abacabanga ukuti umuntu omnyama ufanele ukuhlala kahle njengomlungu kulomhlaba. Abanye abafisela umuntu omnyama ubugqili, baza-baqambe amanga bati: kade befile, basebefumana abantu abamnyama bezigqili zabelungu ezulwini: besemakwishini nasemaha-

shini ezitebeleni, nasezingadini emapulazini, nasekuwasheni izi-
ngubo, nasekwaluseni izihxabhu emapulazini, nakuyo yonke imi-
sebenzi emibi, okubonakala ukuti: umlungu "oyisita somuntu
omnyama uqobo lwaso," umfisela yona! Abanye abelungu bat:
kwasho uNkulunkulu ukuti abendhlu kaHamu bayakuba zigqili za-
bendhlu kaSemu, nekaJafete.

Kasazi pela, mhlaumbe kungabanjalo. Kodwa uma sitata
iqiniso njengokuma kwalo kuyo incwadi yeNkosi, singabona kahle.
Uma abantu befunda kahle bazakubona ngokunye eminyakeni
ezayo. Kutiwa "uNowa wapuza utshwala — iwaini wadakwa, wa-
lala bunqunu endhlini etendeni lake." Kwafika indodana yake
uHamu, wabona uyise enqunu, "watshela abafowabo bobabili beng-
pandhle." USemu noJafete batata ingubo bamembesa ngamazwi
eBaibele kutiwa: ingubo bayibeka emahlombe abo bobabili, bahleha
nyovane, babusibekela ubunqunu bukayise, ubuso babo babheka
emva, ababonanga ubunqunu bukayise." Kungatike okwatukut-
telisa uNowa yiloko ukuba uHamu ambuka, washya engamembesile.
Kakupikwa-ke ukutukutela kwake. Kodwa **sipika ukuti waqalekisa**
sonke isizukulwane sikaHamu. Kalikusho loko izwi leNkosi. Loko
kuvela ezhnliziyweni zalabo abaqonde ukupanga lomhlaba wa-
Bantu; nalabo abaqonde ukwenza aBantu iziqqli zabo! Uma
sibhekisia kambe emazwini kaNowa, atetisa ngawo uHamu ng-
loko kwenza kwake, sibona ukuti: uHamu wayengomncinyane ku-
bafowabo, noma evama ukulaneliswa kuSemu. Nayeku uNowa
wasongela ukupindisela isenzo sikaHamu kuyo indodana kaHamu
encinyane uKenani (Gen. 9:25). UNowa kabapati nempela
oKushe, noMizrami, noFuti; okute emva kokuhlakazela kwezizwe
ensiken, uHamu wehlela nabo eAfrika, waka ezweni las'Egipita
elaba yisibusiso esikulu ukusindisa isizwe samaIsraeli ngendhlala
ngesikati sikaJosefa; futi laba yisipepelo esikulu sokulondoloza
uJesu ngesikati sikaHerode (Gen. 42-45; Mat. 2:13). Njengoku-
tukwa kwake uKenani, kahlanganiswanga nabafowabo kawelelanga
eAfrika. Wanikwa izwe okudabula kulo umfula waseJoridana lapo
ahlala kona kwaze kwafika uAbrahamu ukuba alitate, nezizwe zake
— amaKenani zabazigqili zamaIsraeli abendhlu kaSemu — nje-
ngesituko sikaNowa (Gen. 12, 1-6). Kunjaloke. Lipike iquiniso
lokuti: zonke izizukulwane zendhlu kaHamu ziyakuba zigqili za-
banye? Siyabona ukuba abelungu sebekangwa umnoto, nobuhle
beAfrika. Kangimangalanga ngelinje ilanga, ngibona umlungu
otile eveza izitombe kwaTayiniwo eTekwini, komkulu umhlangano,
iAfrika lifaniswa nalo izwe likaKenani elapiwa uAbrahamu ("Land
of Promise"). Kuyamangalisa ukuba isizwe esifundiswe njengabe-
lungu kube yisona seqa imikaulo yeBaibele. Kaliko neze iquiniso
lokuti lelizwe abelungu balipiwe uNkulunkulu njengezwe likaKe-
nani. Kodwa ngokwabo kabaquli ukuba kunjalo.

Izindawo Okukashelwa Kuzo Abantu Nenhlaro
Yabo Kuzo

AMALOKISHI

Kambe, bakiti, seniyazi ukuti sekukona umteto omusha, oku-
qondwe ngawo ukuba abantu abahlala emadolobheni bafunelwe
amaLokishi abuqamamana namadolobha; kube yiwona muzi wa-
bantu — Native Villages — lapo behlala kona, baye ngokusebenza
emadolobheni; kodwa bangabi namvumelo yokuzenzela imisebenzi
yabo edolobheni kupela kuwo amaLokishi. Kwake kwangati:
abantu bayakuvunyelwa ukuzitengela izindawo zokwaka nezoku-
zenzelani abakutandayo. Kute qiqi, kwasekutiwa: umuntu uyaku-
hlala ngokuqasha, noma kungokulala kona, noma ngokuzenzela
umsebenzi! Kangazike, bakiti, ukuti niyabona kahle yini ukuti
lawo masu aqondeni kubantu. Uma abantu beyakuhlala edolobheni
ngokubazisebenzi kupela, bangabi nalungelo lokuzenzela imisebenzi,
kukombisa loko isu lokutolisa abelungu, nabo bonke abanezitolo,
namahotela; imali epuma kubantu; ngoba usuku lonke abantu bay-
akuba zisebenzi edolobheni, befika kona ekuseni, baze bahambe ku-
hlwile, bafike kuvaliwe eLokishini; kanti kade bedhla betenga konke
edolobheni — lokoke kwenze zishone izitolo namahotela abantu
eLokishini, ngoba bayingcosana abahlezi kona emini. Futi, ukuba:
abantu bayakuhlala ngokuqasha, bangabinaziza zokwaka, nezemi-
sebenzi, kukombisa izinto ezimbili: (1) Kukombisa ukwenza abantu
imihambima njalo, ezweni lokoko betu! (2) Futi kukombisa
ukuti abantu baseLokishini benziwa umgodi wokuveza imali yonke
iminyaka ngokuhlala beteleta izindhlu abalala kuzo, nezokuziseben-
zela imisebenzana etile — njengezitolo, namasilaha, namahotela,
kukombisa ukuti imali yabantu ihlale isiza abanye. Konke-ke loku:
kukombisa ukuti umuntu ongasenamandhla okutela eLokishini,
ufanele ukupuma ahambe ezula, aze afele emgwaqweni ngoba noma
wayenamandhla okutenga indawana kona, kayitolanga! Po, lipi
iqiniso lokuti kulungiselwa abantu?

IZINDAWO ZABANUMZANA ONOKESHENI

Bakiti, kakuqulwa nakuqulwa ukuti oNokesheni, bazakufa-
naqo, nalezindawo zasemadolobheni, ezitiwa: amaLokishi. Ziza-
kufana ngako konke nje ngaloku kade ngisho nje. Nasemadolob-
heni kade kungeko ukuba abantu baqoqelwe ndawonye. Lomkuba
uvezwe ukuminyana kwabantu emadolobheni. Abelungu base
bengena ngokungati bayalungisa, kanti sebetola imbobo yemali
lapo iqoqekele kona ndawonye; bayatata sebeveza ezinye izindhlela

zokuyidonsa — njengamatshwala. Lomkuba wokucita abantu ngamapulazi, uqonde kona impela ukuminyanisa abantu ezifundeni zabnumzana. Po, niyazi abanumzana kabazi luto; kuyakuti ngokuminyana kwabantu, besebe yingaza nje! Kanti abelungu: batate basuse izindhlu zesintu, bake ezesilungu, okuhlalwa kuzo ngokuqashwa kutengwe konke: kudhliwe ukudhla kokutengwa nenyama yamasilaha, namanzi aletwe ngompompi. Loko-ke sekü **ukupuma kwezwe okwempela ezandhleni zabantu, nokupela kwamandhla nesikundhla sobunumzane!** Besekufika kuyo injongo yabelungu abayazilazilela ngalamazwi: "Parents, your children's future is at stake," nokuti: "Coloured Menace," nokuti: "A White South Africa."

IZINDAWO ZAMAKOLWA — MISSION RESERVES

Kungukulinganisa nje, uma ngiti: o"MISSION RESERVES," zindawo zamakolwa. Nginamahloni ukuba ngizibize ngokuti: "Amapulazi abafundisi" njengaloku abantu sebekuvamisile loko, ababona ukupateka okulukunya kwezinye — ngoba pela nabo abanye abafundisi babuye bakusho uma sebexabene nomuntu, bemxosha, ukuti: "Ngizakukuxosa lapa epulazini lami." Kanti ke umuntu ebesebamba lelo le "pulazi". Kanginakukomba luto maqondana nalezizindawo, ngoba okuhle kungenziwa yibo abafundisi kubantu. Tina sasetemba ukuti: abafundisi bazokuba yiladi letu lokukwela, ukuba sifinyelele kuzo zonke izindawo umuntu angafinyelela kuzo uma egqoke isikumba esimhlope! Uma kutatwa iqiniso njengokuba linjalo, abafundisi bayazi ukuti: **ubuhloba bokugala, kumlungu nomuntu, batolokala ngabo!** Ngikuluma-nje, abanye bahlezi ezindaweni abazipiwa yinkosi uMpande, ukuba basenzenze kuzo umsebenzi weNkosi. Kepake, ngiyesaba ukuti abanye bayesaba ukuba sikwele ngabo. Izwe liyasipelela. Bekuyaba kuhle abafundisi babuyisele isenzo sawobaba ngokufuna isu lokuba sitenge amapulazi ngabo noma ngamacadana abo. Kutiwa: "Imikombe iyenanana." Maningi amakolwa okungabe azihlalele kahle okudala, uma kwakukona abashisekela ukulungisela inhlalo yomuntu, njengoba belungisela inhlalo yetu yapezulu! Kasibasoli kakulu abafundisi, ngoba umsebenzi abawenzayo mkulu, futi uyancomeka. Siyabona ukuti umoya wokushonisa abantu ebugqili ugunyile kubelungu. Kepa sebeshaye pansi ngoba abafundisi sebahlwanyela imbeu engenakupela yenkolو, nemfundo, okuyikona kwenza ukuba sibone ngamehlo akanyayo; nangengqondo ebanzi zonke lezizinto ezhiloswe ukuba zipendule abantu iziqqli, nomcebo wabelungu! Sinetemba lokuti: abafundisi bayavumelana nati kulelizwi lokuti "Ukuzaka kwabantu" ngoba kauko umoya wokulwa, nokutiyana nabo. Ongasicabangela ukuti sinalowo moya, ku-

muntu ohlose ukuba isizwe esimnyama sibe sisulu sabanye! Kanti loko singekuvume nangayipi indhlela.

AMAPULAZI

Kuyesabeka ukukuluma ngamapulazi, ngoba ukupatwa kwabantu, kwamanye, kukombisa ngempela umoya oqonde ukugeina wenze abantu iziqqli. Kwamanye amapulazi bayaxoshwa abantu abanezimpahla eziningi. Kwamanye, banqunyelwa imiteto yokuti kabafuye izinkomo ezingaka, nezimu ezingaka. Besekuti uma umuntu eqisa kuloko, axoshwe! Futi, kwamanye amapulazi abantu bapatwa ngendhlela yokungatoliswa natuba lokukonza uNkulunkulu, noma bengamakolwa! Kwamanye, bapatwa ngendhlela ebonakalisa ukuti: umpefumulo womuntu, uyize kunemfuyo yomlungu njengaloku abanye bazebeafele izixhabu! Kuyamangalisa uma umuntu ehamba pakati kwezwe. Ubona imizi yabantu ikandene kabi; futi izinkomo zingase namadhlelo, sezizula pakati kwemizi, lapo sekwaqwateka nya, utshani! Kanti umlungu unqwahe nomhlaba wonke yedwa nje! Ukuba loku kwensiwa ngabantu, ngabe kutiwa isono sabo sinzima ngokupindwe kashumi njengoba basho kuShaka noDingana, kanti bona babengamazi uNkulunkulu, babengalazi iBaibele, eliyindinganiso yokulunga!

IZINKOMPONI NEZIMOBA

Bakiti, kanginamahloni ukuba lezizindawo ngizibize ngokuti: "Izihogo," lapo kuzakupelela kona abantu! Lezizindawo ngizesaba kunazo zonke izindawo engizesabayo. Uma esegula umuntu okade esezenza enkomponi yamalahle, noma emgodini wemali, kabesagulela ukusinda. Kusimeze kuvuke ubofu Iwamalahle eselwabolisa isifuba! Umfumane umuntu eseloku ebhiqisa izikwehlela ezinobovu. Futi imvama yabantu basezinkomponi, bagula bengasenalo negazi. Abanye ungabafumana bota ingomane yomlilo ngisholite saka ehlobo! Ngoba igazi kade lakocolozwa umgadagada wamalahle, noma wokumba emgodini! Kunjalo futi kubantu abasebenza emobeni, nabamba imigwaqq, nomgubane. Kuvama ukuti uma umuntu egula, kuqume igazi elimnyama elibangwa ukudubuzeka kwemijaho yemisebenzi yezimoba, nezinkokoko zemigwaqqo ezepula iqolo, nemigubane ebanga izibhobo ezhinlangotini! Pela, kuqala kade abantu besasebenza babuye babuye, ngoba nezimbandezeko ezibaxosha emakaya kade zingakandi kangaka. Manje kakuseko makaya. Izwe kalisenankomo, nakudhla, nankululeko ngenxa yamapulazi ancipisa yonke inkululeko nenhlalakahle yabantu. Ukuncishiswa kwezindawo zabantu, ngamapulazi, nangamanye amasu okukandanisela abantu ndawonye, yikona okuqondwe ngako ukuba umuntu omnyama ahlale eyisisulu somlungu. Uku-

pelelwa zindawo zokwaka, nezimpahla, kuyiko okuzakuhlala kumkapa umuntu kumlungu, nasmisebenzini enzima, nasebugqilini. Kuyadabukisa uma umuntu eya ezinkomponi. Kugcwele izingane nje. Ezinye zigingqika ezbihedhlela ngenxa yezifo zesifuba ezi-bangwa amalahle.

IZINKWENTELEKA

Sivama ukutshelwa amazwi okuti: Isizwe samaNgisi, sibusu ngenkululeko nangokulunga — Freedom and Justice — ukuba zonke izizwe ezipansi kwaso zivikelwe kuko konke okungalungile. Kodwa uma umuntu ezakusho izinto eziliqiniso, angakupika loko. Tina bantu balapa eAfrika — South Africa — sipansi kwavo umbuso wamaNgisi. Kepa kasiwuboni neze umteto: omiswe ukuba uvikele abantu, namalungelo abo yonk'indawo: emapulazini, nasemadolobheni, nasezifundi, nasezikoleni, nasezinkomponi, nasezimobeni, napi napi. Umuntu omnyama ubekwe obala kumlungu yonk'indawo. Loko kusikombisa ukuti sipetwe ngokunganakekelwa, ukuze abelungu bemisebenzi batole isisulu kiti. Nempela-ke kunjalo-ke. Abelungu bezinkwenteleka, bacapuna izishimanqa zabantu yonk'indawo! Sibona becapuna nezingane nje, bezifaka emisebenzini ezakuzibulala zingakabipi, ngoba imisebenzi enjengamalahle ingena kakulu esifubeni. Futi siyamangala ukuti, kawushaywa ngani umteto, wokufundisa bonke abantu njengabelungu. AmaBhunu kade ezi-zulela'njengabantu. Banele ukusonga ifindo linye leNyonyana — Union Government, — May 31st, 1902, zabutwa zonke izingane zawo ukuba zifundiswe njengamaNgisi qo! Loku, kwenza ukuba sibone kahle ukuti kuketwa isikumba esimhlope.

ISAHLUKO 32

IZIKATI EZINE

Ukugeina kwami lencwajana, ngitanda ukupinda kancane loko esengikukombe. Uma ngiti: "izikati ezine," ngiqonde ukuti: *Isikati sokugala* yilesa ekade tina Bantu baseAfrika, sizihlalele ngaso sodwa, bengeko abelungu, sibuswa ngamakosi akiti, ngemitetu aymukela kumvelinqangi ekudabukeni kwezizwe ohlangeni lwazo. Lesosikati-ke sisuka ekufikeni kwaBantu lapa eAfrika, ukuze kubeyisikati sokubusa kwabelungu kulelizwe — njengaloku sengikombe. *Isikati sesibili:* Sisuka kuko ukufika kwabelungu lapa, ukuze kube manje. Lesisikati-ke, sesikombe okuningi ekubusweni kwa-Bantu ngemitetu emisha, efika nabelungu; futi sesikombe okuningi ngenhlalo yaBantu ezindaweni abadabukela kuzo; sekukanya kahle napambili ukuti umuntu wokudabuka kulelizwe uzakuba-

njani. *Isikati sesitatu:* Sisuka manje, kuze kube yilesosikati esiqondwe ngabelungu ukuba iAfrika, ligcini kube ngabelungu, nezizukulwane zabo, sebesuse konke loku abati: "Isitiyo Esimnyama" — Colour Menace; sebemise umbuso wabamhlope: "White Africa," neAfrika sebelene izwe lemisenbeni yabo — bheka lapo kutiwa: "IAfrika nomnoto walo." Kulesisikati, kusweleka ukuba aBantu bame ngamazwayiba. Ngoba uma bengakwenzi loko, kakuqlwa ukuti bazakugwinywa yizo zonke izizwe; besebehambé bebonwabonwa: emapulazini, nasezinkomponi, nasezimobeni, nasemakwishi, nakuyo yonke imisebenzi yobugqili, esetshenziswa izizwe ezhionleyo. *Isikati sesine:* Kuyisikati esiyakubonakalisa emva kwako konke, ukudoba besizwe saBantu. Bakiti, ubudoda bomuntu, noma besizwe, bubonakala emva kwengozi. Kungeze kwashiwa, ukuti: umuntu "unesibindi," nokuti: uyiqawe; uma engazange azibonakalise engozini, noma empini etile. Inkulu, futi iyesabeka ingozi ehlalele isizwe sakiti. Nonke senibonile ukuti zonke izizwe zibheke ukuncela kulo iAfrika; futi ziqonde ukuba umuntu omnyama zimenze itunga lokusengela iAfrika. Niyazike itunga kalaneli luto kupela ukusiza lowo ozakudhla ubisi, ubusumbona yena eseziuke ewebezelwa. Kaniwaboni-ke: amadolobha, namapulazi, nokuti, nokuti. Bunjani ubucwaziewazi bezindhu zakona, nemicebo yamapulazi? Uma tina Bantu sihlakanipa kona manje nje, kakuqlwa ukuti "Isikati sesine kuyakuba ngesetu." Kukona izwi eliti: "elisina muva liyabukwa" (Fundu Izihl. 68:31, 32). Kangisho ukuti siyakuxosha abelungu ngempi, nokuti nokuti, okusuka kulabo abanamakanda ashisayo. Kupela uma sizaka. Ngakoke, masizake, sizwane, sifunde, ngamehlo nangengqondo. Kukona izinhlobo ezimbili zokufunda kuzo zonke izizwe. Kukona imfundwa ngamehlo, ezikoleni, ezinewadini. Kukona imfundwa ngamehlo lapo isizwe sibona imisebenzi etile netile, eyenziwa ngabanye zonke izindawo. Uma isizwe sizwana, lezizinhlobo zemfundu zihlangana zizwakalise ukunambiteka okumnandi njengokudhla okunosawoti (Mat. 5:13).

ISAHLUKO 33

UKUPELA KWENKAMBO ENDALA

Kuliqiniso elingepikwe muntu ukuti: inkambo yakiti iyakugeina ipele nya — njengaloku sekwapela ukupeka ngezimbiza zebumba, nokwembata izipuku, nokupehla uzwati, nokubhinea ubendhle, nokugeza izinwele ngovemvane, nokuye Izinto ezinjalo ziyenzeka kuzo zonke izizwe. Ngisho lezizizwe esizibonayo, sezapelelwa yizinto ezitile zendabuko. Kasipiki uma abelungu beti lelizwe liyakuba "A European Civilisation" ngoba lelozwi, uma silicaza,

silicuShe ngemfule yalo, liti: inkambo entsha yabelungu — ngoba nabo babenenkambo endala. Kasisho-ke ukuti lelizwi lokuti: "A European Civilisation," singati liyingozi, njengamany esibona ukuti aqutshwa ukuzonda umuntu omnyama ne Afrika. Lelizwi liqonda ukuti nje: iAfrika lizakupunywa yinkambo yabomdabuko walo, kungene inkambo efika nabelungu. Loko-ke, akunangozi ngisho nakubantu, nakulelizwe — njengaloku ukupeka ngamabhodwe, nokudhlela ezitsheni zabelungu kakusilimazi, futi kakulimazi ne Afrika. Kuningi okunjalo esesangena kuko, okungasoze kwasilimaza, futi okungasoze kwalimaza ne Afrika, noma kufike nabelungu.

Okuzakusilimaza kanye ne Afrika kutatu. Kuqala: Sizakulinyazwa umkuba wokupila ngokubazisebenzi zezinye izizwe njalo. Okwesibili: Sizakulinyazwa umkuba wokuhlala singabatenga kwezinye izizwe njalo. Okwesitat: Sizakulinyazwa umkuba wokuhlala ngokuqasha njalo. Konke loku kakubuyiseli luto kubantu, nakulo iAfrika. Lemiteto yokuzaka ingamasu, okuyiwo impela, angasiza abantu bagcine ngokusebenzelana, nokutengelana, nokuba balondo-lozeke, futi bakwazi ukubuya nejupana le Afrika. Izwe elisahlalele abantu yizo izifunda zabanumzana. Uma abantu bebenengqondo ngabezama ngawo onke amandha ukuzibamba. Zizakupuma ngayo leyondhlela ekonjwa lapo kutiwa "Izindawo zabanumzana — oNokesheni." Uma konke kuyakwensiwa ngemali yabelungu, pinde libe kona ilungelo labantu kuzo. Kuyakuba yigama nje. Ukuti zindawo zabantu, njengoba kunjalo kuwo amaLokishi asemadolobheni. Bangazisebenzelani abantu ngezimali zokuqasha, nokulala kona? Fundani hansi ke imiteto yeNhlangano yokuzaka kwaBantu, ukuze nizake nibe yisizwe esiyakuma njalo, noma inkambo yokwaka, nokuhlala kwenu isiguquka. Lezizizwe ezikona namhlanje, zisimeme ngayo indhlea yokuzaka; ngabe kade zashabalala, njengalezo ezibalwa kulencwadi etiwa "Ukuzaka kwabantu." Kuqondwe ukuba kuti, uma sekupele inkambo, nenhlalo endala, isizwe sabantu sime ngendhlela yokuzisiza, nokuzimela ngengqondo yemisebenzi, nenhlalo njengaloku sibona abelungu namaKula nezizwe zonke ezi-hlakanipileyo Emadolobheni kakulinywa; kodwa abahlakanipileyo bahlezi kahle sengati kuyalinywa, sengati kufuywe nezinkomo. Kuyakuba njalo nakubantu pambili, lapo sekupele lenkambo, uma beqala ukuzaka kona manje. Konke, baki, kuqalelwu pambili. Qalanike namhla ukulugisela inkambo entsha. Abantu bojwayela umkuba wokuti bokukwenza konke ngokucindezelwa. Kanti njalo futi, bayabona ukuti, kabasayikuba nalungelo lokuzenzela okungasiza bona nezingane zabo. Niyabona nasemalokishini, emadolobheni. Noma sisizakala ngokulala, nokunye, kasinalungelo lokuzisiza kwezinye izinhlupeko, ngemali esiyingenisa kona ngokulala kona.

UKUZAKA KWABANTU

Imiteto okuyona iyisisekelo, nesibopo seNhlangano etiwa: UKUZAKA KWABANTU. Lemiteto, ivunywa zifunda zonke zamakosi nezamakolwa — ezabelweni nakoLizevu, nasemaPulazini nasemadolobheni, nabo bonke abantu bezindawo ezitile, esihlangana nabo ukutekeleza lelifindo, elitiwa: UKUZAKA KWABANTU. Ngako-ke, lemiteto kayinakusonjululwa, kayinakwapulwa, kayinakucitwa muntu ngokutanda nentando yake, ngapandhle kokuvumelana kwamadoda atile, aketiwe kulezondawo ukuba abengabaholi babantu bakona.

1. UKUZAKA KWABANTU: Kuligama lenhlangano engaqala ukuyimisa, ngosuku lokuqala lwenyanga etiwa January — uMasingana ngo 1920 (January 1st, 1920). Okwati emva komnyaka owodwa, ngaye uMasingana futi, ngaloba incwajana engayiqamba ngalo igama lokuti: "UKUZAKA KWABANTU." Lencwajana ikomba iqiniso elingenakupikiswa, lokuti: uma tina Bantu, singahlanipipi, sizwane, sizake, sizakugcina sipele nya kulelizwe, njengalezo zizwe ezikonjwa kuyo lencwajana, esezapela nya, emazweni awokoko bazo.

2. Okuqondwe yiNhlangano yokuzaka kwabantu yiloku: Inhlangano yokuzaka kwabantu, iqonde izinto ezintatu. Nazi: (1) Ukwaka ukuzwana kuBantu bonke; (2) Ukwaka ukusizana kuBantu bonke; (3) Ukwaka ingqondo yobudoda impela kuBantu bonke.

3. Igama leNhlangano: LeNhlangano mayiqondwe kahle, ibizwe ngalo igama lokuti: "Ukuzaka kwabantu" kukho ngokuti: "Inhlangano yokuzaka kwabantu."

4. Umgomo weNhlangano: INhlangano yokuzaka kwabantu, iqonde ukwaka amasu okusiza abantu bakiti, ezinhlupekweni ezibacindezele namhla, nezizakubacindezelwa ezikatini ezizayo: ezabelweni, nakoLizevu nasemaPulazini, nasemadolobheni, napi napi njengoba naku umhlaba uyapela; futi nezindawo zamakosi zizakugewala, kusweleke amadhlelo, namanxiwa, nezindawo zokulima.

5. Kuqondwe izinto ezimbili: INhlangano yokuzaka kwabantu, iqonde amasu okuqedu indhlala, esikataze abantu yonke iminyaka ezifundeni zamakosi, nakwezinye izindawo. Futi iqonde ukwaka amasu okusiza abantu, lapo izindawo zamakosi zingasenamadhlalo ezimpahla, namanxiwa okwaka, namasimu okulima, ngenxa yokuminanya okubangwa abantu abacitwa ngamapulazi.

6. Isu elikulu eliqondiweyo: Makwakiwe "ISIKWAMA" kuzo zonke izifunda zamakosi, nakoLizevu, nasemapulazini, nasemadolobheni; napi napi lapo abantu bangavumelana ukuhamba ngalelisu leNhlangano yokuzaka kwabantu. Lesisikwama sipatwe kona

kulezozindawo, ngamadoda aketwe kona, futi sisetshenziswe kona ukusiza abantu ezinhlupekweni eziqondene nabo kona kulezondawo.

7. **Umsebenzi ongenziwa ngaso ISIKWAMA:** Kungatengwa umbila lapo kusavunwa abantu besatengisa ngawo, kuse 2/- noma 3/- ngegogogo, noma kuse 8/- noma 10/- noma 12/- ngesaka. Umbhila ufakwe ematangweni, uze utengiswe uma sekuyindlala. Kungatengwa umbhila omningi, ongatengisa kuze kufike ukwindhla. Uma ungemningi otolakala kubantu baleso sifunda, kungatengwa kuHulumeni, noma kubalimi bamapulazi usashibile, kusand'ukuvunwa, isaka lisatengwa kalula ngo 7/- noma 9/- noma 10/- Kalivami ukubiza ngapezulu kwaloko. Futi uma kutengwa amasaka amaniningi, kuyehliswa ukubiza kwesaka. Nokutwala ngesitimela kubiza kalula uma kuyifulaha. Ngendhlela kungatengiswa kalula ngalowombhila — kulesosifunda kupela, noma kwesinye esihlangene naso ngalendhlela yokuzaka. Uma isaka latengwa ngo 10/- bese litengisa-ke kubantu ngendhlela ngo 15/- kupela, ukuze abantu basizakale, noma benemali encane, noma futi benemizi emikulu. Futike nesikwama saleso sifunda sikule, imali yabo isebeenze ngoku zungeza — njengoba kunjalo kubelungu namaKula; okuyikona kuveza umnoto, nokulondolozeka kwesizwe.

8. **Okunye okungenziwa ngeSIKWAMA.** Uma abantu abahlezi endaweni etile behlakanipile, bangalima konke okungaswelwa abantu ngendhlala, noma ngasipi isikati. Kungalinywa: ubhatata, nobhontshisi, nezindhlu, namabele, namazambane, nani, nani. Konke loku kuyasweleka impela. Kangikulumi kona emakolweni! Futi konke loko, kungatengwa kwezinye izindawo, kusabiza kancane, — uma ingeko indawo yokukulima lapo ezifundeni ezesikwama. Kunjalo lapa emadolobheni. Kudhliwa zonke izinhlobo ezilinywa kipi napi — zitolakala ngawo amasu okuhlakanipa nge SIKWAMA; futi kutengwa konke kalula kakulu.

9. **Ukutenga amapulazi ngeSIKWAMA.** Kayiko into enkul eyedhlula ukutenga amapulazi. Isifunda esihlakanipileyo, masi qongelele masinyane, sitenge amapulazi noma abematatu. Umhlabauzakupela konamanje. Baudilikele kabi abelungu namaKula, ngoba bayazi okuzakwenzeka. Ukutenga ipulazi kuse manje kufana nokuba umuntu umbele pansi ISIKWAMA SAKE ESIGCWELE IMALI EBOMVU NEMHLOPE. Kufana nokuba futi: umuntu uzakele isibayakazi lapo ezakungenisa izinkomo, namahashi, nezihxabhu, nani nani, okuyakuti ngomuso ekukipa bamangale, njengomuntu emi kude, ebona kupuma imfuyo yomuzi otile ofuye konke! Kufana nokuba umuntu uzakele indhlu yokubutela wonke umnoto wake, lapo izingane zake zipuma zjabule zimamateka onke amalanga! Kanibaboni yini abelungu belihwiliza ngamatshwala, nojinjibhiya, nokunye okusemavinkilini, nasemadolobheni, nokunye

okukanga inhliziyio namehlo — kanti liyamuka ngapa, izwe lawokoko. Izizwe lezi zipuma emazweni asapela nya, lapo sekwahlanganisa amapulazi, namadolobha, nezinkomponi, nezimoba, nani nani! Kulezondawo owayetenge ipulazi usenjengenkos i kuko konke. Kodwa owayengahlakanipelanga loko, usehamba edhla utuli!

10. **Ukusiza kwamapulazi atengwa zifunda.** Sengikombole ukuti: ukwaka kwabantu ezifundeni, kuzakuguquka uma abantu sebegcwele. Izindhlu zabantu zakiwe ngokwamadolobha, nokutela cube kuqasha njengasemadolobheni, namanzi atelelw, kudhliwe ukudhla okutengwa ezitolo, nenyama yamasilaha; konke cube njengasemadolobheni. Uma konke loko kuyakwenziwa ngesikwama sabelungu, koba selipume lonke ilungelo lomuntu kulezondawo; nesitunzi sabanumzane siyakupela. Bekufanele abantu balale ngenkomo ukuba bahlanganise ISIKWAMA ESIQATA, esiyakuba namandhla ngalesosikati ukuvikela ilungelo labantu; ukuze kuti noma imiteto kaHulumeni imisa ngendhlela enjalo, konke kwenziwe ngesikwama sabantu ukuze ilungelo labantu lime njalo. Kaniziboni lezi izindawo ezenzelwe abantu emadolobheni, lipi ilungelo labantu? Impato yakona iyakombisa ukuti izindawo zabelungu nje. Konke okuvele kona, kukulunyuwa ngabelungu kupela. Abanye bakala nangokupateka kabi emisebenzini yabo abayenza kona.

11. **Ukusizana kwezfunda zeNhlangano yokuzaka:** Enye into enhle kakulu, futi nelula kakulu, kungukutenga amapulazi ngokuwahlanganyela. Sibona amanye amapulazi etengisa neziqikili zempahla: izinkomo, namahashi, nezimbongolo, neziklabhu, nezipani zezinckabi, namageja, nako konke okunye esekade kwalunga njengenzindhl, nezingingo, nezingadi lapo kugewe kona amawolintshi nani nani. Uma sihlangene kulenhlangano, singenza umnikelo wo 1/-, 2/-, 2/6 &c kubantu bonke litengwe ngokushesha noma kulipulazi elikulu kangakanani. Lisetshenzisew ukuba konke okulinwa kulo, nokufuywa kulo; kutengise nakusipi isifunda senhlangano esanikelela lelo pulazi. Futi kutengise kalula kakulu ngoba sekusetshenzwa yinhangano.

12. **Ukusizana kwezfunda zenhlangano kwezinye izinhlupeko.** Kungakuhle zonke izifunda zenze umnikelo, zisisize esinye isifunda uma sipetwe kabi ngendaba etile, engesiyo eyenziwa ngabomu (njengokulwa emisindweni). Ezinye izifunda zivama ukucitwa ngezizatu ezingakanyi kahle. Futi icala lingabelisaqtshwa ngabameli liye kwabanamandhla, ngenxa yokuba kakuko ukuzwana kubantu!

13. **Ukuqoqwa kwesikwama** — ezifundeni zabanumzane, nase makolweni koLizevu. Kuhle cube yilesi sifunda somnumzane, noma samakolwa, siziketele enye yalezizindhlela yokuqoqa imali. Sikomba lezizindhlela: (1) Kunganquya ukuba yilowo muzi ukipe umpondo ngezinyanga ezisitupa; (2) Kunganqunywa ukuba yilowo muzi ukipe imali njengokutela kuHulumeni ngonyaka; (3) Kunga-

nqunywa ukuba onke amadoda nezinsizwa kube umpondo ngonyaka; (4) Kunganqunywa ukuba ilowo muzi wenze umnikelo opuma na-kwabesifazane nezingane kabili ngonyaka. Isifunda esizimisele ukukipa imali eningi, njengokutela noma ukukipa umpondo ngonyaka, kungesweleke kwensiwe iminyaka eminingi. Mhlaumbe ingenela emibili noma emitatu. Kodwa uma siqonde ukufinyelela emisebenzini emikulu, singaquba njalo, njengokuvumelana kwaso. Kepa indhlela enhle ukuba emva kweminyaka etile, besekuqutshwa ngomnikelo wemizi, onikelwa yibo bonke kabili noma kanye ngonyaka.

14. **Ukupatwa kwemali:** Kuhle imali iqoqwe qede ifakwe eBhange. Imali ilondolozeka kahle kakulu kona; kakulahleki nesitebele, futi ingahlala yanda noma isifuda singakayisenzis. Nemela nje futi imali enkulu kakulu ingesetshenziswe kanyekanye. Kungasebenza imali elinganiselwe lowo msebenzi okunqunywe ukuba wenziwe kulesosifunda, ngalesosikati.

15. **Abapata Isikwama:** Izifunda zamakosi, nezamakolwa, nezamadolobha, mazikete amadoda asikombisa abe ngabaholi namehlo, nabapateli bazo kulezondawo Umsebenzi walawo madoda kuge ngukubiza imihlangano, nokukuluma izindaba, nokwemukela imali kubantu, nokucabanga amasu okuhlakanipisa bonke abantu baleyondawo — kakulu abantu abasha okuzakufela pezu kwabo sonke isizwe. Kubuziswe kubantu abapuma ezindaweni ezitile zemisebenzi ukuti, kwensiwan kona.

16. **Ukuma kwabaholi:** Amadoda asikombisa, angabaholi, ami kanje: (1) *UMongameli*, kanye namadoda amabili amsizayo — ikolwa nongakoliwe — uma kusezfundeni zamakosi; futi *uMongameli* kuge yiyo inkosi; (2) besekuba *nguMpatisikwama*, nabasizi bake — indoda engakoliwe nekolwayo; (3) besekuba *nguMbali*, nomsizi wake — indoda eyikolwa efundileyo nendoda engakoliwe engufakazi nje; (4) besekuba yindoda eseceleni nje, efundile, engasiza uma *uMbali* engeko.

17 **Isikwama:** Igama lokuti "isikwama" liqonda yonke imali ebekelwelwa ngabantu ndawonye: ezifundeni zamakosi, nakwezamakolwa, nasemadolobheni, nasemapulazini, napi napi, lapo abantu bevuma ukuhlangana ngokuzaka. Kuqondwe ngalemali ukusiza bonke abantu kulezondawo abakuso njengaloku sekucaziwe. Imali efakwa kulesisikwama injengemali efakwa kuHulumeni. Kuqondwe ukuba idhliwe ngabantu bonke ngamasu okwenza izinto zibentengoncane, nokulungisela abantu inhlalo engcono. Kako umuntu oyakuvunyelwa ayitate ngokuhlupeka kwake yedwa — njengokuganwa, namacala atile. Noma esuka ehamba eyakwaka kwenye; indawo kanakuyibiza.

18. **Igama elifaneleyo lesikwama.** Lesisikwama masibizwe ngokuti: "ISIKWAMA SOKUZISIZA KWABANTU" — The

Bantu Self-Help Fund. Kodwa imali yesifunda esitile mayibizwe ibhangqwe negama laso, ngoba iningi imili ezakungena eBhange ngegama lokuti: "Isikwama sokuzisiza kwabantu"—The Bantu Self-Help Fund. Uma isifunda esitile — njengesika Chief Mshinane Kanyile — sibeka *Isikwama* saso eBhange, kungafakwa eBhukwini laseBhange ukuti: Isikwama sokuzisiza kwabantu besifunda sika-Chief Mshinane, abatela eNkandha. The Bantu Self-Help Fund, for Chief Mshinane's Tribe, Nkandha.

19. **Inhlango yokuzaka emadolobheni:** Siqonde kona loko okutiwa: "UKUZAKA KWABANTU," yonk'indawo. Siqonde ukuzwana, nokusizana kubo bonke abantu. Kayiko impumelelo nakuyipi indawo kubantu, ngapandhle kokuba bazake, bezwane, basizane. Emadolobheni siqonde ukuba sibe namagatsha ana-mandhla, anesikwama esiqata impela: ukutenga iziza zokwaka izindhu zemisebenzi etile netile, lapo kungacindezelwa nezincwadi, kwensiwe nemidhlalo, kutengiswe izimpahla, nokuti nokuti.

20. **Ukusizana kwenhlangano yasemadolobheni nenhlangano yezifunda.** Sekukonjiwe ukuba izifunda zamakosi, nezamakolwa pakati kwezwe zingasizana ngokutenga amapulazi, okungasizakalwa ngawo ngokudhla, nangezimpahla, nangokwaka, namhla noma ezi-katini ezipato, lapo lezizindawo okwakiwe kuzo namhlanje se-zigewe njengoba naku kututelekela kuzo abacitwa emapulazini. Ngakoke, sifuna kuge kona ukusizana kwabasemadolobheni, napa-pakati kwezwe, kusetshenzwe ngokupaselana, njengaloku kunjalo kubelungu. Zonke izinhlupeko kubantu zibangwa yiko ukungezwani kwezifunda zabannuzane nezamakolwa pakati kwezwe, kanye nalabo abaqonde ukuquba imisebenzi etile emadolobheni.

21. **Ukusizana okutatu:** Kufuneka ukusizana okutatu: (1) Ukusizana kwabantu bonke abakileyo pakati kwezwe — amakolwa nabangakoliwe; (2) Ukusizana kwabantu bonke abasemadolobheni amakolwa nabangakoliwe; (3) Ukusizana kwabantu bonke, ngokutengelana ngezimpahla ezipakati kwezwe nezisemadolobheni, njengaloku kwenza abelungu, namaKula, namaSulumane, nama-Juda: ngezinkomo, namahashi, nezihxabhu, nezinkuku, nombila, namawolintshi nako konke okunye okufuywayo, nokulinywayo, nokumbiwayo njengamalahle nezinsimbi, nokubazwayo, nokutungwayo pakati kwezwe. Besekuti nabasemadolobheni batengise kwabasezweni ngezinto ezikona ezipuma kwamanye amazwe njengezin-gubo namabhodwe, namageja, notayela nani nani okuswelwe yilabo abapakati kwezwe. Ukuwana, nokusizana okunjalo, kuveza omkulu umnoto, nenhla enhle pakati kjesizwe sonke. Kulondoloza ne-sizwe ukuba singahambi sinxiba, sidinga nemisebenzi, besesiba zigqili zokusebenzela ize kwabanye!

22. **Isikwama sabasemadolobheni:** Kusweleka ukuba tina bantu sihlakanipe zonke izindawo, njengezizwe zonke. Umhlaba,

nezindawo zokwenza umsebenzi ziyanaleka emadolobheni napakati kwezwe. Makube kona abezwanayo impela nasemadolobheni: bahlangane sake ISIKWAMA impela okungamiswa ngaso imisebenzi eqamileyo impela. Kutengwe neziza kulezizindawo ezbekelene namadolobha. Kayiko impumelelo uma sizakupila ngokutenga kabantanye, imali yetu ihambe okwempela! Yiko loku okuzulisa abantu namhla, bentula nemisebenzi nje!

12. UJona Mtembu, esifundeni sake kukona imizi e 313, nezindhlus ezi 364.
13. URoma, esifundeni sake kukona imizi e 681, nezindhlus ezi 1,471.
14. UPaul, esifundeni sake kukona imizi e 156, nezindhlus ezi 167.
15. USidiya, esifundeni sake kukona imizi e 449, nezindhlus ezi 1,121.

KWELASE PORT SHEPSTONE

KWELASE PORT SHEPSTONE (Esayidi-Emzimkulu), KUTELA LAMAKOSI:

1. USibewu, esifundeni sake kukona imizi e 267, nezindhlus ezi 767.
2. UKulu, esifundeni sake kukona imizi e 14, nezindhlus ezi 51.
3. UGcinangempi, esifundeni sake kukona imizi e 49, nezindhlus ezi 141.
4. UMGamule, esifundeni sake kukona imizi e 522, nezindhlus ezi 1,639.
5. UGadupi, esifundeni sake kukona imizi e 15, nezindhlus ezi 37.
6. UDikwayo, esifundeni sake kukona imizi e 197, nezindhlus ezi 491.
7. UMATomela, esifundeni sake kukona imizi e , nezindhlus ezi .
8. UMsebenzi, esifundeni sake kukona imizi e 357, nezindhlus ezi 910.
9. UWilliam, esifundeni sake kukona imizi e 511, nezindhlus ezi 1,167.
10. UBiza, esifundeni sake kukona imizi e 21, nezindhlus ezi 40.
11. UNCitiwana, esifundeni sake kukona imizi e , nezindhlus ezi .
12. UJemusi, esifundeni sake kukona imizi e 150, nezindhlus ezi 343.
13. USidiya, esifundeni sake kukona imizi e 32, nezindhlus ezi 104.
14. UMLomo, esifundeni sake kukona imizi e 1,104, nezindhlus ezi 3,127.

KWELASE RICHMOND (Endalen)

KWELASE RICHMOND, KUTELA LAMAKOSI:

1. UMapu, esifundeni sake kukona imizi e 45, nezindhlus ezi 120.
2. UMAfolha, esifundeni sake kukona imizi e 260, nezindhlus ezi 581.
3. UZidunge, esifundeni sake kukona imizi e 198, nezindhlus ezi 419.
4. ULazarus, esifundeni sake kukona imizi e 267, nezindhlus ezi 375.
5. UMSigilande, esifundeni sake kukona imizi e 381, nezindhlus ezi 826.
6. ULangalake, esifundeni sake kukona imizi e 282, nezindhlus ezi 758.
7. UBubula, esifundeni sake kukona imizi e 447, nezindhlus ezi 1,224.
8. UMGuquka, esifundeni sake kukona imizi e 65, nezindhlus ezi 99.
9. UMziyonke, esifundeni sake kukona imizi e 521, nezindhlus ezi 1,488.
10. UMasheza, esifundeni sake kukona imizi e 63, nezindhlus ezi 156.

KWELASE STANGER (KwaDukuza)

KWELAKWA DUKUZA, KUTELA LAMAKOSI:

1. UDIkiza, esifundeni sake kukona imizi e 283, nezindhlus ezi 605.
2. UGundane, esifundeni sake kukona imizi e 303, nezindhlus ezi 545.
3. UJosiah, esifundeni sake kukona imizi e 443, nezindhlus ezi 665.
4. UMAzinyane, esifundeni sake kukona imizi e 326, nezindhlus ezi 611.
5. UMAdeboko, esifundeni sake kukona imizi e 347, nezindhlus ezi 688.
6. UNdhlovu, esifundeni sake kukona imizi e 299, nezindhlus ezi 526.
7. UMambuka, esifundeni sake kukona imizi e 99, nezindhlus ezi 179.
8. UNYakanwa, esifundeni sake kukona imizi e 428, nezindhlus ezi 849.
9. USiZiba, esifundeni sake kukona imizi e 803, nezindhlus ezi 1,533.
10. UFunwayo, esifundeni sake kukona imizi e 213, nezindhlus ezi 384.
11. UMBango, esifundeni sake kukona imizi e 496, nezindhlus ezi 845.

KWELASE MZINTO

KWELASE MZINTO, KUTELA LAMAKOSI:

1. URobert Joyce, esifundeni sake kukona imizi e 58, nezindhlus ezi 127.
2. UMDingi Mbhele, esifundeni sake kukona imizi e 42, nezindhlus ezi 113.
3. USibewu, esifundeni sake kukona imizi e 97, nezindhlus ezi 219.
4. UShukumisa, esifundeni sake kukona imizi e 128, nezindhlus ezi 412.
5. UKulu, esifundeni sake kukona imizi e 148, nezindhlus ezi 317.
6. UShonkweni, esifundeni sake kukona imizi e 482, nezindhlus ezi 1,370.
7. UJack Dumisa, esifundeni sake kukona imizi e 394, nezindhlus ezi 984.
8. UNjeza, esifundeni sake kukona imizi e 760, nezindhlus ezi 1,777.
9. UMBukwa, esifundeni sake kukona imizi e 53, nezindhlus ezi 177.
10. UTshesi, esifundeni sake kukona imizi e 250, nezindhlus ezi 557.
11. UThomas, esifundeni sake kukona imizi e 78, nezindhlus ezi 278.
12. UJemusi, esifundeni sake kukona imizi e 102, nezindhlus ezi 115.
13. UNGotshana, esifundeni sake kukona imizi e 43, nezindhlus ezi 53.
14. UIsaac, esifundeni sake kukona imizi e 158, nezindhlus ezi 188.
15. UGazi, esifundeni sake kukona imizi e 63, nezindhlus ezi 100.
16. UNEishuyise, esifundeni sake kukona imizi e 175, nezindhlus ezi 428.
17. UBangizwe, esifundeni sake kukona imizi e 72, nezindhlus ezi 156.
18. UMziyonke, esifundeni sake kukona imizi e 58, nezindhlus ezi 190.
19. UMSutu, esifundeni sake kukona imizi e 40, nezindhlus ezi 107.
20. USicaba, esifundeni sake kukona imizi e 615, nezindhlus ezi 914.
21. UColin, esifundeni sake kukona imizi e 745, nezindhlus ezi 2,071.
22. UMDibaniiso, esifundeni sake kukona imizi e 28, nezindhlus ezi 85.
23. UMzwili, esifundeni sake kukona imizi e 153, nezindhlus ezi 302.
24. ULahle, esifundeni sake kukona imizi e 96, nezindhlus ezi 249.
25. UNdunge, esifundeni sake kukona imizi e 141, nezindhlus ezi 353.
26. UKopolo, esifundeni sake kukona imizi e 102, nezindhlus ezi 297.
27. UMPofu, esifundeni sake kukona imizi e 681, nezindhlus ezi 1,655.

KWELASE UTRECHT

KWELASE UTRECHT (Elombango), KUTELA LAMAKOSI:

1. ULupondo, esifundeni sake kukona imizi e 51, nezindhlus ezi 117.
2. UQomintaba, esifundeni sake kukona imizi e 918, nezindhlus ezi 2,054.
3. USamu, esifundeni sake kukona imizi e 138, nezindhlus ezi 354.
4. UGogo, esifundeni sake kukona imizi e 1,095, nezindhlus ezi 2,910.
5. UMKuhlane, esifundeni sake kukona imizi e 154, nezindhlus ezi 360.
6. UTEkwane, esifundeni sake kukona imizi e 295, nezindhlus ezi 791.
7. UMShudulwana, esifundeni sake kukona imizi e 35, nezindhlus ezi 89.
8. USikukuku, esifundeni sake kukona imizi e 66, nezindhlus ezi 181.

KWELASE VERULAM

KWELASE VERULAM, KUTELA LAMAKOSI:

1. UGibizwe, esifundeni sake kukona imizi e 318, nezindhlus ezi 446.
2. UNGalonku, esifundeni sake kukona imizi e 329, nezindhlus ezi 420.
3. UManhhlakayise, esifundeni sake kukona imizi e 463, nezindhlus ezi 678.
4. ULuzulanane, esifundeni sake kukona imizi e 149, nezindhlus ezi 212.
5. UAbsalom, esifundeni sake kukona imizi e 139, nezindhlus ezi 163.

KWELASE VRYHEID

KWELASE VRYHEID (Efilidi), KUTELA LAMAKOSI:

1. UMapovela, esifundeni sake kukona imizi e 207, nezindhlus ezi 456.
2. UNGambo, esifundeni sake kukona imizi e 449, nezindhlus ezi 1,210.
3. UBikelabani, esifundeni sake kukona imizi e 471, nezindhlus ezi 1,182.
4. UHali, esifundeni sake kukona imizi e 1,380, nezindhlus ezi 2,533.
5. UMNyayiza, esifundeni sake kukona imizi e 709, nezindhlus ezi 1,618.
6. UMSenteli, esifundeni sake kukona imizi e 204, nezindhlus ezi 522.
7. ULElengopondo, esifundeni sake kukona imizi e 154, nezindhlus ezi 509.
8. UKambi, esifundeni sake kukona imizi e 216, nezindhlus ezi 424.
9. UZombode, esifundeni sake kukona imizi e 387, nezindhlus ezi 885.

KWELASE WEENEN

KWELASE WEENEN (lapo sebeti: "Kwanobamba"), KUTELA LAMAKOSI:

1. UMalonjeni, esifundeni sake kukona imizi e 408, nezindhlus ezi 958.
2. UMZocitwayo, esifundeni sake kukona imizi e 761, nezindhlus ezi 2,385.
3. UMGodini, esifundeni sake kukona imizi e 29, nezindhlus ezi 81.
4. UPeni, esifundeni sake kukona imizi e 105, nezindhlus ezi 205.

ZULULAND

KWELASE EMPANGENI

KWELASE EMPANGENI, KUTELA LAMAKOSI:

1. UMKombisi, esifundeni sake kukona imizi e 36, nezindhlus ezi 79.
2. UMncinzeni, esifundeni sake kukona imizi e 92, nezindhlus ezi 237.
3. USinayi, esifundeni sake kukona imizi e 99, nezindhlus ezi 240.
4. UMqedzi, esifundeni sake kukona imizi e 56, nezindhlus ezi 146.
5. UManqamu, esifundeni sake kukona imizi e 217, nezindhlus ezi 507.
6. UMHlana, esifundeni sake kukona imizi e 663, nezindhlus ezi 1,825.
7. UMHawu, esifundeni sake kukona imizi e 128, nezindhlus ezi 374.
8. UMsinyana, esifundeni sake kukona imizi e 83, nezindhlus ezi 241.
9. UZanya, esifundeni sake kukona imizi e 248, nezindhlus ezi 665.

KWELAS'ESHOWE

KWELAS'ESHOWE, KUTELA LAMAKOSI:

1. UFinioye, esifundeni sake kukona imizi e 57, nezindhlus ezi 190.
2. UHashi, esifundeni sake kukona imizi e 326, nezindhlus ezi 1,078.
3. UMHlakaza, esifundeni sake kukona imizi e 246, nezindhlus ezi 738.
4. UMKombisi, esifundeni sake kukona imizi e 8, nezindhlus ezi 18.
5. UAntoni, esifundeni sake kukona imizi e 91, nezindhlus ezi 150.
6. UNaftali, esifundeni sake kukona imizi e 144, nezindhlus ezi 360.
7. UMEhlwana, esifundeni sake kukona imizi e 458, nezindhlus ezi 1,074.
8. UMTengeni, esifundeni sake kukona imizi e 610, nezindhlus ezi 1,696.
9. UMGandeni, esifundeni sake kukona imizi e 502, nezindhlus ezi 1,311.
10. USiposo, esifundeni sake kukona imizi e 576, nezindhlus ezi 1,372.
11. UMFungelwa, esifundeni sake kukona imizi e 873, nezindhlus ezi 1,789.
12. UMNyaminyi, esifundeni sake kukona imizi e 40, nezindhlus ezi 100.
13. UBagibile, esifundeni sake kukona imizi e 570, nezindhlus ezi 1,224.
14. UNKantini, esifundeni sake kukona imizi e 5, nezindhlus ezi 12.
15. UNonqandala, esifundeni sake kukona imizi e 854, nezindhlus ezi 1,772.
16. USilimana, esifundeni sake kukona imizi e 236, nezindhlus ezi 708.

KWELAKWA HLABISA

KWELAKWA HLABISA, KUTELA LAMAKOSI:

1. UMNyombo, esifundeni sake kukona imizi e 135, nezindhlus ezi 416.
2. UMTekelezi, esifundeni sake kukona imizi e 65, nezindhlus ezi 199.
3. UNTaminemidwa, esifundeni sake kukona imizi e 645, nezindhlus ezi 1,193.
4. UMTubatuba, esifundeni sake kukona imizi e 1,372, nezindhlus ezi 4,136.

KWELAS'ENGWAVUMA

KWELAS'ENGWAVUMA, KUTELA LAMAKOSI:

1. UMNavyaku, esifundeni sake kukona imizi e 394, nezindhlus ezi 1,050.
2. UMTshakela, esifundeni sake kukona imizi e 913, nezindhlus ezi 2,690.
3. UNGwanase, esifundeni sake kukona imizi e 1,640, nezindhlus ezi 4,256.
4. UMGanu, esifundeni sake kukona imizi e 534, nezindhlus ezi 1,436.

KWELASE MAHLABATINI

KWELASE MAHLABATINI, KUTELA LAMAKOSI:

1. UMatole, esifundeni sake kukona imizi e 849, nezindhlus ezi 2,505.
2. UNqodi, esifundeni sake kukona imizi e 385, nezindhlus ezi 1,002.
3. UShibilkika, esifundeni sake kukona imizi e 213, nezindhlus ezi 621.
4. USigungu, esifundeni sake kukona imizi e 103, nezindhlus ezi 266.
5. UMQiniseni, esifundeni sake kukona imizi e 236, nezindhlus ezi 587.

KWELASE MELMOTH

KWELASE MELMOTH (Emtonjaneni), KUTELA LAMAKOSI:

1. UMKombisi, esifundeni sake kukona imizi e 680, nezindhlus ezi 1,779.
2. UNGangezwe, esifundeni sake kukona imizi e 125, nezindhlus ezi 326.

3. UMKulumeleni, esifundeni sake kukona imizi e 72, nezindhlus ezi 198.
4. UBhulingwe, esifundeni sake kukona imizi e 148, nezindhlus ezi 346.
5. UNKantini, esifundeni sake kukona imizi e 1,239, nezindhlus ezi 3,205.

KWELASE MTUNZINI

KWELASE MTUNZINI, KUTELA LAMAKOSI:

1. USomshokwe, esifundeni sake kukona imizi e 662, nezindhlus ezi 1,396.
2. UNTungezana, esifundeni sake kukona imizi e 154, nezindhlus ezi 372.
3. UMTengeni, esifundeni sake kukona imizi e 30, nezindhlus ezi 80.
4. UMGandeni, esifundeni sake kukona imizi e 42, nezindhlus ezi 75.
5. UMBuyiseni, esifundeni sake kukona imizi e 570, nezindhlus ezi 1,461.
6. USiposo, esifundeni sake kukona imizi e 124, nezindhlus ezi 306.
7. UZimema, esifundeni sake kukona imizi e 729, nezindhlus ezi 1,819.
8. UMnyameni, esifundeni sake kukona imizi e 433, nezindhlus ezi 921.
9. UTetemana, esifundeni sake kukona imizi e 140, nezindhlus ezi 297.

KWELASE NKANDHLA

KWELASE NKANDHLA, KUTELA LAMAKOSI:

1. UHashi, esifundeni sake kukona imizi e 120, nezindhlus ezi 344.
2. ULukulwini, esifundeni sake kukona imizi e 200, nezindhlus ezi 734.
3. UManyala, esifundeni sake kukona imizi e 182, nezindhlus ezi 479.
4. UMDedane, esifundeni sake kukona imizi e 672, nezindhlus ezi 1,591.
5. UM'miso, esifundeni sake kukona imizi e 181, nezindhlus ezi 479.
6. UMjantshi, esifundeni sake kukona imizi e 263, nezindhlus ezi 675.
7. UMShinane, esifundeni sake kukona imizi e 310, nezindhlus ezi 778.
8. USidunu, esifundeni sake kukona imizi e 131, nezindhlus ezi 362.
9. UMPatisita, esifundeni sake kukona imizi e 284, nezindhlus ezi 780.
10. UZinyongo, esifundeni sake kukona imizi e 352, nezindhlus ezi 890.
11. UMAPoysa, esifundeni sake kukona imizi e 517, nezindhlus ezi 1,312.
12. UMLokotwa, esifundeni sake kukona imizi e 396, nezindhlus ezi 804.
13. UNDukuyake, esifundeni sake kukona imizi e 124, nezindhlus ezi 347.
14. UManzekofi, esifundeni sake kukona imizi e 94, nezindhlus ezi 214.
15. UFulatelicala, esifundeni sake kukona imizi e 117, nezindhlus ezi 263.
16. UNdabihlezi, esifundeni sake kukona imizi e 215, nezindhlus ezi 462.
17. USidumuka, esifundeni sake kukona imizi e 172, nezindhlus ezi 376.

KWELAKWA NONGOMA

KWELAKWA NONGOMA, KUTELA LAMAKOSI:

1. UBhokwe, esifundeni sake kukona imizi e 812, nezindhlus ezi 2,281.
2. UMGixo, esifundeni sake kukona imizi e 170, nezindhlus ezi 490.
3. UTulasizwe, uMshiyeni kaDinuzulu, esifundeni sake kukona imizi e 896, nezindhlus ezi 2,379.

KWELASE NQUTU

KWELASE NQUTU, KUTELA LAMAKOSI:

1. UM'miso, esifundeni sake kukona imizi e 16, nezindhlus ezi 46.
2. UMPiyake, esifundeni sake kukona imizi e 540, nezindhlus ezi 1,438.
3. UIsaac, esifundeni sake kukona imizi e 1,404, nezindhlus ezi 3,666.
4. UMAwensi, esifundeni sake kukona imizi e 255, nezindhlus ezi 673.
5. UMSutu, esifundeni sake kukona imizi e 415, nezindhlus ezi 1,169.
6. UMampunga, esifundeni sake kukona imizi e 209, nezindhlus ezi 572.
7. UManzekofi, esifundeni sake kukona imizi e 136, nezindhlus ezi 455.
8. USidumuka, esifundeni sake kukona imizi e 110, nezindhlus ezi 341.
9. UManzolwandhe, esifundeni sake kukona imizi e 417, nezindhlus ezi 1,225.

KWELAS'OBONJENI

KWELAS'OBONJENI, KUTELA LAMAKOSI:

1. UMagekeni, esifundeni sake kukona imizi e 342, nezindhlus ezi 1,033.
2. UMasaki, esifundeni sake kukona imizi e 50, nezindhlus ezi 150.
3. UZidhlele, esifundeni sake kukona imizi e 149, nezindhlus ezi 501.
4. UNdabazempi, esifundeni sake kukona imizi e 210, nezindhlus ezi 639.
5. UMPiyake, esifundeni sake kukona imizi e 390, nezindhlus ezi 1,310.
6. UMadhlaka, esifundeni sake kukona imizi e 180, nezindhlus ezi 475.
7. UMshayeli, esifundeni sake kukona imizi e 205, nezindhlus ezi 656.
8. UMayabela, esifundeni sake kukona imizi e 58, nezindhlus ezi 160.
9. UNkomo, esifundeni sake kukona imizi e 56, nezindhlus ezi 200.
10. UNTenga, esifundeni sake kukona imizi e 60, nezindhlus ezi 162.


Indaba yokubingegelewa kweNkosana kaKingi, yabhalwa ngaye u1925, lapo nami bengiselekelela abe "Natal Native Congress," esikatini sokupata kuka Mr. J. T. Gumede. Kungalokoke ukuba kube kona namazwana apata izwi lokuti "Congress." Kwaziwa kahle-ke ukuti ukupata kuka Mr. Gumede, kwapazanyiswa kakulu yizifundiswa ezitile ezibanga izikundhla zokuhola isizwe, kanti no-kuhola kwazo kakubonakalisi nampumelelo kuso isizwe sakiti. Poke, kwati ngoba nami ngimi ngaku Gumede ngasengenziwa isita esibi. Kanti pela ukumemukela kwetu Etekwini, uMr. Gumede, sasikutate esimemezelweni samapepa. Kwatike lapo sesibona emapepeni amazwana okuxabanisa isizwe, sabona kahle ukuti: abanyeabantu kabalesabi ihlazo lamanga apambana nesimemezelabo sabo!

Bakiti, nize ningixolele kakulu ngoba amanye amakosi, ngingawafakanga. Ngisho pela amanye angaseko, namanye asebusa namhlanje. Noko, bakiti, ngetemba ukuti lencwadi, "UZULUKAMALANDELA," izakunicobela okunye ukwazi, ngamakosi, nemizi, nezindhlus, nezinkantolo. Nami ngihambe ngicobela ezincwadini zeza. Amanye amakosi atela ezinkantolo eziningi ngoba izifunda zaho zinqanyulwe yimikawulo yalezonkantolo. Noma kambe engateli kulezonkantolo, eminye imizi yaho ibalelwanga-kwezinye izinkantolo, ngenza yomkawulo oyivalele ngapo. Amanye amakosi anezifunda ezincane ngenxa yezeze eselincishiswe ngabelungu ngamapulazi. Eminye imizi yaho seyasala emapulazini. Inkosi yamaSwazi, uMdindeni, kayiseko naseBhukwini, ngoba lonke izwe layo selatatta ngamapulazi! Ngiponde ukuba isizwe sakiti ngisibhalele izinewadi ezipilileyo, ngingakafi, uma singisekela. Kuningi okungakapenywa, kubekwe engqondweni yabantu bakiti, ukuze babe yisizwe esakele kakle njengezizwe zonke. Indhlela yokubuyisa iAfrika, yimfundo kupela, nenkolo epilileyo. Inkolo nemfundu epilileyo, kuveza "IQINISO," elashiwo nguJesu, wati: "IQINISO LIYAKUNIKULULA."

N. B. — Amagama amakosi, nezinkantolo nemizi nezindhlus, ngetuka ngikutola-nje, encwadini engamanikinikan, engetuka nami ngiyitola. Ngiyabona ukuti yalungiswa yizazi zabelungu, noma uHulumeni. Poke, ngasengiketa engikubonayo ukuti kunomqondo wokusiza isizwe sakiti. Ukuzeboneka kwabantu ingqondo yokusiza isizwe, elapa k'Uzulukamalandela, abanye sebeti, kayibizwe lencwadi ngokuti: "IFALESIZWE." Ngiyetemba-ke ukuti, uma uNkulunkulu ebuye wangivumela ukuba ngiyilungise ngokwesine, isiyakuba nkulu kakulu, futi ipelele ngokwedhlula loku. Pela, kuninginingi okugakabhalwa, ukuba kusombuluke umqondo womuntu wakiti.

Yimi, owenu ngeqiniso,

(Rev.) P. LAMULA.



Lesisitombe, ngesenkosana kaKing, uJoji wesihlanu.
Fundani-ke indaba yomkosi wokuyibingelela kukaZulu,
ngo June 6th, 1925.

UKUBINGELELA KWABANTU INKOSANA KAKINGI

Ngetemb' ukuti: Baningi abantu abatand'ukwazi ngalemikosi yokubingelela i“Prince of Wales” eTekwini, nas’Eshowe, nas’-eMgungundhlovu ngomhla 3rd, 6th no 10th June, 1925. Tina bas'eTekwini saxaulana nayo ngo June 3, kwaTayiniholo (Town Hall). Kwakubizwe izikulu zomuzi eziyihlanganisela yamadoda aneno, napesheya akonzele imibuso nezizwe zakubo. Ngingewabale onke, pakati kwawo bekukona uMongameli was'eTekwini, nowase-'Mgungundhlovu (Mayors) noJoji Mahlashana, umtshali weTiye (Tea) oseneminyaka engama 87; nezikulu ezikonzele imibuso yapesheya: oMr. H. Altman, okonzele abas'eHolandi (Netherlands); E. A. W. Anderson, okonzele abas'eDenmark; Mr. J. J. Egeland, abas'eNorway; Mr. A. Lindholm, abas'eSwidi; Mr. N. Meyer, abas'eFinland; Messrs. L. L. Rennie, abas'eItaly; Jean Breamoulet, abas'eFrance; Harry M. Lakin, abas'eUnited States (eMelika); Merruys, abas'ePortugal (amaPutukezi). Uhlangoti lwamaNdiya lumelwe ngo Messrs. H. L. Paul, G. Ramchand, T. M. Naicker, A. Rai, E. M. Paruk, no M. C. Coovadia. Olwakiti belumelwe ngo Messrs. C. L. Dube (President Natal Native Teachers Union, no L. A. J. Mtetwa (esigabeni sempucuko), no Rev. P. Lamula, ngegama lokuba nguChairman kaCongress eTekwini ukumela yonk'indhlw'emnyama nangegama lobufundisi ukumela uhlangoti lwamabandha. Kodwa-ke kabangako uMr. C. L. Dube. Umfundisi obekona kwabamhlope abapet'amabandhl'ansundu nguRev. J. D. Taylor (waseMelika eziHlabatini). Nankoke amadoda aqale ukuxaulana nokubonana neNkosana kaKing George V., ezakuba nguKing emva kukaYise. Incwadi yokubingelela iNkosana ibunjwe yahbangqa abelungu, namaNdiya, naBantu. Ifundwe nguMongameli womuzi — Mayor), uMr. T. M. Wadley. Pakati kwayo kukona izwi elikomba ukuti: Ukutobela kwetu umbuso kufana-qo nokwabellungu.

“The loyalty and devotion of these people to His Majesty and the members of the Royal House are as unquestioned as our own.”

Kasazi-ke ukuti yena uMnta'eNkosi lowo uyatshelwa yini iqiniso lempato esipetwe ngayo kulelizwe ngenxa yesikumba esimnyama. Siyaqonda tina ukuti: Izincwadi ebezilungiselwe ukugubela izikalo zetu kuMntan'eNkosi zaliwe, kwabunjwa ezinye safunzwa amazwi okungesiwo awetu! Kangisho kweyas'eTekwini. Tina siyabongwa ngokwenza okuhle kubelungu, kodwa sivinjwa imilomo ukuba sidalule ububi obenziwa ngabelungu kit! Kubajabulisile abantu ukubona iNkosana isibavakashele ePake (Park) lemidhlalo. Bekugeweles abantu bengama 6,000. Umpatindaba za-

bantu, uMr. Layman ubekona ehumushela iNkosana, ixaulisane nabanumzane bakiti ebebelapo: oMessrs. W. F. Bhulose okade enguChairman kaCongress, eTekwini, no Pika kaSiteku kaMpande, oyiNduna kwaMuhle. Po, iyakulunywa yini indaba yabantu ePake! Banelukuzwa-nje ukuti "nasi iNkosi" kwasuka isidumo esingangomuntu emi. Naylo ite isihamba yase ipuma esiminyaminyeni! Babetemba kakulu abantu ukuti ikona imiteto efika neNkosana; kakulu ngenhlalo embi emapulazini, nokudishwa kwezinkomo, nolutela.


Umkosi was'Eshowe

Bakiti, kotata isikati eside kabi ukuba abelungu bakohlwe lemikosi abantu abayenzele uMntan'eNkosi uKing George V. Eshowe nas'eMgungundhlovu. Futi abelungu basiqabuke ngokusha isizwe sabantu nemikuba yaso, nezimvunulo zaso zemvelo. Abanye kubavusele umcabango wokuti: kant'inkambo yabelungu (civilisation) izakucita lukulu kuso isizwe esiNsundu!! Futi-ke loludumo olwenziwe ngabantu kuMntan'eNkosi yakubo, lubavusele ukucabanga ngalempato embi okupetwe ngayo abantu eyavezwa yibo ngesifungo sokuhlangana kwamaNgisi namaBhunu. Futi libahabile izwi labantu: lokubakumbuza ukubusa kukaKWINI VICTORIA, OWAYEBUSA ABANTU nabeLUNGU NGOKUFANAYO, EBАЗISA naBANTU, ENGASENZI IZINJA NJENGOBA SENZIWA NAMUHLA!!


Yebo noMbali wepepa lalap'eTekwini i" Natal Mercury" lomhla ka June 8, 1925, uyasho ukuti: Okwangenisela ububi ekubuseni kyamaNgisi ngamaBhunu; ngoba seloku aqala ukucita ama-Hottentots namaBushmen eKoloni ayesengenwa ukondolo olunjalo kuzo zonke izizwe ezimnyama. Futi-ke uti: Namhla amandhla amakulu, okubusa leli laki, asengakuwo amaBhunu! Nanka amazwi ake:

"The Dutch in South Africa first came in contact with the decadent Hottentots and Bushmen, and their attitude towards the black races generally is an inheritance from that period. English ideas have to-day only a small influence on South African policy."

Siyetemba ukuti nasenhliziyweni yoMntwana u"Prince of Wales" kuyakukumbuleka njalo ukwamukelwa kwake kwaZulu. Umkosi was'Eshowe ubemkulu, futi wamuhle kakulu. Siyayibonga nenhliziyo yoMntan'enkosi yakiti uSolomon, ngodumo nenhliziyo enhle ayibonakalise ngokwamkela u"Prince of Wales." Kepa ikona into ecishe yasidabukisa sifika Eshowe. Sifike sekugcwela umoya onganambitekiyo ngoSolomon, uhlwanyelwa yilabo abangasatandi ukuba indhu yakwaZulu ibonakale pambi kobukosi bas'England! Kanginakungena kuleyondaba ngoba naku sesetuswa ngamazwi



Nasoke isitombe esibonakalisa umkosikazi kaZulu, wokwemukela inkosana kaKingi, uJoji wesihlanu, Eshowe, ngoJune 6th, 1925. Loluqimba olungapambili, ngolwezifunda zaseEshowe, ezaziketelwe ukuba ziketele inkosana. Balake, niyalubona uqhizolo lwezintombi olumi ngemuva kwabesilisa abahlezi pansi ngapambi kwazo. Leziyake, izingqimba, ezimbili, ezihangene ngakulabaya bantu, abate citili, yizigaba zikaZulu, Usutu, noMandhlakazi, lapo, indaba yezingwazi idhla umunyu!



Nasoke futi esinye isitombe sezintombi esezi zilungela ukusina. Ngemva kwazo kumi abasilisa, abafake amadhlakolo. Nabo sebelungela kona ukusina. Ezinye izintombi, zilengisa amaduku amhlope. Nampoke nomame ababili, pakati kweployisa nenja, epuma eqala ukuhola ihele labesilisa, abatwele amadhlakolo. Niyawabonake nani amadhlakolo amanangi ebonakala ngapaya, emva kwezintombi.

abhalwa ngabelungu abatile beqonde ukutela **inhlabati obisini!** Siti, loku esikufunda emapepeni, kusikombisa ukuti: masingabe sisapinda simamukele uMntwana, noma esinye isikulu sakubo nge-njabulo. Sekukona esebengenise umoya okade ungeko lapo kuse-kona uPrince; asebependula izikuni! Au! au! siyamangala impela. Bonke Abelungu babuye bewubabaza umkosi wokwemukela uPrince Eshowe; bebabaza nesipwo asinikwayo. Sekuvela omunye edunga amanzi eti: uSolomon wenza ukuti nokuti, nokuti, Eshowe ayeqonde ukudumaza ngako uPrince, ukuze kudunyiswe yena! Sesibona sekuyindaba-nje bo! esekulinganiswa nokuba uMntwana uSolomon ajeziswe nesizwe sonke sakwaZulu! Sizakutini-ke uma abelungu sebenze-nje? Sizakuti: Lomdhla wenziwa kuhloswe okutile ngendhluyakwaZulu! Noma ngiwafihla lawo mazwi esawafuman'Eshowe, kuzakubonakala ukuti: lesisenzo besihlanganiswe ngapambili, kodwa bekufunwa ibhaxa lokukwela.

Ake ngedhlule lapo nginixoxele ngawo umkosi was'Eshowe omuhle kakulu. Ai, bakiti, uketelwe impela uPrince. Bekucisho ukuba zipelele zonke iziPAKANYISWA zakwaZULU kusukela oTukela kuy'oBonjeni, nas'eSwazini. Futi-ke bekucisho kungabiko sifunda esingatumanga abantu. Kwabonaka ngapambili ukuti: Izipakanyiswa kazofika nabantu abayisitupa (6) ngazinye; ngoba kwabhekeka ukuti kungafika zibe 81 (?). Kanjalo-ke uma zihlangenenabantu bazo bekungaba 486. Kangikulumi-ke ngoba ezifundeni eziseduze bekubhekeke abokusina abangama 2,000. Mamo! wateleka uZulu ozozibukela! Kangiqondi ukuti angati umuntu wayekubonapi lokuya! Umuntu wabuka kwazula ikanda. Kwati kaye ngapa, abuye aye ngapa. Loko ngikusho ngosuku lokufika kwabantu, umkosi ungakusasa. Kute ngingazelele ngingas'-eNkantolo ngetuka sekuhlangene utuli. Mamo! Kanti yimpi egibeleyo, bona-ke "Abaqlusii" namahashi angangesikonyane! Kute lapo umgqumo wabo usubuyela emva, kwasweleka nendawo baze bapenduka ngeny'indhlela. Kute ukuba impi ikukule, sayilandela. Mamo! kanti besingakaboni luto "uMgundatshani." Bonake kuhlangene uSUTU, noMANDHLAKAZI, noBUTELEZI, abapetwe uMatole kaMnyamana kaNGQENGELELE. Bahambha kwafa utshani! Kangikulumi ngtولي emigwawqeni! Ngiti ubuningi bemp iegibeleyo nehamba pansi, bebu ngama 30,000. Futi-ke nenhlanganisela kaZulu osinayo nobukelayo bungati bebungama 30,000.

Lwafika oloMgqibelo Olungaliyo!

Ai, Mfowetu! Kangazi ukuba ngingatini ngomqumo kaZulu efika, epangelana indawo pambili. Kako owatshela omunye ukuti namhla kunamhla! Umuntu kabanga esaqedo nokuti yibapi abokusina nabokubuka! Bonake uZulu enikwe lonke ituba lokuvusa

amadhlingosi ake. OMAME bafika bedhlalisela sengati kugcagecelwa amadodana abo! Izintombi zeza zivunule ziconsa! Wo, suka wazibona umuntu izintokazi zawa Baba! Ayi, bakiti ngingekuqede lokuya!! Kangikulumi ngokuvunula kweisilisa. Woti wawabonapi amahau emibala yonke? Uti: wayibonapi insimba, nemibalabala yamabheshu amankonyane! Uti: wababonapi abantu abazotileyo, abanesitunzi, nabafanelwa yimvunulo nezitutuma zamaKehla!

UMntwan'uSolomon pambi kukaPrince of Wales

Kute ukuba uZulu apelele, izipakanyiswa zama eduze nendawo okuzakuma kuyo iPrince. Wo! zabutana izipakanyiswa! Bonake loku abanye kuzo abantwana beNdhlunkulu. Poke kuvame iziseke-seke kulabo, ngoba lendhluyakwaZulu izimuka kabi! Bekukona oManz'olwandhle kaCetshwayo, noSilimana kaMkungo kaMpande, noMgidhlna kaMpande, ngoqobo (useyedwa nje kwabakaMpande). Useyikolwa wabhabhatiswa nyakenye ebandhleni lamaNoke (ama-Lutela—Lutherans). Kute ukuba zibutane izipakanyiswa, kwafika noMntwana uSolomon, nabanye abantwana, oMnyayiza kaNdabuko, noGilbert kaShingana, noMnyayiza Mtetwa opete abaQulusi, no-Bhokwe kaZibhebhlu opete uMandhlakazi, noMatole kaMnyamana kaNgqengelele wakwaButelezi. Kwafika noDambuza opete izindaba zabantu (uMr. C. A. Wheelright) noMashiqela, noMpengula, inkosiyakwaNongoma, enenhliziyo enhle kakulu ngendhluyakiti, njengo Mr. R. C. Samuelson, uLubhembhedu, kubelungu engibaziyo. Kute-ke kwabuzwa ezipakanyisweni ukuti: Ngubani kuzo onganikeza iPrince, uMntaka King inewadi ebilungiselwe ukuba ibe izwi likaZulu wonke na? Zanquma kanyekanye ziti: USOLOMON ka-DINUZULU, wenkos'uCETSHWAYO. Wafika-ke uPrince! Ai, bajabule abantu kwaqabuka amehlo. Bonake namhla bebona indodana kaKing uqobo. Ufike eggoke waxanganisa, izingubo ezbomvu ezipanjaniswe ngemibhonqo emhlope, njengoba nibona uSomtseu lapo kuZULUKAMALANDELA. Kutiwa lezizingubo ziggokwa ibuto elitiwa: "Welsh Guards" pesheya. Ngiti kakusa-sweleki ukuba ngisho ukuti inewadi enikwe iPrince ibitini, ngoba ngiti abanangi sebeyibonile emapepeni. Kwanele futi uma nizwa ukuti: UMntan'enkosi yapesheya ute: Nempele kungakuhle uHulumeni waNeno akubhekisise loko enikala ngako, ukwelekwa nge-miteto ngapandhle kokuzipendulela.

Isabelo sikaZulu kuPrince, nesikaPrince kuzo iziPakanyiswa, noMntwan'uSolomon

Kube yinjabulo enkulu ukuti uSolomon, egameni likaZulu, unike uPrince umkonzo wezimpondo zendhlovu ezinentengo enkulu,

ezabazwa ePutukezi. Kute-ke naye uPrince wapa uSolomon nezi-Pakanyiswa eziyi 10 izinduku. Nazi iziPakanyiswa ezanikwa izinduku: UBhokwe kaZibhebh, noNgwanase wangas'oBonjeni, no-Manz'olwandle, noMatole, noMntakaMpande uMgidhlana, no-Mfungelwa Ntuli, noMkombisi kaDumezweni Biyela, noMhlana Mtetwa, noMtubatuba kaSomkele Mkwanazi, opete uMpukunyoni, noKambhi Zulu. Kangimbali umntwana uSolomon. Izifunda ebezikelwe ukusina kwelas'Eshowe nazi: EsikaSiposo Mpungose, nesoMntwana uSilimana kaMkungo, nesikaBagibile Shange, nesika-Mehlwana Koza kaNtshingwayo (**kaMahole**), **owayepete amabuto ekosi uCetshwayo eSandhlwane**.

Kanjalo-ke kute ukuba kupele ukubingeleta uPrince wangena umdhlahlo wokusina. Kutokozise kakulu ukugqoka koMntwana uSolomon pambi kwePrince. Ugoke izingubo ezahlukanisele kahle ngombala nesitunzi kubo bonke.

Ekubukeni kwetu noZulu wonke, kakunambiteki ukuba uSolomon alinganiswe nabantu-nje. Ngokwempela, kak'uMntan'-enkosi owenziwa njalo kuzo zonke izizwe kupela indlu yakiti, okusobala ukuti abelungu baqonde ukuyishonisa. Naku nempela sesibona kusolwa nokuti bamkulekelelani uSolomon abantu njengenkos!

Kutokosizile ukubona umoya wokuzwana kuBantu bonke. Bonake kuhlangene imifula yonke. Siyambonga kakulu uMntaka-Zibhebh'uBhokwe ngenhliziyo enhl'aqonde ukucita ukwahlukan'-okudala. Bonelani loko Zipakanyiswa, niyeke ukuxabanisa isizwe ngemibangwana yenu yezfunda engapele'lendawo! Landelani amakos'oHlanga namhla. NoCongress usoleka kakulu ngokuba abayiloku wahambela eceleni nesizwe, kanti, likona iziko lesizwe lapo konke kufanele kudenjelwe kona, futi kupekelwe kona. Eku-bukeni kukaZulu sengati abaHoli bakaCongress baqonde ukuhle-pula isizwe pakati nokuba bazibeke amakosi aso. Futi abapete uCongress kabatandisisi ukuzihlanganisa namakosi apete izwe kakulu kwelakwaZulu.

Kube yilapo kanti beti kubantu emadolobheni, bakulumela isizwe. Tina-ke bakiti esipete uCongress namhla, sizimisele ukuwuhlanganisa namakosi, futi njengoba sekukona nomhlangano wesizwe, kungakuhle ukuba lezizinhlangano zisebenzele isizwe ngo-kuzwana; nezindaba ezihalise kabi isizwe zibhungwe kuzo zombili izinhlangano. Kutanike ukuba tina esipet'uCongress nisixase. Siponde ukuba sake isizwe. Kasifuni ukwenza uCongress nesizwe ifa letu. Funa basibheke kabi abanikazi besizwe! Kakulu ngoba nezimali esihamba ngazo izindhlela zikaCongress, sizetekela kubo abantu abapuma emakaya ezifundeni. Baqapeleni-ke abasitunqu-zela ngotuli ngoba beqonde ukutumba isizwe. Kusijabulise kabi ukubona isizwe sihlangene kanjena Eshowe, lapo kusinewa uNkosana — The Prince of Wales. Siti lomhlangano mawube

yisiboniso, nesifundo sokuzwana, nokuzaka kwabantu. Nabelungu bayasho ukuti kube yisimangaliso ukuba izifunda zabantu zigqibe yonke imibango yemihla ngemihla, okuhlalisenwe ngayo. UMntwan'-uSolomon ululete uSUTU, noMandhlakazi ngamzila munye, ngapandhle kokuewasana! Naye uMntwana wakwaMandhlakazi, uehambisana nayo inkos'uSolomon njalo!

Ukusuka Kwempi Lishona

KUBE NGUMBUKISO OYISIMANGA ukusuka kwempi yamahashi nehamba pansi lishona. Kako oyakukohlwa uma ebe-kona! Kunjalo-nje amahashi ahamba ngezigaba njengemibala yawo; kanjalo nempi ehamba pansi. Ngiti pambilil bekuyi:

IMbokod'ebomvu, kuge uFelapakati, HayilweNgwenya, Mavallana, Vukayibambe neNqabayebube namanye, inhlanganisela yamabuto amadala namasha. Hai! umuntu wafunda izinto ngo-kunye. Ikolwa laselibonakala ngebhulukwe elifingqwe lakaula enhla kwamadol, nangesigqoko ekanda, libhanqle nengubo yokulala isuka okalweni ngemuva inqamule ihlombe, ibuye ifike okalweni ngapambili, ibisinkanywa ngebandhe. Abanye begenqeza namagudu ensangu (ngisho lezo njalo ezidhla u"mantayi")! Impela uZulu kahlaya! Abanye belengisa ocelemba bokugaula, nokuhla-hlela inyama. Bangehlula abanye ngokutshweleza umbhila noma ngalupi ubebezhana abalutolayo! Bake bakubona okukulu abas'Eshowe uZulu esegewe yonke imizi etekela, lokupela yena ufana namasotsha uhalazela yonk'indawo! Kep'injabulo yabas'Eshowe yabankulu ngokumangalisayo. Bona-ke bebona isizwe sakubo abangasaziyo sifika nenkosi yakubo. Kakulu abanye bajabula ukubona amahashi angakaya esizwe sakubo. Umuntu wezwa abanye sebeti: Ngawabo-nje abantu? Abanye beti: Ihlalapi yonke lempi yabantu? Bebona abantu bebaningi behlangene, bonake uZulu wangquzuka yonk'indawo! Abanye betatwa umshungu woSutu lwedhlula. Po, loku bona ngonomenyeza yihau! Omunye ubeti ezimele egumeni abone intanga yake yedlula; besekusuka amadhlingosi, aposek'endhlini adumele isihlangu sake. Ngiyakuluma yini bandhle pakati. Amanye amakolwa ngezwa esengibingelila efak'izipungapunga zamashob'elenga yonk'indawo! Bonake epete izihlangu nezinduku ngambili. Pela uZulu lo, uma sekungumkosi, kumawengwengu, uvukwa amadhlingosi emvelo. Kulo mkosi bezipalele zonk'izinhlobo zokubhinca, nokwambata nokuhlabelela. Bekukona iqembukazi lezingane, nabadala, abangamakolwa abahlabelela isilungu. Kodwa ukuhlabela kwabasinayo, kuge namandhla, kwavam'ukungezwakali okwamakolwa. Futi-ke nempela bebebaningi impela abasinayo. Noma sesibona kukona abakuluma amazwi angenandhlela, umkosi was'Eshowe uyedhlula yonke

eminye, noma eyabelungu, namaNdiya, nabantu, lapo uPrince ekewafika kona. Ngisho namaSwazi nabeSutu, kabafinyelelanga kuZulu Eshowe! Kuyakwedhlula iminyak'eminini engakohliwe nay'uPrince! Nank'amazw'abelungu:

"The Prince witnessed at Eshowe probably to-day the most magnificent Native spectacle ever seen in South Africa, an "indaba," and a "sina" (Zulu dance) such as are never likely to be repeated on so vast a scale in this country and it was here that he received assurances of fealty from the Zulu Chiefs, members of the Royal Family and representatives of the Zulu Nation."

"Here too he received a magnificent pair of elephant tusks from Solomon kaDinuzulu on behalf of the Zulu people. The i'Keto' and war dances which the Prince saw were on such a scale as the white man has never seen in Zululand, and will never see again. For there were assembled before the Prince some 4,000 to 5,000 Zulu warriors, old men, of them still wonderfully active in their age; younger men, eager to honour the Prince and to show their prowess before the happy bands of Zulu maidens and married women who with bronze bodies gleaming in the sun chanted and taunted them to deeds of valour."

Kwaba yinjabulo enkulu lapo ngesonto sisonta nezikulu zakwa-Zulu eduze kwetende loMntwan'uSolomon. Kwaba yisonto elikulu kakulu. Bonake uZulu'esazokot'inkosi, eza ngamaviyo, futi nabafundisi bebaningi. Nampa ababeshumayela: Revds. S. D. Simelane, P. Lamula, A. Zulu, no M. Kuzwayo. Umhlangano wapakamisa izwi lokubongiswa inkosi yakwaNongoma, uMr. Finney (uMpengula) ngomoya wak'omuhle ahlalisene ngawo noMntwan'uSolomon. Futi kwabongeka ukupelekezela kwak'uMntwana nempi yake; ebenakalisa nenhliziyo enhle ukuqapelisa ukuba uMntwan'aggoke kahle eyakuma pambi kwePrince. Zahlatshwa-ke izinkomo ngakusasa zokuncam'imp'isihamba. Kangazi nokuba kwapela izinkomo ezingaki kulomkosi. Abanye bati zaba ngama200. Ngake ngati, mina zilele! Ngabona umhlambi nje ulele esigodini! Kanti zifile kazikahlinzwa.

Umkosi was'eMgungundhlovu!

NASE'MGUNGUNDHLOU, kwabutan'abantu abanini kabi, ngangoba kutiwa: akuzange kubutanwe kangako kona. Kutiwa bebengama 10,000. Izipakanyiswa ezabelwe izinduku nazi: uDambuza kaNewadi, noKula Majosi, kaLuntshungu, noMandhlakayise, kaMqawe, noLangalake Ngcobo kaHemuhemu, noMakasana kaMawele, noMjwayeli kaSibhamu, noMkuzangwe kaGayede, no-

Mzocitwayo kaSilwane Mcunu, noMqamuzana kaMganu, noNyanda kaMzimba, noGabangani kaTselyaguqa, noMsebenzi kaMbendhlini, noChief Walter Kumalo. Izifunda ebezikelwe ukusina nazi: esikaSwayimani kaManyosi, nesikaNyanda, noNjengabantu, nesikaLangalake, &c. Into ebenhle kakulu kubanumzane yimvunulo yabo. Impela bebevunule kahle; kangikulumi kona ngoLangalake no-Swayimani. Futi nabantu babo bevunule kahle kakulu! Kodwa ukusina kakubanga nasinyatelo esizotileyo, kakulu okwamantombazane, exuma az'ahlal'obala. Bonake nokwembata kwavo. Into ebukeke ngobuhl'eMgungundhlovu abantwana bamakolwa, babebanningi ngokumangalisyayo. Kuleli las'eSilungwini amakolwa asekwazi ukuzihela ngokwavo, abonakale kahle nakwabaningi. Bekungakohlakele ukuti, nankay'amakolwa. KwaZulu kusenguduma naleya, naleya! Nakon'eMgungundhlovu libekona izwi lokubingelala uPrince lipuma kubantu, elifundwe egameni lendhlu emnyama. Kuliqiniso impela ukut'indhlu emnyama iwutobele umbuso ngoba yavuma ukuwela ngempi yamaJalimani. Kukona ukusola kodwa kwabanye ukuti, bafundelw'amazwi abangawakulumi ngokwabo, kepa bekulunyelwa. Kasazi-ke ukuba kanti bayitatelapi labo ababeyifunda. Pela tina satumela iPresident yeN. N. Congress, nencwadi esasiyihlanganise siyizigaba ezimbili: uN. N. Congress no-Zulu National Council, yanqatshwa, kwatiwa indaba yokubingeleta uPrince iyakupatwa ngabawaNdabazabantu, kodwa iqiniso esitand'ukulazi ileli: Kubangwa yin'ukub'abelungu bangasilhonipi? "Tin'abantu simiselwe umteto wokuba: izindaba zetu siziqubele kuHulumeni ngabo abakwaNdabazabantu." Kepa kabashilonipi ukuba baqubele abakushoyo kuso isizwe ngoCongress, nangay'-uMongameli osuk'emiswe yisizwe. Loko-ke, siyakuqapelisa noma abelungu becabang'ukuti siyizingane ezipatw'emechlweni . . . futi kuyadingisa ukuti bona abakiti laba batandelani ukuhambana ngemva. Umuntu abesemukela okushiwo ngabelungu noma kungahambi ngomteto. Futi-ke, kasiz'ukuqond'ukuti: Kanti ihamba kanjani imfundo nempucuko kwabamnyama, uma bedonswa ngoqoto njengesilwane esingenakwazi, nabo bavume. Siyakubalandela uma nabo belandela abanye njengomteto onqunywe uCongress ngoketo. Abantu kabaqondi okutiwa "overlapping," ukuti ukweqela umsebenzi onik'omuny'umuntu. Abakiti-ke bona babhakadelanje nokungesiyo imfanelo yabo uma kusho abelungu. Bacabanga ukuti kuludumo olusho ukuti: yena mkulu, uyatandwa, ufundile kubanye. Kant'oqapelayonofunde kahle uyabon'ukuti umuntu onjalo uluhlaza kabi. Kungaba kanjani umuntu onikwa amandhla okuhola isizwe ngoketo ahanjwe ngemuva . . . futi babukwa kanjani bona labo, abahamb'abanye ngemva, bahlanganise izincwadi zokukulumela isizwe nabelungu ngasese? Nans'indaba enhle eyenzek'eTekwini ngoJune 8th, 1925. ULubhembedu ucele ukuba iKwaya lika Mr.

Littin Mtetwa libingelele uPrince eNdlunkulu (Kings House). UPrince unikwe ipepa elipete amagama ukuba aziketele awatan-dayo. Pakati kwabaketileyo ukete eliti: "Nkosi Sikelela iAfrika!"

KUBEYILONA lokuqala, emva wabingelela ngalo eliti: "**Bayede, Mntwana was'eWalakhiya!**" Kwati ukuba upele umdhla-lo eMgungundhlovu, bahlakazeka abantu. Po, ukudhla kwakugcwele, nezingane zilungiselwe izabelo zemijaho. Izipakanyiswa nezifunda zazo zazilungiselwe omkulu umuzi wamatende, nokudhla kuziduli. Kungati kuzo zonke izindawo abelungu, bebetanda ukubukisisa nokulalela okwenziwa ngabantu bakiti abaseluhlaza, kuno-kwabafundileyo. Nasemapepeni baxoxa kakulu ngako. Singezwa ngo "Mangotobana" ukuba kungani na?



USolomon nendodakazi kaShembe, mhla beshadayo.

AMAZWI OKUGCINA

1. Ngetemba kakulu ukuba lenewadi, izakusiza isizwe sakiti ukubonisa kahle ngeAfrika nangaso uqobo lwaso. Kangiyibhalele ukuba ngivuse ukuzondana kubantu nabelungu. Kodwa ngiyibhalele ukwambula iquiniso elibonwa yilanga pansi kwezulu.

2. Kade ngangiti ngizocela abafundileyo bangicoshele zonke izindaba, nezinganekwane ezisafunyanwa kwabadala. Kepa, ngafumana ukuti abanangi kabanakile ukwakela isizwe incwadi emnandi kubo bonke. Ngizamile-ke, ukuba namhla ngiyibhale incwadi, engizetembisa ukuti izakuhlabu umxwele kubo bonke.

3. Ngenze ngamabomu ukuba ngitate ngiyilobe-nje lencwadi ngapandhle kokuhamba ngetekela izindaba kwabadala. Sengake ngalinga ukwenze njalo. Kepa abanangi kabananhliziyo ezitanda ukuxoxa izindaba ezindala; futi abanye sebakohlelwa kona, ngoba ingqondo yomuntu wakiti icabanga ukuti: esekwedhlule sekwedhlule njalo!

4. Ngiyazi-ke, ukuba lencwadi izakuvusa ukuqonda okusha, kwabadala nabasha. Kuningi abadala abazakukuqapelisa, befuna ukuzwa lapo ngiduke kona. Nako-ke lapo ngiti ngisizeni kona nina enizakubezwa. Nikubhale abakushoyo nikutumele kimi ukuze ngiti uma sengiyenezelela lencwadi, ngilungise lapo bengiduke kona, ngoba ngiqonde ukwenza IBHUKU eligcweleyo leAfrika naBantu balo — yilo lelo isu lami abazakubhoboka ngalo bangipe izindaba. Kodwa ngiyetemba ukuti nalo lel'iBhukwana lizakusiza kakulu, ngoba abanye kabakwazi nako loku.

5. Uma ekona obongayo, "kabonge uNkulunkulu, osipa konke kuvame, ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu." Futi uma ekona osolayo, kasole uNkulunkulu, ngoba noma sihlanya kungenxa yake, usho njalo uMpostoli, uPaulus.

27 SEP. 1940

Tumela inali yakoh iyi Post oda kumbo iyi
Kitembala Ngcolli ikelit
Messrs. GOULEMAN HOOGSEN & SON,
MAIL ORDER STORE,
PRIVATE BAG, DALTON, NATAL.

UZULUKAMALANDELA

A MOST PRACTICAL AND CONCISE
COMPENDIUM OF

AFRICAN HISTORY

COMBINED WITH

GENEALOGY, CHRONOLOGY,
GEOGRAPHY AND BIOGRAPHY

"Ukuqala kokuhlakanipa ku ukwesaba INKOSI."
(*Amazwi Ahlakanipileyo 1:7.*)

Sold and Published by :—

Messrs SULEMAN HOOSEIN & SON,
BOOKSELLERS & STATIONERS DEPT.,

PR SHUTER & SHOOTER, LTD.,
BOOK AND
STATIONERY EXPERTS,
PIETERMARITZBURG

A 496.3712406 LAM